eMikimashi. **12** Ngakho ngathi: Khathesi amaFilisti azangehlela eGiligali, ngingancenganga ubuso beNkosi. Ngasengizibamba ngamandla, nganikela umnikelo wokutshiswa. **13** USamuweli wasesithi kuSawuli: Wenze ngobuwula; kawuwugcinanga umlayo weNkosi uNkulunkulu wakho eyakulaya wona; ngoba khathesi iNkosi ibizawumisa umbuso wakho koIsrayeli kuze kube nininini. **14** Kodwa khathesi umbuso wakho kawuyikuma. INkosi isizidingele umuntu ngokwenhliziyo yayo, njalo iNkosi isimlayile ukuthi abe ngumbusi phezu kwabantu bayo, ngoba kawugcinanga lokho iNkosi ekulaye khona. **15** USamuweli wasesukuma wenyuka esuka eGiligali waya eGibeya yakoBhenjamini. USawuli wasebala abantu abaficwa belaye, phose abangamakhulu ayisithupha. **16** Njalo uSawuli loJonathani indodana yakhe labantu abaficwa belabo bahlala eGibeya yakoBhenjamini, kodwa amaFilisti amisa inkamba eMikimashi. **17** Abachithi basebephuma enkambeni yamaFilisti ngezigaba ezintathu; esinye isigaba saphendukela endleleni yeOfira, saya elizweni leShuwali; **18** lesinye isigaba saphendukela endleleni yeBhethi-Horoni; lesinye isigaba saphendukela endleleni yomngcele okhangele esihotsheni seZeboyimi ngasenkangala. **19** Njalo kwakungatholakali mkhandi elizweni lonke laIsrayeli, ngoba amaFilisti athi: Hlezi amaHebheru enze izinkemba loba imikhonto. **20** UIsrayeli wonke-ke wehlela kumaFilisti ukulola, ngulowo lalowo isikali sakhe sekhuba, lemataka yakhe, lehloka lakhe, lesikela yakhe. **21** Imbadalo yezikali zekhuba lamamataka lamafologwe alencijo ezintathu lamahloka lokulungisa izincijo yayiyipimi. **22** Ngakho kwathi ngosuku lwempi kakutholakalanga inkemba loba umkhonto esandleni saloba ngubani wabantu ababeloSawuli lababeloJonathani; kodwa kwatholakala kuSawuli

loJonathani indodana yakhe. **23** Lebutho lenqaba yamaFilisti laphuma laya emkhandlweni weMikimashi.

14 Kwasekusithi ngolunye usuku, uJonathani indodana kaSawuli wathi emfaneni othwala izikhali zakhe: Woza sichaphele ebuthweni lenqaba yamaFilisti elingaphetsheya ngale. Kodwa kamtshelanga uyise. **2** USawuli wayehlala-ke ephethelweni leGibeya ngaphansi kwesihlahla sepomegranati esiseMigironi; labantu ababelaye babengaphose babe ngamadoda angamakhulu ayisithupha; **3** loAhiya, indodana kaAhitubi, umfowabo kalkabodi, indodana kaPhinehasi, indodana kaEli, umpristi weNkosi eShilo, wayembethe i-efodi. Kodwa abantu babengazi ukuthi uJonathani uhambile. **4** Laphakathi kwemikhandlo, lapho uJonathani ayezama ukuchapha khona ukuya ebuthweni lenqaba yamaFilisti, kwakuledwala elicijileyo nganeno, ledwala elicijileyo ngaphetsheya; njalo ibizo lelinye laliyiBozezi, lebizu lelinye laliyiSene. **5** Elinye iliwa laligxile enyakatho maqondana leMikimashi, lelinye ngeningizimu maqondana leGeba. **6** UJonathani wasesithi emfaneni othwala izikhali zakhe: Woza sichaphele ebuthweni lenqaba elalaba abangasokanga; mhlawumbe iNkosi izasisebenzela, ngoba kakulasenqabelo eNkosini ukusindisa ngabanengi loba ngabalutshwana. **7** Umthwali wezikhali zakhe wasesithi kuye: Yenza konke okusenhliziyweni yakho; phambuka, khangela ngilawe njengokwenhliziyo yakho. **8** UJonathani wasesithi: Khangela, sizachaphela kulabobantu sizibonakalise kibo. **9** Uba bekhuluma njalo kithi besithi: Manini mpo, size sifike kini; sizakuma-ke endaweni yethu, singenyukeli kibo. **10** Kodwa uba bekhuluma njalo kithi besithi: Yenyukelani kithi; sizakwenyuka-ke, ngoba iNkosi ibanikele esandleni sethu;

lalokhu kuzakuba yisibonakaliso kithi. **11** Ngakho bobabili bazibonakalisa ebuthweni lenqaba yamaFilisti; amaFilisti asesithi: Khangelani, amaHebheru asephuma emilindini abecatshe kiyo. **12** Amadoda ebutho lenqaba asephendula oJonathani lomthwali wezikhali zakhe athi: Yenyukelani kithi, sizalitshengisa ulutho. UJonathani wasesithi kumthwali wezikhali zakhe: Yenyuka ungilandele, ngoba iNkosi iwanikele esandleni sikalsrayeli. **13** UJonathani wasekhwela ngezandla zakhe langenyawo zakhe, lomthwali wezikhali zakhe emva kwakhe. Asesiwa phambi kukaJonathani, lomthwali wezikhali zakhe wawabulala emva kwakhe. **14** Ukutshaya kokuqala atshaya ngakho uJonathani lomthwali wezikhali zakhe kwakungaba phose ngamadoda angamatshumi amabili, ensimini elingana lengxenye yendima yesipani. **15** Kwasekusiba khona ukuthuthumela enkambeni, egangeni, laphakathi kwabantu bonke; ibutho lenqaba labachithi labo bathuthumela, lomhlaba wanyikinyeka, kwasekusiba yikuthuthumela okukhulu. **16** Abalindi bakaSawuli eGibeya yakoBhenjamini basebebona ukuthi, khangela, ixuku lancibilika lihamba litshayelana phansi. **17** USawuli wasesithi ebantwini ababelaye: Ake libale, libone ukuthi ngubani osuke kithi. Kwathi sebebaliile, khangela, uJonathani lomthwali wezikhali zakhe babengekho. **18** USawuli wasesithi kuAhiya: Letha lapha umtshokotsho kaNkulunkulu. Ngoba umtshokotsho kaNkulunkulu ngalolosuku wawukubantwana bakolsrayeli. **19** Kwasekusithi uSawuli esakhuluma lompristi, umsindo owawusenkambeni yamaFilisti waqhubeka wanda. USawuli wasesithi kumpristi: Buyisela isandla sakho. **20** USawuli labo bonke abantu ababelaye basebebizelwa ndawonye bafika empini, khangela-ke, inkemba yalowo lalowo yayimelene lomakhelwane wakhe, isiyaluyalu

esikhulu kakhulu. 21 LamaHebheru ayelamaFilisti njengakuqala, enyukela lawo enkambeni inhlangothi zonke, ngitsho lawo aphenyuka ukuthi abe loIsrayeli owayeloSawuli loJonathani. 22 Kwathi amadoda wonke akolSrayeli ayecatshe entabeni yakoEfrayimi esezwile ukuthi amaFilisti ayabaleka, ngitsho lawo awanamathela ewalandela empini. 23 Ngokunjalo iNkosi yamsindisa ulsrayeli ngalolosuku; lempi yedlulela eBeti-Aveni. 24 Amadoda akolSrayeli asekhathala ngalolosuku, ngoba uSawuli wafungisa abantu esithi: Kaqalekisiwe umuntu odla ukudla kuze kube ntambama, ukuze ngiziphindiselele ezitheni zami. Ngakho kakho ebantwini owanambitha ukudla. 25 Bonke abelizwe basebefika ehlathini; njalo kwakuloluju phezu kobuso bomhlabathi. 26 Lapho abantu bengena ehlathini, khangela, uluju lwathonta; kodwa kakho loyedwa owasa isandla sakhe emlonyeni wakhe, ngoba abantu besaba isifungo. 27 Kodwa uJonathani wayengezwanga lapho uyise efungisa abantu; ngakho welula isihloko somqwayi owawusesandleni sakhe, wasigxamuza ehlangeni lwenyosi, wasesisa isandla sakhe emlonyeni wakhe, lamehlo akhe aqaqabuka. 28 Omunye wabantu wasephendula wathi: Uyihlo ubafungisile lokubafungisa abantu esithi: Uqalekisiwe umuntu odla ukudla lamuhla. Abantu basebephele amandla. 29 UJonathani wasesithi: Ubaba ulihluphile ilizwe; ake libone ukuthi amehlo ami aseqaqabuke njani, ngoba nginambithe ingcosana yaloluju. 30 Kudlula kangakanani aluba abantu bebediile lokudla lamuhla okwempango yezitha zabo abayitholayo? Ngoba khathesi ukubulala kakubanga kukhulu phakathi kwamaFilisti. 31 Basebeshaya amaFilisti ngalolosuku kusukela eMikimashi kuze kube seAjalon. Abantu basebephele amandla kakhulu. 32

Abantu basebetheleka empangweni; bathatha izimvu, lezinkabi, lamathole enkomo, bakuhlabela emhlabathini; abantu bakudla kanye legazi. **33** Basebemtshela uSawuli besithi: Khangela, abantu bayona eNkosini ngokudla kanye legazi. Wasesithi: Lenze ngokungathembeki; giqelani kimi ilitse elikhulu lamuhla. **34** USawuli wasesithi: Zihlakazeni phakathi kwabantu lithi kibo: Sondezani kimi, ngulowo lalowo inkabi yakhe, langulowo lalowo imvu yakhe, lizihlabela lapha, lidle; njalo lingoni eNkosini ngokudla kanye legazi. Ngakho bonke abantu basondeza, ngulowo lalowo inkabi yakhe ngesandla sakhe ngalobobusuku, bazihlaba khona. **35** USawuli waseyakhela iNkosi ilathi; kwakulilathi lokuqala alakhela iNkosi. **36** USawuli wasesithi: Asehleni silandele amaFilisti ebusuku, siwaphange kuze kube yikukhanya kokusa, singatshiyi lamuntu kiwo. Basebesithi: Yenza konke okuhle emehlweni akho. Kodwa umpristi wathi: Asisondeleni lapha kuNkulunkulu. **37** USawuli wasebuza kuNkulunkulu wathi: Ngehle ngilandele amaFilisti yini? Uzawanikela esandleni sikalsrayeli yini? Kodwa kamphendulanga ngalolosuku. **38** USawuli wasesithi: Sondelani lapha lonke bakhokheli babantu, lazi libone ukuthi lesisono sikukuphi lamuhla. **39** Ngoba kuphila kukaJehova owasindisa ulsrayeli, lanxa kungaba kuJonathani indodana yami, isibili uzakufa lokufa. Kodwa kakho loyedwa owamphendulayo ebantwini bonke. **40** Wasesithi kulrsrayeli wonke: Banini nganxanye lina, mina-ke loJonathani indodana yami sizakuba nganxanye. Abantu basebesithi kuSawuli: Yenza okuhle emehlweni akho. **41** Ngakho uSawuli wathi eNkosini uNkulunkulu kalsrayeli: Phana opheleleyo. UJonathani loSawuli basebebanjwa, kodwa abantu baphunyuka. **42** USawuli wasesithi: Yenzani inkatho yokuphosa phakathi

kwami loJonathani indodana yami. UJonathani wasebanjwa.

43 USawuli wasesithi kuJonathani: Ngitshela okwenzileyo. UJonathani wasemtshele wathi: Oqotho nginambithe ngesihloko somqwayi obusesandleni sami imbijana yoluju; khangela ngilapha, sengizakufa! **44** USawuli wasesithi: UNkulunkulu kenze njalo langokunjalo engezelele; ngoba uzakufa lokufa, Jonathani.

45 Kodwa abantu bathi kuSawuli: Uzakufa yini uJonathani, owenze lolusindiso olukhulu koIsrayeli? Kakube khatshana! Kuphila kukaJehova, kakuyikwela emhlabathini lolulodwa unwele lwekhanda lakhe, ngoba usebenze loNkulunkulu lamuhla. Ngakho abantu bamhlenga uJonathani ukuthi angafi. **46** USawuli wasesenyuka esuka ekulandeleni amaFilisti; amaFilisti asesiya endaweni yawo. **47** USawuli wasethatha ubukhosi phezu kukoIsrayeli, walwa emelene lezitha zakhe zonke inhlangothi zonke, emelene loMowabi, njalo emelene labantwana bakoAmoni, njalo emelene loEdoma, njalo emelene lamakhosi eZoba, njalo emelene lamaFilisti; laloba ngaphi lapho aphendukela khona wayejezisa. **48** Wenza ngobuqhawe wasetshaya amaAmaleki, wakhulula uIsrayeli esandleni somphangi wakhe.

49 Lamadodana kaSawuli ayengoJonathani loShivi, loMaliki-Shuwa; lamabizo amadodakazi akhe amabili yila: Ibizo lezibulo lalinguMerabi, lebizu lencinyane linguMikhali. **50** Lebizu lomkaSawuli lalinguAhinowama indodakazi kaAhimahazi; lebizu lenduna yebutho lakhe lalinguAbhineri indodana kaNeri, uyise omncinyane kaSawuli. **51** Njalo uKishi wayenguyise kaSawuli, loNeri uyise kaAbhineri wayeyindodana kaAbiyeli.

52 Njalo kwakukhona impi enzima lamaFilisti zonke izinsuku zikaSawuli; lapho uSawuli ebona indoda elamandla loba iqhawe, wayezibuthela yona.

15 USamuweli wasesithi kuSawuli: INkosi yangithuma ukuthi ngikugcobe ube yinkosi phezu kwabantu bayo, phezu kukalrayeli; ngakho-ke lalela ilizwi lamazwi eNkosi. **2** Itsho njalo iNkosi yamabandla ithi: Ngizanzelela lokho uAmaleki akwenza kulrayeli, ukuthi wema njani emelene laye endleleni ekwenyukeni kwakhe eGibhithe. **3** Hamba-ke uyetshaya uAmaleki, utshabalalise konke alakho; ungamyekeli, kodwa ubulale kusukela kowesilisa kusiya kowesifazana, kusukela kusane kusiya komunyayo, kusukela enkabini kusiya emvini, kusukela ekamelweni kusiya kubabhemi. **4** USawuli wasebiza abantu, wababala eTelayimi, izinkulungwane ezingamakhulu amabili abahamba ngenyawo, lamadoda azinkulungwane ezilitshumi akoJuda. **5** USawuli wasefika emzini kaAmaleki, wacathama esigodini. **6** USawuli wasesithi kumaKeni: Hambani, lisuke, lehle liphume phakathi kwamaAmaleki, hlezi ngilibhubhise kanye lawo; ngoba lina lenza umusa kubo bonke abantwana bakolrayeli ekwenyukeni kwabo bephuma eGibhithe. Ngakho amaKeni asuka aphuma phakathi kwamaAmaleki. **7** USawuli wasetshaya amaAmaleki, kusukela eHavila uze uyefika eShuri ephambi kweGibhithe. **8** Wambamba uAgagi inkosi yamaAmaleki ephila; labo bonke abantu wabatshabalalisa ngobukhali benkemba. **9** Kodwa uSawuli labantu bamyekela uAgagi, lokuhle kakhulu kwezimvu lokwenkomo, lokunonisiweyo, lamawundlu, lakho konke okuhle; kabathandanga ukukutshabalalisa, kodwa yonke into edelelekayo lecakileyo bayitshabalalisa. **10** Kwasekufika ilizwi leNkosi kuSamuweli lisithi: **11** Sengizisola ngokuthi ngambeka uSawuli waba yinkosi; ngoba ubuyele emuva ekungilandeleni, kaqinisanga amazwi ami. USamuweli wasethukuthela, wakhala eNkosini ubusuku bonke. **12** USamuweli wasevuka ekuseni

kakhulu ukuhlangabeza uSawuli; kwasekutshelwa uSamuweli kuthiwa: USawuli usefikile eKharmeli; khangela-ke, uzimisele insika, wabhoda, wedlula, wehlela eGiligali. **13** USamuweli wasefika kuSawuli; uSawuli wathi kuye: Kawubusiswe yiNkosi; ngiliqinisile ilizwi leNkosi. **14** USamuweli wasesithi: Kuyini pho lokhukukhala kwezimvu endlebeni zami, lokubhonsa kwenkomo engikuzwayo? **15** USawuli wasesithi: Babuye lazo kumaAmaleki; ngoba abantu bayekele okuhle kakhulu kwezimvu lokwenkomo ukuze bahlabele iNkosi uNkulunkulu wakho; kodwa okuseleyo sikutshabalalisile. **16** USamuweli wasesithi kuSawuli: Yekela, ngikutshele ukuthi iNkosi itheni kimi kulobubusuku. Wasesithi kuye: Khuluma. **17** USamuweli wasesithi: Angithi, lapho usemncinyane emehlweni akho, waba yinhloko yezizwe zakolSrayeli, leNkosi yakugcoba waba yinkosi phezu kukalSrayeli? **18** INkosi ikuthumile-ke ngendlela yathi: Hamba uyetshabalalisa izoni, amaAmaleki, ulwe lawo aze aphele. **19** Pho, kungani ungalilalelanga ilizwi leNkosi, kodwa waphaphela impango, wenza okubi emehlweni eNkosi? **20** USawuli wasesithi kuSamuweli: Isibili ngililalele ilizwi leNkosi, ngihambile ngendlela iNkosi ebingithume ngayo, ngibuyile loAgagi inkosi yakoAmaleki, njalo ngitshabalalisile amaAmaleki. **21** Kodwa abantu bathethe okwempango, izimvu lenkomo, okuhle kwezinto ebezizatshabalaliswa, ukuze bahlabele iNkosi uNkulunkulu wakho eGiligali. **22** Kodwa uSamuweli wathi: Kambe iNkosi iyathokoza ngeminikelo yokutshiswa lemihlatshelo, njengekulaleleni ilizwi leNkosi? Khangela, ukulalela kungcono kulomhlatshelo, lokuqaphelisa kulamahwahwa ezingama. **23** Ngoba umvukela unjengesono sokuvumisa, lobuqholo buyisiphambeko lokukhonza izithombe.

Ngoba ulalile ilizwi leNkosi, layo ikwalile ukuthi ungabi yinkosi.

24 USawuli wasesithi kuSamuweli: Ngonile; ngoba ngeqile umlayo weNkosi lamazwi akho; ngoba ngesaba abantu, ngakho ngalalela ilizwi labo. **25** Ngakho-ke ake uthethelele isono sami, ubuyele lami, ukuze ngikhonze iNkosi. **26** Kodwa uSamuweli wathi kuSawuli: Kangiyikubuyela lawe ngoba ulalile ilizwi leNkosi, layo iNkosi ikwalile ukuthi ungabi yinkosi phezu kukalsrayeli.

27 Kuthe uSamuweli etshibilika ukuthi ahambe, wabamba umphetho wesembatho sakhe, sasesidabuka. **28** USamuweli wasesithi kuye: INkosi iwudabule kuwe lamuhla umbuso wakalsrayeli, yawunika umakhelwane wakho ongcono kulawe.

29 Futhi-ke aMandla kalsrayeli kawaqambi manga, kawazisoli, ngoba kawasimuntu ukuthi azisole. **30** Wasesithi: Ngonile, ake ungihloniphe khathesi phambi kwabadala babantu bakithi laphambi kukalsrayeli, ubuyele lami, ukuthi ngikhonze iNkosi uNkulunkulu wakho. **31** Ngakho uSamuweli wabuyela elandela uSawuli; uSawuli wayikhonza-ke iNkosi. **32** USamuweli wasesithi: Msondezeni kimi uAgagi inkosi yakoAmaleki. UAgagi wasesiya kuye ethokozile; uAgagi wathi: Isibili ukubaba kokufa sekudlulile.

33 USamuweli wasesithi: Njengoba inkemba yakho yemuke abesifazana abantwana, ngokunjalo unyoko uzakwemukwa abantwana phakathi kwabesifazana. USamuweli wasemhlahlela uAgagi phambi kweNkosi eGiligali. **34** USamuweli wasesiya eRama, loSawuli wenyukela endlini yakhe eGibeya kaSawuli.

35 USamuweli kaphindanga wambona uSawuli kwaze kwaba lusuku lokufa kwakhe, kodwa uSamuweli wamlilela uSawuli; leNkosi yazisola ngokuthi yayimbekile uSawuli abe yinkosi phezu kukalsrayeli.

16 INkosi yasisithi kuSamuweli: Koze kube nini umlilela uSawuli lokhu mina ngimalile ekubeni yinkosi phezu kukalsrayeli? Gcwalisa uphondo lwakho ngamafutha, uhambe; ngizakuthuma kuJese umBhethelhehema, ngoba ngizibonele emadodaneni akhe inkosi. **2** USamuweli wasesithi: Ngizahamba njani? Uba uSawuli ekuzwa, uzangibulala. INkosi yasisithi: Thatha ithokazi lenkomo esandleni sakho uthi: Ngizehlabela iNkosi. **3** Ubizele uJese emhlatshelweni; mina ngizakwazisa ozakwenza; uzangigcobela lowo engizamutsho kuwe. **4** USamuweli wasesenza lokho iNkosi ekutshiloyo, wafika eBhethelhehema. Abadala bomuzi basebethuthumela ukumhlangabeza bathi: Ukufika kwakho kulokuthula yini? **5** Wasesithi: Ukuthula; ngize ukuhlabela iNkosi; zingcweliseni, lize lami emhlatshelweni. Wasengcwelisa uJese lamadodana akhe, wababizela emhlatshelweni. **6** Kwasekusithi ekufikeni kwabo, wakhangela uEliyabi wathi: Isibili ogcotshiweyo wayo uphambi kweNkosi. **7** Kodwa iNkosi yathi kuSamuweli: Ungakhangele isimo sakhe lobude besithombo sakhe, ngoba ngimalile, ngoba kakunjengokubona komuntu, ngoba umuntu ubona okuphambi kwamehlo, kodwa iNkosi ibona enhliziyeni. **8** UJese wasebiza uAbinadaba, wamedlulisa phambi kukaSamuweli, kodwa wathi: Laye lo iNkosi kayimkhethanga. **9** UJese wasedlulisa uShama, kodwa wathi: Laye lo iNkosi kayimkhethanga. **10** UJese wasedlulisa amadodana akhe ayisikhombisa phambi kukaSamuweli. Kodwa uSamuweli wathi kuJese: INkosi kayibakhethanga laba. **11** USamuweli wasesithi kuJese: Abafana sebephelile yini? Wasesithi: Kusasele icinathunjana; khangela-ke, liyelusa izimvu. USamuweli wasesithi kuJese: Thuma ulithathe, ngoba kasiyikuhlala phansi lize lifike lapha. **12** Wasethuma walingenisa. Lona-ke lalibomvana lilamehlo

amahle lokukhangeleka okuhle. INkosi yasisithi: Sukuma, uligcobe, ngoba yilo leli. **13** USamuweli wasethatha uphondo lwamafutha, waligcoba phakathi kwabafowabo; uMoya weNkosi wasefika ngamandla phezu kukaDavida kusukela kulolosuku kusiya phambili. USamuweli wasesukuma waya eRama. **14** Kodwa uMoya weNkosi wasuka kuSawuli, lomoya omubi ovela eNkosini wamhlukuluza. **15** Izinceku zikaSawuli zasezisithi kuye: Ake ukhangele, umoya omubi kaNkulunkulu uyakwesabisa. **16** Ake itsho inkosi yethu kunceku zakho eziphambi kwakho ukuthi zidinge umuntu okwaziyo ukutshaya ichacho; kuzakuthi-ke lapho umoya omubi ovela kuNkulunkulu uphezu kwakho, uzatshaya ngesandla sakhe ukuze kube kuhle kuwe. **17** Ngakho uSawuli wathi ezincekwini zakhe: Ake lingibonele umuntu otshaya kuhle, limlethe kimi. **18** Omunye wamajaha wasephendula wathi: Khangela, ngibone indodana kaJese umBhethelhehema, ekwaziyo ukutshaya, futhi eliqhawe elilamandla, lendoda yempi, lehlakaniiphileyo endabeni, futhi indoda ebukekayo, leNkosi ilayo. **19** Ngakho uSawuli wathuma izithunywa kuJese, wathi: Thuma kimi uDavida indodana yakho osezimvini. **20** UJese wasethatha ubabhemi, ethwele isinkwa, lembodlela yewayini, lezinyane lembuzi elilodwa, wakuthumela ngesandla sikaDavida indodana yakhe kuSawuli. **21** UDavida wasefika kuSawuli, wema phambi kwakhe; wasemthanda kakhulu, wasesiba ngumthwali wezikhali zakhe. **22** USawuli wasehumela kuJese esithi: UDavida ake eme phambi kwami, ngoba uthole umusa emehlweni ami. **23** Kwakusithi-ke lapho umoya ovela kuNkulunkulu uphezu kukaSawuli, uDavida athathe ichacho atshaye ngesandla sakhe, ukuze uSawuli avuseleleke abe ngcono, lomoya omubi usuke kuye.

17 AmaFilisti asebuthele amabutho awo impi; abuthana eSoko engeyakoJuda, amisa inkamba phakathi kweSoko leAzeka, eEfesi-Damimi. **2** USawuli lamadoda akolsrayeli babuthana, bamisa inkamba esigodini seEla, bahlela impi ukumelana lamaFilisti. **3** AmaFilisti asesima entabeni ngapha, lolsrayeli wema entabeni ngale, lesigodi sasiphakathi kwabo. **4** Kwasekuphuma enkambeni yamaFilisti iqhawe; ibizo lalo lalinguGoliyathi weGathi; ubude balo babuyizingalo eziyisithupha lokwelulwa kweminwe. **5** Kwakulekhowa lethusi ekhanda lalo; laligqoke ibhatshi lensimbi elilamaxolo; njalo isisindo sebhatshi lensimbi sasingamashekeli ethusi ayizinkulungwane ezinhlanu. **6** Njalo kwakulemigwamazi yethusi emibaleni yalo, lomkhonto wethusi phakathi laphakathi kwamahlombe alo. **7** Loluthi lomkhonto walo lwalunjengogodo lomaluki, lengqamu yomkhonto walo yayingamashekeli ensimbi angamakhulu ayisithupha; lophatha isihlangu esikhulu wayehamba phambi kwalo. **8** Lema, lamemeza emaviyweni akolsrayeli lathi kuwo: Liphumelani ukuzahlela impi? Kangisuye umFilisti yini, lani izinceku zikaSawuli? Zikhetheleli umuntu ehlele kimi. **9** Uba elakho ukulwa lami angibulale, sizakuba yizigqili zenu; kodwa uba mina ngimehlula ngimbulale, lizakuba yizigqili zethu, lisisebenzele. **10** UmFilisti wasesithi: Mina ngiyaweyisa amaviyo akolsrayeli lamuhla; nginikani indoda ukuze silwisane. **11** Lapho uSawuli lolsrayeli wonke besizwa lamazwi omFilisti, batshaywa luvalo, besaba kakhulu. **12** UDavid wayeyindodana yalowomEfrathi weBhethelhehema-Juda, obizo lakhe lalinguJese; wayelamadodana ayisificaminwembili. Njalo lowomuntu wahamba njengomuntu omdala phakathi kwamadoda ensukwini zikaSawuli. **13** Asehamba amadodana amathathu kaJese amadala, amlandela uSawuli empini. Lamabizo

amadodana akhe amathathu ayeyile empini ayenguEliyabi izibulo, lowesibili wakhe uAbinadaba, lowesithathu uShama. **14** Njalo uDavida nguye owayelicinathunjana; lamathathu amadala alandela uSawuli. **15** Kodwa uDavida wahamba wabuyela esuka kuSawuli ukuyakwelusa izimvu zikayise eBhethlehem. **16** UmFilisti wayesondela-ke ekuseni kakhulu lantambama ezimisa okwensuku ezingamatshumi amane. **17** UJese wasesithi kuDavida indodana yakhe: Ake uthathele abafowenu i-efa lamabele akhazangiweyo, lalezizinkwa ezilitshumi, ugijimele enkambeni kubafowenu. **18** Laleziziqqa zetshizi ezilitshumi uziphathele induna yenkulungwane; ubone impilakahle yabafowenu, uthathe isibambiso kibo. **19** Njalo uSawuli, labo, lawo wonke amadoda akolSrayeli babesesigodini seEla besilwa lamaFilisti. **20** UDavida wasevuka ekuseni kakhulu, watshiya izimvu kumlindi, wakuthatha wahamba njengokulaywa kwakhe nguJese. Wafika enqabeni yezinqola lapho ibutho liphuma ngamaviyo, bememezela impi. **21** Njalo ulsrayeli lamaFilisti bahlela iviyo laqondana leviyo. **22** UDavida wasetshiya impahla ezisuka kuye ngaphansi kwesandla somlindi wempahla, wagijimela eviyweni wafika wabuza abafowabo impilakahle. **23** Esakhuluma labo, khangela, iqhawe lenyuka, ibizo lalo lalinguGoliyathi, umFilisti weGathi, laphuma emaviyweni amaFilisti, lakhuluma njengokwalawomazwi; loDavida wawezwa. **24** Njalo wonke amadoda akolSrayeli athi embona lowomuntu ambalekela, esaba kakhulu. **25** Amadoda akolSrayeli athi-ke: Limbonile lowana umuntu owenyukileyo yini? Ngoba wenyukele ukweyisa ulsrayeli. Kuzakuthi-ke indoda ezambulala, inkosi izayinothisa ngenotho enkulu, iyinike lendodakazi yayo, lendlu kayise izayenza ikhululeke kolSrayeli. **26** UDavida wasekhuluma

emadodeni ayemi laye esithi: Kuzakwenziwani endodeni ebulala lumFilisti, isuse ihlazo kolsrayeli? Ngoba ungubani lumFilisti ongasokanga ukuthi aweyise amaviyo kaNkulunkulu ophilayo? 27 Abantu basebemphendula njengalelolizwi besithi: Kuzakwenziwa njalo endodeni embulalayo. 28 UEllyabi umnewabo omdala wezwa-ke lapho ekhuluma lamadoda; lentukuthelo kaEllyabi yavuthela uDavida, wathi: Wehleleleni lapha? Izimvu leziyana ezinlutshwana uzitshiye lobani egangeni? Mina ngiyakwazi ukuziqhenya kwakho lobubi benhliziyo yakho; ngoba wehlele ukubona impi. 29 Kodwa uDavida wathi: Sengenzeni? Bekungasilizwi nje yini? 30 Wasemfulathela, waya komunye, wakhuluma laye njengokwalelolizwi; abantu basebebuyisela impendulo kuye njengelizwi lakuqala. 31 Lapho sebewezwile amazwi uDavida awakhulumayo, bawakhuluma phambi kukaSawuli; wasememukela. 32 UDavida wasesithi kuSawuli: Kakungehluleki inhliziyu yomuntu ngenxa yakhe; inceku yakho izahamba iyekulwa lalowomFilisti. 33 Kodwa uSawuli wathi kuDavida: Ungeke waya kulumFilisti ukulwa laye; ngoba wena ungumfana, yena-ke uyindoda yempi kusukela ebutsheni bakhe. 34 Kodwa uDavida wathi kuSawuli: Inceku yakho yayiselusa izimvu zikayise; lapho kwafika isilwane lebhene, kwathatha imvu emhlanjini, 35 ngaphuma ngakulandela, ngakutshaya, ngayikhulula emlonyeni wakho; lapho kungivukela, ngakubamba ngendevu, ngakutshaya, ngakubulala. 36 Inceku yakho yabulala kokubili isilwane lebhene; lalo umFilisti ongasokanga uzakuba njengokunye kwakho, lokhu eyise amaviyo kaNkulunkulu ophilayo. 37 UDavida wathi futhi: INkosi eyangophula kuzipho lwesilwane lakuzipho lwebhene, yona izangophula esandleni salo umFilisti. USawuli wasesithi

kuDavida: Hamba, leNkosi kayibe lawe. **38** USawuli wasegqokisa uDavida izigqoko zakhe, wafaka ikhowa lethusi ekhanda lakhe, wamgqokisa ibhatshi lensimbi. **39** UDavida wasebhinca inkemba yakhe phezu kwezigqoko zakhe, walinga ukuhamba, ngoba wayengakuzamanga. UDavida wasesithi kuSawuli: Kangilakho ukuhamba ngilalezizinto ngoba kangizizamanga. UDavida wasezikhumula kuye. **40** Wasethatha umqwayi wakhe esandleni sakhe, wazikhethela amatshe amahlanu abutshelezi esifuleni, wawafaka esikhwameni sikamelusi ayelaso, ngitsho emxhakeni, lesavutha sakhe sasisesandleni sakhe, wasesondela kumFilisti. **41** UmFilisti wasehamba waya wasondela kuDavida; lomuntu ophethe isihlangu esikhulu wayephambi kwakhe. **42** Kwathi umFilisti ekhangela ebona uDavida, wameyisa; ngoba wayengumfana njalo ebomvana elobuso obubukekayo. **43** UmFilisti wasesithi kuDavida: Ngiyinja yini ukuthi wena uze kimi ulezinduku? UmFilisti wasemqalekisa uDavida ngabonkulunkulu bakhe. **44** UmFilisti wasesithi kuDavida: Woza kimi, ngizanika inyoni zamazulu lenyamazana zeganga inyama yakho. **45** UDavida wasesithi kumFilisti: Wena uza kimi ulenkemba, lomkhonto, lomdikadika; kodwa mina ngiza kuwe ngebizo leNkosi yamabandla, uNkulunkulu wamaviyo akoIsrayeli omeyisileyo. **46** Lamuhla iNkosi izakuvalela esandleni sami, ngizakutshaya, ngisuse ikhanda lakho kuwe; nginike lamuhla inyoni zamazulu lenyamazana zomhlaba izidumbu zebutho lamaFilisti, ukuze umhlaba wonke wazi ukuthi kukhona uNkulunkulu koIsrayeli. **47** Lalelibandla lonke lizakwazi ukuthi iNkosi kayisindisi ngenkemba langomkhonto; ngoba impi ngeyeNkosi, njalo izalinekela esandleni sethu. **48** Kwasekusithi lapho umFilisti esukuma ehamba esondela ukuhlangabeza uDavida, uDavida

wasephangisa wagijimela ngaseviyweni ukuhlangana lomFilisti.

49 UDavida wasefaka isandla sakhe esikhwameni, wakhupha khona ilitshe, walijikijela, wamtshaya umFilisti ebunzini lakhe ilitshe laze latshona ebunzini lakhe, wawela emhlabathini ngobuso bakhe. **50** Ngalokho uDavida wamehlula umFilisti ngesavutha langelitshe, wamtshaya umFilisti, wambulala; kodwa kwakungelankemba esandleni sikaDavida. **51** Ngakho uDavida wagijima wema phezu komFilisti, wathatha inkemba yakhe, wayihwatsha esikhwameni sayo, wambulala, waquma ikhanda lakhe ngayo. Lapho amaFilisti ebona ukuthi iqhawe lawo selifile, abaleka. **52** Lamadoda akoIsrayeli lawakoJuda asukuma amemeza, axotshana lamaFilisti uze uyefika esigodini lemasangweni eEkhironi. Labalimeleyo bamaFilisti bawela endleleni yeShaharayimi kuze kube seGathi njalo kuze kube seEkhironi. **53** Abantwana bakoIsrayeli basebephenduka ekuxotshaneni ngamandla lamaFilisti, baphanga inkamba zawo. **54** UDavida wasethatha ikhanda lomFilisti, waliletha eJerusema; kodwa wabeka izikhali zakhe ethenteni lakhe. **55** Lapho uSawuli ebona uDavida ephuma ukuyahlangabeza umFilisti, wathi kuAbhineri induna yebutho: Uyindodana kabani lumfana Abhineri? UAbhineri wasesithi: Kuphila kumphefumulo wakho, nkosi, kangazi. **56** Inkosi yasisithi: Buza wena ukuthi liyindodana kabani lelijaha. **57** Lapho uDavida esephendukile ekubulaleni umFilisti, uAbhineri wamthatha, wamusa phambi kukaSawuli elekhanda lomFilisti esandleni sakhe. **58** USawuli wasesithi kuye: Uyindodana kabani, jaha? UDavida wasesithi: Ngiyindodana yenceku yakho uJese umBhethelhehema.

18 Kwasekusithi eseqedile ukukhuluma loSawuli, umphefumulo kaJonathani wabotshelwa emphefumulweni kaDavid;

uJonathani wasemthanda njengomphefumulo wakhe. 2 USawuli wasemthatha ngalolosuku, kaze amvumela ukubuyela endlini kayise. 3 UJonathani loDavida basebesenza isivumelwano ngoba wamthanda njengomphefumulo wakhe. 4 UJonathani wasezikhulula ibhatshi ayeligqokile, walinika uDavida, lezembatho zakhe, kuze kube senkembeni yakhe, kuze kube sedandilini lakhe, njalo kuze kube sebhintini lakhe. 5 UDavida wasephuma waya loba ngaphi lapho uSawuli amthuma khona, waziphatha ngenhlakanipho, uSawuli waze wambeka phezu kwamadoda empi. Njalo wayelungile emehlweni abantu bonke njalo lemehlweni ezinceku zikaSawuli. 6 Kwasekusithi ekufikeni kwabo, uDavida esebuye ekubulaleni umFilisti, abesifazana baphuma emizini yonke yakolSrayeli, behlabela, begida, ukuhlangabeza uSawuli inkosi ngezigubhu, ngentokozo, langamachacho. 7 Abesifazana basebevumelana bedlala bathi: USawuli utshayile izinkulungwane zakhe, kodwa uDavida izinkulungwane zakhe ezingamatshumi. 8 USawuli wasethukuthela kakhulu, lalelizwi lalilibi emehlweni akhe, wathi: Banike uDavida izinkulungwane ezingamatshumi, kodwa mina banginika izinkulungwane; usesalelwe ngumbuso kuphela. 9 USawuli wasemqaphela uDavida kusukela kulolosuku kusiya phambili. 10 Kwasekusithi kusisa umoya omubi ovela kuNkulunkulu wafika ngamandla phezu kukaSawuli, waprofetha phakathi kwendlu; uDavida wasetshaya ichacho ngesandla sakhe njengensuku ngensuku; njalo kwakulomkhonto esandleni sikaSawuli. 11 USawuli wasewuphosa umkhonto wathi: Ngizammandakanya uDavida ngitsho emdulini. Kodwa uDavida wavika kabili esuka phambi kwakhe. 12 USawuli wayemesaba-ke uDavida ngoba iNkosi yayilaye, kodwa yayisisukile kuSawuli. 13 Ngakho uSawuli wasemsusa kuye,

wambeka waba yinduna yakhe yabayizinkulungwane; njalo wayephuma engena phambi kwabantu. **14** UDavida waseziphatha ngenhlakanipho endleleni zakhe zonke, leNkosi yayilaye. **15** Lapho uSawuli ebona ukuthi waziphatha ngenhlakanipho enkulu, wamesaba. **16** Kodwa ulsrayeli wonke loJuda bamthanda uDavida, ngoba wayephuma engena phambi kwabo. **17** USawuli wasesithi kuDavida: Khangela, indodakazi yami endala uMerabi, ngizakunika yona ibe ngumkakho; kuphela bana liqhawe kimi, ulwe izimpi zeNkosi. Ngoba uSawuli wathi: Isandla sami kasingabi phezu kwakhe, kodwa isandla samaFilisti kasibe phezu kwakhe. **18** Kodwa uDavida wathi kuSawuli: Ngingubani mina? Lempilo yami iyini, losendo lukababa kolsrayeli, ukuthi ngibe ngumkhwenyana wenkosi? **19** Kodwa kwathi ngesikhathi uMerabi indodakazi kaSawuli ayezani kwa ngaso uDavida, wayesenikwe uAdriyeli umMehola ukuba ngumkakhe. **20** UMikhali indodakazi kaSawuli wamthanda-ke uDavida; basebemtshela uSawuli, lalolodaba lwaluqondile emehlweni akhe. **21** USawuli wasesithi: Ngizamnika yena ukuze abe ngumjibila kuye, lokuze isandla samaFilisti simelane laye. Ngakho uSawuli wathi kuDavida: Ngokwesibili uzakuba ngumkhwenyana wami lamuhla. **22** USawuli waselaya inceku zakhe wathi: Khulumani loDavida ngensitha lithi: Khangela, inkosi iyathokoza ngawe, lazo zonke inceku zayo ziyakuthanda; ngakho-ke woba ngumkhwenyana wenkosi. **23** Izinceku zikaSawuli zasezikhuluma lawomazwi endlebeni zikaDavida. UDavida wasesithi: Kuyinto elula yini emehlweni enu ukuba ngumkhwenyana wenkosi, lokhu mina ngingumuntu ongumyanga lodelelekayo? **24** Lenceku zikaSawuli zamtshela zisithi: UDavida wakhuluma ngalindlela. **25** USawuli wasesithi: Lizakutsho njalo kuDavida lithi: Inkosi kayiloyisi

lobolo, kodwa amajwabu aphambili alikhulu amaFilisti, ukuze kuphindiselwe ezitheni zenkosi. Kodwa uSawuli wacabanga ukwenza uDavida awe ngesandla samaFilisti. **26** Lapho inceku zakhe zimtshela uDavida lawomazwi, udaba lwalulungile emehlweni kaDavida ukuthi abe ngumkhwenyana wenkosi. Kodwa insuku zazingakagcwaliseki. **27** Ngakho uDavida wasukuma wahamba, yena labantu bakhe, basebetshaya phakathi kwamaFilisti amadoda angamakhulu amabili; uDavida waseletha amajwabu awo aphambili, wawasa enkosini ephelele ukuze abe ngumkhwenyana wenkosi. USawuli wasemnika uMikhali indodakazi yakhe ukuthi abe ngumkakhe. **28** USawuli wasebona wazi ukuthi iNkosi iloDavida, loMikhali indodakazi yakhe yamthanda. **29** Njalo uSawuli waya lokhu emesaba kakhulu uDavida; njalo uSawuli waba yisitha sikaDavida zonke izinsuku. **30** Iziphathamandla zamaFilisti zaseziphuma; kwasekusithi seziphumile uDavida waziphatha ngenhlakanipho okwedlula zonke izinceku zikaSawuli, laze laduma kakhulu ibizo lakhe.

19 USawuli wasekhuluma kuJonathani indodana yakhe lakuzo zonke inceku zakhe ukuthi babulale uDavida. Kodwa uJonathani indodana kaSawuli wayemthanda kakhulukazi uDavida. **2** UJonathani wasemtshela uDavida esithi: USawuli ubaba udinga ukukubulala; ngakho-ke ake uzinanzelele ekuseni, uhlale ekusithekeni, ucatshe. **3** Mina-ke ngizaphuma ngime eceleni kukababa emmangweni lapho okhona, mina ngizakhuluma ngawe kubaba; lengikubonayo ngizakutshela. **4** UJonathani wasekhuluma okuhle ngoDavida kuSawuli uyise, wathi kuye: Inkosi kayingayoni inceku yayo, imelane loDavida, ngoba kakonanga wena, langokunjalo imisebenzi yakhe ilungile kakhulu kuwe. **5** Ngoba wafaka impilo yakhe esandleni

sakhe watshaya umFilisti; leNkosi yenzela ulsrayeli wonke usindiso olukhulu. Wakubona, wathokoza. Pho, uzalanelani igazi elingelacala ngokubulala uDavida kungelasizatho? 6 USawuli waselilalela ilizwi likaJonathani, uSawuli wafunga wathi: Kuphila kukaJehova, kayikubulawa. 7 UJonathani wasembiza uDavida, uJonathani wamtshela wonke lawomazwi. UJonathani wasemletha uDavida kuSawuli, njalo wayephambi kwakhe njengakuqala. 8 Kwabuya kwaba khona impi; uDavida wasephuma walwa lamaFilisti, wawatshaya ngokutshaya okukhulu aze ambalekela. 9 Njalo umoya omubi ovela eNkosini wawuphezu kukaSawuli ehlezi endlini yakhe, lomkhonto usesandleni sakhe; loDavida wayetshaya ichacho ngesandla sakhe. 10 USawuli wasedinga ukummbandakanya uDavida ngitsho emdulini ngomkhonto; kodwa waphunyuka ebukhoni bukaSawuli, owahlaba umkhonto emdulini. UDavida wabaleka waphepha ngalobubusuku. 11 USawuli wasethuma izithunywa endlini kaDavida ukuze zimqaphele zimbulale ekuseni. UMikhali umkakhe wasemtshela uDavida esithi: Uba ungasindisi impilo yakho ngalobubusuku, kusasa uzabulawa. 12 Ngakho uMikhali wasemehlisa uDavida ngewindi, wasehamba wabaleka waphepha. 13 UMikhali wasethatha isithombe, wasifaka embhedeni, wabeka umqamelo woboya bambuzi endaweni yekhanda laso, wasembesa ngelembu. 14 Lapho uSawuli ethuma izithunywa ukuthatha uDavida, wathi: Uyagula. 15 USawuli wasethuma izithunywa ukubona uDavida esithi: Menyuseleni kimi ngombheda ukuze ngimbulale. 16 Lapho izithunywa zingena, khangela-ke, kwakulesithombe embhedeni, lomqamelo woboya bambuzi endaweni yekhanda laso. 17 USawuli wasesithi kuMikhali: Ungikhohliseleni kanje, wayekela

isitha sami sahamba saphepha? UMikhali wasesithi kuSawuli: Yena uthe kimi: Ngiyekela ngihambe; ngizakubulalelani? **18** Ngokunjalo uDavida wabaleka waphunyuka, wafika kuSamuweli eRama; wamtshela konke uSawuli ayekwenze kuye. Yena loSamuweli basebesiyahlala eNayothi. **19** USawuli wasebikelwa kwathiwa: Khangela, uDavida useNayothi eRama. **20** USawuli wasethuma izithunywa ukumthatha uDavida; lapho zibona ixuku labaprofethi beprofetha, loSamuweli emi engumkhokheli phezu kwabo, uMoya kaNkulunkulu waba phezu kwezithunywa zikaSawuli, lazo zaseziprofetha. **21** Lapho ebikelwa uSawuli, wathuma ezinye izithunywa, zona lazo zaprofetha. USawuli wasephinda ethuma izithunywa ngokwesithathu, zona lazo zaprofetha. **22** Laye wasesiya eRama, wafika emthonjeni omkhulu oseSeku, wabuza wathi: Bangaphi oSamuweli loDavida? Kwathiwa: Khangela, eNayothi eRama. **23** Wasesiya khona eNayothi eRama; loMoya kaNkulunkulu waba phezu kwakhe laye; wahamba ehamba eprofetha waze wafika eNayothi eRama. **24** Laye wasekhulula izigqoko zakhe, laye waprofetha phambi kukaSamuweli, walala phansi enqunu lonke lolosuku labo bonke lobobusuku. Yikho besithi: USawuli laye uphakathi kwabaprofethi yini?

20 UDavida wasebaleka esuka eNayothi eRama, wafika wathi phambi kukaJonathani: Ngenzeni? Isiphambeko sami siyini? Lesono sami siyini phambi kukayihlo ukuze adinge umphefumulo wami? **2** Wasesithi kuye: Kakube khatshana! Kawusoze ufe; khangela, ubaba kenzi ulutho olukhulu loba ulutho oluncinyane engakuvezi endlebeni yami. Pho, ubaba uzayifihlelani kimi linto? Kayisikho. **3** UDavida wasefunga futhi wathi: Uyihlo uyakwazi lokwazi ukuthi ngithole umusa

emehlweni akho; ngakho uthi: UJonathani kangakwazi hlezi
abe losizi. Kodwa ngeqiniso, kuphila kukaJehova njalo kuphila
komphefumulo wakho, kukhona inyathelo nje phakathi kwami
lokufa. 4 UJonathani wasesithi kuDavida: Lokho umphefumulo
wakho okuloyisayo, ngizakwenzela khona. 5 UDavida wasesithi
kuJonathani: Khangela, kusasa yikuthwasa kwenyanga; mina-
ke ngifanele ukuhlala lokuhlala ukuthi ngidle lenkosi; kodwa
ngiyekela ngihambe ngiyecatsha egangeni kuze kube lusuku
lwesithathu kusihlwa. 6 Uba uyihlo engiswela lokungiswela,
uzakuthi: UDavida ungicelile lokungicela ukuthi agijimele
eBhethlehem umuzi wakibo; ngoba kukhona lapho umhlatshele
weminyaka ngeminyaka owenzelwe usendo lonke. 7 Uba
esitsho njalo: Kulungile; inceku yakho izakuba lokuthula.
Kodwa uba ethukuthela lokuthukuthela, yazi ukuthi ububi
buqondwe nguye. 8 Ngakho yenzela inceku yakho umusa,
ngoba ulethe inceku yakho esivumelwaneni seNkosi lawe.
Kodwa uba kulesiphambeko kimi, ngibulala wena; ngoba
uzangiselani kuyihlo? 9 UJonathani wasesithi: Kakube khatshana
lami! Ngoba uba bengisazi lokwazi ukuthi ububi buqondwe
ngubaba ukuthi bukwehlele, mina bengingayikukutshela yini?
10 UDavida wasesithi kuJonathani: Ngubani ozangitshela uba
uyihlo ekuphendula ngolaka? 11 UJonathani wasesithi kuDavida:
Woza siphume siye emmangweni. Basebephuma bobabili
besiya emmangweni. 12 UJonathani wasesithi kuDavida:
iNkosi, uNkulunkulu kaIsrayeli, lapho sengimhlolile ubaba phose
ngalesisikhathi kusasa loba ngomhlomunye, uba, khangela,
kukuhle kuDavida, uba ngingathumeli kuwe ngalesosikhathi
ngikuveze endlebeni yakho, 13 kayenze njalo iNkosi kuJonathani,
langokunjalo yengezelele. Uba ububi phezu kwakho bulungile

kubaba, ngizakuveza endlebeni yakho, ngikuyekele uhambe ukuze uhambe ngokuthula. Njalo iNkosi ibe lawe njengoba yayilobaba. **14** Kawuyikungenzela yini umusa weNkosi, ngitsho, nxa ngisaphila, ukuze ngingafi, **15** kodwa kawuyikuquma umusa wakho usuke endlini yami kuze kube phakade, njalo hatshi lapho iNkosi isiziqumile izitha zikaDavida, zisuke ngulowo lalowo ebusweni bomhlaba. **16** Ngokunjalo uJonathani wenza isivumelwano lendlu kaDavida, esithi: INkosi kayikubize esandleni sezitha zikaDavida. **17** UJonathani wasephinda wamfungisa uDavida ngenxa yokumthanda kwakhe; ngoba wayemthanda njengoba ethanda umphefumulo wakhe. **18** UJonathani wasesithi kuye: Kusasa yikuthwasa kwenyanga, njalo uzaswelwa ngoba isihlalo sakho sizakuba size. **19** Usuhlale insuku ezintathu uzakwehla masinyane, uze endaweni owacatsha khona ngosuku lwendaba leyo, uzahlala eduze lamatshe e-Ezeli. **20** Mina-ke ngizatshoka imitshoko emithathu eceleni, kungathi ngitshoka ibala. **21** Khangela-ke, ngizathuma umfana ngithi: Hamba uyeyidinga imitshoko. Uba ngisithi lokuthi emfaneni: Khangela, imitshoko inganeno kwakho, ithathe, ubuye; ngoba kulokuthula kuwe, njalo kakulandaba, kuphila kukaJehova! **22** Kodwa uba ngisitsho njalo ejaheni: Khangela, imitshoko ingale kwakho; hamba ngoba iNkosi ikuyekele uhambe. **23** Mayelana lendaba esikhulume ngayo mina lawe, khangela, iNkosi iphakathi kwami lawe kuze kube nininini. **24** Ngakho uDavida wasecatsha emmangweni. Isithwasile inyanga, inkosi yahlala ekudleni ukuze idle. **25** Inkosi yasihlala esihlalweni sayo njengezikhathi ngezikhathi, esihlalweni eduze lomduli; uJonathani wasesukuma, loAbhineri wahlala eceleni kukaSawuli; kodwa indawo kaDavida yayize. **26** Kodwa uSawuli katshongo lutho

ngalolosuku; ngoba wathi: Okuthile kumehlele; kahlambulukanga, isibili kahlambulukanga. 27 Kwasekusithi kusisa, ngolwesibili lokuthwasa kwenyanga, indawo kaDavida yayize. USawuli wasesithi kuJonathani indodana yakhe: Kungani indodana kaJese ingezanga ekudleni ngitsho izolo lalamuhla? 28 UJonathani wasephendula uSawuli wathi: UDavida wangicela lokungicela ukuthi aye eBhethlehem. 29 Wasesithi: Akungivumele ukuthi ngihambe; ngoba usendo lwakwethu lulomhlatshelo emzini, lomfowethu ungilayile. Khathesi-ke uba ngithole umusa emehlweni akho, ake ngikhululeke ukuthi ngiyebona abafowethu. Ngenxa yalokho kezanga etafuleni lenkosi. 30 Khona intukuthelo kaSawuli yamvuthela uJonathani, wathi kuye: Ndodana yomfazi owonakeleyo lovukelayo! Kangazi yini ukuthi uyikhethile indodana kaJese, kube lihlahlo lakho, njalo kube lihlahlo lobunqunu bukanyoko? 31 Ngoba zonke izinsuku indodana kaJese iphila emhlabeni, kawuyikuma wena lombuso wakho. Ngakho-ke thuma umlethe kimi, ngoba uyindodana yokufa. 32 UJonathani wasephendula uSawuli uyise wathi kuye: Uzabulawelwani? Wenzeni? 33 USawuli wasephosa umkhonto kuye ukumtshaya. Ngalokho uJonathani wakwazi ukuthi kwakuqondwe nguyise ukumbulala uDavida. 34 Ngakho uJonathani wasuka etafuleni ekuvutheni kwentukuthelo, njalo kadlanga ukudla ngosuku lwesibili lokuthwasa kwenyanga, ngoba wayedabukile ngoDavida, ngoba uyise emyangisile. 35 Kwasekusithi ekuseni uJonathani waphuma waya emmangweni ngesikhathi esimisiweyo loDavida, lomfanyana elaye. 36 Wasesithi emfaneni wakhe: Gijima, ake udinge imitshoko engiyitshokayo. Umfana wagijima, yena wasetshoka umtshoko ukuze umedlule. 37 Lapho umfana esefikile endaweni yomtshoko uJonathani awutshokileyo, uJonathani

wamemeza emva komfana wathi: Umtshoko kawuphambi kwakho yini? **38** Njalo uJonathani wamemeza emva komfana wathi: Phangisa, ukhawuleze, ungemi. Umfana kaJonathani waseyiqoqa imitshoko, wabuya enkosini yakhe. **39** Kodwa umfana wayengazi lutho, kuphela uJonathani loDavida babelwazi udaba. **40** UJonathani wasenika umfana owayelaye izikhali zakhe, wathi kuye: Hamba, uzise emzini. **41** Esehambile umfana, uDavida wasukuma ngaseningizimu, wathi mbo ngobuso bakhe emhlabathini, wakhothama kathathu; basebesangana, bakhala inyembezi omunye lomunye, uDavida waze wedlulisa. **42** UJonathani wasesithi kuDavida: Hamba ngokuthula; lokhu esikufunge sobabili ngebizo leNkosi, sisithi: INkosi ibe phakathi kwami lawe, laphakathi kwenzalo yami lenzalo yakho, kakube kuze kube nininini. Wasesukuma wahamba, loJonathani waya emzini.

21 UDavida wasesiza eNobi kuAhimeleki umpristi; uAhimeleki wasesesaba ukuhlangabeza uDavida, wathi kuye: Kungani wena uwedwa, njalo kungelamuntu olawe? **2** UDavida wasesithi kuAhimeleki umpristi: Inkosi ingilaye udaba, yathi kimi: Kakungabi lamuntu owazi lalutho ngaloludaba engikuthuma lona, lengikulaya khona; lamajaha ngiwazisile ngendawo enje lenje. **3** Khathesike kuyini okungaphansi kwesandla sakho? Nika esandleni sami izinkwa ezinhlanu loba okungatholakala. **4** Umpristi wasephendula uDavida wathi: Kakulasinkwa esejwayelekileyo ngaphansi kwesandla sami, kodwa kulesinkwa esingcwele, nxa amajaha ezigcinile esifazaneni kuphela. **5** UDavida wasephendula umpristi wathi kuye: Isibili abesifazana bavinjelwe kithi phose lezinsuku ezintathu ekuphumeni kwami; lezitsha zamajaha zingcwele; kodwa ngandlela thize

sejwayelekile, laphezu kwalokho, ngoba lamuhla singcweliswe ezitsheni. **6** Ngakho umpristi wamnika esingcwele; ngoba kwakungelasinkwa lapho, ngaphandle kwesinkwa sokubukiswa, ebebisuswe phambi kweNkosi ukuthi kubekwe isinkwa esitshisayo mhla sithathwa. **7** Njalo kwakulomuntu lapho owenceku zikaSawuli mhlalokho, ebambekile phambi kweNkosi, lebizo lakhe lalinguDowegi umEdoma, induna yabelusi uSawuli ayelabo. **8** UDavida wasesithi kuAhimeleki: Kanti kakulamkhonto loba inkemba lapha ngaphansi kwesandla sakho? Ngoba kokubili inkemba yami lezikhali zami kangikuthathanga esandleni sami, ngoba udaba lwenkosi lwalungoluphuthunywayo. **9** Umpristi wasesithi: Inkemba kaGoliyathi umFilisti, owambulala esigodini seEla, njalo khangela, igoqelwe ngelembu ngemva kwe-efodi; uba uzithathela yona, ithathe, ngoba kayikho enye lapha ngaphandle kwayo. UDavida wasesithi: Kayikho enjengayo; nginika yona. **10** Wasesukuma uDavida wabaleka ngalolosuku esuka ebusweni bukaSawuli, waya kuAkishi inkosi yeGathi. **11** Izinceku zikaAkishi zasezisithi kuye: Lo kayisuye uDavida yini inkosi yelizwe? Kabahlabelanga yini ngaye emigidweni besithi: USawuli utshayile izinkulungwane zakhe, kodwa uDavida inkulungwane zakhe ezingamatshumi? **12** UDavida wasewafaka lamazwi enhliziyweni yakhe, wamesaba kakhulu uAkishi inkosi yeGathi. **13** Ngakho waguqula ukuziphatha kwakhe emehlweni abo, wazitshaya uhlanya ezandleni zabo, wadweba ezivalweni zamasango, wagxozisela indenda esilevini sakhe. **14** UAkishi wasesithi ezincekwini zakhe: Khangelani, liyabona ukuthi lumuntu uyahlanya; limletheleni kimi? **15** Ngiswele inhlanya yini ukuthi lilethe lo ukuthi ahlanye phambi kwami? Lo uzangena endlini yami yini?

22 UDavida wasesuka lapho, waphephela ebhalwini lweAdulamu. Lapho abafowabo lendlu yonke kayise bekuzwa lokho, behlela kuye lapho. **2** Kwasekubuthana kuye wonke umuntu ocindezelweyo, laye wonke umuntu owayelesikwelede, laye wonke umuntu owayebuhlungu emphefumulweni, wasesiba yinduna phezu kwabo, kwaze kwaba laye phose abantu abangamakhulu amane. **3** UDavida wasesuka lapho waya eMizipa yakoMowabi, wathi enkosini yakoMowabi: Ngiyacela ukuthi ubaba lomama baphume lani, ngize ngazi ukuthi uNkulunkulu uzangenzelani. **4** Wasebaletha phambi kwenkosi yakoMowabi, basebehlala layo insuku zonke uDavida esengqabeni. **5** Umprofethi uGadi wasesithi kuDavida: Ungahlali engqabeni; hamba wena ngena elizweni lakoJuda. UDavida wasehamba wangena eguswini leHerethi. **6** USawuli wasesizwa ukuthi uDavida uyaziwa labantu ababelaye. USawuli wayehlezi eGibeya ngaphansi kwesihlahla setamarisiki eRama, elomkhonto esandleni sakhe, lazo zonke inceku zakhe zazimi laye. **7** USawuli wasesithi ezincekwini zakhe ezazimi laye: Ake lizwe, bakoBhenjamini: Kambe indodana kaJese izalinika lonke amasimu lezivini, ilibeke lonke libe zinduna zezinkulungwane lezinduna zamakhulu, **8** ngokuthi lonke lingenzele ugobe, njalo kakho owembule endlebeni yami ukuthi indodana yami yenza isivumelwano lendodana kaJese; kakho loyedwa kini ongizwelayo, lowembula endlebeni yami, ukuthi indodana yami ingivusela inceku yami ukuthi icathame njengalamuhla? **9** Kwasekuphendula uDowegi umEdoma owayemi lenceku zikaSawuli, wathi: Ngayibona indodana kaJese isiza eNobi kuAhimeleki indodana kaAhitubi. **10** Wasembuzela eNkosini, wamnika umphako, lenkemba kaGoliyathi umFilisti wamnika

yon. 11 Inkosi uSawuli yasithuma ukubiza uAhimeleki umpristi, indodana kaAhitubi, lendlu yonke kayise, abapristi ababeseNobi; bonke basebesiza enkosini. 12 USawuli wasesithi: Ake ulalele, ndodana kaAhitubi. Wasesithi: Khangela ngilapha, nkosi yami. 13 USawuli wasesithi kuye: Kungani lingenzela ugobe, wena lendodana kaJese, njengoba wayinika isinkwa lenkemba, wayibuzela kuNkulunkulu, ukuthi ingivukele icathame njengalamuhla? 14 UAhimeleki waseyiphendula inkosi wathi: Pho, ngubani kuzo zonke inceku zakho othembekileyo njengoDavida, ongumkhwenyana wenkosi, oqhubeka ekukulaleleni, lohloniphekayo endlini yakho? 15 Ngiyaqalisa lamuhla yini ukumbuzela kuNkulunkulu? Kakube khatshana lami! Inkosi kayingabeki udaba encekwini yayo lendlini yonke kababa; ngoba inceku yakho yayingazi lutho ngaloludaba, oluncinyane kumbe olukhulu. 16 Inkosi yasisithi: Ahimeleki, uzakufa lokufa, wena lendlu yonke kayihlo. 17 Inkosi yasisithi kuzigijimi ezazimi layo: Phendukani, libulale abapristi beNkosi; ngoba isandla sabo laso siloDavida, futhi ngoba babesazi ukuthi ubalekile, kodwa kabembulanga endlebeni yami. Kodwa inceku zenkosi kazithandanga ukwelula isandla sazo ukuthi zihlasele abapristi beNkosi. 18 Inkosi yasisithi kuDowegi: Phenduka wena, uhlasele abapristi. UDowegi umEdoma wasephenduka, yena wahlasela abapristi, wabulala ngalolosuku abantu abangamatshumi ayisificaminwembili lanhlanu ababegqoke i-efodi yelembu elicolekileyo. 19 LeNobi, umuzi wabapristi, wayitshaya ngobukhali benkemba, kusukela endodeni kusiya kowesifazana, kusukela emntwaneni kusiya komunyayo, lezinkabi labobabhemi lezimvu, ngobukhali benkemba. 20 Kodwa omunye wamadodana kaAhimeleki indodana kaAhitubi waphepha,

obizo lakhe lalinguAbhiyatha, wabaleka walandela uDavida. **21** UAbhiyatha wasetshela uDavida ukuthi uSawuli ubulele abapristi beNkosi. **22** UDavida wasesithi kuAbhiyatha: Ngakwazi ngalolosuku lapho uDowegi umEdoma elapho ukuthi uzamtshela lokumtshela uSawuli. Yimi engibangele ukufa kwawo wonke umphefumulo wendlu kayihlo. **23** Hlala lami, ungesabi, ngoba lowo odinga umphefumulo wami udinga umphefumulo wakho; kodwa uzalondozeka ulami.

23 Basebebika kuDavida besithi: Khangela, amaFilisti alwa emelene leKeyila, aphanga amabala okubhulela. **2** UDavida wasebuza eNkosini esithi: Ngihambe yini ngitshaye lamaFilisti? INkosi yasisithi kuDavida: Hamba uyetshaya amaFilisti, usindise iKeyila. **3** Kodwa abantu bakaDavida bathi kuye: Khangela, siyesaba khonapha koJuda; pho, kangakanani uba sisiya eKeyila emaviyweni amaFilisti? **4** UDavida wasephinda futhi ukubuza eNkosini. INkosi yasimphendula yathi: Sukuma wehlele eKeyila, ngoba ngizanikela amaFilisti esandleni sakho. **5** Ngakho uDavida labantu bakhe baya eKeyila, balwa lamaFilisti, baqhuba inkomo zawo, bawatshaya ngokutshaya okukhulu. Ngalokho uDavida wasindisa abahlali beKeyila. **6** Kwasekusithi lapho uAbhiyatha indodana kaAhimeleki ebalekela kuDavida eKeyila, wehla ele-efodi esandleni sakhe. **7** Kwasekubikwa kuSawuli ukuthi uDavida ungenile eKeyila. USawuli wasesithi: UNkulunkulu umnikele esandleni sami, ngoba uvalelwe ngokungena emzini olamasango lemigoqo. **8** USawuli wasebizela bonke abantu empini ukwehlela eKeyila, ukuvimbezela uDavida labantu bakhe. **9** UDavida wasesazi ukuthi uSawuli wenza iqhinga elibi ngasese ngaye, wathi kuAbhiyatha umpristi: Letha lapha i-efodi. **10** UDavida wasesithi: Nkosi, Nkulunkulu kalsrayeli, inceku

18 Kwasekusithi emva kwalokho uDavida watshaya amaFilisti, wawehlisele phansi, wathatha iGathi lemizana yayo ekususa esandleni samaFilisti. **2** Watshaya loMowabi; amaMowabi asesiba zinceku zikaDavida, aletha umthelo. **3** UDavida watshaya loHadadezeri inkosi yeZoba kuze kube seHamathi lapho esiyamisa amandla akhe emfuleni iYufrathi. **4** UDavida wasethumba kuye inqola eziyinkulungwane, labamabhiza abazinkulungwane eziyisikhombisa, lamadoda ahamba ngenyawo azinkulungwane ezingamatshumi amabili; uDavida

wasequma imisipha yawo wonke amabhiza enqola, kodwa watshiya kuwo amabhiza enqola alikhulu. 5 Lapho amaSiriya eDamaseko eza ukusiza uHadadezeri inkosi yeZoba, uDavida watshaya kumaSiriya amadoda azinkulungwane ezingamatshumi amabili lambili. 6 UDavida wasebeka amabutho enqaba eSiriya yeDamaseko; amaSiriya asesiba zinceku zikaDavida, aletha umthelo. Ngokunjalo iNkosi yamsindisa uDavida loba ngaphi aya khona. 7 UDavida wasethatha izihlangu zegolide ezaziphezu kwenceku zikaHadadezeri, waziletha eJerusalema. 8 Njalo eTibhathi leKuni, imizi kaHadadezeri, uDavida wathatha ithusi elinengi kakhulu; uSolomoni enza ngalo ulwandle lwethusi, lezinsika, lezitsha zethusi. 9 UTowu inkosi yeHamathi esizwa ukuthi uDavida utshayile ibutho lonke likaHadadezeri inkosi yeZoba, 10 wathuma uHadoramu indodana yakhe enkosini uDavida ukuyibuzisa impilakahle lokuyibusisa, ngenxa yokuthi ilwe loHadadezeri yamshaya, (ngoba uHadadezeri wayengumuntu wezimpi esilwa loTowu), elezitsha zonke zegolide lezesiliva lezethusi. 11 Lalezo inkosi uDavida yazehlukanisela uJehova kanye lesiliva legolide eyakuletha kuvela ezizweni zonke, eEdoma, lakoMowabi, lebantwaneni bakoAmoni, lakumaFilisti, lakumaAmaleki. 12 UAbishayi indodana kaZeruya wasetshaya amaEdoma esihotsheni setshwayi, izinkulungwane ezilitshumi lesificaminwembali. 13 Wasebeka amabutho enqaba eEdoma; wonke amaEdoma asesiba zinceku zikaDavida. Ngokunjalo iNkosi yamsindisa uDavida loba ngaphi aya khona. 14 UDavida wabusa-ke phezu kukalSrayeli wonke, wayesenza isahlulelo lokulunga kubo bonke abantu bakhe. 15 Njalo uJowabi indodana kaZeruya wayephezu kwebutho; loJehoshafathi indodana kaAhiludi wayengumabhalane; 16 loZadoki indodana kaAhitubi

loAbhimeleki indodana kaAbhiyatha babengabapristi; loShavisha wayengumbhali; 17 loBhenaya indodana kaJehoyada wayephezu kwamaKerethi lamaPelethi; lamadodana kaDavida ayezinhloko eceleni kwenkosi.

19 Kwasekusithi emva kwalokho uNahashi inkosi yamaAmoni wafa, indodana yakhe yasisiba yinkosi esikhundleni sakhe. 2 UDavida wasesithi: Ngizamenzela umusa uHanuni indodana kaNahashi, ngoba uyise wangenzela umusa. UDavida wasethuma izithunywa ukuyamduduzisa ngoyise. Izinceku zikaDavida zasezifika elizweni labantwana bakoAmoni kuHanuni ukumduduzisa. 3 Kodwa iziphathamandla zabantwana bakoAmoni zathi kuHanuni: Kambe uDavida uyamhlonipha uyihlo emehlweni akho, ngoba ethume abaduduzi kuwe? Izinceku zakhe kazizanga kuwe yini ukuphenya lokuchitha lokuhlola ilizwe? 4 Ngakho uHanuni wathatha izinceku zikaDavida wazigela waquma izembatho zazo kungxenywe kuze kube sezibunu zazo, waziyekela zahamba. 5 Basebehamba bamtshela uDavida ngalawomadoda; wasethuma ukuwahlangabeza, ngoba amadoda ayelenhloni kakhulu; inkosi yasisithi: Hlalani eJeriko zize zihlume izindevu zenu, beselibuya. 6 Abantwana bakoAmoni sebebonile ukuthi sebelevumba kuDavida, uHanuni labantwana bakoAmoni bathumela amathalenta esiliva ayinkulungwane ukuziqhatshela izinqola labagadi bamabhiza eMesopotamiya leSiriya-Mahaka leZoba. 7 Basebeziqhatshela inqola ezizinkulungwane ezingamatshumi amathathu lambili lenkosi yeMahaka labantu bayo; basebesiza bamisa inkamba phambi kweMedeba; abantwana bakoAmoni basebuthana bevela emizini yabo, beza empini. 8 UDavida esezwile wathuma uJowabi lebuthe lonke lamaqhawe. 9 Abantwana bakoAmoni basebephuma

bahlela impi esangweni lomuzi, lamakhosi ayezile ayewodwa egangeni. **10** UJowabi esebonile ukuthi impondo zebutho zimelene laye ngaphambili langemuva, wakhetha kuwo wonke umkhethwa kolsrayeli, wabahlela ukumelana lamaSiriya. **11** Labaseleyo babantu wabanikela esandleni sikaAbishayi umfowabo; basebezihlela ukumelana labantwana bakoAmoni. **12** Wasesithi: Uba amaSiriya engikhulela, uzakuba lusizo lwami; kodwa uba abantwana bakoAmoni bekukhulela, ngizakusiza. **13** Bana lesibindi, siziqinise ngenxa yabantu bakithi langenxa yemizi kaNkulunkulu wethu; leNkosi kayenze okuhle emehlweni ayo. **14** UJowabi labantu ababelaye basebesondela phambi kwamaSiriya ukuya empini; asebaleka phambi kwakhe. **15** Abantwana bakoAmoni sebona ukuthi amaSiriya ayabaleka, babaleka labo phambi kukaAbishayi umfowabo, bangena emzini. UJowabi wasengena eJerusema. **16** AmaSiriya esebonile ukuthi atshayiwe phambi kukalsrayeli athuma izithunywa akhupha amaSiriya ayengaphetsheya komfula. LoShofaki induna yebutho likaHadadezeri wayephambi kwawo. **17** Esetsheliwe uDavida, wabuthanisa ulsrayeli wonke, wachapha iJordani, wafika kibo, wahlela ibutho limelene lawo. UDavida esehlele impi ukumelana lamaSiriya, alwa laye. **18** Kodwa amaSiriya abaleka phambi kukalsrayeli; uDavida wasebulala kumaSiriya abezinqola abazinkulungwane eziyisikhombisa, lamadoda ahamba ngenyawo azinkulungwane ezingamatshumi amane, wabulala loShofaki induna yebutho. **19** Izinceku zikaHadadezeri sezibonile ukuthi zitshayiwe phambi kukalsrayeli, zenza ukuthula loDavida, zamsebenzela. Ngakho amaSiriya kawafunanga ukusiza abantwana bakoAmoni futhi.

20 Kwasekusithi ngesikhathi sokuthwasa komnyaka, ngesikhathi amakhosi aphuma ngaso, uJowabi wakhokhela amaqhawe ebutho, wachitha ilizwe labantwana bakoAmoni, weza wavimbezela iRaba. Kodwa uDavida wasala eJerusalema. UJowabi waseyitshaya iRaba, wayichitha. ² UDavida wathatha umqhele wenkosi yabo wawususa ekhanda layo, wawuthola ulesisindo sethalenta legolide, laphakathi kwawo kulelitshe eliligugu, wasubekwa ekhanda likaDavida. Wasekhupha impango enengi kakhulu emzini. ³ Wakhupha abantu ababephakathi kwawo, wabaquma ngesaha, langamapiki ensimbi, langamahloka. Wenza njalo-ke uDavida kuyo yonke imizi yabantwana bakoAmoni; uDavida wasebuyela eJerusalema labo bonke abantu. ⁴ Kwasekusithi emva kwalokho kwavuka impi lamaFilisti eGezeri; ngalesosikhathi uSibekayi umHushathi watshaya uSiphayi owabantwana besiqhwaga; asesehliselwa phansi. ⁵ Kwasekusiba khona impi futhi lamaFilisti; uElihanani indodana kaJayiri wasetshaya uLahimi umfowabo kaGoliyathi umGithi, oluthi lomkhonto wakhe lwalungangogodo lwabeluki. ⁶ Kwabuye kwaba khona futhi impi eGathi lapho okwakukhona umuntu omude owayeleminwe lamazwane kuyisithupha lesithupha, amatshumi amabili lane; laye futhi wazalwa yisiqhwaga. ⁷ Eseyisa ulsrayeli, uJonathani indodana kaShimeya, umfowabo kaDavida, wantshaya. ⁸ Laba bazalelwa isiqhwaga eGathi; basebesiwa ngesandla sikaDavida langesandla sezinceku zakhe.

21 USathane wasesukuma emelana lolsrayeli, wavusa uDavida ukuthi abale ulsrayeli. ² Ngakho uDavida wathi kuJowabi lakubabusi babantu: Hambani libale ulsrayeli kusukela eBherishebha kuze kufike koDani, lilethe kimi ukuze ngazi

inani labo. **3** UJowabi wasesithi: INkosi kayandise ebantwini bayo njengoba benjalo ngokulikhulu. Nkosi yami, nkosi, abasizo bonke yini izinceku zenkosi yami? Inkosi yami ikufunelani lokhu? Izakuba licala ngani kuIsrayeli? **4** Kodwa ilizwi lenkosi laba lamandla phezu kukaJowabi. Ngakho uJowabi waphuma, wahambahamba phakathi kuIsrayeli wonke; wafika eJerusalema. **5** UJowabi wasenika uDavida inani lokubalwa kwabantu. Njalo wonke uIsrayeli wayengamadoda azinkulungwane ezizinkulungwane lezinkulungwane ezilikhulu ahwatsha inkemba; loJuda wayengamadoda azinkulungwane ezingamatshumi amane lamatshumi ayisikhombisa ahwatsha inkemba. **6** Kodwa uLevi loBhenjamini kababalanga phakathi kwabo, ngoba ilizwi lenkosi lalinengeka kuJowabi. **7** Njalo kwaba kubi emehlweni kaNkulunkulu mayelana lalindaba; ngakho wamtshaya uIsrayeli. **8** UDavida wasesithi kuNkulunkulu: Ngonile kakhulu ngoba ngenze linto. Kodwa khathesi, ake wedlulise ububi benceku yakho, ngoba ngenze ngobuthutha obukhulu. **9** INkosi yasikhuluma kuGadi umboni kaDavida isithi: **10** Hamba ukhulume kuDavida uthi: Itsho njalo iNkosi: Mina ngikubekela okuthathu; zikhethela okunye kukho engizakwenza kuwe. **11** UGadi wasefika kuDavida wathi kuye: Itsho njalo iNkosi: Zikhethela: **12** Kumbe iminyaka emithathu yendlala; loba inyanga ezintathu uqedwa ebusweni bezitha zakho lenkemba yezitha zakho ikufice; kumbe insuku ezintathu inkemba yeNkosi, ngitsho umatshayabhuqe wesifo, elizweni, lengilosi yeNkosi ichitha kuwo wonke umngcele waIsrayeli. Ngakho-ke bona ukuthi yimpendulo bani engizayibuyisela kongithumileyo. **13** UDavida wasesithi kuGadi: Ngicindezelwe kakhulu; ake ngiwele esandleni seNkosi, ngoba izisa zayo zinengi kakhulu;

kodwa kangingaweli esandleni somuntu. **14** Ngakho iNkosi yathuma umatshayabhuge wesifo kolsrayeli; kwasekusiwa abantu abazinkulungwane ezingamatshumi ayisikhombisa. **15** UNkulunkulu wathuma ingilosi eJerusalema ukuyibhubhisa; njalo isayibhubhisa, iNkosi yabona yazisola ngalobobubi, yasisithi kuyo ingilosi ebhubhisayo: Kwanele, khathezi buyisa isandla sakho. Ingilosi yeNkosi yayimi-ke ebaleni lokubhulela likaOrinani umJebusi. **16** UDavida wasephakamisa amehlo akhe, wabona ingilosi yeNkosi imi phakathi komhlaba lamazulu lenkamba yayo ehwatshiweyo esandleni sayo iyelulele phezu kweJerusalema. UDavida labadala begqoke-ke amasaka bathi mbo ngobuso babo. **17** UDavida wasesithi kuNkulunkulu: Kakusimi yini othe kababale abantu? Yebo yimi owonileyo owenze okubi sibili. Kodwa lezizimvu zenzeni? Nkosi Nkulunkulu wami, isandla sakho ake sibe phezu kwami laphezu kwendlu kababa, kodwa hatshi phezu kwabantu bakho ukuthi bahlutshwe. **18** Ingilosi yeNkosi yasisithi kuGadi katshela uDavida ukuthi uDavida kenyuke ayekwakhela iNkosi ilathi ebaleni lokubhulela likaOrinani umJebusi. **19** UDavida wasesenyuka ngelizwi likaGadi alikhuluma ngebizo leNkosi. **20** UOrinani enyemukula wabona ingilosi; lamadodana akhe amane ayelaye acatsha. UOrinani wayebhula-ke ingqoloyi. **21** UDavida esefika kuOrinani, uOrinani wakhangele wabona uDavida, waphuma ebaleni lokubhulela, wakhothamela uDavida ngobuso emhlabathini. **22** UDavida wasesithi kuOrinani: Nginika indawo yebala lokubhulela ukuze ngakhele iNkosi ilathi kuyo; nginike yona ngemali egcweleyo, ukuze inhlupheko imiswe ebantwini. **23** UOrinani wasesithi kuDavida: Zithathele, inkosi yami inkosi kayenze okuhle emehlweni ayo; khangele, ngiyanika inkabi zibe yiminikelo yokutshiswa, lezimbulo

zibe zinkuni, lengqoloyi ibe ngumnikelo wokudla. Nginyanika konke. **24** Kodwa inkosi uDavida yathi kuOrinani: Hatshi, kodwa ngizathenga lokuthenga ngemali egcweleyo; ngoba kangiyikuthathela iNkosi okwakho, loba nginikele iminikelo yokutshiswa ngaphandle kwentengo. **25** UDavida wasemnika uOrinani ngaleyondawo amashekeli angamakhulu ayisithupha egolide ngesisindo. **26** UDavida waseyakhela khona iNkosi ilathi, wanikela iminikelo yokutshiswa leminikelo yokuthula, wayibiza iNkosi; yasimphendula ngomlilo ovela emazulwini phezu kwelathi lomnikelo wokutshiswa. **27** INkosi yasilaya ingilosi; yasibuyisela inkemba yayo esikhwameni sayo. **28** Ngalesosikhathi uDavida esebonile ukuthi iNkosi imphendule ebaleni lokubhulela likaOrinani umJebusi, wanikela khona imihlatshelo. **29** Ngoba ithabhanekela leNkosi uMozisi ayelenze enkangala lelathi lomnikelo wokutshiswa ngalesosikhathi kwakusendaweni ephakemeyo eGibeyoni. **30** Kodwa uDavida wayengelakho ukuhamba phambi kwalo ukudinga uNkulunkulu, ngoba wethuswa yinkemba yengilosi yeNkosi.

22 UDavida wasesithi: Le yindlu yeNkosi uNkulunkulu, laleli lilathi lomnikelo wokutshiswa kaIsrayeli. **2** UDavida waselaya ukubuthanisa abezizweni ababeselizweni kaIsrayeli; wamisa ababazi bamatshe ukuthi babaze amatshe alungisiweyo okwakha indlu kaNkulunkulu. **3** UDavida waselungisa insimbi enengi kakhulu yezipikili zezivalo zamasango leyokuhlanganisa; lethusi elinengi kakhulu elalingelakulinganiswa ngesisindo; **4** lezigodo zemisedari ezingelakubalwa; ngoba amaSidoni lamaTire amlethela uDavida izigodo zemisedari ezinengi kakhulu. **5** UDavida wasesithi: USolomoni indodana yami ungumfana, ubuthakathaka, lendlu ezakwakhelwa iNkosi kumele yenziwe

ibe nkulu kakhulu, ibe lebizu ibe lodumo emazweni wonke. Ngakho ngizayilungiselela. UDavida waselungiselela kakhulu phambi kokufa kwakhe. **6** Wasebiza uSolomoni indodana yakhe, wamlaya ukuthi akhele iNkosi uNkulunkulu kalsrayeli indlu. **7** UDavida wasesithi kuSolomoni: Ndodana yami, mina-ke, kwakusenhliziyweni yami ukwakhela ibizo leNkosi uNkulunkulu wami indlu. **8** Kodwa ilizwi leNkosi lafika kimi lisithi: Uchithe igazi elinengi, walawula izimpi ezinkulu; kawuyikwakhela ibizo lami indlu, ngoba uchithe igazi elinengi emhlabeni phambi kwami. **9** Khangela, uzazalelwa indodana ezakuba ngumuntu wokuphumula; njalo ngizayiphumusa ezitheni zayo zonke inhlangothi zonke: Ngoba ibizo layo lizakuba nguSolomoni, njalo ngizanika ukuthula lokuphumula phezu kukalsrayeli ensukwini zakhe. **10** Yena uzakwakhela ibizo lami indlu. Yena-ke uzakuba yindodana yami, lami ngibe nguyise; ngiqinise isihlalo sakhe sobukhosi phezu kukalsrayeli kuze kube nininini. **11** Khathezi, ndodana yami, iNkosi ibe lawe, njalo uphumelele wakhe indlu yeNkosi uNkulunkulu wakho, njengokutsho kwayo ngawe. **12** Kuphela iNkosi ikunike inhlakanipho lokuqedisisa, ikulaye ngolsrayeli, ukuze ulondoloze umlayo weNkosi uNkulunkulu wakho. **13** Khona uzaphumelela, uba unanzelela ukwenza izimiso lezehlulelo iNkosi eyakulaya uMozisi ngolsrayeli; qina, ube lesibindi; ungesabi, ungatshaywa luvalo. **14** Khangela-ke, ekuhluphekeni kwami ngilungisele indlu yeNkosi amathalenta egolide ayizinkulungwane ezilikhulu, lamathalenta esiliva ayizinkulungwane eziyinkulungwane, lethusi lensimbi okungelakulinganiswa ngesisindo, ngoba kunengi kakhulu; ngilungise lezigodo lamatshe. Uzakwengezelela-ke kukho. **15** Njalo ulezisebenzi ezinengi, ababazi bamatshe, lezingcitshi

zamatshe lezezigodo, layo yonke indoda ehlakaniphileyo kuwo wonke umsebenzi. **16** Kakulanani legolide, lelesiliva, lelethusi, lelensimbi. Sukuma usebenze; njalo iNkosi ibe lawe! **17** UDavida waselaya zonke izinduna zakolsrayeli ukusiza uSolomoni indodana yakhe, esithi: **18** INkosi uNkulunkulu wenu kayilani yini? Kambe kayilinkanga yini ukuphumula inhlangothi zonke? Ngoba inikele abahlali belizwe esandleni sami, lelizwe lehliselwe phansi phambi kweNkosi laphambi kwabantu bayo. **19** Khathesi misani inhliziyu yenu lomphfumulo wenu ukudinga iNkosi uNkulunkulu wenu. Sukumani-ke lakhe indawo engcwele yeNkosi uNkulunkulu, ukungenisa umtshokotsho wesivumelwano seNkosi lezitsha ezingcwele zikaNkulunkulu endlini eyakhelwe ibizo leNkosi.

23 UDavida esemdala esanele ngensuku wamisa uSolomoni indodana yakhe ukuthi abe yinkosi phezu kukalsrayeli. **2** Wasebuthanisa zonke induna zakolsrayeli labapristi lamaLevi. **3** AmaLevi asebalwa kusukela koleminyaka engamatshumi amathathu kusiya phezulu; lenani lawo, ngamakhanda awo, ngamadoda, laba zinkulungwane ezingamatshumi amathathu lesificaminwembili. **4** Kula kwakulezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane okuqondisa umsebenzi wendlu yeNkosi; lezinduna labahluleli abayizinkulungwane eziyisithupha; **5** labagcini bamasango abayizinkulungwane ezine; labadumisi beNkosi abayizinkulungwane ezine ngezinto engizenzele ukudumisa, watsho uDavida. **6** UDavida wasewehlukanisa ngezigaba, ngokwamadodana kaLevi, oGerishoni, uKohathi, loMerari. **7** KumaGerishoni kwakungoLadani loShimeyi. **8** Amadodana kaLadani: OJehiyeli inhloko, loZethamu, loJoweli, emathathu. **9** Amadodana kaShimeyi: OShelomithi loHazyiyeli

loHarani, emathathu. La ayezinhloko zaboyise koLadani. **10** Lamadodana kaShimeyi: OJahathi, uZiza, loJewushi, loBeriya. La ayengamadodana kaShimeyi, emane. **11** LoJahathi wayeyinhloko, loZiza engowesibili; kodwa uJewushi loBeriya babengelabantwana abanengi, ngakho babesendlini yaboyise ngokubalwa kanye. **12** Amadodana kaKohathi: OAmramu, ulzihari, uHebroni, loUziyeli, emane. **13** Amadodana kaAmramu: OAroni loMozisi. UAroni wehlukaniselwa-ke ukungcwelisa izinto ezingcwelengcwele, yena lamadodana akhe, kuze kube nininini, ukutshisa impepha phambi kweNkosi, ukuyikhonza, lokubusisa ngebizo layo kuze kube nininini. **14** NgoMozisi umuntu kaNkulunkulu, amadodana akhe abizwa ngaphansi kwesizwe sakoLevi. **15** Amadodana kaMozisi: OGereshoma loEliyezeri. **16** Amadodana kaGereshoma: UShebuweli inhloko. **17** Lamadodana kaEliyezeri ayenguRehabhiya inhloko; uEliyezeri wayengelawo-ke amanye amadodana, kodwa amadodana kaRehabhiya ayemanengi okwedlulisayo. **18** Amadodana kalzihari: UShelomithi inhloko. **19** Amadodana kaHebroni: OJeriya inhloko, uAmariya owesibili, uJahaziyeli owesithathu, uJekameyamu owesine. **20** Amadodana kaUziyeli: OMika inhloko, loIshiya owesibili. **21** Amadodana kaMerari: OMahli loMushi. Amadodana kaMahli: OEleyazare loKishi. **22** UEleyazare wasesifa, wayengelamadodana kodwa amadodakazi; amadodana kaKishi, abafowabo, asewathatha. **23** Amadodana kaMushi: OMahli loEderi loJeremothi, emathathu. **24** La ngamadodana kaLevi ngendlu yaboyise, inhloko zaboyise, ngokubalwa kwawo, ngenani lamabizo, ngamakhanda awo, esenza umsebenzi wenkonzo yendlu yeNkosi, kusukela koleminyaka engamatshumi amabili kusiya phezulu. **25**

Ngoba uDavida wathi: INkosi, uNkulunkulu kalsrayeli, ibanikile abantu bayo ukuphumula, bazahlala eJerusalema kuze kube sephakadeni. **26** Ngokunjalo-ke kumaLevi; kakulamuntu ozathwala ithabhanekele laloba yiziphi izitsha zalo zenkonzo yalo. **27** Ngoba ngamazwi kaDavida okucina amadodana kaLevi abhalwa kusukela kwaleminyaka engamatshumi amabili kusiya phezulu. **28** Ngoba indawo yawo yayingasesandleni samadodana kaAroni enkonzweni yendlu yeNkosi, phezu kwamaguma, laphezu kwamakamelo, laphezu kokuhlambulula zonke izinto ezingcwele, lomsebenzi wenkonzo yendlu kaNkulunkulu, **29** lowezinkwa zokubukiswa, lowempuphu ecolokileyo yomnikelo wokudla, lowezinkwana eziyizipatalala ezingelamvubelo, lowokubhakwe ngepani, lowokukhanzingiweyo, lowesilinganiso sonke lobukhulu; **30** lokuma ukusa ngokusa ukubonga lokudumisa iNkosi, kanjalo lantambama, **31** lokunikela konke kweminikelo yokutshiswa eNkosini ngamasabatha, ngokuthwasa kwenyanga, langemikhosi emisiweyo, ngenani, ngokwesimiso kukho, njalonjalo phambi kweNkosi. **32** Njalo azagcina umlindo wethente lenhlangano, lomlindo wendlu engcwele, lomlindo wamadodana kaAroni, abafowabo, enkonzweni yendlu yeNkosi.

24 Njalo izigaba zamadodana kaAroni. Amadodana kaAroni: ONadabi, loAbihu, uEleyazare, lolthamari. **2** Kodwa oNadabi loAbihu bafa mandulo kuloyise, njalo bengelabantwana; ngakho oEleyazare lolthamari basebenza njengabapristi. **3** UDavida wasebehlukanisa, loZadoki emadodaneni kaEleyazare, loAhimeleki emadodaneni kalthamari, ngokwesikhundla sabo enkonzweni yabo. **4** Kwatholakala emadodaneni kaEleyazare inhloko zamaqhawe amanengi okwedlula emadodaneni kalthamari mhla bewehlukanisa;

emadodaneni kaEleyazare kwakulenhloko ezilitshumi lesithupha zendlu yaboyise, lemadodaneni kalthamari ngokwendlu yaboyise, eziyisificaminwembili. **5** Basebezahlukanisa ngezinkatho, lezi laleziyana, ngoba izinduna zendlu engcwele lezinduna zikaNkulunkulu zazivela emadodaneni kaEleyazare lemadodaneni kalthamari. **6** UShemaya indodana kaNethaneli umbhali, ovela kumaLevi, wasezibhala phambi kwenkosi leziphathamandla loZadoki umpriisti loAhimeleki indodana kaAbhiyatha, lenhloko zaboyise zabapriisti lezamaLevi; indlu kayise eyodwa yathathelwa uEleyazare, leyodwa yathathelwa ulthamari. **7** Inkatho yokuqala yasiphumela uJehoyaribi, eyesibili uJedaya, **8** eyesithathu uHarimi, eyesine uSeworimi, **9** eyesihlanu uMalikiya, eyesithupha uMijamini, **10** eyesikhombisa uHakhozi, eyesificaminwembili uAbhiya, **11** eyesificamunwemunye uJeshuwa, eyetshumi uShekaniya, **12** eyetshumi lanye uEliyashibi, eyetshumi lambili uJakimi, **13** eyetshumi lantathu uHupha, eyetshumi lane uJeshebeyabi, **14** eyetshumi lanhlanu uBiliga, eyetshumi lesithupha ulmeri, **15** eyetshumi lesikhombisa uHeziri, eyetshumi lesificaminwembili uHaphizezi, **16** eyetshumi lesificamunwemunye uPhethahiya, eyamatshumi amabili uJehezekeli, **17** eyamatshumi amabili lanye uJakini, eyamatshumi amabili lambili uGamuli, **18** eyamatshumi amabili lantathu uDelaya, eyamatshumi amabili lane uMahaziya. **19** Isikhundla salaba enkonzweni yabo sasiyikungena endlini yeNkosi ngokwesimiso sabo ngesandla sikaAroni uyise, njengalokho iNkosi uNkulunkulu kalsrayeli yayimlayile. **20** Labaseleyo emadodaneni kaLevi: Emadodaneni kaAmramu: NguShubayeli; emadodaneni kaShubayeli: NguJehideya. **21** NgoRehabhiya: Emadodaneni kaRehabhiya, inhloko kwakunguIshiya; **22**

kwabakolzihari, uShelomothi; emadodaneni kaShelomothi, uJahathi. 23 Lamadodana kaHebroni, uJeriya owokuqala, uAmariya owesibili, uJahaziyeli owesithathu, uJekameyamu owesine. 24 Amadodana kaUziyeli, uMika; emadodaneni kaMika, uShamiri. 25 Umfowabo kaMika ngulshiya; emadodaneni kalshiya, uZekhariya. 26 Amadodana kaMerari: OMahli loMushi; amadodana kaJahaziya: UBheno. 27 Amadodana kaMerari: KuJahaziya: OBheno loShohama loZakuri lolbiri. 28 KuMahli: UEleyazare, owayengelamadodana. 29 NgoKishi: Amadodana kaKishi: UJerameli. 30 Lamadodana kaMushi: OMahli loEderi loJerimothi. La ngamadodana amaLevi ngokwendlu yaboyise. 31 Lalaba labo benza inkatho yokuphosa njengabafowabo, amadodana kaAroni, phambi kukaDavida inkosi loZadoki loAhimeleki lenhloko zaboyise babapristi labamaLevi, inhloko yaboyise njengomfowabo omnciyane.

25 UDavida lenduna zebutho behlukanisela-ke inkonzo emadodaneni kaAsafi lakaHemani lakaJeduthuni, abaprofetha ngamachacho, ngezigubhu zezintambo, langensimbi ezincencethayo. Lenani lamadoda omsebenzi lalinjengokwenkonzo yawo: 2 Emadodaneni kaAsafi: OZakuri loJosefa loNethaniya loAsarela, amadodana kaAsafi, phansi kwesandla sikaAsafi, owayeprofetha ngokwesandla senkosi. 3 NgoJeduthuni: Amadodana kaJeduthuni: OGedaliya, loZeri, loJeshaya, uHashabhiya, loMathithiya, beyisithupha, ezandleni zikayise uJeduthuni, owayeprofetha ngechacho, ukubonga lokudumisa iNkosi. 4 NgoHemani: Amadodana kaHemani: OBukhiya, uMathaniya, uUziyeli, uShebuweli, loJerimothi, uHananiya, uHanani, uEliyatha, uGidaliti, loRomamiti-Ezeri, uJoshibekasha, uMaloti, uHothiri, uMahaziyothi. 5 Bonke laba

babengamadodana kaHemani umboni wenkosi emazwini
 kaNkulunkulu ukuphakamisa uphondo. Njalo uNkulunkulu
 wamnika uHemani amadodana alitshumi lane lamadodakazi
 amathathu. **6** Bonke laba babesezandleni zikayise
 ekuhlabeleleni endlini yeNkosi ngensimbi ezincencethayo,
 izigubhu zezintambo, lamachacho enkonzweni yendlu
 kaNkulunkulu, phansi kwesandla senkosi, oAsafi loJeduthuni
 loHemani. **7** Lenani labo kanye labafowabo ababefundiswe
 ngezingoma zeNkosi, bonke ababelowazi, lalingamakhulu
 amabili lamatshumi ayisificaminwembili lesificaminwembili. **8**
 Basebesenza inkatho yokuphosa ngomlindo, omncinyane
 njengomkhulu, ofundisayo lofundayo. **9** Inkatho yokuqala
 yasiphumela uAsafi kuJosefa; eyesibili kuGedaliya, yena
 labafowabo lamadodana akhe, belitshumi lambili; **10** eyesithathu
 kuZakuri, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; **11**
 eyesine kulziri, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili;
12 eyesihlanu kuNethaniya, amadodana akhe labafowabo,
 belitshumi lambili; **13** eyesithupha kuBukhiya, amadodana akhe
 labafowabo, belitshumi lambili; **14** eyesikhombisa kuAsarela,
 amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; **15**
 eyesificaminwembili kuJeshaya, amadodana akhe labafowabo,
 belitshumi lambili; **16** eyesificamunwemunye kuMathaniya,
 amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; **17** eyetshumi
 kuShimeyi, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; **18**
 eyetshumi lanye kuAzareli, amadodana akhe labafowabo,
 belitshumi lambili; **19** eyetshumi lambili kuHashabhiya,
 amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; **20** eyetshumi
 lantathu kuShebuweli, amadodana akhe labafowabo, belitshumi
 lambili; **21** eyetshumi lane kuMathithiya, amadodana akhe

labafowabo, belitshumi lambili; 22 eyetshumi lanhlanu kuJeremothi, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; 23 eyetshumi lesithupha kuHananiya, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; 24 eyetshumi lesikhombisa kuJoshibekasha, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; 25 eyetshumi lesificaminwembili kuHanani, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; 26 eyetshumi lesificamunwemunye kuMalothi, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; 27 eyamatshumi amabili kuEliyatha, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; 28 eyamatshumi amabili lanye kuHothiri, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; 29 eyamatshumi amabili lambili kuGidaliti, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; 30 eyamatshumi amabili lantathu kuMahaziyothi, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili; 31 eyamatshumi amabili lane kuRomamiti-Ezeri, amadodana akhe labafowabo, belitshumi lambili.

26 Ngezigaba zabalindi bamasango. KwabakoKora kwakunguMeshelemya indodana kaKore wamadodana kaAsafi. 2 LoMeshelemya wayelamadodana, uZekharia izibulo, uJediyayeli owesibili, uZebhadiya owesithathu, uJathiniyeli owesine, 3 uElamu owesihlanu, uJehohanani owesithupha, uEliyohenayi owesikhombisa. 4 UObedi-Edoma laye wayelamadodana, uShemaya izibulo, uJehozabadi owesibili, uJowa owesithathu, uSakari owesine, loNethaneli owesihlanu, 5 uAmiyeli owesithupha, utsakari owesikhombisa, uPhewulethayi owesificaminwembili; ngoba uNkulunkulu wayembusisile. 6 LakuShemaya indodana yakhe kwazalwa amadodana abusa jikelele endlini kayise, ngoba ayengamaqhawe alamandla. 7

Amadodana kaShemaya: O-Othini, loRefayeli, loObedi, uElizabadi, abafowabo, amadodana alamandla, oElihu loSemakhiya. **8** Bonke laba babengabamadodana kaObedi-Edoma, bona lamadodana abo labafowabo, amadoda enelisayo ngamandla omsebenzi, bengamatshumi ayisithupha lambili bakoObedi-Edoma. **9** Njalo uMeshelemya wayelamadodana labafowabo, amadodana alamandla, elitshumi lesificaminwembili. **10** UHosha laye emadodaneni kaMerari wayelamadodana, uShimiri inhloko (lanxa wayengeyisilo izibulo, kodwa uyise wamenza waba yinhloko); **11** uHilikhiya owesibili, uTebaliya owesithathu, uZekhariya owesine; wonke amadodana labafowabo bakaHosa babelitshumi lantathu. **12** Phakathi kwalabo kwakulezigaba zabalindi bamasango; izinhloko zamadoda zilemilandu njengabafowabo, ukukhonza endlini yeNkosi. **13** Basebesenza inkatho yokuphosa, omncinyane laye njengomkhulu, ngokwendlu yaboyise, besenzela isango lesango. **14** Inkatho yempumalanga yawela-ke phezu kukaShelemya; basebesenza inkatho yokuphosa ngoZekhariya indodana yakhe, umeluleki ohlakaniphileyo; inkatho yakhe yasiphuma ngenyakatho. **15** KuObedi-Edoma ngeningizimu; lakumadodana akhe, indlu yokulondoloza. **16** KuShupimi lakuHosa ngentshonalanga, lesango iShalekethi elisemgwaqweni omkhulu oya phezulu, umlindi ngomlindi. **17** Ngempumalanga kwakulamaLevi ayisithupha, ngenyakatho abane ngosuku, ngeningizimu abane ngosuku, leziphaleni ababili ngababili; **18** eParibari ngentshonalanga, abane emgwaqweni omkhulu, ababili eParibari. **19** Lezi yizigaba zabalindi bamasango bamadodana amaKora labamadodana kaMerari. **20** LakumaLevi, uAhiya wayephethe izinto eziligugu

zendlu kaNkulunkulu, njalo wayephethe izinto eziligugu zezinto ezingcwele. **21** Amadodana kaLadani, abantwana bomGerishoni uLadani, kaLadani umGerishoni, inhloko zaboyise zazingoJehiyeli. **22** Amadodana kaJehiyeli: UZethamu, loJoweli umfowabo, babephethe izinto eziligugu zendlu yeNkosi. **23** KumaAmramu, kumalzhari, kumaHebroni, kumaUziyeli. **24** LoShebuweli indodana kaGereshoma indodana kaMozisi wayeyisiphathamandla phezu kwezinto eziligugu. **25** Labafowabo abakaEliyezeri: ORehabhiya indodana yakhe, loJeshaya indodana yakhe, loJoram indodana yakhe, loZikiri indodana yakhe, loShelomithi indodana yakhe. **26** UShelomithi lo labafowabo babephethe zonke izinto eziligugu zezinto ezingcwele uDavida inkosi ayezingcwelisile, lenhloko zaboyise, lenduna zezinkulungwane lezamaKhulu, labalawulimabutho. **27** Kokwempi lokwempangweni bakungcwelisela ukulungisa indlu yeNkosi. **28** Lakho konke uSamuweli umboni ayekungcwelisile, loSawuli indodana kaKishi loAbhineri indodana kaNeri loJowabi indodana kaZeruya; konke okwakungcwelisiwe kwakungaphansi kwesandla sikaShelomithi labafowabo. **29** Kumalzhari uKenaniya lamadodana akhe babengabomsebenzi wangaphandle phezu kukaIsrayeli, beyizinduna bengabahluleli. **30** KumaHebroni uHashabhiya labafowabo, amadoda alamandla, ayinkulungwane lamakhulu ayisikhombisa, babephethe iziphathamandla kaIsrayeli nganeno kweJordani ngentshonalanga, emsebenzini wonke kaJehova lenkonzweni yenkosi. **31** KumaHebroni uJeriya wayeyinhloko, kumaHebroni, ngokwezizukulwana zaboyise. Ngomnyaka wamatshumi amane wokubusa kukaDavida adingwa, kwasekutholwa phakathi kwawo amaqhawe alamandla eJazere yeGileyadi. **32** Labafowabo

amadoda alamandla ayezinkulungwane ezimbili lamakhulu ayisikhombisa, inhloko zezindlu. U Davida inkosi wasebenza abaphathi phezu kwabako Rubeni labako Gadi lengxenye yesizwe sako Manase ezintweni zonke zika Nkulunkulu lezinto zenkosi.

27 Njalo abantwana bakolSrayeli ngenani labo, inhloko zaboyise, lezinduna zezinkulungwane lezamazulu, leziphathamandla zabo ezazisebenzela inkosi ezindabeni zonke zezigaba, ezazingena ziphuma inyanga ngenyanga enyangeni zonke zomnyaka; leso lalesosigaba sasilezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. **2** Phezu kwesigaba sokuqala ngenyanga yokuqala kwakungu Jashobeyamu indodana ka Zabidiyeli; lesigabeni sakhe kwakulezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. **3** Wayengowamadodana ka Perezi, inhloko yabo bonke abaphathi bebutho ngenyanga yokuqala. **4** Laphezu kwesigaba senyanga yesibili kwakungu Dodayi um Ahohi; lesigabeni sakhe u Mikilothi laye wayeyinduna; lesigabeni sakhe kwakulezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. **5** Induna yesithathu yebutho ngenyanga yesithathu yayingu Bhenaya indodana ka Jehoyada umpristi omkhulu; lesigabeni sakhe kwakulezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. **6** UBhenaya lo wayeliqhawe labangamatshumi amathathu, laphezu kwabangamatshumi amathathu. Lakusigaba sakhe kwakulo Amizabadi indodana yakhe. **7** Eyesine ngenyanga yesine yayingu Asaheli umfowabo ka Jowabi, lo Zebhadiya indodana yakhe emva kwakhe; lesigabeni sakhe kwakulezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. **8** Eyesihlanu ngenyanga yesihlanu yayingumphathi u Shamihuthi umlira; lesigabeni sakhe kwakulezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. **9** Eyesithupha ngenyanga

yesithupha yayingultra indodana kalkheshi umThekhowa;
 lesigabeni sakhe kwakulezinkulungwane ezingamatshumi
 amabili lane. **10** Eyesikhombisa ngenyanga yesikhombisa
 yayinguHelezi umPheloni wamadodana akoEfrayimi; lesigabeni
 sakhe kwakulezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. **11**
 Eyesificaminwembili ngenyanga yesificaminwembili
 yayinguSibekayi umHushathi wabakoZera; lesigabeni sakhe
 kwakulezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. **12**
 Eyesificamunwemunye ngenyanga yesificamunwemunye
 yayinguAbiyezeri umAnathothi wabakoBhenjamini; lesigabeni
 sakhe kwakulezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. **13**
 Eyetshumi ngenyanga yetshumi yayinguMaharayi umNetofa
 wabakoZera; lesigabeni sakhe kwakulezinkulungwane
 ezingamatshumi amabili lane. **14** Eyetshumi lanye ngenyanga
 yetshumi lanye yayinguBhenaya umPirathoni wabantwana
 bakoEfrayimi; lesigabeni sakhe kwakulezinkulungwane
 ezingamatshumi amabili lane. **15** Eyetshumi lambili ngenyanga
 yetshumi lambili yayinguHelidayi umNetofa wakoOthiniyeli;
 lesigabeni sakhe kwakulezinkulungwane ezingamatshumi
 amabili lane. **16** Laphezu kwezizwe zakolsrayeli: Umbusi
 wabakoRubeni kwakunguEliyezeri indodana kaZikiri.
 KwabakoSimeyoni, uShefethiya indodana kaMahaka. **17**
 KwabakoLevi, uHashabhiya indodana kaKemuweli;
 kwabakoAroni, uZadoki. **18** KoJuda, uElihu wabafowabo
 bakaDavida. Kolsakari, uOmri indodana kaMikayeli. **19**
 KoZebuluni, ulshmaya indodana kaObhadiya. KoNafithali,
 uJerimothi indodana kaAziriyeli. **20** Ebantwaneni bakoEfrayimi,
 uHosheya indodana kaAzaziya. Engxenyeni eyodwa kwezimbili
 yesizwe sakoManase, uJoweli indodana kaPhedaya. **21**

Engxenyeni eyodwa kwezimbili yakoManase eGileyadi, uldo indodana kaZekharia. KoBhenjamini, uJahasiyeli indodana kaAbhineri. **22** KoDani, uAzareli indodana kaJerohamu. Laba babeyiziphathamandla zezizwe zakolsrayeli. **23** Kodwa uDavida kathathanga inani lalabo abalemnyaka engamatshumi amabili langaphansi, ngoba iNkosi yayithe izakwengeza ulsrayeli njengezinkanyezi zamazulu. **24** UJowabi indodana kaZeruya waqalisa ukubala, kodwa kaqedanga; ngoba kwaba khona ulaka phezu kukalsrayeli ngenxa yalokho; ngakho inani kalifakwanga ekulandiseni kwemilando yenkosi uDavida. **25** Laphezu kwezinto eziligugu zenkosi kwakuloAzimavethi indodana kaAdiyeli; laphezu kwezinto eziligugu ensimini, emizini, lemizaneni, lezingabeni kwakuloJonathani indodana kaUziya. **26** Laphezu kwabenza umsebenzi wensimu, wokulinywa komhlabathi, kwakuloEziri indodana kaKelubi. **27** Laphezu kwezivini kwakuloShimeyi umRama. Laphezu kokwezivini eziphaleni zewayini kwakuloZabidi umShefama. **28** Laphezu kwezihlahla zemihlwathi lemikhiwa yesikhamore ezisesihotsheni kwakuloBhali-Hanani umGederi. Laphezu kweziphala zamafutha kwakuloJowashi. **29** Laphezu kwezinkomo ezazisidla eSharoni kwakuloShitirayi umSharoni. Laphezu kwezinkomo ezazisezigodini kwakuloShafati indodana kaAdilayi. **30** Laphezu kwamakamela kwakuloObili umIshmayeli. Laphezu kwabobabhemikazi kwakuloJehideya umMeronothi. **31** Laphezu kwemihlambi kwakuloJaziri umHagiri. Bonke labo babengabaphathi bempahla inkosi uDavida ayelayo. **32** UJonathani, uyise omdala kaDavida, wayengumeluleki, indoda ehlananiphileyo, njalo wayengumbhali; loJehiyeli indodana kaHakimoni wayelabantwana benkosi. **33** Njalo uAhithofeli

wayengumeluleki wenkosi, loHushayi umArki wayengumngane wenkosi. **34** Lemva kukaAhithofeli kwakuloJehoyada indodana kaBhenaya loAbhiyatha. Lomphathi webutho lenkosi kwakunguJowabi.

28 UDavida wasebuthanisa zonke iziphathamandla zakolSrayeli, iziphathamandla zezizwe, leziphathamandla zezigaba ezazisebenzela inkosi, labaphathi bezinkulungwane, labaphathi bamakhulu, labaphathi bempahla yonke labezifuyo zenkosi labezamadodana ayo, lezinduna, lamaqhawe, lawo wonke amaqhawe alamandla, eJerusalema. **2** UDavida inkosi wasesima ngenyawo zakhe wathi: Ngilalelani, bafowethu labantu bami. Mina, kwakusenhliziyweni yami ukwakhela umtshokotsho wesivumelwano seNkosi indlu yokuphumula, leysisigcabha senyawo zikaNkulunkulu wethu, ngenza amalungiselelo okwakha. **3** Kodwa uNkulunkulu wathi kimi: Kawuyikulakhela ibizo lami indlu, ngoba wena ungumuntu wempi, uchithe igazi elinengi. **4** Kanti iNkosi uNkulunkulu kalsrayeli yangikhethe kuyo yonke indlu kababa ukuthi ngibe yinkosi phezu kukalsrayeli kuze kube nininini; ngoba yakhetha uJuda ukuba ngumbusi, lendlini yakoJuda indlu kababa; laphakathi kwamadodana kababa yangithanda ukungenza ngibe yinkosi phezu kukalsrayeli wonke. **5** Lakuwo wonke amadodana ami (ngoba iNkosi yanginika amadodana amanengi) yakhetha uSolomoni indodana yami ukuthi ahlale esihlalweni sobukhosi sombuso weNkosi phezu kukalsrayeli. **6** Yasisithi kimi: USolomoni indodana yakho nguyey ozakwakha indlu yami lamaguma ami, ngoba ngimkhethile ukuba yindodana yami, lami ngizakuba nguyise. **7** Njalo ngizawuqinisa umbuso wakhe kuze kube nininini uba eqina ukwenza imilayo yami lezahlulelo zami

njengalamuhla. **8** Ngakho-ke phambi kwamehlo kalsrayeli wonke, ibandla leNkosi, lendlebeni zikaNkulunkulu wethu, gcinani lidinge yonke imilayo yeNkosi uNkulunkulu wenu, ukuze lidle ilifa lalelizwe elihle, lenze abantwana benu badle ilifa lalo emva kwenu kuze kube nininini. **9** Wena-ke, Solomoni ndodana yami, mazi uNkulunkulu kayihlo, umkhonze ngenhliziyo epheleleyo langengqondo evumayo; ngoba iNkosi iyazihlola zonke inhliziyi, iqedisise konke ukuzindla kwemicabango. Uba uyidinga, izatholwa nguwe; kodwa uba uyitshiya, izakulahla kokuphela. **10** Bona-ke, ngoba iNkosi ikukhethile ukuthi wakhe indlu ibe yindlu engcwele; qina, ukwenze. **11** UDavid wasenika uSolomoni indodana yakhe umdwebo wekhulusi, lowezindlu zalo, loweziphala zezinto eziligugu, lowamakamelo aphezulu, lowamakamelo aphakathi, lowendlu yesihlalo somusa. **12** Lomdwebo wakho konke ayelakho ngoMoya, lowamaguma endlu yeNkosi, lowamakamelo wonke azingezezeleyo, loweziphala zezinto eziligugu zendlu kaNkulunkulu, loweziphala zokuligugu zezinto ezingcwele, **13** lowezigaba zabapristi lezamaLevi, lowomsebenzi wonke wenkonzo yendlu yeNkosi, lowezitsha zonke zenkonzo yendlu yeNkosi. **14** Wapha igolide ngesisindo ngezinto zegolide, ngempahla yonke yenkonzo ngenkonzo, ngempahla yonke yesiliva ngesisindo, ngempahla yonke yenkonzo ngenkonzo, **15** lesisindo sezinti zesibane zegolide, lezibane zazo zegolide, ngesisindo soluthi lwesibane ngalunye lezibane zalo, langezinti zesibane zesiliva, ngesisindo soluthi lwesibane lezibane zalo, njengomsebenzi woluthi lwesibane ngalunye. **16** Wasenika igolide ngesisindo lamatafula ezinkwa zokubukiswa, ngalelo lalelotafula, lesiliva samatafula esiliva. **17** Lamafologwe lemiganu yokufafaza lezinkezo zegolide

elicwengekileyo, langezitsha zegolide ngesisindo saleso lalesositsha, langezitsha zesiliva ngesisindo saleso lalesositsha. **18** Langelathi lempepha igolide elicwengekileyo ngesisindo, langomdwebo wenqola yamakherubhi egolide elule impiko agubuzela umtshokotsho wesivumelwano seNkosi. **19** UDavida wathi: Konke lokhu iNkosi yenza ngikuqedisise ngombhalo ngesandla sayo phezu kwami, yonke imisebenzi yomdwebo. **20** UDavida wasesithi kuSolomoni indodana yakhe: Qina, ube lesibindi, usebenze; ungesabi, ungatshaywa luvalo; ngoba iNkosi uNkulunkulu, uNkulunkulu wami, ilawe. Kayisoze yakulahla, kayisoze yakutshiya, uze uqede umsebenzi wonke wenkonzo yendlu yeNkosi. **21** Khangela-ke, izigaba zabapristi lezamaLevi, zenkonzo yonke yendlu kaNkulunkulu; njalo kuzakuba lawe kuwo wonke umsebenzi, wonke oyingcitshi ovumayo kuyo yonke inkonzo, labaphathi labo bonke abantu bazakuba njengokulaya kwakho konke.

29 UDavida inkosi wasesithi ebandleni lonke: USolomoni indodana yami, yena yedwa uNkulunkulu amkhethileyo, usengumfana ubuthakathaka, lomsebenzi mkhulu; ngoba isigodlo kayisiso somuntu, kodwa ngeseNkosi uNkulunkulu. **2** Ngakho ngiyilungisele indlu kaNkulunkulu wami ngamandla ami wonke, igolide lokwegolide, lesiliva lokwesiliva, lethusi lokwethusi, insimbi lokwensimbi, lezigodo lokwezigodo, amatshe e-onikse lawokubekwa, amatshe akhazimulayo lalemibala, lenhlobo zonke zamatshe aligugu, lamatshe e-alibasta ngobunengi. **3** Laphezu kwakho, ngenxa yokuthanda kwami indlu kaNkulunkulu wami, nganikela indlu kaNkulunkulu wami inotho yegolide leyesiliva, engilakho, phezu kwakho konke engikulungisele indlu yendawo engcwele, **4** amathalenta egolide

azinkulungwane ezintathu egolideni leOfiri, lamathalenta esiliva elicwengekileyo azinkulungwane eziyisikhombisa, ukuhuqa imiduli yezindlu. 5 Igolide kusenzelwa okwegolide, lesiliva kusenzelwa okwesiliva, langawo wonke umsebenzi ngesandla sezingcitshi. Ngubani-ke ovumayo ukuzehlukanisela iNkosi lamuhla? 6 Inhloko zaboyise zasezinikela ngesihle, lezinduna zezizwe zakolsrayeli, labaphathi bezinkulungwane labamakhulu, labaphathi bomsebenzi wenkosi. 7 Basebenikela emsebenzini wendlu kaNkulunkulu amathalenta azinkulungwane ezinhlanu egolide, lenhlamvu ezizinkulungwane ezilitshumi, lamathalenta esiliva azinkulungwane ezilitshumi, lamathalenta ethusi azinkulungwane ezilitshumi lesificaminwembali, lamathalenta ensimbi azinkulungwane ezilikhulu. 8 Lalabo okwatholwa kibo amatshe aligugu bawanika indlu yokuligugu yendlu yeNkosi ngaphansi kwesandla sikaJehiyeli umGerishoni. 9 Basebethokoza abantu ngokunikela kwabo ngesihle, ngoba ngenhliziyo epheleleyo babenikele ngothando kuNkulunkulu; loDavida inkosi laye wathokoza ngentokozo enkulu. 10 UDavida waseyibusisa iNkosi phambi kwamehlo ebandla lonke; uDavida wathi: Kawubusiswe wena Nkosi Nkulunkulu kalsrayeli ubaba, kusukela ephakadeni kuze kube sephakadeni. 11 Kungokwakho, Nkosi, ubukhulu lamandla lodumo lokunqoba lobukhosi; ngoba konke okusemazulwini lokusemhlabeni kungokwakho; umbuso ungowakho, Nkosi; wena uziphakamisile waba yinhloko phezu kwakho konke. 12 Lenotho lodumo kuvela phambi kwakho, wena-ke ubusa phezu kwakho konke; lesandleni sakho kukhona ukuqina lamandla, lesandleni sakho kukhona ukukhulisa lokupha amandla kubo bonke. 13 Ngakho-ke Nkulunkulu wethu, siyakubonga, silidumise ibizo lakho elilodumo. 14 Ngoba mina-

ke ngingubani, labantu bami bangobani, ukuthi sithole amandla okunika ngothando ngokunje? Ngoba konke kuvela kuwe, sinikele kuwe okuvela esandleni sakho. **15** Ngoba singabemzini phambi kwakho labahlala njengabezizwe njengabo bonke obaba; insuku zethu emhlabeni zinjengesithunzi, njalo kalikho ithemba. **16** Nkosi Nkulunkulu wethu, konke lokhu okunengi, esikulungisele ukwakhela wena indlu, kusenzelwa ibizo lakho elingcwele, kuvela esandleni sakho, njalo konke kungokwakho. **17** Ngiyazi-ke, Nkulunkulu wami, ukuthi wena uhlola inhliziyi, uyabuthanda ubuqotho. Mina, ebuqothweni benhliziyi yami nginikele ngesihle zonke lezizinto; khathesi sengibonile ngentokozo abantu bakho abatholakala lapha ukuthi banikela kuwe ngesihle. **18** Nkosi, Nkulunkulu kaAbrahama, ulsaka, lolSrayeli, obaba, gcina lokho laphakade ekuzindleni kweminakano yenhliziyi yabantu bakho, ulungise inhliziyi yabo kuwe. **19** Njalo unike uSolomoni indodana yami inhliziyi epheleleyo ukugcina imilayo yakho, ubufakazi bakho, lezimiso zakho, lokwenza konke, lokwakha isigodlo engisilungiseleleyo. **20** UDavida wasesithi kulo lonke ibandla: Khathesi busisani iNkosi uNkulunkulu wenu. Ibandla lonke laselibusisa iNkosi, uNkulunkulu waboyise; bakhothama bamkhonza uJehova, lenkosi. **21** Basebehlabela imihlatshelo eNkosini, banikela iminikelo yokutshiswa eNkosini, ngokusa kwalolosuku, amajongosi azinkulungwane, izinqama eziyinkulungwane, amawundlu ayinkulungwane, kanye leminikelo yabo yokunathwayo, lemihlatshe ngobunengi kusenzelwa ulsrayeli wonke. **22** Basebesidla banatha phambi kweNkosi ngalolosuku ngentokozo enkulu. Basebembeka okwesibili uSolomoni indodana kaDavida ukuthi abe yinkosi, bamgcobela iNkosi waba ngumkhokheli, loZadoki waba ngumpri. **23**

USolomoni wasehlala esihlalweni sobukhosi sikaJehova njengenkosi esikhundleni sikaDavida uyise, waphumelela; loIsrayeli wonke wamlalela. **24** Lazo zonke izinduna lamaqhawe kanye lawo wonke amadodana enkosi uDavida bazehlisela ngaphansi kukaSolomoni inkosi. **25** INkosi yasimphekamisa uSolomoni kakhulu phambi kwamehlo kaIsrayeli wonke, yamnika ubukhosi bombuso obungazanga bube khona lakuyiphi inkosi ngaphambi kwakhe kaIsrayeli. **26** Ngokunjalo uDavida indodana kaJese wayebuse phezu kaIsrayeli wonke. **27** Njalo insuku abusa ngazo phezu kaIsrayeli zaziyiminyaka engamatshumi amane; eHebroni wabusa iminyaka eyisikhombisa, leJerusalema wabusa iminyaka engamatshumi amathathu lantathu. **28** Wasesifa eseluphele kuhle, enele ngezinsuku, inotho lodumo; uSolomoni indodana yakhe wasebusa esikhundleni sakhe. **29** Njalo izindaba zikaDavida inkosi, ezokuqala lezokucina, khangela, zibhaliwe egwalweni lwezindaba zikaSamuweli umboni legwalweni lwezindaba zikaNathani umprofethi legwalweni lwezindaba zikaGadi umboni, **30** kanye lakho konke ukubusa kwakhe lamandla akhe, lezikhathi ezedlula phezu kwakhe laphezu kaIsrayeli laphezu kwayo yonke imibuso yamazwe.

2 Imilando

1 USolomoni indodana kaDavida waseqina embusweni wakhe, leNkosi uNkulunkulu wakhe yayilaye, yamenza waba mkhulu kakhulu. **2** USolomoni wasekhuluma kuIsrayeli wonke, kubaphathi bezinkulungwane labamakhulu, lakubahluleli, lakuzo zonke induna kuIsrayeli wonke, inhloko zaboyise. **3** USolomoni lebandla lonke laye basebesiya endaweni ephakemeyo eyayiseGibeyoni; ngoba kwakukhona lapho ithente lenhlangano kaNkulunkulu uMozisi inceku yeNkosi alenzayo enkangala. **4** Kodwa uDavida wayewenyusile umtshokotsho kaNkulunkulu uvela eKiryathi-Jeyarimi, wawusa lapho uDavida ayewulungisele khona, ngoba wayewumisele ithente eJerusalema. **5** Lelathi lethusi, uBhezaleli indodana kaUri indodana kaHuri ayelenzile, walibeka phambi kwethabhanekela leNkosi; uSolomoni lebandla badinga-ke kulo. **6** USolomoni wasesenyukela lapho elathini lethusi phambi kweNkosi elalisethenteni lenhlangano, wanikela phezu kwalo iminikelo yokutshiswa eyinkulungwane. **7** Ngalobobusuku uNkulunkulu wabonakala kuSolomoni, wathi kuye: Cela engingakupha khona. **8** USolomoni wasesithi kuNkulunkulu: Wena wenzele uDavida ubaba umusa omkhulu, wangenza ngaba yinkosi esikhundleni sakhe. **9** Khathesi, Nkosi Nkulunkulu, kaliqiniswe ilizwi lakho kuDavida ubaba, ngoba wena ungenze ngaba yinkosi phezu kwabantu abanengi ngangothuli lomhlabathi. **10** Khathesi ngipha inhlakanipho lolwazi ukuze ngiphume ngingene phambi kwalababantu; ngoba ngubani ongehluwela lababantu bakho abakhulu kangaka? **11** UNkulunkulu wasesithi kuSolomoni: Ngenxa yokuthi lokhu bekusenzelisiyweni yakho, njalo ungacelanga inotho, ingcebo, lodumo, lempilo yezitha zakho, futhi ungacelanga insuku

ezinengi, kodwa uzicelele inhlakanipho lolwazi ukuze wahlulele abantu bami engikwenze waba yinkosi phezu kwabo: **12** Inhlakanipho lolwazi ukuphiwe; ngizakunika futhi inotho lengcebo lodumo, angazange abe lakho okunjalo amakhosi ayengaphambi kwakho, langemva kwakho kakuyikuba khona okunjalo. **13** Wasebuya uSolomoni evela endaweni ephakemeyo eseGibeyoni waya eJerusema, evela phambi kwethente lenhlangano; wasebusa phezu kukalsrayeli. **14** USolomoni wasebutanisa izinqola labagadi bamabhiza; wayelezinqola ezingamakhulu alitshumi lane, labagadi bamabhiza abazinkulungwane ezilitshumi lambili; wasekubeka emizini yezinqola, njalo kanye lenkosi eJerusema. **15** Inkosi yasisenza isiliva legolide eJerusema kwaba njengamatshe, njalo wenza imisedari yaba njengemikhiwa yesikhamore esesihotsheni, ngobunengi. **16** Wasengenisa ngokuthenga amabhiza avela eGibhithe, ayengekaSolomoni, lelembu elicolekileyo; labathengi benkosi babelithatha ilembu elicolekileyo ngentengo. **17** Basebesenyusa bekhupha inqola eGibhithe ngamashekeli esiliva angamakhulu ayisithupha, lebhiza ngamashekeli alikhulu lamatshumi amahlanu. Ngokunjalo bakukhuphela wonke amakhosi amaHethi lamakhosi eSiriya ngesandla sabo.

2 USolomoni wasezimisela ukwakhela ibizo leNkosi indlu, lendlu yombuso wakhe. **2** USolomoni wasebala amadoda azinkulungwane ezingamatshumi ayisikhombisa ukuthwala imithwalo, lamadoda ayizinkulungwane ezingamatshumi ayisificaminwembili ukubaza entabeni, lababonisi abayizinkulungwane ezintathu lamakhulu ayisithupha phezu kwawo. **3** USolomoni wasethumela kuHuramu inkosi yeTire esithi: Njengokwenza kwakho kuDavida ubaba

umthumela imisedari ukumakhela indlu yokuhlala kuyo, yenza njalo lakimi. 4 Khangela, mina ngakhela ibizo leNkosi uNkulunkulu wami indlu, ukuyehlukanisela yona, ukutshisa phambi kwayo impepha elephunga elimnandi, lezinkwa zokubukiswa njalonjalo, leminikelo yokutshiswa ekuseni lantambama, ngamasabatha, lekuthwaseni kwezinyanga, langemikhosi emisiweyo yeNkosi uNkulunkulu wethu. Lesi yisimiso saphakade kulrayeli. 5 Lendlu engiyakhayo inkulu, ngoba uNkulunkulu wethu mkhulu kulabonkulunkulu bonke. 6 Kodwa ngubani ongaba lamandla okumakhela indlu, ngoba amazulu, yebo, amazulu amazulu, angemanele? Mina-ke ngingubani ukuthi ngimakhele indlu, ngaphandle kokutshisa impepha phambi kwakhe? 7 Ngakho-ke thuma kimi umuntu oyingcitshi ekusebenzeni ngegolide langesiliva langethusi langensimbi langokuyibubende langokubomvu langokuluhlaza okwesibhakabhaka, lokwaziyo ukubaza okubazwe ngokugujwa, labazingcitshi abalami koJuda leJerusalema, uDavida ubaba abamisayo. 8 Ngithumela njalo izigodo zemisedari, amafiri, lama-aligumi ezivela eLebhanoni; ngoba mina ngiyazi ukuthi inceku zakho ziyakwazi ukugamula izihlahla zeLebhanoni; khangela-ke, inceku zami zizakuba lenceku zakho; 9 ngitsho ukungilungisela izigodo ezinengi, ngoba indlu engiyakhayo izakuba nkulu imangalise. 10 Khangela-ke, inceku zakho, abagamuli abagamula izihlahla, ngizazinika amakhori engqoloyi echoliweyo azinkulungwane ezingamatshumi amabili, lamakhori ebhali azinkulungwane ezingamatshumi amabili, lamabhathi ewayini azinkulungwane ezingamatshumi amabili, lamabhathi amafutha azinkulungwane ezingamatshumi amabili. 11 UHuramu inkosi yeTire wasephendula ngokubhala akuthumela

kuSolomoni: Ngoba uJehova uthanda abantu bakhe, ukubeke waba yinkosi phezu kwabo. **12** UHuramu wabuya wathi: Kayibusiswe iNkosi uNkulunkulu kaIsrayeli eyenza amazulu lomhlaba, enike uDavida inkosi indodana ehlakaniphileyo, eyazi inhlakanipho lokuqedisisa, ezayakhela iNkosi indlu, lendlu yombuso wayo. **13** Khathesi sengithuma indoda eyingcitshi eyazi ukuqedisisa, uHuramu Abhi, **14** indodana yowesifazana emadodakazini akoDani, oyise wayeyindoda yeTire; uyakwazi ukusebenza ngegolide, langesiliva, ngethusi, ngensimbi, ngamatshe, langezigodo, ngokuyibubende, ngokuluhlaza okwesibhakabhaka, langamalembu acolekileyo kakhulu, langokubomvu, lokubaza lakuphi okubaziweyo ngokugubha, lokuqamba lakuphi okuqanjweyo angakunikwa, kanye lezingcitshi zakho lezingcitshi zenkosi yami uDavida uyihlo. **15** Ngakho-ke ingqoloyi, lebhali, amafutha, lewayini, inkosi yami ekhulume ngakho, kayikuthumele ezincekwini zayo. **16** Thina-ke sizagamula izihlahla eLebhanoni, njengokuswela kwakho konke, sizilethe kuwe ngokundendayo phezu kolwandle eJopha, njalo wena uzazenyusela eJerusalema. **17** USolomoni wasebala wonke amadoda ezizweni ayeselizweni kaIsrayeli emva kokubalwa uDavida uyise ayewabale ngakho; asetholakala ezinkulungwane ezilikhulu lamatshumi amahlanu lantathu lamakhulu ayisithupha. **18** Wasesenza kuwo abathwali bemithwalo abayizinkulungwane ezingamatshumi ayisikhombisa, lababazi entabeni abayizinkulungwane ezingamatshumi ayisificaminwembili, lababonisi abayizinkulungwane ezintathu lamakhulu ayisithupha bokwenza abantu basebenze.

ngakhuluma ngolimi lwami, 4 ngathi: Nkosi, ngazisa isiphetho sami lesilinganiso sensuku zami ukuthi siyini, ukuze ngazi ukuthi ngiyedlula kangakanani. 5 Khangela, wenze insuku zami zaba yibubanzi besandla, lobudala bami bunjengento engesilutho phambi kwakho; isibili ngulowo lalowomuntu ekumeni kwakhe uyize nje. (Sela) 6 Isibili, umuntu uhambahamba esesithunzini; isibili, bayakhathazeka ngeze; uyabuthela, kodwa kazi ukuthi ngubani ozakubutha. 7 Pho-ke, ngilindeleni, Nkosi? Ithemba lami likuwe. 8 Ngikhulula kuzo zonke iziphambeko zami. Ungangenzi ihlazo lesithutha. 9 Ngaba yisimungulu, kangivulanga umlomo wami, ngoba wakwenza wena. 10 Susa uswazi lwakho kimi, ngoba ngiyaqedwa yisidutshulo sesandla sakho. 11 Lapho ulaya umuntu ngokukhuza ngenxa yesiphambeko, wenza ubuhle bakhe buncibilike njengenundu; isibili ngulowo lalowomuntu uyize. (Sela) 12 Zwana umkhuleko wami, Nkosi, ubeke indlebe ekukhaleni kwami; ungathuleli izinyembezi zami, ngoba ngingowemzini kuwe, ohlala njengowezizwe, njengabo bonke obaba. 13 Ungangihwaqeli ukuze ngihlumelele, ngingakasuki, ngingabe ngisaba khona.

40 Ngalindela lokuyilindela iNkosi; yangithobela, yezwa ukukhala kwami. 2 Yangenyula emgodini ohlokomayo, exhaphozini lodaka, yabeka inyawo zami phezu kwedwala, yaqinisa izinyathelo zami. 3 Yafaka ingoma entsha emlonyeni wami, indumiso kuNkulunkulu wethu. Abanengi bazabona besabe, bathembe eNkosini. 4 Ubusisiwe umuntu oyenzayo iNkosi ibe lithemba lakhe, ongaphendukeli kwabazigqajayo, lalabo abaphendukela emangeni. 5 Minengi wena oyenzileyo, Nkosi, Nkulunkulu wami, imisebenzi yakho emangalisayo lemicabango yakho kithi; ingelandiswe ngokulandelana kuwe. Ngingayilandisa

ngiyitsho, minengi kulokuthi ibalwe. 6 Umhlatsshelo lomnikelo kawukufisi; izindlebe zami uzivulile; umnikelo wokutshiswa lomnikelo wesono kawuwubizi. 7 Ngasengisithi: Khangela, ngiyeza; emqulwini wogwalo kulotshiwe ngami. 8 Ngiyathokoza ukwenza intando yakho, Nkulunkulu wami, lomlayo wakho uphakathi kwemibilini yami. 9 Ngitshumayeke ukulunga ebandleni elikhulu; khangela, kangibambanga indebe zami, Nkosi, wena uyakwazi. 10 Ukulunga kwakho kangikufihlanga phakathi kwenhliziyo yami; ngikhulumile ngobuqotho bakho langosindiso lwakho; kangifihlanga uthandolomusa wakho leqiniso lakho ebandleni elikhulu. 11 Wena Nkosi, ungangigodleli isihawu sakho; uthandolomusa wakho leqiniso lakho kakungilondoloze njalonzalo. 12 Ngoba ububi obungebalwe bungihanqile, iziphambeko zami zingibambile, ukuze ngingabi lakho ukubona; zinengi okwedlula inwele zekhanda lami; ngakho inhliziyu yami ingitshiyile. 13 Thokoza, Nkosi, ukungikhulula. Nkosi, phangisa ukungisiza. 14 Kabayangeke babe lenhloni ndawonye abadinga umphefumulo wami ukuwuchitha; kababuyiselwe emuva bayangiswe abangifisela okubi. 15 Kabachitheke kube ngumvuzo wehlazo labo abathi kimi: Aha, aha! 16 Kabathabe bajabule kuwe bonke abakudingayo; abathanda usindiso lwakho kabatsho njalonzalo bathi: Kayikhuliswe iNkosi! 17 Kodwa ngingumyanga ngiyaswela; iNkosi iyangikhumbula; ungumsizi wami lomkhululi wami; Nkulunkulu wami, ungalibali.

41 Ubusisiwe onanzelela obuthakathaka. INkosi izamkhulula ngosuku lobubi. 2 INkosi izamlondoloza, imgcine ephila; uzabusiwa emhlabeni; kawuyikumnikela entandweni yezitha zakhe. 3 INkosi izamsekela embhedeni wokugula kwakhe; wena uzaguqula lonke icansi lakhe emkhuhlaneni wakhe. 4

Mina ngathi: Nkosi, woba lomusa kimi, silisa umphefumulo wami, ngoba ngonile kuwe. 5 Izitha zami zikhuluma okubi ngami zisithi: Uzakufa nini, lebizu lakhe lichitheke? 6 Lalapho efika ukungibona, ukhuluma inkohliso; inhliziyu yakhe izibuthela okubi, esephumile phandle akhulume. 7 Bonke abangizodayo banyenyazelana bemelene lami, bangisongele ukungona. 8 Into embi inamathele kuye; njalo njengoba elele phansi kasayikuvuka. 9 Yebo, indoda yobungane bami engiyithembayo, ebikade isidla isinkwa sami, ingiphakamisele isithende imelene lami. 10 Kodwa, wena Nkosi, woba lomusa kimi, ungilulamise ukuze ngibaphindisele. 11 Ngalokhu ngiyazi ukuthi uyangithanda, ngoba isitha sami kasithabanga phezu kwami. 12 Kodwa mina, ungisekele ebuqothweni bami, wangimisa phambi kwakho kuze kube nininini. 13 Kayibongwe iNkosi, uNkulunkulu kalsrayeli, kusukela phakade kuze kube phakade. Ameni, loAmeni.

42 Njengalokhu indluzele inxwanelo izifula zamanzi, ngokunjalo umphefumulo wami unxwanela wena, Nkulunkulu. 2 Umphefumulo wami womela uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo. Ngizafika nini ngibonakale phambi kobuso bukaNkulunkulu? 3 Inyembezi zami beziyikudla kwami emini lebusuku, lapho besithi kimi usuku lonke: Ungaphi uNkulunkulu wakho? 4 Ngikhumbula lezizinto ngathulula umphefumulo wami phakathi kwami, ngoba ngadlula lexuku, ngaya labo endlini kaNkulunkulu ngelizwi lentokozo lendumiso, ixuku eligubha umkhosi. 5 Udanelani umphefumulo wami? Ukhathazekelani phakathi kwami? Themba kuNkulunkulu, ngoba ngisezamdumisa, ngosizo lobuso bakhe. 6 Nkulunkulu wami, umphefumulo wami udanile phakathi kwami; ngakho ngizakuhumbula ngiselizweni leJordanile lalamaHermoni, ngisentabeni iMizari. 7 Inziki ibiza inziki ekuhlakomeni

kwezimpophoma zakho; wonke amagagasi akho lamaza akho adlule phezu kwami. **8** Emini iNkosi izalaya uthandolomusa wayo, lebusuku ingoma yayo izakuba lami; umkhuleko wami kuNkulunkulu wempilo yami. **9** Ngizakuthi kuNkulunkulu, idwala lami: Ungikhohlweleni? Ngihambelani ngikwezimnyama ngenxa yocindezelo lwesitha? **10** Njengokuchoboza emathanjeni ami, izitha zami ziyangiklolodela, lapho zisithi kimi usuku lonke: Ungaphi uNkulunkulu wakho? **11** Udaneleni mphefumulo wami? Njalo ukhathazekelani phakathi kwami? Themba kuNkulunkulu, ngoba ngisezamdumisa, usindiso lobuso bami, loNkulunkulu wami.

43 Ngahlulela, Nkulunkulu, umele udaba lwami esizweni esingesabi uNkulunkulu; ungikhulule emuntwini wenkohliso longalunganga. **2** Ngoba wena unguNkulunkulu wesiphephelo sami; ungilahleleni? Ngihambelani ngikwezimnyama ngenxa yocindezelo lwesitha? **3** Thumela ukukhanya kwakho leqiniso lakho, kungikhokhele, kungise entabeni yakho engcwele lemathabhanekeleni akho. **4** Khona ngizakuya elathini likaNkulunkulu, kuNkulunkulu injabulo yentokozo yami; yebo ngizakudumisa ngechacho, Nkulunkulu, Nkulunkulu wami. **5** Udaneleni mphefumulo wami? Njalo ukhathazekelani phakathi kwami? Themba kuNkulunkulu, ngoba ngisezamdumisa, ukusiliswa kobuso bami, loNkulunkulu wami.

44 Nkulunkulu, sizwile ngendlebe zethu, obaba basitshelile, umsebenzi owawenza ensukwini zabo, ensukwini zendulo. **2** Wena ngesandla sakho wazixotsha izizwe elifeni, wabahlanyela bona; wazihlupha izizwe, kodwa wabasabalalisa bona. **3** Ngoba kabadlanga ilifa lelizwe ngenkemba yabo, lengalo yabo kayibasindisanga, kodwa isandla sakho sokunene, lengalo

yakho, lokukhanya kobuso bakho, ngoba wawubathanda. 4
Wena uyiNkosi yami, Nkulunkulu; laya ukukhululwa kukaJakobe.
5 Ngawe sizadudula izitha zethu; ngebizo lakho sizabanyathelela
phansi abasivukelayo. 6 Ngoba kangithembeli kulo idandili
lami, lenkemba yami kayiyikungisindisa. 7 Kodwa usisindisile
ezitheni zethu, wayangisa abasizondayo. 8 KuNkulunkulu
siyazincoma usuku lonke; lebizu lakho sizalidumisa kuze kube
nininini. (Sela) 9 Kodwa ulahlile wasiyangisa, njalo kawuphumi
lamabutho ethu. 10 Usenze ukuthi sibuyele emuva sisuka
esitheni; labasizondayo baziphangela. 11 Usinikele njengezimvu
zokudliwa, wasichithachitha phakathi kwezizwe. 12 Uthengisile
abantu bakho ngokungelanotho, awuzuzanga lutho ngentengo
yabo. 13 Usenze saba lihlozo kwabakhelene lathi, inhlekisa
lendumazo kwabasiphahlileyo. 14 Usenze saba yisiga phakathi
kwezizwe, ukunikinwa kwekhanda phakathi kwabantu. 15 Usuku
lonke ukudunyazwa kwami kuphambi kwami, lehlazo lobuso bami
lingigubuzele, 16 ngenxa yelizwi lomgconi lomhlambazi, ngenxa
yesitha lomphindiseli. 17 Konke lokhu kusehlele, kube kanti
kasikukhohlwanga, kasenzanga ngenkohliso esivumelwaneni
sakho. 18 Inhliziyo yethu kayibuyelanga emuva, lezinyathelo
zethu kaziphambukanga emkhondweni wakho, 19 lanxa
usichobozile endaweni yamaganyana, usembese ngethunzi
lokufa. 20 Uba besilikhohliwe ibizo likaNkulunkulu wethu, loba
selulela izandla zethu kunkulunkulu wezizweni, 21 uNkulunkulu
ubengayikukuhlola lokhu yini? Ngoba uyayazi imfihlo yenhliziyu.
22 Yebo, ngenxa yakho siyabulawa usuku lonke, kuthiwa
sinjengezimvu zokuhlatsywa. 23 Phaphama, ulaleleni, Nkosi?
Vuka, ungalahli kokuphela. 24 Ufihlelani ubuso bakho, ukhohlwe
ukuhlupheka kwethu locindezelo lwethu? 25 Ngoba umphefumulo

wethu ukhothamele othulini, isisu sethu sinamathela emhlabathini.

26 Sukumela usizo lwethu, usihlenge ngenxa yomusa wakho.

45 Inhliziyo yami iphuphuma ngendaba enhle; ngikhuluma ngezinto engizenzele inkosi; ulimi lwami lulusiba lombhali ophangisayo. 2 Umuhle kulabantwana babantu; umusa uthululwe endebeeni zakho; ngenxa yalokho uNkulunkulu ukubusisile kuze kube phakade. 3 Bhinca inkemba yakho emlenzeni, qhawe, udumo lwakho lobukhosi bakho. 4 Lebukhosini bakho gada uphumulele, ngenxa yeqiniso lobumnene bokulunga; lesandla sakho sokunene sikufundise izinto ezesabekayo. 5 Imithshoko yakho ibukhali enhliziyweni yezitha zenkosi; izizwe zizakuwa ngaphansi kwakho. 6 Isihlalo sakho sobukhosi, Nkulunkulu, ngesaphakade laphakade; intonga yakho yobukhosi iyintonga yobuqotho. 7 Uthanda ukulunga, njalo uzonda ububi; ngenxa yalokho uNkulunkulu, uNkulunkulu wakho, ukugcobile ngamafutha entokozo ngaphezu kwabanakwenu. 8 Izembatho zakho zonke ziqholiwe ngemure lenhlaba lekhasiya; ezigidlweni zempondo zendlovu abakwenze wathokoza ngazo. 9 Amadodakazi amakhosi aphakathi kwabesifazana bakho abadumileyo; indlovukazi imi esandleni sokunene sakho yembethe igolide leOfiri. 10 Zwana, ndodakazi, unakane, ubeke indlebe yakho; ukhohlwe abantu bakini lendlu kayihlo; 11 khona inkosi izalangatha ubuhle bakho; ngoba iyinkosi yakho, njalo khothama kuyo. 12 Lendodakazi yeTire ilesipho, labanothileyo ebantwini, bazancenga ubuso bakho. 13 Indodakazi yenkosi iyakhazimula yonke ngaphakathi, isembatho sayo singesegolide elelukiweyo. 14 Iza lethwa enkosini yembethe isembatho esifekethisiweyo; izintombi eziyilandelayo, abangane bayo, ziza lethwa kuwe. 15 Ziza lethwa ngokuthaba lenjabulo,

zizangena esigodlweni senkosi. **16** Esikhundleni saboyihlo kuzakuba ngamadodana akho, uzawabeka abe yiziphathamandla emhlabeni wonke. **17** Ibizo lakho ngizalenza likhunjulwe ezizukulwaneni zonke; ngenxa yalokho izizwe zizakudumisa kuze kube nini lanini.

46 UNkulunkulu uyisiphephelo sethu lamandla ethu, uyatholwa elusizo kakhulu ekuhluphekeni. **2** Ngenxa yalokhu kasiyikwesaba ekuguqukeni komhlaba, lanxa izintaba zidilikela phakathi kwenlwandle. **3** Amanzi alo kawahlokome, akhaphazele, izintaba zizamazame ngokukhukhumala kwalo. (Sela) **4** Kulomfula, izifula zawo zithokozisa umuzi kaNkulunkulu, indawo engcwele yamathabhanekela oPhezukonke. **5** UNkulunkulu uphakathi kwawo, kawuyikunyikinywa; uNkulunkulu uzawusiza ngovivi lokusa. **6** Izizwe ziyaxokozela, imibuso izamazame; wakhupha ilizwi lakhe, umhlaba wancibilika. **7** INkosi yamabandla ilathi, uNkulunkulu kaJakobe uyingqaba yethu. (Sela) **8** Wozani libone imisebenzi yeNkosi, incithakalo eyenzileyo emhlabeni. **9** Yenza izimpi ziphele kuze kube semkhawulweni womhlaba; yephula idandili, iqumaqume umkhonto, itshise izinqola emlilweni. **10** Thulani, lazi ukuthi mina nginguNkulunkulu, ngizaphakanyiswa phakathi kwezizwe, ngiphakanyiswe emhlabeni. **11** INkosi yamabandla ilathi, uNkulunkulu kaJakobe uyingqaba yethu. (Sela)

47 Tshayani isandla, zizwe zonke, hlokomani kuNkulunkulu ngelizwi lentokozo. **2** Ngoba iNkosi, oPhezukonke, iyasabeka, yiNkosi enkulu phezu komhlaba wonke. **3** Izakwehlisela abantu ngaphansi kwethu, lezizwe ngaphansi kwenyawo zethu. **4** Izasikhethela ilifa lethu, udumo lukaJakobe emthandayo. (Sela) **5** UNkulunkulu wenyukile ngokuhlokoma, iNkosi ngokukhala kophondo. **6** Hlabelani indumiso kuNkulunkulu, hlabelalani

indumiso. Hlabelani indumiso eNkosini yethu, hlabelelani indumiso. 7 Ngoba uNkulunkulu uyiNkosi yomhlaba wonke; hlabelelani indumiso ngokuqedisisa. 8 UNkulunkulu uyabusa phezu kwezizwe; uNkulunkulu uhlezi esihlalweni sobukhosi sobungcwele bakhe. 9 Iziphathamandla zabantu zibuthene ndawonye, abantu bakaNkulunkulu kaAbrahama. Ngoba izihlangu zomhlaba zingezikaNkulunkulu; uphakeme kakhulu.

48 Yinkulu iNkosi, ingeyokudunyiswa kakhulu emzini kaNkulunkulu wethu, intaba yobungcwele bayo. 2 Yinhle ngokuphakama, yintokozo emhlabeni wonke intaba yeZiyoni, ehlangothini zenyakatho, umuzi weNkosi enkulu. 3 Ezigodlweni zawo uNkulunkulu uyaziwa ukuthi uyingaba. 4 Ngoba, khangela, amakhosi abuthana, adlula kanyekanye. 5 Wona awubona, ngokunjalo amangala, atshaywa luvalo, aphaphatheka. 6 Ukuthuthumela kwawabamba lapho, umhelo njengowesifazana obelethayo. 7 Ngomoya wempumalanga uphahlaza imikhumbi yeTarshishi. 8 Njengesikuzwileyo ngokunjalo sikubonile emzini weNkosi yamabandla, emzini kaNkulunkulu wethu; uNkulunkulu uzawumisa kuze kube nininini. (Sela) 9 Sizindle ngothandolomusa wakho, Nkulunkulu, phakathi kwethempeli lakho. 10 Njengalo ibizo lakho, Nkulunkulu, injalo indumiso yakho kuze kube semikhawulweni yomhlaba; isandla sakho sokunene sigcwele ukulunga. 11 Kayithokoze intaba yeZiyoni, amadodakazi akoJuda athabe, ngenxa yezahlulelo zakho. 12 Ibhodeni iZiyoni, liyizingeleze, libale imiphotshongo yayo, 13 liqaphelise umthangala wayo, lidabule lihlole izigodlo zayo, ukuze lilandisele isizukulwana esilandelayo. 14 Ngoba lo uNkulunkulu unguNkulunkulu wethu kuze kube nini lanini; yena uzasikhokhela kuze kube sekufeni.

49 Zwanini lokhu lonke bantu. Bekani indlebe lonke bakhileyo bomhlaba, 2 bonke abantukazana labaphakemeyo, abanothileyo labayanga, ndawonye. 3 Umlomo wami uzakhuluma izinhlananipho, lokuzindla kwenhliziyo yami kuzakuba yikuqedisisa. 4 Ngizabeka indlebe yami kuso isaga, ngizavula ilibho lami ngechacho. 5 Ngizakwesabelani ensukwini zobubi, nxa ububi babagwenxi bami buzangihanqa. 6 Abathemba ingcebo yabo, abazincoma ngobunengi benotho yabo, 7 umuntu kasoze ahlenge lokuhlenga umfowabo, kasoze amnike uNkulunkulu inhlawulo yakhe, 8 (ngoba uhlengo lomphfumulo wabo luligugu, futhi luyaphela laphakade) 9 ukuze ahlale ephila phakade, angaboni ukubola. 10 Ngoba ubona ukuthi abahlakaniphileyo bayafa, lokuthi isithutha kanye lesiphukuphuku bayabhubha, batshiyele inotho yabo abanye. 11 Umcabango wabo wangaphakathi uyikuthi izindlu zabo zizakuba ngezaphakade, izindawo zabo zokuhlala zibe ngezezizukulwana, babize amazwe ngamabizo abo. 12 Kodwa umuntu elodumo kayikuma, uyafanana lenyamazana ezibhubhayo. 13 Le indlela yabo iyibuthutha babo; kube kanti ababalandelayo bathokoza ngomlomo wabo. (Sela) 14 Njengezimvu bamiselwe ingcwaba, ukufa kuzabelusa; labaqotho bazababusa ekuseni, isimo sabo ngesokuqedwa lingcwaba ukuze bangabi lendawo yokuhlala. (Sheol h7585) 15 Kodwa uNkulunkulu uzahlenga umphefumulo wami emandleni engcwaba, ngoba uzangemukela. (Sela) (Sheol h7585) 16 Ungesabi nxa umuntu enotha, nxa udumo lwendlu yakhe lusanda; 17 ngoba ekufeni kwakhe kayikuthatha lutho, udumo lwakhe kaluyikwehla lumlandele. 18 Lanxa empilweni yakhe wabusisa umphefumulo wakhe, njalo bakudumisa nxa uzenzela okuhle, 19 uzakuya esizukulwaneni saboyise,

kabayikubona ukukhanya kuze kube phakade. **20** Umuntu olodumo, engaqedisisi, unjengezinyamazana ezibhubhayo.

50 USomandla, uNkulunkulu, iNkosi, ukhulumile, ubiza umhlaba kusukela ekuphumeni kwelanga kuze kube sekutshoneni kwalo. **2** EseZiyoni, ukuphelela kobuhle, uNkulunkulu ukhanyile. **3** UNkulunkulu wethu uzakuza, kayikuthula; umlilo phambi kwakhe uzaqothula, enhlangothini zonke zakhe kuzakuba lesiphepho esikhulu. **4** Uzabiza amazulu ephezulu, lomhlaba, ukwahlulela abantu bakhe. **5** Buthelani kimi abangcwele bami, abenza isivumelwano lami ngomhlatshelo. **6** Lamazulu azatshumayela ukulunga kwakhe, ngoba uNkulunkulu ngokwakhe ungumahluleli. (Sela) **7** Zwanini bantu bami, ngizakhuluma; Israyeli, ngizafakaza ngimelene lawe. NginguNkulunkulu, uNkulunkulu wakho. **8** Kangikusoli ngenxa yemihlatshelo yakho; leminikelo yakho yokutshiswa ihlala iphambi kwami. **9** Kangiyikuthatha ijongosi elivela emzini wakho, lezimpongo ezivela ezibayeni zakho. **10** Ngoba ngeyami yonke inyamazana yehlathi, izinkomo ezisentabeni eziyizinkulungwane. **11** Ngiyazazi izinyoni zonke zezintaba, lezilo zommango zikimi. **12** Uba bengilambile, bengingayikukutshela, ngoba umhlaba ngowami lokugcwala kwawo. **13** Ngizayidla yini inyama yezinkunzi, kumbe nginathe igazi lezimpongo? **14** Nikela kuNkulunkulu umhlatshelo wokubonga, ukhokhe izithembiso zakho koPhezukonke. **15** Ungibize osukwini lokuhlupheka, ngizakukhulula, ubusungidumisa. **16** Kodwa komubi uNkulunkulu uthi: Ulani lokuthi utshumayele izimiso zami, kumbe uthathe isivumelwano sami emlonyeni wakho? **17** Ngoba wena uzonda ukuqondiswa, ulahla amazwi ami emva kwakho. **18** Uba ubona isela, uthokozelana lalo, lesabelo sakho sisezifebeni. **19** Umlomo

wakho uyawunikela ebubini, lolimi lwakho luqambe inkohliso. 20 Uhlala ukhulume umelene lomfowenu, uhlebe indodana kanyoko. 21 Lezizinto uzenzile, ngathula; wacabanga ukuthi nginjengawe kanye. Ngizakukhuza, ngikuhlele phambi kwamehlo akho. 22 Kuqapheleni-ke lokhu, lina elikhohlwa uNkulunkulu, hlezi ngilidabule, kungabi khona okukhululayo. 23 Onikela umnikelo wokubonga uyangidumisa; lolungisa indlela yakhe ngizambonisa usindiso lukaNkulunkulu.

51 Ngihawukela, Nkulunkulu, ngokothandolomusa wakho; ngobunengi besihawu sakho yesula iziphambeko zami. 2 Ungigezise ebubini bami, ungihlambulule esonweni sami. 3 Ngoba mina ngiyazivuma iziphambeko zami, lesono sami sihlezi siphambi kwami. 4 Ngonile kuwe, kuwe wedwa, ngenze okubi emehlweni akho, ukuze kuthiwe ulungile ekukhulumeni kwakho, uhlanzeke ekwahluleleni kwakho. 5 Khangela, ngazalelwa ebubini, lomama wangomulela esonweni. 6 Khangela, uthanda iqiniso endaweni ezingaphakathi; lekusithekeni ungenza ngazi inhlakanipho. 7 Ngihlanze ngehisope, ngizahlambuluka; ngigezisa, ngizakuba mhlophe kuleliqhwa elikhithikileyo. 8 Ngizwise intokozo lenjabulo, ukuze athabe amathamboowachobozileyo. 9 Fihla ubuso bakho ezonweni zami, wesule zonke iziphambeko zami. 10 Nkulunkulu, dala kimi inhliziyu ehlambulukileyo, njalo uvuselele umoya oqinileyo phakathi kwami. 11 Ungangilahli ebusweni bakho, njalo ungasusi umoya wakho ongcwele kimi. 12 Buyisela kimi intokozo yosindiso lwakho, ungisekele ngomoya ovumayo. 13 Khona ngizafundisa abaphambukayo indlela zakho, lezoni zizaphendukela kuwe. 14 Ngikhulula ecaleni legazi, Nkulunkulu, Nkulunkulu wosindiso lwami, ulimi lwami

luzahlabelela kakhulu ngokulunga kwakho. **15** Nkosi, vula indebe zami, lomlomo wami uzamemezela indumiso yakho. **16** Ngoba kawuthandi umhlatsshelo, ngoba bengizawunika; kawuthokozi ngomnikelo wokutshiswa. **17** Imihlatsshelo kaNkulunkulu ingumoya odabukileyo; inhliziyo edabukileyo leyephukileyo, Nkulunkulu, kawuyikuyidelela. **18** Yenzele iZiyoni okuhle ngokuthanda kwakho; uyakhe imiduli yeJerusalema. **19** Khona uzajabulela iminikelo yokulunga, umnikelo wokutshiswa, lomnikelo wonke; khona bezanikela amajongosi phezu kwelathi lakho.

52 Uzincomelani ngokubi, qhawe? Umusa kaNkulunkulu ukulo lonke usuku. **2** Ulimi lwakho luceba konke ukuganga, njengensingo ebukhali, lwenza inkohliso. **3** Uthanda okubi kulokuhle; amanga kulokukhuluma iqiniso. (Sela) **4** Uthanda wonke amazwi okuginya, limi lwenkohliso. **5** UNkulunkulu laye uzakubhidliza phakade, akususe, akuhluthune ethenteni, akusiphune elizweni labaphilayo. (Sela) **6** Abalungileyo bazakubona besabe, bazamhleka, besithi: **7** Khangelani, umuntu ongamenzanga uNkulunkulu abe yinqaba yakhe, kodwa wathembela ebunengini benotho yakhe, eqinile ekugangeni kwakhe. **8** Kodwa nginjengesihlahla somhlwathi esiluhlaza endlini kaNkulunkulu. Ngiyathemba emuseni kaNkulunkulu phakade laphakade. **9** Ngizakudumisa kuze kube phakade ngoba ukwenzile. Ngizalindela ibizo lakho, ngoba lihle phambi kwabangcwele bakho.

53 Isithutha sithi enhliziyweni yaso: KakulaNkulunkulu. Bonakele, benza ububi obunengekayo; kakho owenza okuhle. **2** UNkulunkulu wakhangela phansi esemazulwini phezu kwabantwana babantu, ukubona ukuthi ukhona yini oqedisisayo, odinga uNkulunkulu. **3** Bonke ngamunye wabo babuyele emuva,

bonke bonakele; kakho owenza okuhle, kakho loyedwa. **4** Kabazi yini bonke abenzi bobubi, abadla abantu bami njengoba besidla isinkwa? Kababizi uNkulunkulu. **5** Lapho besaba lokwesaba, kungekho okwesabekayo. Ngoba uNkulunkulu uchithachithe amathambo akhe omisa inkamba emelane lawe; ubayangisile, ngoba uNkulunkulu ubadelile. **6** Kungathi insindiso zikaIsrayeli zingavela eZiyoni! Lapho uNkulunkulu ebuyisa ukuthunjwa kwabantu bakhe, uJakobe uzathaba, ulsrayeli athokoze.

54 Nkulunkulu, ngisindisa ngebizo lakho, ungahlulele ngamandla akho. **2** Nkulunkulu, zwana umkhuleko wami, ubeke indlebe emazwini omlomo wami. **3** Ngoba abemzini bangivukele, abalolunya badinga umphefumulo wami, kababekanga uNkulunkulu phambi kwabo. (Sela) **4** Khangela, uNkulunkulu ungumsizi wami; iNkosi ilalabo abasekela umphefumulo wami. **5** Izaphindisela ububi ezitheni zami. Baqume ngeqiniso lakho. **6** Ngizanikela umhlatshelo kuwe ngokukhululeka, ngizadumisa ibizo lakho, Nkosi, ngoba lihle. **7** Ngoba ungikhulule ekuhluphekeni konke, lelihlo lami libonile isiloyiso sami ezitheni zami.

55 Beka indlebe, Nkulunkulu, emkhulekweni wami, ungazifihli ekunxuseni kwami. **2** Lalela kimi, ungiqhendule; ngiyazulazula ekukhalazeni kwami, ngenza umsindo, **3** ngenxa yelizwi lesitha, ngenxa yembandezelo yomubi; ngoba bangethwesa ububi, langentukuthelo bayangizonda. **4** Inhliziyo yami iyafutha phakathi kwami, lezethuso zokufa ziwele phezu kwami. **5** Uvalo lokuthuthumela kungifikele, lokwesaba okukhulu kungigubuzele. **6** Ngasengisithi: Kungathi ngabe ngilempiko njengejuba! Bengizaphaphela khatshana, ngiphumule. **7** Khangela, bengingabalekela khatshana ngihlale enkangala. (Sela) **8** Bengizaphangisisa ukuphunyuka kwami, ngisuke

emoyeni ovunguzayo, esiphephweni. **9** Sanganisa, Nkosi, yehlukanisa ulimi lwabo. Ngoba ngibone udlakela lokuxabana emzini. **10** Emini lebusuku bayawubhoda phezu kwemithangala yawo; njalo ububi lenkathazo kuphakathi kwawo. **11** Inkohlakalo iphakathi kwawo; imbandezelo lenkohliso kakusuki emgwaqweni wawo. **12** Ngoba kakusisitha esingiyangisayo, uba kunjalo bengizakuthwala; kakusuye ongizondayo oziphakamisa phezu kwami; uba kunjalo bengizamcatshela. **13** Kodwa nguwe, umuntu olingana lami, umngane wami lowejwayelene lami. **14** Esasicebisana ngokumnandi sonke, saya endlini kaNkulunkulu silixuku. **15** Ukufa kakubazume, kabehlele esihogweni bephila, ngoba ububi busemizini yabo, phakathi kwabo. (Sheol h7585) **16** Mina ngizabiza uNkulunkulu, iNkosi ingisindise-ke. **17** Kusihlwa lekuseni lemimi ngizakhalaza ngikhale kakhulu, ibisilizwa ilizwi lami. **18** Ikhululile umphefumulo wami ngokuthula empini emelene lami, ngoba babebanengi kimi. **19** UNkulunkulu uzakuzwa, abahluphe, ngitsho yena obehlezi endulo. (Sela) Ngoba bengelazinguquko, ngakho kabamesabi uNkulunkulu. **20** Welule isandla sakhe kwabaxolelene laye, wasingcolisa isivumelwano sakhe. **21** Umlomo wakhe wawubutshelezi kulolaza, kanti inhliziyi yakhe yimpi; amazwi akhe abuthakathaka kulamafutha, kanti azinkemba ezihwatshiweyo. **22** Phosela umthwalo wakho phezu kweNkosi, yona izakusekela; kayiyikuvuma lanini ukuthi olungileyo anyikinywe. **23** Kodwa wena, Nkulunkulu, uzabehlisela emgodini wokubhujiswa; abantu begazi lenkohliso kabayikufinyelela lengxenyeni eyodwa kwezimbili yensuku zabo. Kodwa mina ngizathemba kuwe.

56 Woba lomusa kimi, Nkulunkulu, ngoba umuntu ufuna ukungiginya; usuku lonke esilwa uyangicindezela. **2** Izitha zami

zifuna ukungiginya usuku lonke, ngoba zinengi ezilwa zimelene lami ngokuziphakamisa. **3** Mhla ngisesaba, mina ngizathemba kuwe. **4** KuNkulunkulu ngizadumisa ilizwi lakhe, kuNkulunkulu ngiyathemba, angiyikwesaba. Inyama ingenzani kimi? **5** Usuku lonke baphambanisa amazwi ami; yonke imicabango yabo imelene lami ngokubi. **6** Bayabuthana, bagugube, bona baqaphelise izinyathelo zami, lapho belindele umphefumulo wami. **7** Bazaphunyuka yini ngobubi? Ekuthukutheleni wisela phansi abantu, Nkulunkulu. **8** Ukuzulazula kwami ukubalile; wena faka izinyembezi zami embodloleni yakho; kazikho ogwalweni lwakho yini? **9** Khona izitha zami zizabuyela emuva mhla ngibizayo. Ngiyakwazi lokhu ukuthi uNkulunkulu ukimi. **10** KuNkulunkulu ngizadumisa ilizwi, eNkosini ngizadumisa ilizwi. **11** KuNkulunkulu ngiyathemba, angiyikwesaba. Umuntu angenzani kimi? **12** Nkulunkulu, izifungo zakho ziphezu kwami; ngizabuyisela kuwe izindumiso. **13** Ngoba uwukhulule umphefumulo wami ekufeni, yebo, inyawo zami ekukhubekeni, ukuze ngihambe phambi kukaNkulunkulu ekukhanyeni kwabaphilayo.

57 Ngihawukela, Nkulunkulu, ngihawukela, ngoba umphefumulo wami uthembela kuwe; yebo, emthunzini wempiko zakho ngizaphephela, zize zedlule incithakalo. **2** Ngizakhala kuNkulunkulu oPhezukonke, kuNkulunkulu ongiphelelisela khona. **3** Uzathumela esemazulwini, angisindise, ayangise ofuna ukungiginya. (Sela) UNkulunkulu uzathumela umusa wakhe leqiniso lakhe. **4** Umphefumulo uphakathi kwezilwane, ngilala phakathi kwabavuthayo, amadodana abantu, omazinyo abo ayimikhonto lemitshoko, lolimi lwabo luyinkemba ebukhali. **5** Phakama ngaphezu kwamazulu, Nkulunkulu; ubukhosi bakho bube phezu komhlaba wonke. **6** Balungisele izinyathelo zami

imbule; umphefumulo wami ukhothame; bagebhe igodi phambi kwami; bawele phakathi kwalo. (Sela) 7 Inhliziyo yami iqinisiwe, Nkulunkulu, inhliziyo yami iqinisiwe. Ngizahlabelela ngihube indumiso. 8 Vuka, dumo lwami! Vuka, gubhu lwezintambo lechacho! Ngizavusa ukusa. 9 Ngizakudumisa phakathi kwabantu, Nkosi, ngihlabelele kuwe phakathi kwezizwe. 10 Ngoba umusa wakho mkhulu kuze kube semazulwini, leqiniso lakho kuze kube semayezini. 11 Phakama ngaphezu kwamazulu, Nkulunkulu; ubukhosi bakho bube phezu komhlaba wonke.

58 Isibili likhuluma okulungileyo yini, babusi? Lehlulela ngokuqonda yini, madodana abantu? 2 Yebo, enhliziyweni lenza okubi, lilinganisa udlakela lwezandla zenu emhlabeni. 3 Ababi baba ngabemzini kusukela esiswini, bayaduha kusukela esizalweni, beqamba amanga. 4 Ubuhlungu babo bunjengobuhlungu benyoka, banjengebululu elingezwayo, elivimba indlebe yalo, 5 ukuze lingezwa ilizwi labalumbi abalumba amalumbo ngokuhlakanipha. 6 Nkulunkulu, yephula amazinyo abo emlonyeni wabo, uphohloze amazinyo emihlathi yamabhongo ezilwane, Nkosi. 7 Kabancibilike njengamanzi agelezayo; nxa egobisa idandili lakhe ukutshoka umtshoko wakhe, babe njengabaqunywe iziqa. 8 Kahambe njengomnenke oncibilikayo; njengomphunzo owesifazana, kabangaliboni ilanga. 9 Imbiza zenu zingakaluzwa ukhuni lwameva, uzabaphephula esiphephweni njengabaphilayo njengentukuthelweni. 10 Olungileyo uzathokoza lapho ebona impindiselo, uzageza inyawo zakhe egazini lomubi. 11 Ukuze umuntu athi: Impela ukhona umvuzo wolungileyo; impela ukhona uNkulunkulu owahlulela emhlabeni.

59 Ngikhulula ezitheni zami, Nkulunkulu wami, ungimise ngaphezu kwabangivukelayo. **2** Ngikhulula kubenzi bobubi, ungisindise ebantwini abomele igazi. **3** Ngoba, khangela, bacathamela umphefumulo wami; abalamandla bayangihlanganyela, kungekho siphambeko sami njalo kungekho sono sami, Nkosi. **4** Ngaphandle kwecala bayagijima bezilungisa. Vuka, ungisize, ubone. **5** Wena-ke, Nkosi Nkulunkulu wamabandla, Nkulunkulu kalsrayeli; vuka ukuze uhambele zonke izizwe, unгахawukeli lamunye wabakhohlisayo ebubini. (Sela) **6** Bayabuyela kusihlwa, behlaba umkhulungwane njengenja, bezingelezela umuzi. **7** Khangela, bempopolozza ngomlomo wabo, inkemba zisendebeni zabo, ngoba bathi: Ngubani ozwayo? **8** Kodwa wena, Nkosi, uzabahleka, uzaziklolodela zonke izizwe. **9** Ngenxa yamandla akhe ngizalindela kuwe, ngoba uNkulunkulu uyingqaba yami. **10** UNkulunkulu womusa wami uzangandulela; uNkulunkulu uzangenza ngibone isiloyiso sami ezitheni zami. **11** Ungazibulali, hlezi abantu bakithi bakhohlwe; uzizulazulise ngamandla akho, uzehlisele phansi, wena sihlangu sethu, Nkosi. **12** Ngesono somlomo wazo, ngelizwi lendebe zazo, kazibanjwe ekuzigqajeni kwazo, langenxa yokuhlambaza lokuqamba amanga ezikukhulumayo. **13** Uziqede ngokuthukuthela, uziqede zingabi khona, ukuze bazi ukuthi uNkulunkulu uyabusa koJakobe, kuze kube sekupheleni komhlaba. (Sela) **14** Kababuyele-ke kusihlwa behlaba umkhulungwane njengenja, bezingelezela umuzi. **15** Bona kabazulazulele ukudla, nxa bengasuthanga kabalale. **16** Kodwa mina ngizahlabelela ngamandla akho; yebo, ngizahlabelela kakhulu ekuseni ngomusa wakho; ngoba ube yinqaba yami lesiphephelo sami ngosuku lokuhlupheka

kwami. 17 Mandla ami, ngizahlabelela kuwe, ngoba uNkulunkulu uyingqaba yami, uNkulunkulu womusa wami.

60 Nkulunkulu, ubusilahile, wasibhidliza, wathukuthela; buyela kithi. 2 Uzamazamisile umhlaba, wawuqhekeza; silisa imikenke yawo, ngoba uyazamazama. 3 Abantu bakho ubabonisile okulukhuni; usinathise iwayini lokudiyazela. 4 Ubanikile labo abakwesabayo isiboniso, ukuze siphakanyiswe ngenxa yeqiniso. (Sela) 5 Ukuze abathandekayo bakho bakhululwe; sindisa ngesandla sakho sokunene, usiphendule. 6 UNkulunkulu ukhulumile ebungcweleni bakhe. Ngizathaba, ngilabe iShekema, ngilinganise isihotsha seSukothi. 7 Ngeyami iGileyadi, njalo ngowami uManase, loEfrayimi ungamandla ekhanda lami, uJuda ngumnikumthetho wami. 8 UMowabi ungumganu wami wokugezela; phezu kukaEdoma ngizaphosela inyathela lami; mayelana lami, wena Filisti, memeza ngokunqoba. 9 Ngubani ozangisa emzini oqinileyo? Ngubani ozangiholela eEdoma? 10 Kawusilahlanga yini, Nkulunkulu; kawuphumanga, Nkulunkulu, lamabutho ethu? 11 Siphe usizo ekuhlupheni, ngoba luyize uncedo lomuntu. 12 KuNkulunkulu sizakwenza ngobuqhawe, ngoba yena uzanyathelela phansi izitha zethu.

61 Zwana, Nkulunkulu, ukukhala kwami, ulalele umkhuleko wami. 2 Ngisemkhawulweni womhlaba ngizakhala kuwe, inhliziyo yami isiphela amandla; ngikhokhelela edwaleni eliphakemeyo kulami. 3 Ngoba ubuyisiphephelo sami, inqaba eqinileyo kuso isitha. 4 Ngizahlala ethenteni lakho kuze kube nininini, ngiphephele kungubudo yempiko zakho. (Sela) 5 Ngoba wena, Nkulunkulu, uzwile izifungo zami, wanginika ilifa labesaba ibizo lakho. 6 Uzakwengeza izinsuku ezinsukwini zenkosi; iminyaka yayo izakuba njengesizukulwana lesizukulwana. 7

Kayihlale phambi kukaNkulunkulu kuze kube nininini; umise umusa leginiso, ukuze kuyilondoloze. 8 Ngalokho ngizahlabela indumiso ebizweni lakho kuze kube nininini, ukuze ngigcwalise izifungo zami insuku ngensuku.

62 Ngoqotho, umphefumulo wami uyamlindela uNkulunkulu ngokuthula; luvela kuye usindiso lwami. 2 Nguye kuphela olidwala lami losindiso lwami, inqaba yami; kangiyikunyikinywa kakhulu. 3 Koze kube nini liceba ububi limelene lomuntu? Lonke lizabulawa, njengomduli otshekileyo, uthango oludilikayo. 4 Baceba kuphela ukumwisa ekuphakameni kwakhe, bathokoza ngamanga; ngomlomo wabo bayabusisa, kodwa ngaphakathi kwabo bayathuka. (Sela) 5 Mphefumulo wami, lindela ngokuthula kuNkulunkulu kuphela; ngoba ithemba lami livela kuye. 6 Nguye kuphela olidwala lami losindiso lwami, inqaba yami; kangiyikunyikinywa. 7 LukuNkulunkulu usindiso lwami lodumo lwami, idwala lamandla ami, isiphephelo sami, kukuNkulunkulu. 8 Themba kuye isikhathi sonke, lina bantu; lithulule inhliziyu yenu phambi kwakhe; uNkulunkulu uyisiphephelo sethu. (Sela) 9 Ngoqotho, abantukazana bayize, izikhulu ziyinkohliso; esilinganisweni balula kuleze bebonke. 10 Lingathembeli embandezelweni, lingamisi ithemba eliyize ekuphangeri; uba inotho isanda, lingabeki inhliziyu kuyo. 11 UNkulunkulu ukhulumile kwaba kanye, ngikuzwile lokhu kabili, ukuthi amandla angakaNkulunkulu. 12 Lomusa ungowakho, Nkosi; ngoba wena uyamphindisela wonke umuntu njengokomsebenzi wakhe.

63 Nkulunkulu, unguNkulunkulu wami, ngizakudinga ngovivi; umphefumulo wami womela wena; inyama yami iyakulangatha, elizweni elomileyo leligagadekileyo, elingelamanzi. 2 Njengoba ngikubonile endaweni engcwele, ngibone amandla akho

lobukhosi bakho. 3 Ngoba uthandolomusa wakho lungcono kulempilo; indebe zami zizakudumisa. 4 Ngokunjalo ngizakubonga ngisaphila, ngiphakamise izandla zami ebizweni lakho. 5 Umphefumulo wami uzasutha kungathi ngomnkantsho lamahwahwa, lomlomo wami uzadumisa ngezindebe ezithabisayo. 6 Lapho ngikukhumbula embhedeni wami, emilindweni yebusuku ngizindla ngawe. 7 Ngoba ubulusizo lwami, ngakho emthunzini wempiko zakho ngizahlabela ngithokoze. 8 Umphefumulo wami unamathele ekukulandeleni, isandla sakho sokunene siyangisekela. 9 Kodwa abadinga umphefumulo wami ukuwuchitha bazakuya ezindaweni zomhlaba eziphansi. 10 Bazanikelwa emandleni enkemba, babe yisabelo samakhanka. 11 Kodwa inkosi izathokoza kuNkulunkulu; wonke ofunga ngaye uzazincoma; kodwa umlomo wabaqamba amanga uzavalwa.

64 Zwana, Nkulunkulu, ilizwi lami esikhalazweni sami, ulondoloze impilo yami ekwesabeni isitha. 2 Ungifihle ecebeni elifihliweyo lababi, ekuxokozeleni kwabenzi bobubi, 3 abalola ulimi lwabo njengenkemba, bagobise umtshoko wabo, ngitsho amazwi ababayo, 4 ukutshoka ophelweyo besekusithekeni; bahle bamtshoke, bengesabi. 5 Baziqinisa edabeni olubi, bekhuluma ngokuthiya, bathi: Ngubani ongayibona? 6 Badingisisa iziphambeko; silungile ngecebo elicetshwe ngobuqili; umcabango wangaphakathi womuntu kanye lenhliziyo kujulile. 7 Kodwa uNkulunkulu uzabatshoka ngomtshoko masinyane; bazalinyazwa. 8 Njalo bazakwenza olwabo ulimi luwele phezu kwabo; bonke abababonayo bazabaleka. 9 Labo bonke abantu bazakwesaba, batshumayele isenzo sikaNkulunkulu, baqedisise umsebenzi

wakhe. **10** Olungileyo uzajabula eNkosini, aphephele kuyo; bonke abaqotho ngenhliziyo bazazincoma.

65 Ukulinda ngokuthula kuyindumiso kuwe, Nkulunkulu, eZiyoni, lesifungo sizagcwaliswa kuwe. **2** Wena ozwa umkhuleko, yonke inyama izakuza kuwe. **3** Izinto zobubi zingehlule. Iziphambeko zethu, wena uzenzele inhlawulo yokuthula. **4** Ubusisiwe omkhethayo, omsondezayo ukuthi ahlale emagumeni akho. Sizasutha ngokuhle kwendlu yakho, ithempeli lakho elingcwele. **5** Ngezinto ezesabekayo uzasiphendula, Nkulunkulu wosindiso lwethu, themba lemikhawulo yonke yomhlaba, lelabakhatshana elwandle. **6** Omisa izintaba ngamandla akhe, ebhince amandla. **7** Othulisa ukuduma kwezindwandle, lenhlocomo yamagagasi azo, lokuxokozela kwabantu. **8** Labakhileyo emikhawulweni bayesaba iziboniso zakho; wenza kuhlabele kuthokoze ukuphuma kokusa lokokuhlwa. **9** Uyahambela umhlaba uwuthelele, uwuvundise kakhulu; umfula kaNkulunkulu ugcwele amanzi; uyabalungisela amabele, lapho uwulungisa ngokunjalo. **10** Uyathelela kakhulu imisele yawo, ulalise imigelo yawo, uyithambise ngezihlambo, ubusise ukumila kwawo. **11** Uyethesa umnyaka ngomqhele wobuhle bakho; lemikhondo yakho ithonta amafutha. **12** Ithontela amadlelo eganga, lamaqaqa embethe intokozo. **13** Amadlelo embethe imihlambi, lezigodi zisitshekelwe ngamabele; kuyajabula kakhulu, njalo kuhlabele.

66 Mhubeleni ngentokozo uNkulunkulu, mhlaba wonke. **2** Hlabelani ubukhosi bebizo lakhe, lenze udumo lwakhe lube lenkazimulo. **3** Tshonini kuNkulunkulu lithi: Yeka ukwesabeka kwezenzo zakho! Ngenxa yobukhulu bamandla akho izitha zakho zizakuthobela ngenkohliso. **4** Umhlaba wonke uzakukhonza, uhlabelele kuwe, bahlabelele ibizo lakho. (Sela) **5** Wozani libone

izenzo zikaNkulunkulu; uyesabeka ekwenzeni ebantwaneni babantu. **6** Ulwandle waluphendula lwaba ngumhlaba owomileyo; bachapha umfula ngenyawo. Lapho sathokoza kuye. **7** Ubusa ngamandla akhe kuze kube nininini; amehlo akhe ayazilinda izizwe; abalenkani kabangaziphakamisi. (Sela) **8** Bongani uNkulunkulu, zizwe, lizwakalise ilizwi lendumiso yakhe. **9** Obeka umphefumulo wethu empilweni, ongavumanga ukuthi unyawo lwethu lutshelele. **10** Ngoba usihlolile, Nkulunkulu, wasicenga njengokucengwa kwesiliva. **11** Wasingenisa embuleni, wabeka inhlupheko enkalweni zethu. **12** Wenze abantu bagade phezu kwekhanda lethu; sadabula emilweni lasemanzini, kodwa wasikhuphela endaweni elokunengi. **13** Ngizangena endlini yakho ngileminikelo yokutshiswa; ngizakhokha kuwe izifungo zami, **14** indebe zami eziziphumisileyo, lomlomo wami ozikhulumileyo ngisekuhluphekeni. **15** Ngizanikela kuwe iminikelo yokutshiswa yezinonileyo, kanye lempepha yezinqama; ngizanikela inkomo kanye lezimpongo. (Sela) **16** Wozani lizwe lina lonke elimesabayo uNkulunkulu, ngizalandisa akwenzele umphefumulo wami. **17** Ngakhala kuye ngomlomo wami, waphakanyiswa ngaphansi kolimi lwami. **18** Uba benginanze ububi enhliziyweni yami, ibingayikuzwa iNkosi. **19** Qotho uNkulunkulu uzwile, walalela ilizwi lomkhuleko wami. **20** Kabongwe uNkulunkulu, ongabuyiselanga emuva umkhuleko wami, kumbe umusa wakhe kimi.

67 Nkulunkulu, woba lomusa kithi usibusise, ukhanyise ubuso bakho phezu kwethu. (Sela) **2** Ukuze indlela yakho yaziwe emhlabeni, usindiso lwakho ezizweni zonke. **3** Kazikudumise izizwe, Nkulunkulu, kabakudumise abantu bonke. **4** Izizwe kazijabule zihlabele ngentokozo, ngoba uzabahlulela abantu ngokuqonda, uhole izizwe emhlabeni. (Sela) **5** Kazikudumise

izizwe, Nkulunkulu, kabakudumise abantu bonke. **6** Umhlaba uzathela izithelo zawo; uNkulunkulu, uNkulunkulu wethu uzasibusisa. **7** UNkulunkulu uzasibusisa, layo yonke imikhawulo yomhlaba izamesaba.

68 UNkulunkulu kavuke, zihlakazeke izitha zakhe, labamzondayo babaleke phambi kwakhe. **2** Njengokuphetshethwa kwentuthu baphephethe; njengokuncibilikiswa kwengcino phambi komlilo, ababi kabachithwe phambi kukaNkulunkulu. **3** Kodwa abalungileyo kabajabule, bathabe phambi kukaNkulunkulu, njalo bathokoze ngentokozi. **4** Hlabelelani kuNkulunkulu, hlabelelani indumiso ebizweni lakhe, limphakamise lowo ogade esedlula emagcekeni enkangala ngebizo lakhe uJehova, njalo thokozani phambi kwakhe. **5** Unguyise wezintandane lomahluleli wabafelokazi, uNkulunkulu endaweni yakhe yokuhlala engcwele. **6** UNkulunkulu uhlalisa ababodwa emulini, ukhupha ababotshiweyo ebase empumelelweni, kodwa abalenkani bahlala elizweni elomileyo. **7** Nkulunkulu, ekuphumeni kwakho phambi kwabantu bakho, ekuhambeni kwakho enkangala; (Sela) **8** Umhlaba wamazama, lawo amazulu athontisa phambi kukaNkulunkulu, le iSinayi, phambi kukaNkulunkulu, uNkulunkulu kalsrayeli. **9** Walinisa izulu elikhulu, Nkulunkulu; waliqinisa wena ilifa lakho selikhathele. **10** Ibandla lakho lahlala kulo; wamlungisela ngobuhle bakho oswelayo, Nkulunkulu. **11** INkosi yanika ilizwi; abesifazana ababika izindaba babelixuku elikhulu. **12** Amakhosi amabutho ayabaleka, ayabaleka. Owesifazana ohlezi ekhaya wayaba impango. **13** Lanxa lilala phakathi kwezibaya zezimvu, lizakuba njengempiko zejuba ezisitshekelwe ngesiliva, lezinsiba zalo ngegolide eliliganu. **14**

Lapho uSomandla echitha amakhosi kulo, kwaba mhlophe njengeliqhwa elikhithikileyo eZalimoni. **15** Intaba yeBashani yintaba kaNkulunkulu, intaba elezingqonga, intaba yeBashani. **16** Likhangelelani ngomhawu, lina zintaba zezingqonga? Lintaba uNkulunkulu uyiloyisele ukuhlala kwakhe. Yebo, iNkosi izahlala kuyo kuze kube nininini. **17** Izingola zikaNkulunkulu ziyizinkulungwane ezingamatshumi amabili, izinkulungwane zezinkulungwane, iNkosi iphakathi kwazo, iSinayi endaweni engcwele. **18** Wena wenyukele phezulu, wathumba abathunjiweyo; wemukela izipho ebantwini, yebo, lakwabalenkani; ukuze uJehova uNkulunkulu ahlale khona. **19** Kayibongwe iNkosi; isethwesa insuku ngensuku; uNkulunkulu ulusindiso lwethu. (Sela) **20** UNkulunkulu wethu unguNkulunkulu wezinsindiso; lakuJehova iNkosi kulokuphuma ekufeni. **21** Kodwa uNkulunkulu uzaphohloza ikhanda lezitha zakhe, ukhakhayi olulenwele lwalowo ohamba ezonweni zakhe. **22** INkosi yathi: Ngizababuyisa bevela eBashani, ngibabuyise bevela enzikini yolwandle, **23** ukuze inyawo zakho uzigxamuze egazini lezitha, inlimi zezinja zakho kulo. **24** Zibonile izindwendwe zakho, Nkulunkulu; izindwendwe zikaNkulunkulu wami, iNkosi yami, endaweni engcwele. **25** Ngaphambili kuhamba abahlabelayo, ngemuva abatshayi bamachacho, phakathi izintombi zitshaya izigubhu. **26** Bongani uNkulunkulu emabandleni, iNkosi, kuvela emthonjeni kalsrayeli. **27** Nango uBhenjamini omncinyane umbusi wabo, iziphathamandla zikaJuda, inkundla yazo, iziphathamandla zikaZebuluni, iziphathamandla zikaNafithali. **28** UNkulunkulu wakho ulaye amandla akho; qinisa, Nkulunkulu, lokho osenzele khona. **29** Ngenxa yethempeli lakho eJerusalema amakhosi azakulethela

isipho. **30** Sikhuze isilo somhlanga, umhlambi wezinkunzi kanye lamankonyana abantu, kuze kuthobeke kulenhlamvu zesiliva; ubahlakaze abantu abathokoza ezimpini. **31** Iziphathamandla zizakuza zivela eGibhithe; iEthiyophiya izakwelulela izandla zayo kuNkulunkulu ngokuphangisa. **32** Mibuso yomhlaba, hlabelelani kuNkulunkulu, lihlabelele indumiso eNkosini. (Sela) **33** Kuyo egade phezu kwamazulu amazulu awendulo; khangelani, iphumisa ilizwi layo, ilizwi elilamandla. **34** Phanini amandla kuNkulunkulu; ubukhosi bakhe buphezu kukalsrayeli, lamandla akhe asemayezini. **35** Uyesabeka, Nkulunkulu, ezindaweni zakho ezingcwele; uNkulunkulu kalsrayeli nguye onika abantu bakhe amandla lengalo. Kabongwe uNkulunkulu.

69 Ngisindisa, Nkulunkulu, ngoba amanzi asengene kuwo umphefumulo. **2** Ngiyatshona odakeni olujulileyo, lapho okungelakuma khona; ngingene emanzini atshonayo, lapho impophoma iyangicwilisa. **3** Ngidiniwe yikukhala kwami, umphimbo wami womile qha; amehlo ami ayafiphala ekulindeleni uNkulunkulu wami. **4** Abangizondayo ngeze banengi okwedlula inwele zekhanda lami; abangangibhubhisa, izitha zami ngaphandle kwecala, balamandla. Lokho engingakwebanga ngasengikubuyisela. **5** Nkulunkulu, wena uyabazi ubuthutha bami, lezono zami kazifihlakalanga kuwe. **6** Kabangayangeki ngenxa yami labo abakulindeleyo, Nkosi Jehova wamabandla; bangadunyazwa ngenxa yami labo abakudingayo, Nkulunkulu kalsrayeli. **7** Ngoba ngenxa yakho ngithwele ihlazo; inhloni zisibekele ubuso bami. **8** Sengaba ngowemzini kubafowethu, lowezizweni kubantwana bakamama. **9** Ngoba ukutshisekela indlu yakho kungidlile, lenhlamba yabakuhlambazayo iwele phezu kwami. **10** Ngasengilila ekuzileni ukudla komphefumulo

wami, njalo kwaba yikudunyazwa kimi. 11 Ngasengisenza isaka isembatho sami, ngaba yisiga kibo. 12 Abahlezi esangweni bakhuluma ngami, njalo ngaba yingoma yabanatha okunathwayo okulamandla. 13 Kodwa mina umkhuleko wami ukuwe, Nkosi, ngesikhathi somusa, Nkulunkulu, ngobunengi besihawu sakho, ngiphendule, ngeqiniso losindiso lwakho. 14 Ungophule odakeni, ngingatshoni; ngikhululwe kwabangizondayo lenzikini yamanzi. 15 Impophoma yamanzi kayingangicwilisi, lenziki ingangiginyi, lomgodi ungavali umlomo wawo phezu kwami. 16 Ngiphendula, Nkosi, ngoba uthandolomusa wakho lulungile; ngobunengi besihawu sakho uphendukele kimi. 17 Njalo ungayifihleli ubuso bakho inceku yakho; ngoba ngiyahlupheka, phangisa unghendule. 18 Sondela emphefumulweni wami, uwuhlenge, unghulule ngenxa yezitha zami. 19 Wena uyakwazi ukuthukwa kwami lehlazo lami lokudunyazwa kwami; izitha zami zonke ziphambi kwakho. 20 Ukuthukwa kuyidabule inhliziyo yami, njalo ngibuthakathaka. Bengilindele ongangihawukela, kodwa wayengekho, labaduduzayo, kodwa kangibatholanga. 21 Basebengipha inyongo ibe yikudla kwami, lekomeni kwami banginathisa iviniga. 22 Itafula labo eliphambi kwabo kalibe ngumjibila, ibe yisifu sabonwabileyo. 23 Amehlo abo kawafiphale ukuze bangaboni, njalo wenze inkalo zabo zihlale zithuthumele. 24 Thela intukuthelo yakho phezu kwabo, lolaka lwakho oluvuthayo lubafice. 25 Indawo yabo yokuhlala kayibe lunxiwa, kungabi khona ohlala emathenteni abo. 26 Ngoba omtshayileyo wena bayamzingela, njalo baxoxa kube buhlungu kwabalinyazwe nguwe. 27 Yengezelela ukona ekoneni kwabo, ukuze bangangeni ekulungeni kwakho. 28 Kabesulwe ogwalweni lwabaphilayo, bangabalwa kanye labalungileyo. 29 Kodwa mina ngilusizi,

ngiyafuthelwa; usindiso lwakho, Nkulunkulu, kalungimise phezulu ngivikelekile. **30** Ngizadumisa ibizo likaNkulunkulu ngehubo, ngimkhulise ngokubonga. **31** Kuzakuba kuhle-ke eNkosini okwedlula inkabi kumbe ijongosi elilemondo lenklagu. **32** Abathobekileyo bazabona, bathokoze; lina elidinga uNkulunkulu inhliziyo yenu izaphila. **33** Ngoba iNkosi iyabezwa abaswelayo, njalo kayideleli izibotshwa zayo. **34** Kakuthi amazulu lomhlaba kuyidumise, izinlwandle lakho konke okunyakaza phakathi kwazo. **35** Ngoba uNkulunkulu uzasindisa iZiyoni, ayakhe imizi yakoJuda; njalo bahlale khona badle ilifa layo. **36** Lenzalo yenceku zakhe izakudla ilifa layo, labathanda ibizo lakhe bazahlala kuyo.

70 Nkulunkulu, ngophula, Nkosi, phangisa ungisize. **2** Kabayangeke babe lenhloni bonke abadinga umphefumulo wami; kababuyiselwe emuva bayangiswe abaloyisa ukulimala kwami. **3** Kababuyele emuva kube ngumvuzo wehlazo labo abathi: Aha, aha! **4** Kabathabe bajabule kuwe bonke abakudingayo; labathanda usindiso lwakho kabatsho njalo bathi: Kabe mkhulu uNkulunkulu! **5** Kodwa ngingumyanga njalo ngiyaswela; Nkulunkulu, phangisa uze kimi. Wena ungumsizi wami lomkhululi wami; Nkosi, ungaphuzi.

71 Kuwe, Nkosi, ngiyaphephela; kangingayangeki lanininini. **2** Ngikhulula ngokulunga kwakho, ungophule; beka indlebe yakho kimi, ungisindise. **3** Woba lidwala lokuhlala kimi, ngiye kulo njalonjalo; ulayile ukungisindisa, ngoba ulidwala lami lenqaba yami. **4** Nkulunkulu wami, ngophula esandleni somubi lesandleni songalunganga lolesihluku. **5** Ngoba wena, ulithemba lami Nkosi, Jehova, ithemba lami kwasebutsheni bami. **6** Ngeyame kuwe kwasesizalweni; nguwe owangikhupha esiswini sikamama; indumiso yami ingawe njalonjalo. **7** Benginjengesimangaliso

kwabanengi; kodwa wena uyisiphephelo sami esiqinileyo. **8**
Umlomo wami kawugcwaliswe ngendumiso yakho, usuku lonke
ngodumo lwakho. **9** Ungangilahli esikhathini sokuluphala,
ungangitshiyi ekupheleni kwamandla ami. **10** Ngoba izitha zami
zikhuluma zimelene lami, labacathamela umphefumulo wami
bayacebisana, **11** besithi: UNkulunkulu umtshiyile; zingelani,
limbambe, ngoba kakho okhululayo. **12** Nkulunkulu, ungabi
khatshana lami; Nkulunkulu wami, phangisela usizo lwami.
13 Kabayangeke baphele abayizitha zomphefumulo wami,
kabasitshekellewe yikuyangeka lehlazo labo abadinga ukoniwa
kwami. **14** Kodwa mina ngizathemba njalonjalo, ngengeze
ekudunyisweni kwakho konke. **15** Umlomo wami uzalandisa
ukulunga kwakho, usuku lonke usindiso lwakho, ngoba kangiwazi
amanani akho. **16** Ngizahamba emandleni eNkosi uJehova,
ngiqambe ukulunga kwakho, okwakho kuphela. **17** Nkulunkulu,
ungifundisile kusukela ebutsheni bami, njalo kuze kube khathesi
ngitshumayele izimangaliso zakho. **18** Lalapho sengiluphele
sengiyimpunga, Nkulunkulu, ungangitshiyi, ngize ngitshumayele
ingalo yakho kuso isizukulwana, amandla akho kuye wonke
ozakuza. **19** Lokulunga kwakho, Nkulunkulu, kufika ezingqongeni,
owenze izinto ezinkulu; Nkulunkulu, ngubani onjengawe?
20 Ongenze ngabona inhlupheko ezinengi lezibuhlungu,
uzangivuselela futhi, ungikhuphule futhi ezinzikini zomhlaba. **21**
Uzakwandisa ubukhulu bami, ungiduduze inhlangothi zonke.
22 Lami ngizakudumisa ngogubhu lwezintambo, iqiniso lakho,
Nkulunkulu wami; ngizahlabela izibongo kuwe ngechacho, wena
ongcwele kalsrayeli. **23** Indebe zami zizamemeza ngentokozo
lapho ngihlabela kuwe, lomphfumulo wami owuhlengileyo. **24**
Futhi ulimi lwami luzakhuluma ngokulunga kwakho usuku lonke,

ngoba bayangekile, ngoba badumazeka, abadinga ukoniwa kwami.

72 Nkulunkulu, nika inkosi izahlulelo zakho lokulunga kwakho endodaneni yenkosi. **2** Izakwehlulela abantu bakho ngokulunga, labayanga bakho ngokuqonda. **3** Izintaba zizaletshela abantu ukuthula, lamaqaqa, ngokulunga. **4** Izakwahlulela abahluphekayo babantu, isindise abantwana babaswelayo, ifohloze umcindezeli. **5** Bazakwesaba wena lisekhona ilanga, isekhona lenyanga, kuzizukulwana ngezizukulwana. **6** Izakwehla njengezulu etshanini obugundiweyo, njengezihlambo ezithambisa umhlaba. **7** Ensukwini zayo olungileyo uzahluma; lokwanda kokuthula, ize ingabi khona inyanga. **8** Izabusa-ke kusukela elwandle kusiya elwandle, lakusukela emfuleni kusiya emikhawulweni yomhlaba. **9** Abahlala enkangala bazakhothama phambi kwayo; izitha zayo zizakhotha uthuli. **10** Amakhosi eTarshishi lawezihlengeni azaletshela izipho, amakhosi eShebha leSeba asondeze izipho. **11** Amakhosi wonke azayikhothamela, izizwe zonke ziyikhonze. **12** Ngoba izamkhulula oswelayo ekhala, longumyanga, longelamsizi. **13** Izahawukela ongumyanga loswelayo, isindise imiphefumulo yabaswelayo. **14** Izahlenga umphefumulo wabo ecindezelweni ledlakeleni; legazi labo lizakuba ligugu emehlweni ayo. **15** Izaphila, inikwe okwegolide leShebha, ikhulekelwe njalonjalo, usuku lonke ibusiswe. **16** Kuzakuba khona inala yamabele elizweni ezingqongeni zezintaba; izithelo zawo zihatshazele njengeLebhanoni; labomuzi bazahluma njengotshani bomhlaba. **17** Ibizo layo lizakuba khona kuze kube phakade, lebizu layo lizakwanda lisekhona ilanga. Njalo bazabusiwa kuyo; izizwe zonke zizakuthi ibusisiwe. **18** Kayibongwe iNkosi uNkulunkulu, uNkulunkulu kalsrayeli, onguye yedwa owenza imimangaliso. **19**

Kalibusiswe ibizo lakhe elilodumo kuze kube nininini; umhlaba wonke ugcwaliswe ngodumo lwakhe. Ameni, loAmeni! 20 Imikhuleko kaDavida indodana kaJese isiphelile.

24 Khangela, iNkosi yenza umhlaba ube yize, iwenze ube yincithakalo, yone ubuso bawo, ihlakaze abahlali bawo. **2** Kuzakuthi njengabantu kube njalo umpri; njengesisebenzi kube njalo inkosi yaso; njengencekukazi kube njalo inkosikazi yayo; njengomthengi kube njalo umthengisi; njengombolekisi kube njalo obolekayo; njengomniki wesikwelede kube njalo okweledayo. **3** Umhlaba uzachitheka lokuchitheka, uphangwe lokuphangwa; ngoba iNkosi ilikhulumile lelilizwi. **4** Umhlaba uyalila, ubune, ilizwe liyangala, libune; abantu bomhlaba abaphakemeyo bayadangala. **5** Umhlaba lawo ungcolisiwe ngaphansi kwabahlali bawo; ngoba beqile imilayo, baguqula isimiso, bephula isivumelwano esilaphakade. **6** Ngenxa yalokho isiqalekiso siwuqedile umhlaba, labahlala kuwo bayachitheka; ngakho-ke abahlali bomhlaba batshisiwe, njalo kusale abantu abalutshwana. **7** Iwayini elitsha liyalila, ivini lidangale, bonke abanhliziyo ethokozayo bayabubula. **8** Injabulo yezigubhu iphelile, umsindo wabajabulayo uphelile, intokozo yechacho iphelile. **9** Kabayikunatha iwayini ngengoma; okunathwayo okulamandla kuzababa kwabakunathayo. **10** Umuzi wencithakalo ubhidlikile, yonke indlu ivaliwe ukuze kungangenwa. **11** Kukhalelwa iwayini ezitaladeni; intokozo yonke ifiphele, injabulo yomhlaba inyamalele. **12** Emzini kusele incithakalo, lesango litshayiwe lachithwa. **13** Ngoba kuzakuba njalo phakathi kwelizwe, phakathi kwabantu, njengokunyikinywa kwesihlahla somhlwathi, njengokukhothoza sesiphelile isivuno sezithelo zevini. **14** Bona bazaphakamisa ilizwi labo, bazahlabelela ubukhosi beNkosi, bamemeze beselwandle. **15** Ngenxa yalokhu dumisani iNkosi emililweni, ibizo leNkosi uNkulunkulu kalsrayeli ezihlengeni zolwandle. **16** Sizwile amahubo avela emkhawulweni womhlaba,

udumo kolungileyo. Kodwa ngathi: Ukucaka kwami, ukucaka kwami! Maye kimi! Abenzi benkohliso benze ngokukhohlisa; yebo abenzi benkohliso benze ngokukhohlisa okukhulu. **17** Ukwesaba lomgodi lomjibila kuphezu kwakho, wena mhlali womhlaba. **18** Kuzakuthi-ke obalekela umsindo wokwesaba awele emgodini; lowenyuka phakathi komgodi abanjwe ngumjibila; ngoba amawindi aphezulu avulekile, lezisekelo zomhlaba ziyaqhaqhazela. **19** Umhlaba wephukile lokwephuka, umhlaba udatshudatshuliwe, umhlaba uyanyikinyeka kakhulu. **20** Umhlaba uzadiyazela lokudiyazela njengesidakwa, uzunguzeke njengedumba; lesiphambeko sawo sizakuba nzima phezu kwawo; uzakuwa, ungabe usavuka futhi. **21** Kuzakuthi-ke ngalolosuku iNkosi ijezise ibutho labaphakemeyo abaphezulu, lamakhosi omhlaba phezu komhlaba. **22** Bazabuthelwa ndawonye njengezibotshwa zibuthelwa emgodini, bavalelwe entolongweni, langemva kwensuku ezinengi bethekelelwe. **23** Khona inyanga izayangeka, lelanga libe lenhloni, ngoba iNkosi yamabandla iyabusa entabeni iZiyoni laseJerusalema, laphambi kwabadala kuzakuba khona inkazimulo.

25 Nkosi unguNkulunkulu wami; ngizakuphakamisa, ngidumise ibizo lakho; ngoba wenzile okumangalisayo; amacebo akho endulo aluthembeko leqiniso. **2** Ngoba wenzile umuzi waba yinqwaba; umuzi obiyelweyo ube lunxiwa; isigodlo sabezizwe singabi ngumuzi; kasiyikwaxiwa kuze kube nininini. **3** Ngenxa yalokho abantu abalamandla bazakudumisa; umuzi wezizwe ezilesihluku uzakwesaba. **4** Ngoba ubungamandla kumyanga, amandla kosweleyo ekuhluphekeni kwakhe, isiphephelo kuzulu lesiphepho, umthunzi ekutshiseni, lapho ukuvuthela kwabalolunya kunjengezulu lesiphepho emdulini. **5** Uzakwehlisa umsindo

wabezizwe njengokutshisa endaweni eyomileyo; ukutshisa emthunzini weyezi; ingoma yabalolunya izathotshiswa. **6** Lakulintaba iNkosi yamabandla izakwenzela abantu bonke idili lezinto ezinonileyo, idili lamawayini alenzece, lezinto ezinonileyo zigcwele umnkantsho, lamawayini alenzece acengekileyo. **7** Izaginya kulintaba ubuso besembeso esembese bonke abantu, lesigubuzelo eselukiweyo phezu kwezizwe zonke. **8** Izaginya ukufa ekunqobeni, leNkosi uJehova izakwesula inyembezi izisuse ebusweni bonke, isuse lehlazo labantu bayo emhlabeni wonke; ngoba iNkosi ikhulumile. **9** Kuzakuthiwa-ke ngalolosuku: Khangela, lo nguNkulunkulu wethu; silindele kuye, njalo uzasisindisa; le yiNkosi; siyilindele, sizathaba, sithokoze kusindiso lwayo. **10** Ngoba isandla seNkosi sizaphumula kulintaba, loMowabi uzanyathelelwa phansi kwayo, njengamahlanga abuthelelweyo enyathelelwa enqunjini yomquba. **11** Njalo izakwelula izandla zayo phakathi kwakhe njengontshezayo ezelula ukuze antsheze; njalo izathobisa ukuziqqaja kwakhe kanye lokucathamela kwezandla zakhe. **12** Lenqaba ephakemeyo yemiduli yakho izayidilizela phansi, iyehlisele phansi, iyifikise emhlabathini, ethulini.

26 Ngalolosuku lingoma izahlatshelwa elizweni lakoJuda ethi: Silomuzi oqinileyo; uNkulunkulu uzamisa usindiso lube yimiduli lezinqaba. **2** Vulani amasango ukuze singene isizwe esilungileyo esigcina ukuthembeka. **3** Uzamgcina ekuthuleni okupheleleyo ongqondo yakhe yeyama phezu kwakho, ngoba ethemba kuwe. **4** Thembani eNkosini kokuphela, ngoba eNkosini uJehova kuLidwala elilaphakade. **5** Ngoba ibehlisela phansi abahlala engqongeni; umuzi ophakemeyo, iwehlisela phansi; iwehlisela phansi emhlabathini, iwufikise othulini. **6**

Unyawo luzawunyathelela phansi, ngitsho inyawo zabayanga,
amanyathela abaswelayo. 7 Indlela yabalungileyo iyiquqonda;
wena oqondileyo, uyalinganisa umkhondo wabalungileyo. 8
Yebo, endleleni yezahlulelo zakho, Nkosi, sikulindele; isiloyiso
somphefumulo wethu sisebizweni lakho lekukukhumbuleni. 9
Ngomphefumulo wami ngikuloyisile ebusuku; yebo, ngomoya
wami ophakathi kwami ngizakudinga ngovivi; ngoba lapho
izahlulelo zakho zisemhlabeni, abahlali bomhlaba bazafunda
ukulunga. 10 Uba okhohlakeleyo etshengiswa umusa, kube kanti
kayikufunda ukulunga; elizweni lobuqotho uzakwenza okubi,
njalo kayikubona ubukhosi beNkosi. 11 Nkosi, isandla sakho
siphakeme, kabayikubona; kodwa bazabona, babe lenhloni
ngokutshisekela kwakho abantu; intukuthelo yomlilo wezitha
zakho uzaziqeda. 12 Nkosi, uzasimisela ukuthula, ngoba
lawe usenzele yonke imisebenzi yethu. 13 Nkosi Nkulunkulu
wethu, amanye amakhosi ngaphandle kwakho ake abusa phezu
kwethu; kodwa ngawe kuphela sizakhumbula ibizo lakho. 14
Afile, kawayikuphila; ayimimoya efileyo, kawayikuvuka; ngakho
uwaphindisele wawachitha, waqeda konke ukukhunjulwa kwawo.
15 Usandisile isizwe, Nkosi, wasandisa isizwe; uyadunyiswa;
usisusele khatshana kuyo yonke imikhawulo yomhlaba. 16
Nkosi, besekuhluphekeni bakwethekelele, bathulula umkhuleko
lapho ukujezisa kwakho kuphezu kwabo. 17 Njengowesifazana
okhulelweyo sekusondele ukubeletha, esebuhlungwini, ekhala
emihelweni yakhe, saba njalo ebusweni bakho, Nkosi. 18
Sasikhulelwe, sasisebuhlungwini, kwakungathi sibelethe umoya.
Kasenzanga usindiso emhlabeni, njalo abahlali bomhlaba
kabawanga. 19 Abafileyo bakho bazaphila, lesidumbu sami,
bazavuka. Vukani, limemeze ngentokozo, lina elihlala ethulini;

ngoba amazolo akho anjengamazolo emibhida, lomhlaba uzabakhupha imimoya efileyo. **20** Hambani bantu bami, lingene emakamelweni enu, livale iminyango yenu ngemva kwenu, licatshe okwesikhatshana, luze ludlule ulaka. **21** Ngoba, khangelani, iNkosi iyaphuma endaweni yayo ukuthi iphindisele ububi babahlali bomhlaba phezu kwabo; lomhlaba uzaveza igazi lawo, ungabe usabafihla ababuleweyo bawo.

27 Ngalolosuku iNkosi ngenkemba yayo elukhuni lenkulu lelamandla izajezisa uLeviyathani, inyoka ebalekayo, ngitsho uLeviyathani inyoka egoqanayo, ibulale umgobho oselwandle. **2** Ngalolosuku hlabelelani ngaso isivini sewayini elibomvu. **3** Mina Nkosi, ngiyasilondoloza, ngiyasithelela isikhathi sonke; hlezi kube khona osonayo ngisilondoloze ebusuku lemini. **4** Ukuthukuthela kakukho kimi. Ngubani ongabeka ukhula oluhlabayo lameva kumelane lami empini? Bengizamatsha ngidabule phakathi kwakho, ngikutshise kanyekanye. **5** Kumbe kabambebele emandleni ami, enze ukuthula lami; uzakwenza ukuthula lami. **6** Izakwenza abavela koJakobe bagxile, ulsrayeli uzahluma, akhahlele, agcwalise ubuso bomhlaba ngezithelo. **7** Imtshayile yini njengokutshaya kwayo oyitshayayo? Ubulewe yini njengokubulawa kwababuleweyo bakhe? **8** Ngesilinganiso ekukuxotsheni izaphikisana lakho; izakususa ngomoya wayo olukhuni ngosuku lomoya wempumalanga. **9** Ngakho ngalokhu isiphambeko sikaJakobe sizahlawulelwa; lalokhu kuyisithelo sonke sokususa isono sakhe, lapho esenza ukuthi wonke amatshe elathi abe njengamatshe ekalaga avuthuziweyo, izixuku lamalathi elanga kakuyikuma. **10** Ngoba umuzi obiyelweyo uzakuba wodwa, indawo yokuhlala ixotshwe, itshiywe njengenkangala; lapho ithole lizakudla khona, lilale

khona, liqede izingatsha zawo. **11** Lapho ingatsha zawo sezomile zizakwepulwa; abesifazana beze bazibase; ngoba kabasibantu abaqedisayo; ngakho-ke lowo owabenzayo kayikubahawukela, lowababumbayo kayikubatshengisa umusa. **12** Kuzakuthi-ke ngalolosuku iNkosi ibhule kusukela esifudlaneni somfula kuze kube semfuleni weGibhithe; lina-ke lizabuthwa ngamunye ngamunye, bantwana bakolsrayeli. **13** Kuzakuthi-ke ngalolosuku kuvuthelwe uphondo olukhulu, lalabo ababebhubhe elizweni leAsiriya labaxotshelwe elizweni leGibhithe, bazabuya bayikhonze iNkosi entabeni engcwele eJerusalema.

28 Maye kumqhele wokuzigqaja wezidakwa zakoEfrayimi, obuhle benkazimulo yazo buliluba elibunayo, eliphezu kwekhanda lezihotsha ezivundileyo zalabo abatshaywe liwayini. **2** Khangela, iNkosi ilaye olamandla loqinileyo, ozaphosela emhlabeni ngesandla, njengezulu lesiphepho elilesiqhotho, isiphepho esichithayo, njengempophoma yamanzi alamandla akhukhulayo. **3** Umqhele wokuzigqaja wezidakwa zakoEfrayimi uzanyathelelwa phansi ngezinyawo. **4** Lobuhle benkazimulo yakhe, obuphezu kwekhanda lesihotsha esivunde kakhulu, buzakuba liluba elibunayo, njengesithelo esivuthwe masinyane kungakafiki ihlobo; okuthi osibonileyo asibone, sisesesandleni sakhe asiginye. **5** Ngalolosuku iNkosi yamabandla izakuba ngumqhele wenkazimulo, lesidlodlo sobuhle kunsali yabantu bayo, **6** lomoya wesahlulelo kulowo ohlalela isahlulelo, lamandla kulabo ababuyisela impi esangweni. **7** Lalaba baduhile ngenxa yewayini, langenxa yokunathwayo okulamandla baphambukile; umpristi lomprofethi baduhile ngenxa yokunathwayo okulamandla, baginywe liwayini, baphambukile ngenxa yokunathwayo okulamandla; bayaduha embonweni, bakhubeke kusahlulelo.

8 Ngoba wonke amatafula agcwele amahlanzo lokungcola, kakulandawo engangcolanga. **9** Izafundisa bani ulwazi, njalo izakwenza bani aqedisise umbiko? Abalunyuliweyo echagweni, abakhunyuliweyo emabeleni. **10** Ngoba umthetho phezu komthetho, umthetho phezu komthetho; umzila phezu komzila, umzila phezu komzila; lapha okuncinyane, laphayana okuncinyane. **11** Ngoba ngendebe eziklolodayo langolunye ulimi izakhuluma kulababantu, **12** eyathi kubo: Lokhu yikuphumula, phumuzani abadiniweyo; lalokhu yikuvuselela; kodwa kabathandanga ukuzwa. **13** Kodwa ilizwi leNkosi lizakuba kibo ngumthetho phezu komthetho, umthetho phezu komthetho; umzila phezu komzila, umzila phezu komzila; lapha okuncinyane, laphayana okuncinyane; ukuze bahambe, bawe nyovane, bephuke, bathiywe, bathunjwe. **14** Ngakho zwanini ilizwi leNkosi, bantu abaklolodayo, elibusa lababantu abaseJerusalema. **15** Ngoba lithe: Sivumelane isivumelwano lokufa, njalo senze isivumelwano lesihogo; lapho isiswepu esiphuphumayo sisedlula, kasiyikufika kithi; ngoba senze amanga aba yisiphephelo sethu, sacatsha ngaphansi kwenkohliso. (Sheol h7585) **16** Ngakho itsho njalo iNkosi uJehova: Khangela, ngibeka eZiyoni ilitshe lesisekelo, ilitshe elihloliweyo, ilitshe lengonsi eliligugu, isisekelo esisekelweyo; okholwayo kayikuphangisa. **17** Isahlulelo laso ngizasibeka entanjeni, lokulunga entanjeni yokuqondisa; lesiqhotho sizakhukhula isiphephelo samanga; lamanzi agabhele indawo yokucatsha. **18** Lesivumelwano senu lokufa sizaphela, lokuvumelana kwenu lesihogo kakuyikuma; lapho isiswepu esikhukhulayo sisedlula, khona lizanyathelelwa phansi yikho. (Sheol h7585) **19** Kusukela esikhathini sokwedlula kwaso, sizalithatha; ngoba ukusa ngokusa sizakwedlula, emini

lebusuku; njalo kuzakuba ngokwesabisayo kuphela ukuqedisisa umbiko. 20 Ngoba umbheda mfitshane kakhulu ukuthi umuntu azelule kuwo, lengubo yincinyane kakhulu ukuthi umuntu azigoqele ngayo. 21 Ngoba iNkosi izavuka njengentabeni yePerazimi, ithukuthele njengesigodini seGibeyoni, ukuze yenze umsebenzi wayo, umsebenzi wayo ongejwayelekanga, yenze isenzo sayo, isenzo sayo esingejwayelekanga. 22 Ngakho-ke lingahleki usulu, hlezi izibopho zenu ziqiniswe; ngoba ngizwile eNkosini uJehova wamabandla ngokuqedwa okuqunywe phezu komhlaba wonke. 23 Bekani indlebe, lizwe ilizwi lami; lalelani lizwe inkulumo yami. 24 Umlimi ulimela ukuhlanyela lonke usuku yini? Uyavula abhuqe umhlabathi wakhe yini? 25 Kakunjalo yini, esewuhlembile ubuso bawo, ukuthi aphose amafitshizi, ahlakaze ikhumini, afake phezu kwakho ingqoloyi enhle kakhulu, lebhali emisiweyo, lespelite emngceleni wakho? 26 Ngoba uNkulunkulu wakhe uyamazisa ngendlela, amfundise. 27 Ngoba amafitshizi kawabhulwa ngobhulo, levili lenqola kaliphendulwa phezu kwekhumini; kodwa amafitshizi atshaywa ngoswazi, lekhumini ngentonga. 28 Amabele esinkwa ayachotshozwa; ngoba kayikuhlala ewabhula kokuphela, loba ewachoboza ngevili lenqola yakhe, njalo kawachobozi ngamabhiza akhe. 29 Lalokhu kuvela eNkosini yamabandla; iyamangalisa ekwelulekeni, yinkulu ekusebenzeni.

29 Maye kuyo iAriyeli, kuyo iAriyeli umuzi uDavida amisa kuwo inkamba! Yengezelelani umnyaka emnyakeni; kayibhode imikhosi. 2 Kanti ngizayicindezela iAriyeli, njalo kube khona ukulila losizi; njalo kuzakuba njengeAriyeli kimi. 3 Njalo ngizamisa inkamba inhlangothi zakho zonke, ngikuvimbezele ngedundulu, ngikumisele izinqaba ezimelene lawe. 4 Njalo uzakwehliselwa

phansi, ukhulume usemhlabathini, lenkulumo yakho izakuba phansi ethulini, lelizwi lakho lizakuba njengeloledlozi liphuma emhlabathini, lenkulumo yakho ibe ngumlozwi ophuma othulini. 5 Njalo ixuku labezizwe bakho lizakuba njengothuli olucholekileyo, lexuku labalesihluku njengamakhoba adlulayo. Yebo, kuzahle kube masinyane. 6 Uzakwethekelelwa yiNkosi yamabandla ngomdumo, langokuzamazama komhlaba, lomsindo omkhulu, isivunguzane, lesiphepho, lelangabi lomlilo oqothulayo. 7 Lexuku lezizwe zonke elilwa limelene leAriyeli, ngitsho zonke ezilwa zimelene layo lezinqaba zayo, leziyicindezelayo, zizakuba njengephupho, umbono wobusuku. 8 Kuzakuba lanjengolambileyo ephupha, khangela-ke, uyadla, kodwa aphaphame, lomphefumulo wakhe ungelalutho; loba njengowomileyo ephupha, khangela-ke, uyanatha, kodwa aphaphame, khangela-ke uphelelwa ngamandla, lomphefumulo wakhe uyalangatha; lizakuba njalo ixuku lazo zonke izizwe ezilwa zimelene lentaba iZiyoni. 9 Manini, lithithibale; zithokozi seni liphumputheke; badakiwe, kodwa hatshi ngewayini; bayadiyazela, kodwa hatshi ngenxa yokunathwayo okulamandla. 10 Ngoba iNkosi ithululele phezu kwenu umoya wobuthongo obunzima, yavala amehlo enu; abaprofethi lezinhloko zenu, ababoni, ibagubuzele. 11 Lawo wonke umbono usube kini njengamazwi ogwalo olunanyekiweyo okuthi balunika owazi umbhalo, besithi: Bala lokhu siyakuncenga; yena athi: Ngingeke, ngoba lunanyekiwe. 12 Ugwalo beselunikwa ongazi umbhalo, besithi: Bala lokhu, siyakuncenga; yena athi: Kangiwazi umbhalo. 13 INkosi yasisithi: Ngenxa yokuthi lababantu besondela ngomlomo wabo langezindebe zabo bengihlonipha, kodwa babeka inhliziyi yabo khatshana lami, lokungesaba

kwabo kufundiswa ngumlayo wabantu; **14** ngakho, khangela, ngizaqhubeka ukukwenza ngokumangalisayo lalababantu, umsebenzi omangalisayo lesimanga; ngoba inhlakanipho yabahlakaniphileyo babo izaphela, lokuqedisisa kwabaqedisisayo babo kucatshe. **15** Maye kulabo abajula besuka eNkosini ukuze bafihle icebo labo, lemisebenzi yabo isemnyameni, bathi: Ngubani osibonayo? Njalo ngubani osaziyo? **16** Ukugonqomisa kwenu kuthiwa kunjengebumba lombumbi! Ngoba umsebenzi uzakutsho yini ngaye owenzileyo ukuthi: Kangenzanga? Kumbe okubunjiweyo kungatsho yini ngombumbi wakho ukuthi: Kaqedisisi? **17** Kakuseyisikhatshana esifitshane yini, ukuthi iLebhanoni iphendulwe ibe yinsimu ethelayo, lensimu ethelayo ithiwe injengehlathi? **18** Njalo ngalolosuku izacuthe zizakuzwa amazwi ogwalo, lamehlo eziphofu abone ekufiphaleni lemnyameni. **19** Abathobekileyo labo bazakwandisa intokozo eNkosini, labangabayanga ebantwini bathokoze koNgcwele kalsrayeli. **20** Ngoba olesihluku uzaphela, lodelelayo uqediwe, labo bonke abalindele okubi baqunyiwe; **21** abenza umuntu one ngelizwi, bambekela umjibila okhuzayo esangweni, baphambule olungileyo ngento engelutho. **22** Ngakho itsho njalo iNkosi eyahlenga uAbrahama, ngendlu kaJakobe: Khathesi uJakobe kayikuba lanhloni, lobuso bakhe khathesi kabuyikuhloba. **23** Ngoba lapho ebona abantwana bakhe, umsebenzi wezandla zami, phakathi kwakhe, bazangcwelisa ibizo lami; bangcwelise oNgcwele kaJakobe, besabe uNkulunkulu kalsrayeli. **24** Lalabo abaduhayo emoyeni bazakwazi ukuqedisisa, labangungunayo bazafunda imfundiso.

30 Maye ebantwaneni abahlamukayo! itsho iNkosi, ukuthi benze icebo, kodwa elingeyisilo elami, lokuthi bembese ngesembeso,

kodwa esingesiso somoya wami, ukuze bengezelele isono phezu kwesono. **2** Abahamba ukwehlela eGibhithe, njalo bengabuzanga umlomo wami, ukuze baziqinise emandleni kaFaro, bathembele emthunzini weGibhithe! **3** Ngakho amandla kaFaro azakuba lihlazo kini, lokuthembela emthunzini weGibhithe kube yikuyangeka. **4** Ngoba iziphathamandla zakhe zaziseZowani lezithunywa zakhe zafika eHanesi. **5** Bonke izabayangisa ngabantu ababengelakubasiza, bangabi luncedo njalo bangabi yinzuzo, kodwa babe luyangiso njalo babe lihlazo. **6** Umthwalo wezilo zeningizimu. Elizweni lokucindezelwa lembandezelo, lapho okuvela khona ibhongo lesilwane, ibululu lenyoka ephaphayo elokutshisa, bathwala inotho yabo emhlana wamathole abobabhemi, lokuligugu kwabo phezu kwamalunda amakamela, bekusa ebantwini abangelasizo. **7** Ngoba amaGibhithe azasiza ngeze langokungelalutho; ngakho ngakhala ngalokhu ngathi: Amandla abo yikuhlala bathule. **8** Khathesi hamba, ukubhale phambi kwabo esibhebheni, ukulobe ngokugubha egwalweni, ukuze kube khona kuze kube lusuku lokucina, kuze kube nininini, kuze kube phakade. **9** Ngoba bangabantu abavukelayo, abantwana abaqamba amanga, abantwana abangathandi ukuzwa umlayo weNkosi; **10** abathi kubaboni: Lingaboni; lakubakhangeli: Lingasikhangeleli izinto eziqondileyo; khulumani kithi izinto ezibutshelezi, likhangele izinkohliso; **11** phumani endleleni, liphambuke lisuke emkhondweni, lisuse oNgcwele kalsrayeli phambi kwethu. **12** Ngakho utsho njalo oNgcwele kalsrayeli uthi: Ngoba lidelele lelilizwi, lathembela kucindezelo lokuphambeneyo, labambelela kukho. **13** Ngakho lobububi buzakuba kini njengomkenke osuzakuwa, ukhukhumala emdulini omude, okudilika kwawo kuhle

kufike masinyazana. **14** Yebo, uzawephula njengokwephulwa kwembiza yababumbi ephahaziweyo; kayikuyekela, ukuze kungatholakali ezicucwini zayo udengezi lokokha umlilo eziko, kumbe ukukha amanzi emthonjeni. **15** Ngoba itsho njalo iNkosi uJehova, oNgcwele kaIsrayeli: Ngokuphenduka lokuphumula lizasindiswa; ngokuthula langokwethemba kuzakuba ngamandla enu; kodwa kalifunanga. **16** Kodwa lathi: Hatshi, ngoba sizabaleka ngamabhiza; ngakho-ke lizabaleka; njalo: Sizagada amabhiza alejubane; ngakho-ke abalixotshayo bazakuba lejubane. **17** Inkulungwane eyodwa izabaleka ngokukhalima koyedwa; ngokukhalima kwabahlanu lizabaleka, lize lisale njengensika phezu kwengqonga yentaba, lanjengesiboniso phezu koqaqa. **18** Ngakho-ke iNkosi izalinda, ukuze ibe lomusa kini, ngakho-ke izaphakanyiswa ukuthi ibe lesihawu kini; ngoba iNkosi inguNkulunkulu wesahlulelo; babusisiwe bonke abalindela kuyo. **19** Ngoba abantu bazahlala eZiyoni eJerusalema; kaliyikukhala lokukhala inyembezi; izakuba lomusa omkhulu kuwe elizwini lokukhala kwakho; lapho ilizwa izakuphendula. **20** Loba iNkosi ilinika isinkwa sosizi lamanzi okuhlupheka, kanti abafundisi bakho kabasayikususelwa engonsini, kodwa amehlo akho azabona abafundisi bakho. **21** Lendlebe zakho zizakuzwa ilizwi emva kwakho lisithi: Le yiyo indlela, hambani ngayo, lapho liphambukela ngakwesokunene lalapho liphambukela ngakwesokhohlo. **22** Lizangcolisa lokuhuqiweyo kwezithombe zakho ezibaziweyo zesiliva, lokunanyekiweyo kwezithombe zakho zegolide ezibunjwe ngokuncibilikisa; lizihlakaze njengelembu losesikhathini, lithi kuzo: Phumani! **23** Khona izanika izulu lenhlanyelo yakho ozayihlanyela emhlabathini, lesinkwa sesivuno somhlaba; uzavunda ucime. Ngalolosuku izifuyo zenu zizakudla emadlelweni abanzi; **24**

lezinkabi labobabhemi abatsha okulima umhlabathi kuzakudla umncantsha, oweliweyo ngefotsholo langefologwe. 25 Laphezu kwayo yonke intaba ende laphezu kwalo lonke uqaqa oluphakemeyo kuzakuba lemifula lezifudlana zamanzi ngosuku lokubulawa okukhulu, lapho kusiwa imiphotshongo. 26 Futhi ukukhanya kwenyanga kuzakuba njengokukhanya kwelanga, lokukhanya kwelanga kuphindwe kasikhombisa, njengokukhanya kwensuku eziyisikhombisa, mhla iNkosi ibopha ukwephuka kwabantu bayo, ipholisa umvimvinya wesilonda sabo. 27 Khangela, ibizo leNkosi livela khatshana, livutha ulaka lwayo, lomthwalo unzima; indebe zayo zigcwele intukuthelo, lolimi lwayo lunjengomlilo oqothulayo; 28 lokuphefumula kwayo kunjengesifula esiphuphumayo size sifike phakathi kwentamo, ukuhlungula izizwe ngesihlungulo sobuze; njalo kuzakuba letomu eliduhisayo emihlathini yabantu. 29 Lizakuba lengoma, njengeyobusuku bokwehlukani swa komkhosi, lokuthokoza kwenhliziyo, njengohamba lomhubhe esiya entabeni yeNkosi, eDwaleni lakolsrayeli. 30 INkosi izazwakalisa-ke ilizwi layo elilodumo, ibonakalise ukwehla kwengalo yayo, ngentukuthelo yolaka, lelangabi lomlilo oqothulayo, isivunguvungu, lezulu lesiphepho, lesiqhotho. 31 Ngoba ngelizwi leNkosi amaAsiriya azaphahlazwa, itshaya ngenduku. 32 Kuzakuthi loba ngaphi okwedlula khona induku emisiweyo, iNkosi eyibeka phezu kwayo, kube ngezigubhu langamachacho, langezimpi zokunyikinya ilwe labo. 33 Ngoba iThofethi yahlelwa endulo, layo yamiselwa inkosi; yayenza yatshona, yaba banzi, inqumbi yayo ingumlilo lenkuni ezinengi; ukuphefumula kweNkosi kuyayithungela njengesifula sesolufa.

31 Maye kulabo abehlela usizo eGibhithe, abeyama emabhizeni, bethemba izinqola ngoba zizinengi, labagadi bamabhiza ngoba belamandla kakhulu, kodwa bengakhangeli koNgcwele kalsrayeli, njalo bengadingi iNkosi! **2** Kanti layo ihlakaniphile, izaletsa ububi, njalo kayiyikuwabuyisa amazwi ayo; kodwa izavukela indlu yabenzi bobubi, njalo imelene losizo lwabenzi beziphambeko. **3** Ngoba amaGibhithe angabantu, kabasuNkulunkulu, lamabhiza awo ayinyama, kawayisimoya. Lapho iNkosi izakwelula isandla sayo, osizayo uzakhubeka losizwayo uzakuwa phansi, njalo bonke baphele kanyekanye. **4** Ngoba iNkosi itsho njalo kimi: Njengesilwane lebhongo lesilwane kubhongela phezu kwempango yakho, lapho ixuku labelusi libizelwe ukumelana laso, kasiyikwesaba ilizwi labo, njalo kasiyikuzithoba ngenxa yomsindo wabo; ngokunjalo iNkosi yamabandla izakwehla ukulwela intaba yeZiyoni loqaqa lwayo. **5** Njengenyoni eziphaphayo, ngokunjalo iNkosi yamabandla izavikela iJerusalema; ivikela, izayophula; isedlula, iyikhulule. **6** Phendukelani kuyo okuyo abantwana bakolsrayeli bahlubuke ngokujulileyo. **7** Ngoba ngalolosuku bazalahla, wonke umuntu izithombe zakhe zesiliva lezithombe zakhe zegolide, ozandla zenu zilenzele zona ukuba yisono. **8** ISiriya izakuwa-ke ngenkamba engeyisiyo yomuntu olamandla, lenkamba engeyisiyo yomuntukazana izayiqeda; kodwa izabalekela inkemba, lamajaha ayo abe yizibhalwa. **9** Izakwedlulela edwaleni layo ngokwesaba, leziphathamandla zayo zesabe uphawu, itsho iNkosi, omlilo wayo useZiyoni, lesithando sayo siseJerusalema.

32 Khangela, inkosi izabusa ngokulunga, leziphathamandla zibuse ngesahlulelo. **2** Lomuntu uzakuba njengendawo yokucatshelela umoya lesivikelo kuzulu lesiphepho; njengemifula

yamanzi endaweni eyomileyo, njengomthunzi wedwala elikhulu elizweni elomileyo. 3 Lamehlo alabo ababonayo kawayikufiphala, lezindlebe zalabo abezwayo zizalalela. 4 Lenhliziyo yabalamawala izaqedisisa ulwazi, lolimi lwabagagasayo luzaphangisa ukukhuluma ngokucaca. 5 Isithutha kasisayikubizwa ngokuthi sihloniphekile, loncitshanayo angathiwa uyaphana. 6 Ngoba isithutha sikhuluma ubuthutha, lenhliziyo yaso isebenze okubi, ukwenza ubuzenzisi, lokukhuluma okuphambeneyo ngeNkosi, ukwenza umphefumulo wolambileyo ube ze, senze kusweleke okunathwayo kowomileyo. 7 Izikhali zoncitshanayo lazo zimbi; yena uceba amacebo akhohlakeleyo ukuze achithe abayanga ngamazwi amanga, lanxa oswelayo ekhuluma okulungileyo. 8 Kodwa ohloniphekayo uceba izinto ezihloniphekayo; langezinto ezihloniphekayo yena uzakuma. 9 Vukani, besifazana abonwabileyo, lizwe ilizwi lami; madodakazi avikelekileyo, bekani indlebe ekukhulumeni kwami. 10 Izinsuku ezedlula umnyaka lizathuthumela, besifazana abavikelekileyo, ngoba ukuvunwa kwevini kuzaphela, ukubutha kakuyikufika. 11 Thuthumelani, besifazana abonwabileyo, liqhuhqe, bavikelekileyo; khululani, lizinqunule, libhince amasaka enkalweni. 12 Bazakhalela amabele okumunya, amasimu amahle, ivini elithelayo. 13 Phezu komhlabathi wabantu bami kuzakhula ameva lokhula oluhlabayo; yebo, phezu kwezindlu zonke zenjabulo, emzini wentokozo. 14 Ngoba isigodlo sizadelwa, inengi lomuzi lizatshiywa; inqaba lemiphotshongo kuzakuba yimihome kuze kube phakade, intokozo yabobabhemi beganga, lamadlelo emihlambi; 15 aze athululelwe phezu kwethu uMoya evela phezulu, lenkangala ibe yinsimu ethelayo, lensimu ethelayo ithiwe lihlathi. 16 Khona isahlulelo sizahlala enkangala, lokulunga

kuhlale ensimini ethelayo. **17** Lomsebenzi wokulunga uzakuba yikuthula, lokwenza kokulunga kube yikuthula lokuqinisekiswa kuze kube nininini. **18** Labantu bami bazahlala endaweni yokuhlala elokuthula, lezindaweni zokuhlala ezivikelekileyo, lezindaweni zokuphumula ezonwabileyo. **19** Kodwa lizakuna ngesiqhotho ekwehleni kwehlathi, lomuzi uzathotshiswa endaweni ephansi. **20** Libusisiwe lina elihlanyela ngasemanzini wonke, lithumezela lapho inyawo zezinkabi labobabhemi.

33 Maye kuwe ochithayo, kodwa ungachithwanga! Lowenza ngenkohliso, bengenzanga ngenkohliso kuwe! Lapho usuqedile ukuchitha, uzachithwa; lapho usucinile ukwenza ngenkohliso, bazakwenza ngenkohliso kuwe. **2** Nkosi, woba lomusa kithi, sikulindele; woba yingalo yabo ekuseni konke, losindiso lwethu ngesikhathi socindezelo. **3** Emsindweni wokuhlokoma abantu babaleka; ekuziphakamiseni kwakho izizwe zahlakazeka. **4** Lempango yenu izabuthwa njengokubutha kwecimbi, njengokugijima kwentethe uzagijima phezu kwayo. **5** INkosi iphakeme, ngoba ihlala phezulu; igcwalise iZiyoni ngesahlulelo langokulunga. **6** Lenhlakanipho lolwazi kuzakuba yikuqina kwezikhathi zakho, amandla ezinsindiso; ukwesaba iNkosi kuligugu lakhe. **7** Khangela, amaqhawe abo azakhala ngaphandle; izithunywa zokuthula zizakhala inyembezi kabuhlungu. **8** Imigwaqo emikhulu ize, owedlula ngendlela kakho; wephule isivumelwano, udelele imizi, kananzi muntu. **9** Ilizwe liyalila lidangele; iLebhanoni ilenhloni iyabuna; iSharoni injengenkangala; njalo iBashani leKharmeli kuyakhithiza. **10** Khathesi ngizavuka, kutsho iNkosi; khathesi ngizadunyiswa; khathesi ngizaphakanyiswa. **11** Lizakhulelwa ngamakhoba, beselizala izibi; umoya wenu, njengomlilo, uzaliqeda. **12** Njalo

abantu bazakuba njengokutshisiweyo kwekalaga; njengameva aqunyiweyo bazatshiswa emlilweni. **13** Zwanini, lina elikhatshana, engikwenzileyo; lani eliseduze, vumani amandla ami. **14** Izoni zeZiyoni ziyesaba, ukuthuthumela kubabambile abazenzisi. Ngubani phakathi kwethu ongahlala lomlilo oqothulayo? Ngubani phakathi kwethu ongahlala lokutshisa okuphakade? **15** Yena ohamba ngokulunga, akhulume ngobuqotho, odelela inzuzo yezincindezelo, othintitha izandla zakhe ekubambeni isivalamlomo, ovala indlebe yakhe ekuzweni ngamacala legazi, ocimeza amehlo akhe ukuze angaboni okubi; **16** yena uzahlala ezindaweni eziphakemeyo; izinqaba zamadwala zibe yisivikelo sakhe; isinkwa sakhe asinikwe; amanzi akhe athembeke. **17** Amehlo akho azabona iNkosi ebuhleni bayo; abone ilizwe elikhatshana kakhulu. **18** Inhliziyo yakho izazindla ukwesabisa. Ungaphi umbhali? Ungaphi umlinganisi? Ungaphi obala imiphotshongo? **19** Kawuyikubona abantu abayiziqholo, abantu abenkulumo ejule okokuthi ungeyizwisise, abolimi olugagasayo ongeluqedisise. **20** Khangela iZiyoni, umuzi wemikhosi yethu emisiweyo; amehlo akho azabona iJerusalema, indawo yokuhlala elokonwaba, ithente elingayikusuka, ozikhonkwane zalo ezizasitshulwa phakade, kakuyikuqamuka leyodwa yezintambo zalo. **21** Kodwa lapho iNkosi izakuba ngelobukhosi kithi, indawo yemifula, yezifula ezibanzi; umkolo olamaphini okugwedla ongahambi khona, lomkhumbi olamandla ongedluli khona. **22** Ngoba uJehova ungumahluleli wethu, uJehova ungumnikumthetho wethu, uJehova uyinkosi yethu, yena uzasisindisa. **23** Ingoda zakho ziyaxega; kaziyikuqinisa iqonde insika yazo yomkolo, zingeyelule iseyili; khona kuzakwabiwa impango yempango

enengi, abaqhulayo baphange impango. **24** Lomhlali kayikuthi: Ngiyagula. Abantu abahlala kuyo bazathethelelwa iziphambeko.

34 Sondelani, zizwe, ukuze lizwe; lani bantu, lilalele; umhlaba kawuzwe, lokugcwala kwawo; ilizwe, lakho konke okuvela kilo. **2** Ngoba intukuthelo yeNkosi iphezu kwazo zonke izizwe, lolaka phezu kwawo wonke amabutho azo; izitshabalalisile, izinikele ekubulaweni. **3** Ababuleweyo bazo labo bazaphoselwa phandle, levumba labo lizakwenyuka ezidunjini zabo, lezintaba zizancibilika ngegazi labo. **4** Lalo lonke ibutho lamazulu lizabola; lamazulu agoqwe njengomqulu; lalo lonke ibutho labo liwele phansi, njengehlamvu liwohloka evinini, lanjengomkhiwa owohlokayo esihlahleni somkhiwa. **5** Ngoba inkemba yami izacwila emazulwini; khangela, izakwehlela phezu kukaEdoma laphezu kwabantu bokutshabalalisa kwami ngesigwebo. **6** Inkemba yeNkosi igcwele igazi, inoniswe ngamafutha, ngegazi lamawundlu lelezimbuzi, ngamahwahwa ezinso zezinqama; ngoba iNkosi ilomhlatshele eBhozira, lokubulala okukhulu elizweni leEdoma. **7** Lezinyathi zizakwehla kanye lazo, lamajongosi kanye lezinkunzi. Njalo ilizwe labo lizacwila egazini, lothuli lwabo lunoniswe ngamahwahwa. **8** Ngoba kulusuku lwempindiselo yeNkosi, umnyaka wokubuyiselwa kwempikisano yeZiyoni. **9** Lezifula zabo zizaphendulwa zibe yingcino, lothuli lwabo lube yisibabule; lelizwe labo lizakuba yingcino etshayo. **10** Kaliyikucitshwa ubusuku lemini; intuthu yalo izakwenyuka laphakade; kusukela esizukulwaneni kusiya kusizukulwana lizakuba yinkangala; kakho ozadabula phakathi kwalo kuze kube nini lanini. **11** Kodwa iwunkwe lenhloni kuzakudla ilifa lalo; isikhova laso lewabayi kuzahlala kulo. Njalo izakwelula phezu kwalo intambo yencithakalo, lamatshe onxiwa. **12**

Bazabizela izikhulu zalo embusweni, kodwa kakho ozakuba khona, leziphathamandla zalo zonke zizakuba yinto engelutho. **13** Lameva azakhula ezigodlweni zalo, imbabazane lokhula oluhlabayo ezinqabeni zalo; njalo libe yindawo yokuhlala yemigobho, umuzi wamadodakazi ezintshe. **14** Izilo zenkangala lazo zizahlangana lezilo ezihlaba umkhulungwane, legogo lizakhalela umngane walo; lesikhova esikhalayo sizaphumula khona, sizitholele indawo yokuphumula. **15** Lapho isikhova esikhulu sizakwakha isidleke, sibekela, sichamisele, sifukamele ngaphansi komthunzi waso; amanqe lawo azabuthana lapho, yilelo lalelo lomngane walo. **16** Dingani egwalweni lweNkosi, lifunde; kakukho lokukodwa kwalokhu okuzasilela, kakukho okuzaswela umngane wakho; ngoba umlomo wami ngokwawo ulayile, lomoya wayo ngokwawo ukubuthanisile. **17** Ngoba yona ibenzele inkatho yokuphosa, lesandla sayo sibehlukanisele ngentambo; lizakuba yilifa labo kuze kube phakade, kusukela kusizukulwana kuze kube sesizukulwaneni bazahlala kulo.

35 Inkangala legwadule kuzajabula ngabo; lehlane ithokoze, ikhahlele njengerosi, **2** ikhahlele kakhulu, ithokoze langentokozi lokuhlabelela. Inkazimulo yeLebhanoni izayinikwa, ubuhle beKharmeli leSharoni; khona kuzabona inkazimulo yeNkosi, ubukhosi bukaNkulunkulu wethu. **3** Qinisani izandla ezibuthakathaka, liqinise amadolo axegayo. **4** Tshonini kwabalenhliziyi ephangisayo lithi: Qinani, lingesabi. Khangelani, uNkulunkulu wenu uzakuza ngempindiselo, uNkulunkulu elomvuzo; yena uzakuza alisindise. **5** Khona amehlo eziphofu ezavuleka, lezindlebe zezacuthe zivuleke. **6** Khona oqhulayo ezakweqa njengendluzele, lolimi lwesimungulu luhlabelele; ngoba amanzi azaqhekeza endaweni elugwadule, lezifula enkangala. **7**

Lomhlabathi otshileyo uzakuba lixhaphozi, lomhlabathi owomileyo ube yimithombo yamanzi. Endaweni yokuhlala yemigobho, endaweni yawo yokulala, kube lotshani lemihlanga lebhuma. **8** Kuzakuba lomgwaqo omkhulu khona, lendlela, ezathiwa yindlela yobungcwele; ongcobileyo kayikudlula kuyo, kodwa izakuba ngeyalowo; abahambayo ngaleyondlela, loba beyizithutha, kabayikulahleka. **9** Kakuyikuba khona isilwane lapho, lesilo esiphangayo kasiyikwenyuka phezu kwayo, kasiyikutholwa lapho; kodwa abahlengiweyo bazahamba ngayo. **10** Njalo abenzelwe inhlawulo yokuthula beNkosi bazabuyela, bafike eZiyoni ngengoma, belentokozo ephakade phezu kwekhanda labo; bazazuza intokozo lenjabulo, kubaleke-ke usizi lokububula.

36 Kwasekusithi ngomnyaka wetshumi lane wenkosi uHezekhiya, uSenakheribi inkosi yeAsiriya wenyuka wamelana lemizi yonke evikelweyo yakoJuda, wayithatha. **2** Njalo inkosi yeAsiriya yathuma uRabi-Shake esuka eLakishi esiya eJerusalema enkosini uHezekhiya lebuthe elinzima. Wasesima emfolweni wechibi elingaphezulu, emgwaqweni omkhulu wensimu yomwatshi. **3** Kwasekuphumela kuye uEliyahimi, indodana kaHilikhiya, owayephezu kwendlu, loShebina umbhali, loJowa indodana kaAsafi umabhalane. **4** URabi-Shake wasesithi kubo: Tshonini khathesi kuHezekhiya ukuthi: Itsho njalo inkosi enkulu, inkosi yeAsiriya: Lithemba bani leli othembele kulo? **5** Ngithi (kodwa yilizwi lendebe): Kuleseluleko lamandla empi. Khathesi uthembele kubani ukuthi ungivukele? **6** Khangela, uthembele kuloludondolo lwalo umhlanga owephukileyo, kuyo iGibhithe, okuthi uba umuntu eseyama kulo, luzangena esandleni sakhe lusihlabe. Unjalo uFaro inkosi yeGibhithe kubo bonke abathembela kuye. **7** Kodwa uba usithi kimi:

Sithembela eNkosini uNkulunkulu wethu; kakusuye yini ozindawo zakhe eziphakemeyo lamalathi akhe uHezekhiya akususileyo, wathi kuJuda leJerusalema: Lizakhonza phambi kwaleli ilathi? **8** Ngakho-ke ake unike isibambiso enkosini yami, inkosi yeAsiriya; njalo ngizakunika amabhiza azinkulungwane ezimbili, uba wena ulakho ukunika abagadi bamabhiza phezu kwawo. **9** Uzabuyisela njani-ke emuva ubuso bombusi oyedwa wabancinyane bezinceku zenkosi yami, wena-ke uthembela eGibhithe ngenxa yezinqola labagadi bamabhiza? **10** Khathesi sengenyukile yini ngingelaNkosi ngimelene lalelilizwe ukulichitha? INkosi yathi kimi: Yenyuka umelene lalelilizwe, ulichithe. **11** UEliyakimi loShebina loJowa basebesithi kuRabi-Shake: Ake ukhulume lenceku zakho ngesiSiriya, ngoba siyasiqedisisa; ungakhulumi lathi ngesiJuda, endlebeni zabantu abaphezu komduli. **12** Kodwa uRabi-Shake wathi: Inkosi yami ingithume enkosini yakho lakuwe yini ukukhuluma lamazwi? Kakusebantwini yini abahlezi phezu komduli ukuze badle ubulongwe babo, banathe umchamo wabo kanye lani? **13** URabi-Shake wema-ke, wamemeza ngelizwi elikhulu ngesiJuda, wathi: Zwanini amazwi enkosi enkulu, inkosi yeAsiriya. **14** Itsho njalo inkosi: UHezekhiya kangalikhohlisi, ngoba kayikuba lakho ukulikhulula. **15** Futhi uHezekhiya angalenzi lithembele eNkosini, esithi: INkosi izasikhulula lokusikhulula; lumuzi kawuyikunikelwa esandleni senkosi yeAsiriya. **16** Lingamlaleli uHezekhiya, ngoba itsho njalo inkosi yeAsiriya: Dingani umusa wami ngesipho, lisithumele kimi; lidle ngulowo lalowo okwevini lakhe, langulowo lalowo okomkhiwa wakhe, linathe ngulowo lalowo amanzi omthombo wakhe; **17** ngize ngifike, ngilithathe, ngilise elizweni elifanana lelizwe lenu, ilizwe lamabele lewayini elitsha, ilizwe lesinkwa lezivini. **18** UHezekhiya

kangalihugi esithi: iNkosi izasikhulula. Onkulunkulu bezizwe bakhulule yini, ngulowo lalowo ilizwe lakhe, esandleni samakhosi eAsiriya? **19** Bangaphi onkulunkulu beHamathi leArpadi? Bangaphi onkulunkulu beSefavayimi? Bayikhulule yini layo iSamiya esandleni sami? **20** Ngobani phakathi kwabo bonke onkulunkulu balawomazwe abakhulule ilizwe labo esandleni sami, ukuthi iNkosi ikhulule iJerusema esandleni sami? **21** Kodwa bathula, kabaze bamphendula lizwi, ngoba umlayo wenkosi wawuyikuthi: Lingamphenduli. **22** Kwasekufika uEliyakhimi, indodana kaHilikhiya, owayephezu kwendlu, loShebina umbhali, loJowa indodana kaAsafi, umabhalane, kuHezekhiya, izigqoko zabo zidatshuliwe, bamtshela amazwi kaRabi-Shake.

37 Kwasekusithi inkosi uHezekhiya isikuzwile, yadabula izigqoko zayo, yazembesa ngesaka, yangena endlini yeNkosi. **2** Yasithuma uEliyakhimi umphathi wendlu, loShebina umabhalane, labadala babapristi bembethe amasaka, kulsaya umprofethi indodana kaAmozi. **3** Basebesithi kuye: Utsho njalo uHezekhiya: Lolusuku lusuku lohlupho lolokusolwa lolokweyiswa, ngoba abantwana sebefikile emlonyeni wesizalo, kanti akulamandla okubeletha. **4** Mhlawumbe iNkosi, uNkulunkulu wakho, izawezwa amazwi kaRabi-Shake, onkosi yeAsiriya, inkosi yakhe, emthume ukuthuka uNkulunkulu ophilayo, lokusola ngamazwi iNkosi uNkulunkulu wakho ewazwileyo. Ngakho phakamisa umkhuleko ngensali etholakeleyo. **5** Ngakho inceku zenkosi uHezekhiya zafika kulsaya. **6** Ulsaya wasesithi kuzo: Lizakutsho njalo enkosini yenu: Itsho njalo iNkosi: Ungesabi amazwi owezwileyo, inceku zenkosi yeAsiriya ezingithuke ngawo. **7** Khangela, ngizafaka umoya kuyo, njalo izakuzwa ihungahunga, ibuyele elizweni layo; njalo ngizayenza ukuthi iwe ngenkamba elizweni

layo. **8** URabi-Shake wasebuyela, wafica inkosi yeAsiriya isilwa imelene leLibhina; ngoba wayezwile ukuthi isisukile eLakishi. **9** Wasesizwa ngoTirihaka inkosi yeEthiyophiya kuthiwa: Uphumile ukuzakulwa lawe. Esekuzwile wathuma izithunywa kuHezekhiya esithi: **10** Lizakhuluma kanje kuHezekhiya inkosi yakoJuda lithi: UNkulunkulu wakho othembele kuye kangakukhohlisi esithi: IJerusalema kayiyikunikelwa esandleni senkosi yeAsiriya. **11** Khangela, wena usuzwile ukuthi amakhosi eAsiriya enzeni kuwo wonke amazwe ngokuwatshabalalisa. Wena-ke uzakhululwa yini? **12** Onkulunkulu bezizwe bazikhulula yini obaba abazichithayo, iGozani leHarani leRezefi, labantwana beEdeni ababeseTelasari? **13** Ingaphi inkosi yeHamathi, lenkosi yeArpadi, lenkosi yomuzi weSefavayimi, iHena, leIva? **14** UHezekhiya wasesemukela izincwadi esandleni sezithunywa, wazifunda, wenyukela endlini yeNkosi; uHezekhiya wasezichaya phambi kweNkosi. **15** UHezekhiya wasekhuleka eNkosini, esithi: **16** Nkosi yamabandla, Nkulunkulu kalsrayeli, ohlala phakathi kwamakherubhi, nguwe wedwa onguNkulunkulu wayo yonke imibuso yomhlaba; wena wenze amazulu lomhlaba. **17** Thoba indlebe yakho, Nkosi, uzwe, vula amehlo akho, Nkosi, ubone; uzwe wonke amazwi kaSenakheribi awathumele ukuklolodela uNkulunkulu ophilayo. **18** Qiniso, Nkosi, amakhosi eAsiriya achithile zonke izizwe lamazwe azo; **19** aphosela onkulunkulu bazo emlilweni, ngoba babengeyisibo onkulunkulu, kodwa umsebenzi wezandla zabantu, izigodo lamatshe; ngalokho bababhubhisa. **20** Ngakho-ke, Nkosi Nkulunkulu wethu, sisindise esandleni sakhe, ukuze yonke imibuso yomhlaba yazi ukuthi wena wedwa uyiNkosi. **21** Ulsaya indodana kaAmozi wasethumela kuHezekhiya, esithi: Itsho njalo iNkosi, uNkulunkulu kalsrayeli: Lokho okukhuleke kimi

ngoSenakheribi inkosi yeAsiriya, 22 leli yilizwi iNkosi elikhulume
ngaye: Intombi emsulwa, indodakazi yeZiyoni iyakudelela,
iyakuklolodela; indodakazi yeJerusalema inikina ikhanda ngemva
kwakho. 23 Ngubani omeyisileyo wamhlambaza? Njalo
uphakamisele bani ilizwi, waphakamisela amehlo akho phezulu?
Umelene loNgcwele kalsrayeli. 24 Uklolodele iNkosi ngesandla
sezinceku zakho, wathi: Ngobunengi bezinqola zami mina
ngenyukele endaweni ephakemeyo yezintaba, ezinhlangothini
zeLebhanoni. Njalo ngizagamula imisedari yayo emide, ikhethelo
lezihlahla zamafiri ayo, ngingene ekuphakameni kwemingcele
yayo, igusu leKharmeli layo. 25 Mina ngagebha, nganatha amanzi,
langengaphansi yenyawo zami ngomisa yonke imifula yendawo
evinjelweyo. 26 Kawuzwanga yini ukuthi ngakwenza endulo,
ngakubumba ensukwini zendulo? Khathesi ngikufikisile, ukuthi
ube ngowokudiliza imizi evikelweyo ibe zinqumbi zamanxiwa.
27 Ngakho abahlali bayo babelesandla esifitshane, besaba,
baba lenhloni, baba njengotshani beganga, lemibhida eluhlaza,
utshani bempahla, lamabele ahanguliweyo engakami. 28
Kodwa ngiyakwazi ukuhlala kwakho, lokuphuma kwakho,
lokungena kwakho, lokungithukuthelela kwakho. 29 Ngenxa
yokungithukuthelela kwakho, lokuthi umsindo wakho wenyukele
endlebeni zami, ngizakufaka umkhala wami emakhaleni akho,
letomu lami endebeni zakho, ngikwenze ubuyele ngendlela oweza
ngayo. 30 Lokhu-ke kuzakuba yisibonakaliso kuwe; lonyaka
uzakudla okuzikhulelayo; langomnyaka wesibili umkhukhuzela;
kuthi ngomnyaka wesithathu lihlanyeke, livune, lihlanyeke izivini,
lidle izithelo zazo. 31 Lokuphephileyo kwendlu yakoJuda
okuseleyo kuzaphinda kugxumeke impande phansi, kuthele
izithelo ngaphezulu. 32 Ngoba kuzaphuma eJerusalema

insali, lokuphephileyo entabeni yeZiyoni. Ukutshiseka kweNkosi yamabandla kuzakwenza lokhu. **33** Ngakho, utsho njalo uJehova ngenkosi yeAsiriya: Kayiyikungena kulumuzi, kayiyikutshoka umtshoko khona, kayiyikuza phambi kwawo ilesihlangu, kayiyikubuthelela idundulu maqondana lawo. **34** Ngendlela eyeza ngayo, ngayo izabuyela, njalo kayiyikungena kulo umuzi, itsho iNkosi. **35** Ngoba ngizawuvikela lumuzi ukuwusindisa, ngenxa yami, langenxa kaDavida inceku yami. **36** Khona kwaphuma ingilosi yeNkosi, yatshaya enkambeni yamaAsiriya abazinkulungwane ezilikhulu lamatshumi ayisificaminwembali lanhlanu. Kwathi bevuka ekuseni kakhulu, khangela-ke, bonke babeyizidumbu ezifileyo. **37** Ngakho uSenakheribi inkosi yeAsiriya wasuka, wahamba ebuyela, wahlala eNineve. **38** Kwasekusithi ekhonza endlini kaNisiroki unkulunkulu wakhe, oAdrameleki loSharezeri amadodana akhe bamtshaya ngenkamba; bona basebephephela elizweni leArarathi. UEsarihadoni indodana yakhe wasebusa esikhundleni sakhe.

38 Ngalezonsuku uHezekhiya wagula waphos'ukufa. Ulsaya indodana kaAmozi umprofethi wasefika kuye, wathi kuye: Itsho njalo iNkosi: Layezela indlu yakho, ngoba uzakufa, kawuyikuphila. **2** UHezekhiya wasephendulela ubuso bakhe ngasemdulini, wakhuleka eNkosini, **3** wathi: Ngiyakuncenga, Nkosi, ake ukhumbule ukuthi ngihambe phambi kwakho ngobuqotho langenhliziy ophetheleyo, ngenza okulungileyo emehlweni akho. UHezekhiya wasekhala inyembezi ngokukhala okukhulu. **4** Kwasekufika ilizwi leNkosi kuIsaya, lisithi: **5** Hamba, uthi kuHezekhiya: Itsho njalo iNkosi uNkulunkulu kaDavida uyihlo: Ngiwuzwile umkhuleko wakho, ngibonile inyembezi zakho; khangela, ngizakwengezelela iminyaka elitshumi lanhlanu

ensukwini zakho, **6** ngikukhulule wena lalumuzi esandleni senkosi yeAsiriya, ngiwuvikele lumuzi. **7** Lalesi yisibonakaliso kuwe esivela eNkosini, esokuthi iNkosi izayenza le into eyikhulumileyo. **8** Khangela, ngizabuyisela emuva isithunzi sezinyathelo esesehlile ezinyathelweni zelanga zikaAhazi, izinyathelo ezilitshumi emuva. Ilanga laselibuyela emuva izinyathelo ezilitshumi, ngezinyathelo elalehle ngazo. **9** Umbhalo kaHezekhiya inkosi yakoJuda lapho egula, esesile emkhuhlaneni wakhe. **10** Mina ngathi: Ekuqunyweni kwezinsuku zami ngizakuya emasangweni engcwaba; ngemukiwe insali yeminyaka yami. **(Sheol h7585)** **11** Ngathi: Kangiyikubona uJehova, uJehova elizweni labaphilayo; kangisayikubona muntu labahlali bomhlaba. **12** Isizukulwana sami sesisukile, sasuswa kimi njengethente lomelusi; ngiqume impilo yami njengomeluki; uzangiquma njengomkhuhlane ocikizayo; kusukela emini kuze kube sebusuku uzangiqeda. **13** Ngabalisa kwaze kwaba sekuseni; njengesilwane, ngokunjalo uzakwephula amathambo ami wonke; kusukela emini kuze kube sebusuku uzangiqeda. **14** Njengenkonjane kumbe ihemu, ngokunjalo ngatshiyozza; ngilila njengejuba; amehlo ami afiphala ngokukhangela phezulu. Nkosi, ngicindezelwe; woba yisibambiso sami. **15** Ngingathini? Ikhulumile kimi, yona uqobo ikwenzile. Ngizahamba kabuthakathaka yonke iminyaka yami ebuhlungwini bomphefumulo wami. **16** Nkosi, ngalezizinto bayaphila, lakuzo zonke lezizinto kulempilo yomoya wami. Njalo uzangelapha, ungiphilise. **17** Khangela, kulokuthula ngibe lobuhlungu obukhulu, kodwa wena uwuthandile umphefumulo wami wawukhulula egodini lencithakalo, ngoba uphosele ngemva komhlana wakho zonke izono zami. **18** Ngoba ingcwaba lingekubonge; ukufa kungekudumise; labo abehlela emgodini

bangelithembele iqiniso lakho. (Sheol h7585) **19** Ophilayo, ophilayo, yena uzakudumisa, njengami lamuhla; uyise uzakwazisa abantwana iqiniso lakho. **20** INkosi yayilungele ukungisindisa; ngakho sizahlabelela izingoma zami ngamachacho insuku zonke zempilo yethu endlini yeNkosi. **21** Ngoba ulsaya wayethe: Kabathathe isigaqa somkhiwa, basifake njengomnameko phezu kwethumba, njalo uzasila. **22** UHezekhiya laye wayethe: Siyini isibonakaliso sokuthi ngizakwenyukela endlini yeNkosi?

39 Ngalesosikhathi uMerodaki-Baladani, indodana kaBaladani inkosi yeBhabhiloni, wathumela izincwadi lesipho kuHezekhiya, ngoba wayezwile ukuthi ubekade egula, useqinile. **2** UHezekhiya wasethokoza ngazo, wabatshengisa indlu yokuligugu kwakhe, isiliva, legolide, lamakha, lamafutha amahle, lendlu yonke yezikhali zakhe, lakho konke okwatholakala kokuligugu kwakhe; kakubanga lalutho endlini yakhe lembusweni wakhe wonke uHezekhiya angabatshengisanga lona. **3** Wasefika ulsaya umprofethi enkosini uHezekhiya, wathi kuyo: Atheni lamadoda? Futhi avele ngaphi esiza kuwe? UHezekhiya wasesithi: Avele elizweni elikhatshana esiza kimi, eBhabhiloni. **4** Wasesithi: Aboneni endlini yakho? UHezekhiya wasesithi: Abone konke okusendlini yami; kakulalutho phakathi kokuligugu kwami engingawatshengisanga lona. **5** Ulsaya wasesithi kuHezekhiya: Zwana ilizwi leNkosi yamabandla. **6** Khangela, insuku ziyeza lapho konke okusendlini yakho, lalokho oyihlo abakubuthelelayo kuze kube lamuhla, kuzathwalelwa eBhabhiloni; kakuyikusala lutho, kutsho iNkosi. **7** Njalo bazathatha emadodaneni akho azaphuma kuwe, ozawazala; njalo abe ngabathenwa esigodlweni senkosi yeBhabhiloni. **8** UHezekhiya wasesithi kuIsaya: Ilizwi

leNkosi olikhulumileyo lilungile. Wathi futhi: Ngoba kuzakuba lokuthula leqiniso ensukwini zami.

40 Duduzani, liduduze abantu bami, utsho uNkulunkulu wenu. **2** Khulumani kunhliziyo yeJerusalema, limemeze kuyo ukuthi imfazo yayo iphelelisiwe, ukuthi ububi bayo buthethelwe, ngoba yemukele esandleni seNkosi okuphindwe kabili ngazo zonke izono zayo. **3** Ilizwi lomemezayo ehlabelithi: Lungisani indlela yeNkosi, lenzele uNkulunkulu wethu umgwaqo omkhulu oqondileyo enkangala. **4** Sonke isigodi sizaphakanyiswa, layo yonke intaba loqaqa kuzakwehliswa; lokugobileyo kuzakwenziwa kuqonde, lendawo ezimaxhakaxhaka zibe ligceke. **5** Inkazimulo yeNkosi izabonakaliswa, layo yonke inyama iyibone kanyekanye, ngoba umlomo weNkosi ukhulumile. **6** Ilizwi lathi: Memeza! Wasesithi: Ngizamemeza ngithini? Yonke inyama ibutshani, labo bonke ubuhle bayo bunjengeluba leganga. **7** Utshani buyabuna, iluba liyawohloka, ngoba uMoya weNkosi uphephetha kukho; isibili abantu babutshani. **8** Utshani buyabuna, iluba liyawohloka; kodwa ilizwi likaNkulunkulu wethu limi kuze kube nini lanini. **9** Wena Ziyoni, oletha izindaba ezinhle, khwela entabeni ende; wena Jerusalema, oletha izindaba ezinhle, phakamisa ilizwi lakho ngamandla, liphakamise ungesabi; tshono emizini yakoJuda uthi: Khangelani, uNkulunkulu wenu. **10** Khangela, iNkosi uJehova izakuza ngamandla, lengalo yayo izayibusela; khangela, umvuzo wayo ilawo, lenkokhelo yayo iphambi kwayo. **11** Izakwelusa umhlambi wayo njengomelusi, izabutha amawundlu ngengalo yayo, iwathwale esifubeni sayo, ikhokhele kuhle ezimunyisayo. **12** Ngubani olinganise amanzi entendeni yesandla sakhe, walinganisa amazulu ngeminwe eyeluliweyo, wahlanganisa uthuli lomhlaba esilinganisweni, walinganisa

izintaba ngesikali, lamaqaqa ngesilinganiso? **13** Ngubani oqondise uMoya weNkosi, kumbe wamfundisa engumeluleki wakhe? **14** Yelulekane lobani, owayenza yaqedisisa, wayifundisa endleleni yesahlulelo, wayifundisa ulwazi, wayazisa indlela yokuqedisisa? **15** Khangela, izizwe zinjengethonsi lenkonxa, zibalwa njengothuli lwesikali. Khangela, uphakamisa izihlenge njengento encinyane kakhulu. **16** LeLebhanoni kayeneli ukutsha, lenyamazana zayo kazeneli umnikelo wokutshiswa. **17** Zonke izizwe zinjengezingasilutho phambi kwayo, zibalwa kuyo zincinyane kulokungelutho lokuyize. **18** Pho, lizamfananisa lobani uNkulunkulu, loba mfanekiso bani elizamlinganisa lawo? **19** Ingcitshi incibilikisa isithombe esibaziweyo, lomkhandi wegolide uyasinameka ngegolide, abumbe ngokuncibilikisa amaketane esiliva. **20** Lowo ongumyanga ongelamnikelo ukhetha isihlahla esingaboliyo, azidingele umbazi oyingcitshi ukuze alungise isithombe esingayikunyikinywa. **21** Kalazi yini? Kalizwanga yini? Kalitshelwanga yini kwasekuqaleni? Kaliqedisisanga yini kwasekusekelweni komhlaba? **22** Kunguye ohlala phezu kwesigombolozu somhlaba, labahlali bawo banjengentethe; owendlala amazulu njengekheteni, awelule njengentente lokuhlala; **23** owenza iziphathamandla zingabi yilutho, enze abehluleli bomhlaba babe njengeze. **24** Yebo, kabayikugxunyekwa; yebo, kabayikulhanyelwa; yebo, isiqu sabo kasiyikugxila emhlabathini; laye uzaphephetha phezu kwabo, babune; lesivunguzane sibasuse njengamabibi. **25** Pho, lizangifananisa lobani, engizafanana laye? kutsho oNgcwele. **26** Phakamiselani amehlo enu phezulu, libone odale lezizinto; okhipha ibutho lazo ngenani; azibize zonke ngamabizo ngobukhulu bamandla akhe, ngoba eqinile emandleni; kayikho

uzimele izindaba zomphefumulo wami, wahlenga impilo yami. **59** Nkosi, ubonile ukoniwa kwami; yahlulela udaba lwami. **60** Ubonile yonke impindiselo yabo, wonke amacebo abo amelene lami. **61** Uzwile inhlamba yabo, Nkosi, wonke amacebo abo amelene lami, **62** indebe zabangivukelayo, lokuzindla kwabo kumelene lami lonke usuku. **63** Khangela ukuhlala kwabo, lokusukuma kwabo; ngiyingoma yabo. **64** Buyisela kibo impindiselo, Nkosi, njengokomsebenzi wezandla zabo. **65** Banike ubulukhuni behliziyo, isiqalekiso sakho kibo. **66** Xotshana labo ngolaka, ubabhubhise bangabi ngaphansi kwamazulu eNkosi.

4 Yeka ukufiphala kwegolide, ukuphenduka kwegolide elihle kakhulu! Amatshe endawo engcwele achithiwe ekuqaleni kwazo zonke izitalada. **2** Amadodana aligugu eZiyoni, alinganiswa legolide elihle, yeka ukuthiwa kwawo ayizitsha zebumba, umsebenzi wezandla zombumbi! **3** Ngitsho amakhanka ehlisa ibele, amunyise imidlwane yawo; kodwa indodakazi yabantu bami isilesihluku, njengezintshe enkangala. **4** Ulimi lomunyayo lunamathela olwangeneni lwakhe ngenxa yokoma; abantwanyana bacela isinkwa, kakho obahlephulelayo. **5** Ababesidla izibiliboco baphundlekile ezitaladeni; abondliwa ngeziyibubende bagona inqumbi zomquba. **6** Ngoba icala lendodakazi yabantu bami likhulu kulesono seSodoma, eyachithwa kwangathi ngomzuzwana, kungelazandla ezayonayo. **7** AmaNazari ayo ayehlambulukile kuleliqhwa elikhithikileyo, emhlophe kulochago, ebomvana ngomzimba kulamakorali, isimo sawo sasingesesafire. **8** Ukubonakala kwawo sekumnyama kulomsizi, kawaziwa ezitaladeni; isikhumba sawo sinamathele emathanjeni awo, somile, saba njengogodo. **9** Ababulawa ngenkemba bangcono kulababulawa yindlala; ngoba laba bayacikizeka behlatshwa

yikuswela izithelo zensimu. **10** Izandla zabetesifazana abalesihawu zapheka abantwana babo; baba yikudla kwabo ekwephekeni kwendodakazi yabantu bami. **11** INkosi iphelelisile intukuthelo yayo, ithululile ukuvutha kolaka lwayo, yaphemba umlilo eZiyoni oqothule izisekelo zayo. **12** Amakhosi omhlaba labo bonke abakhileyo bomhlaba babengayikukholwa ukuthi umcindezeli lesitha babengangena emasangweni eJerusalema. **13** Kwakungenxa yezono zabaprofethi bayo leziphambeko zabapristi bayo, abachitha igazi labalungileyo phakathi kwayo. **14** Bazula njengeziphofu ezitaladeni, bangcoliswa ngegazi, kangangokuthi abantu kabangelakuthinta izembatho zabo. **15** Bamemeza kubo bathi: Sukani, kungcolile, sukani, sukani, lingathinti! Lapho bebaleka njalo bezula, bathi phakathi kwabezizwe: Kabasayikuhlala njengabezizwe. **16** Ubuso beNkosi bubahlakazile, kayisayikubananza; kabahloniphanga ubuso babapristi, kababanga lomusa kubadala. **17** Thina, amehlo ethu asaphela kusizo lwethu oluyize; ekulindeleni kwethu salindela isizwe esingelakusisindisa. **18** Bazingela izinyathelo zethu ukuze singahambi ezitaladeni zethu; isiphetho sethu sisondele, insuku zethu zigcwalisekile, ngoba isiphetho sethu sesifikile. **19** Abasizingelayo balejubane kulamanqe amazulu; baxotshana lathi ngokutshiseka ezintabeni; basicathamela enkangala. **20** Umoya wamakhala ethu, ogcotshiweyo weNkosi, wabanjwa emigodini yabo, esathi ngaye: Ngaphansi komthunzi wakhe sizaphila phakathi kwezizwe. **21** Jabula uthokoze, ndodakazi yeEdoma, ohlala elizweni leUzi; inkezo izadlulela lakuwe, uzadakwa, uzinqunule. **22** Ububi bakho buphelile, ndodakazi yeZiyoni; kasayikukuthumba; uzahambela ububi bakho, ndodakazi yeEdoma; uzakwembula izono zakho.

5 Khumbula, Nkosi, ukuthi kwenzakaleni kithi; khangela, ubone ihlazo lethu. **2** Ilifa lethu seliphendulelwe kwabezizwe, izindlu zethu kwabemzini. **3** Siyizintandane, kungelababa; omama banjengabafelokazi. **4** Amanzi ethu siwanathile ngemali; inkuni zethu ziza ngentengo. **5** Sizingelwa ezintanyeni zethu, sidiniwe, kasilakuphumula. **6** Sinike isandla sethu kwabeGibhithe, labeAsiriya, ukuze sisuthiswe ngesinkwa. **7** Obaba bona, kabasekho, njalo thina sithwele iziphambeko zabo. **8** Izigqili ziyasibusa, kakho ongasihluthuna esandleni sazo. **9** Sizuzisa isinkwa sethu ngengozi yempilo yethu, ngenxa yenkamba yenkangala. **10** Ijwabu lethu limnyama njengeziko ngenxa yokutshisa okukhulu kwendlala. **11** Badlova abesifazana eZiyoni, izintombi ezimsulwa emizini yakoJuda. **12** Iziphathamandla zaphanyekwa ngesandla sazo; ubuso babadala kabuhlonitshwanga. **13** Amajaha athwala amatshe okuchola, labafana bakhubeka ngaphansi kwenkuni. **14** Abadala baphelile esangweni, amajaha ekuhlabeleleni. **15** Intokozo yenhliziyoyethu iphelile, ukugida kwethu kwaphenduka ukulila. **16** Umqhele wekhanda lethu uwile; hawu, maye kithi, ngoba sonile! **17** Ngenxa yalokhu inhliziyoyethu iphela amandla; ngenxa yalezizinto amehlo ethu afiphele. **18** Ngenxa yentaba yeZiyoni elunxiwa, amakhanka ahamba phezu kwayo. **19** Wena, Nkosi, uhlezi kuze kube nininini, isihlalo sakho sobukhosi sisuka esizukulwaneni sisiya esizukulwaneni. **20** Usikhohlweleni njalonjalo, usidela okobude bezinsuku? **21** Siphendulele kuwe, Nkosi, sizaphenduka; yenza insuku zethu zibe zintsha njengasendulo. **22** Kodwa ususilahlele isibili; usithukuthelele kakhulukazi.

UHezekheli

1 Kwasekusithi-ke ngomnyaka wamatshumi amathathu, ngenyanga yesine, ngolwesihlanu lwenyanga, lapho ngangiphakathi kwabathunjiweyo ngasemfuleni iKebari, avuleka amazulu, ngasengibona imibono kaNkulunkulu. **2** Ngolwesihlanu lwenyanga, okungumnyaka wesihlanu wokuthunjwa kwenkosi uJehoyakhini, **3** ilizwi leNkosi leza liqonde kuHezekeli, indodana kaBuzi, umpristi, elizweni lamaKhaladiya ngasemfuleni iKebari; lesandla seNkosi saba phezu kwakhe lapho. **4** Ngasengibona, khangela-ke, umoya wesivunguzane wavela enyakatho, iyezi elikhulu, lomlilo ozimumethayo, lokucwazimula inhlangothi zonke zalo, laphakathi kwalo kwavela kwangathi libala lethusi, livela phakathi komlilo. **5** Laphakathi kwalo kwavela umfanekiso wezidalwa ezine eziphilayo. Lalokhu kwakuyisimo sazo: Zazilomfanekiso womuntu. **6** Njalo yilesi laleso sasilobuso obune, njalo yilesi laleso sazilompiko ezine. **7** Lenyawo zazo zazizinyawo eziqondileyo, lengaphansi yezinyawo zazo yayinjengengaphansi yonyawo lwethole, zacwazimula njengombala wethusi elilolongiweyo. **8** Njalo kwakulezandla zomuntu ngaphansi kwempiko zazo enhlangothini zazo zozine. Njalo zozine zazilobuso bazo lempiko zazo. **9** Impiko zazo zazihlangene olunye kolunye; aziphendukanga ekuhambeni kwazo; zahamba, yilesi laleso siqonde phambili. **10** Njalo umfanekiso wobuso bazo wawuyibuso bomuntu, njalo zozine zazilobuso besilwane ngakwesokunene; njalo zozine zazilobuso benkabi ngakwesokhohlo; futhi zozine zazilobuso belinqe. **11** Babunjalo ubuso bazo; lempiko zazo zazehlukene ngaphezulu; yilesi laleso sasilezimbili zihlanganisiwe kolunye, lezimbili zigubuzele imizimba yazo. **12** Zahamba yilesi laleso siqonde

phambili; zaya lapho umoya owaya khona, zingaphenduki ekuhambeni kwazo. 13 Mayelana lomfanekiso wezidalwa eziphilayo, ukubonakala kwazo kwakunjengamalahle omlilo avuthayo, njengokubonakala kwezibane; kwahamba kusiya le lale phakathi kwezidalwa eziphilayo; njalo umlilo wawulokukhazimula, njalo emlilweni kwakuphuma umbane. 14 Lezidalwa eziphilayo zagijima zaphenduka njengokubonakala kokuphazima kombane. 15 Ngathi ngikhangela izidalwa eziphilayo, khangela-ke, ivili elilodwa lalisemhlabeni eceleni kwezidalwa eziphilayo, ebusweni baso obune. 16 Ukubonakala kwamavili lomsebenzi wawo kwakufanana lombala webherule; njalo zozine zazilesimo sinye; lokubonakala kwazo lomsebenzi wazo kwakunjengokuthi livili phakathi kwevili. 17 Ekuhambeni kwawo ahamba ngezinhlangothi zawo zozine; kawaphendukanga ekuhambeni kwawo. 18 Mayelana lamarimu awo, ayephakeme kangangokuthi ayesesabeka; njalo amarimu awo ayegcwele amehlo inhlangothi zonke zawo zozine. 19 Ekuhambeni kwezidalwa eziphilayo amavili ahamba eceleni kwazo; lekuphakanyisweni kwezidalwa eziphilayo emhlabeni lamavili aphakanyiswa. 20 Lapho umoya owawusiya khona zaya khona, kulapho umoya owawuzakuya khona; lamavili aphakanyiswa eqondene lawo; ngoba umoya wezidalwa eziphilayo wawusemavilini. 21 Lapho lezi zihamba, lawo ahamba; lalapho lezi zisima, lawo ema; lalapho lezi ziphakanyiswa emhlabeni, amavili aphakanyiswa eqondene lazo; ngoba umoya wezidalwa eziphilayo wawusemavilini. 22 Njalo isimo somkhathi ngaphezu kwamakhanda ezidalwa eziphilayo sasinjengombala wekristali elesabekayo, seluliwe phezu kwamakhanda azo ngaphezulu. 23 Langaphansi komkhathi impiko zazo zaziqondile, olunye lusiya kolunye; yilesi lalesi silezimbili ezembese

imizimba yazo ngapha, njalo yilesa laleso silezimbili ezembese ngaphayana. **24** Lekuhambeni kwazo ngezwa umsindo wempiko zazo unjengomsindo wamanzi amanengi, njengelizwi likaSomandla, umsindo wokuhlokoma, njengomsindo wenkamba; lapho zisima zehlisa impiko zazo. **25** Kwasekusiba lelizwi elavela phezu komkhathi ongaphezu kwekhanda lazo lapho sezimi sezehlise impiko zazo. **26** Langaphezu komkhathi owawuphezu kwekhanda lazo kwakunjengesimo selitshe lesafire, umfanekiso wesihlalo sobukhosi; langaphezu komfanekiso wesihlalo sobukhosi kwakulomfanekiso onjengokubonakala komuntu phezu kwakho ngaphezulu. **27** Ngasengibona njengombala wethusi, njengokubonakala komlilo phakathi kwakho inhlangothi zonke, kusukela ekubonakaleni kokhalo lwakhe langaphezulu, njalo kusukela ekubonakaleni kokhalo lwakhe langaphansi, ngabona kunjengokubonakala komlilo, lokukhazimula inhlangothi zakhe zonke. **28** Njengokubonakala komchilo wamakhosikazi osemayezini ngosuku lwezulu, kwakunjalo ukubonakala kokukhazimula inhlangothi zonke. Lokhu kwakuyikubonakala kwesimo senkazimulo yeNkosi. Ngathi ngikubona, ngathi mbo ngobuso, ngasengisizwa ilizwi lowakhulumayo.

2 Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, mana ngenyawo zakho, ngikhulume lawe. **2** Kwasekungena kimi uMoya lapho ekhuluma kimi, wangimisa ngenyawo zami; ngasengimuzwa okhuluma kimi. **3** Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, ngiyakuthuma ebantwaneni bakolsrayeli, ezizweni ezivukelayo, abangivukeleyo; bona laboyise baphambukile kimi, kuze kube yilolusuku kanye. **4** Ngoba bangabantwana abalukhuni ngobuso labalukhuni ngenhliziyo; ngikuthuma kubo, njalo uzakuthi kubo: Itsho

njalo iNkosi uJehova. 5 Bona-ke, loba bezakuzwa, kumbe loba beyekela (ngoba beyindlu evukelayo), bazakwazi ukuthi ubekhona umprofethi phakathi kwabo. 6 Wena-ke, ndodana yomuntu, ungabesabi, ungawesabi lamazwi abo, lanxa ameva lokhula oluhlabayo kukuwe, njalo uhlezi phakathi kwabofezela; ungawesabi amazwi abo, ungatshaywa luvalo ngobuso babo, ngoba beyindlu evukelayo. 7 Kodwa uzakhuluma amazwi ami kubo, loba bezakuzwa kumbe bayekele; ngoba bevukela. 8 Kodwa wena, ndodana yomuntu, zwana engikutshoyo kuwe; ungabi ngovukelayo njengaleyana indlu evukelayo; vula umlomo wakho, udle engikunika khona. 9 Ngasengibona, khangela-ke, isandla sithunyelwe kimi; khangela-ke umqulu wogwalo wawukuso. 10 Wasewendlala phambi kwami, njalo wawubhaliwe phambili langemuva; njalo kwakubhalwe phakathi kwawo izililo, lokukhala, losizi.

3 Yasisithi kimi: Ndodana yomuntu, dlana lokho ozakuthola; dlana lumqulu, uhambe uyekhuluma kuyo indlu kaIsrayeli. 2 Ngasengivula umlomo wami, yasingidlisa lowomqulu. 3 Yasisithi kimi: Ndodana yomuntu, yenza isisu sakho sidle, ugcwalise amathumbu akho ngalumqulu engikunika wona. Ngasengisidla; njalo waba emlonyeni wami njengoluju ngenxa yobumnandi. 4 Yasisithi kimi: Ndodana yomuntu, hamba uye endlini yakolSrayeli, ukhulume ngamazwi ami kubo. 5 Ngoba kawuthunywanga ebantwini abalenkulumo ejulileyo lolimi olunzima, kodwa endlini yakolSrayeli. 6 Hatshi ebantwini abanengi abalenkulumo ejulileyo lolimi olunzima, abamazwi abo ongeke uwezwe. Isibili, uba bengikuthume kubo, bona bebezakukuzwa. 7 Kodwa indlu kaIsrayeli kayiyikuvuma ukukulalela, ngoba kabavumi ukungilalela; ngoba yonke indlu yakolSrayeli ilobuso obuqinileyo,

njalo balukhuni ngenhliziyo. **8** Khangela, ngenze ubuso bakho baqina bumelene lobuso babo, leibunzi lakho liqine limelene leibunzi labo. **9** Ngenze ibunzi lakho libe njengendayimana elukhuni kulensengetshe. Ungabesabi, ungatshaywa luvalo yibuso babo, lanxa beyindlu evukelayo. **10** Futhi yathi kimi: Ndodana yomuntu, wonke amazwi ami engizawakhuluma kuwe, emukele enhliziyweni yakho, uzwe ngendlebe zakho. **11** Hamba-ke, uye kwabathunjiweyo, ebantwaneni babantu bakho, ukhulume kubo, uthi kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova; loba bezakuzwa loba bezayekela. **12** UMoya wasengiphakamisa; ngasengisizwa emva kwami ilizwi lomdumo omkhulu, lisithi: Kayidunyiswe inkazimulo yeNkosi ivela endaweni yayo. **13** Ngezwa futhi umsindo wempiko zezidalwa eziphilayo, ezazithintana, lomsindo wamavili maqondana lazo, lomsindo womdumo omkhulu. **14** UMoya wasengiphakamisa, wangisusa; ngasengihamba ngokubaba ekuvutheni komoya wami; kodwa isandla seNkosi sasilamandla phezu kwami. **15** Ngasengifika kwabathunjiweyo eTelabibi, ababehlala ngasemfuleni iKebari; ngahlala lapho ababehlala khona, ngahlala khona insuku eziyisikhombisa ngithithibele phakathi kwabo. **16** Kwasekusithi ekucineni kwensuku eziyisikhombisa, ilizwi leNkosi lafika kimi, lisithi: **17** Ndodana yomuntu, ngikwenzile waba ngumlindi kuyo indlu kalsrayeli. Ngakho zwana ilizwi elivela emlonyeni wami, ubaxwayise kuvela kimi. **18** Lapho ngisithi kokhohlakeleyo: Uzakufa lokufa; wena-ke ungamxwayisi, loba ungakhulumi ukumxwayisa okhohlakeleyo ukuthi asuke endleleni yakhe ekhohlakeleyo, ukuze agcine impilo yakhe, lowo okhohlakeleyo uzafela ebusini bakhe; kodwa igazi lakhe ngizalibiza esandleni sakho. **19** Kodwa uba wena umxwayisa okhohlakeleyo, angaphenduki ekukhohlakaleni

kwakhe lendleleni yakhe ekhohlakeleyo, yena uzafela ebubini bakhe; kodwa wena ukhulule umphefumulo wakho. 20 Futhi, uba olungileyo ephenduka ekulungeni kwakhe, enze isiphambeko, njalo ngibeke isikhubekiso phambi kwakhe, yena uzakufa; ngoba wena ungamxwayisanga, uzafela esonweni sakhe, lokulunga kwakhe akwenzileyo kungakhunjulwa; kodwa igazi lakhe ngizalibiza esandleni sakho. 21 Kodwa uba wena umxwayisa olungileyo, ukuze olungileyo angoni, yena-ke angaze ona, isibili yena uzaphila, ngoba exwayisiwe; futhi wena uwukhulule umphefumulo wakho. 22 Isandla seNkosi sasesiphezu kwami lapho, yasisithi kimi: Sukuma, uphume uye egcekeni, lalapho ngizakhuluma lawe. 23 Ngasengisukuma ngaphuma ngaya egcekeni; khangela-ke, inkazimulo yeNkosi yayimi khona, njengenkazimulo engangiyibone ngasemfuleni iKebari; ngasengisithi mbo ngobuso bami. 24 UMoya wasengena kimi, wangimisa ngenyawo zami, wakhuluma kimi wathi kimi: Hamba uyezivalela phakathi kwendlu yakho. 25 Wena-ke, ndodana yomuntu, khangela, bazafaka izibopho phezu kwakho, bakubophe ngazo, ukuze ungaphumi phakathi kwabo. 26 Njalo ngizakwenza ulimi lwakho lunamathele olwangenilwakho, ukuze ube yisimungulu, njalo ungabi ngumuntu okhuzayo kubo; ngoba bayindlu evukelayo. 27 Kodwa lapho ngikhuluma lawe, ngizavula umlomo wakho, ubususithi kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova: Ozwayo kezwe, loyekelayo kayekele; ngoba bayindlu evukelayo.

4 Wena-ke, ndodana yomuntu, zithathele isitina, usibeke phambi kwakho, ubhale ngokugubha kiso umuzi, iJerusalema; 2 wenze ukuvinjezelwa umelene lawo, wakhe inqaba umelene lawo, ubuthethelele idundulu umelene lawo, wenze izinkamba umelene lawo, umise izinqama zokudiliza inhlangothi

zonke zimelene lawo. **3** Futhi wena uzithathele umganu wensimbi, uwumise ube ngumduli wensimbi phakathi kwakho lomuzi; umise ubuso bakho bumelene lawo, njalo ube sekuvinjezelweni, futhi uzawuvimbezela. Lokhu kuzakuba yisibonakaliso kundlu kalsrayeli. **4** Futhi wena lala ngomhlubulo wakho wangasekhohlo, ubeke isiphambeko sendlu kalsrayeli phezu kwayo; njengokwenani lezinsuku ozalala phezu kwawo uzathwala isiphambeko sabo. **5** Ngoba mina ngikumisele iminyaka yesiphambeko sabo, njengokwenani lezinsuku, izinsuku ezingamakhulu amathathu layisificamunwemunye; ngokunjalo uzathwala isiphambeko sendlu kalsrayeli. **6** Lapho usuziphelelisile lezo, lala okwesibili ngomhlubulo wakho wangakwesokunene, uthwale isiphambeko sendlu kaJuda insuku ezingamatshumi amane; ngikunike usuku lube ngumnyaka, usuku lube ngumnyaka. **7** Ngakho uzamisa ubuso bakho ekuvinjezelweni kweJerusalema, lengalo yakho izakwembulwa, uprofethe umelene layo. **8** Khangela-ke, ngizabeka izibopho phezu kwakho, ukuze ungaphenduki usuka komunye umhlubulo usiya komunye umhlubulo, uze uqede izinsuku zokuvimbezela kwakho. **9** Futhi wena zithathele ingqoloyi lebhali lendumba lamalentili lenyawuthi lespelite, ukubeke esitsheni esisodwa, uzenzele kube yisinkwa; njengokwenani lezinsuku olala ngazo ngomhlubulo wakho, izinsuku ezingamakhulu amathathu lesificamunwemunye uzakudla sona. **10** Lokudla kwakho ozakudla kuzakuba ngesilinganiso, amashekeli angamatshumi amabili ngelanga; ukudle isikhathi ngesikhathi. **11** Lamanzi uzawanatha ngesilinganiso, ingxenye yesithupha yehini, uwanathe isikhathi ngesikhathi. **12** Njalo uzakudla iqebelengwana lebhali, ulipheke emehlweni abo ngamalongwe aphuma

emuntwini. **13** INkosi yasisithi: Ngokunjalo abantwana bakolsrayeli bazakudla isinkwa sabo esingcolileyo phakathi kwezizwe engizabaxotshela kuzo. **14** Ngasengisithi: Hawu Nkosi Jehova! Khangela, umphefumulo wami kawuzanga ungcoliswe; ngoba kwasebutsheni bami kuze kube lakhathesi kangizanga ngidle okuzifeleyo kumbe okudatshuliweyo, njalo kakulanyama enengekayo eseyake yangena emlonyeni wami. **15** Yasisithi kimi: Bona, ngikunike amalongwe enkomo esikhundleni samalongwe omuntu, njalo uzalungisa isinkwa sakho ngawo. **16** Yathi futhi kimi: Ndodana yomuntu, khangela, ngizakwephula udondolo lwesinkwa eJerusalema; njalo bazakudla isinkwa ngesisindo langokunqineka, banathe amanzi ngesilinganiso langoval; **17** ukuze baswele isinkwa lamanzi, bethuke omunye lomunye, bacikizeke ngobubi babo.

5 Wena-ke, ndodana yomuntu, zithathele ingqamu ebukhali, zithathele impuco yabageli, uyihambise phezu kwekhanda lakho laphezu kwesilevu sakho; ubusuzithathela isikali sokulinganisa, wehlukanise inwele. **2** Ingxenye yesithathu uzayitshisa ngomlilo phakathi komuzi sezigcwalisekile insuku zokuvimbezela; uthathe ingxenye yesithathu utshaye inhlangothi zonke zayo ngenkemba; lengxenye yesithathu uyihlakaze emoyeni; njalo ngizahwatsha inkemba emva kwabo. **3** Njalo uzathatha ezinlutshwana ngenani kuzo, uzigoqele emaphethelweni ezembatho zakho. **4** Ubusuthatha kuzo futhi, uziphosele phakathi komlilo, uzitshise emlilweni; kuzaphuma kuwo umlilo uye kuyo yonke indlu kalsrayeli. **5** Itsho njalo iNkosi uJehova: Le yiJerusalema; ngiyimisile phakathi kwezizwe lamazwe inhlangothi zonke zayo. **6** Kodwa iphendule izahlulelo zami zaba yibubi okwedlula izizwe, lezimiso zami okwedlula amazwe ayihanqileyo; ngoba bazalile

izahlulelo zami, lezimiso zami kabahambanga kuzo. **7** Ngakho itsho njalo iNkosi uJehova: Ngoba lezisile okwedlula izizwe ezilihanqileyo, lingahambanga ezimisweni zami, lingazenzanga izahlulelo zami, lingenzanga njengokwezahlulelo zezizwe ezilihanqileyo; **8** ngakho itsho njalo iNkosi uJehova: Khangela, ngimelene lawe, ngitsho mina, njalo ngizakwenza izahlulelo phakathi kwakho, emehlweni ezizwe. **9** Ngenze phakathi kwakho engingazange ngikwenze, lengingasayikukwenza okunjengakho, ngenxa yamanyala akho wonke. **10** Ngakho oyise bazakudla amadodana phakathi kwakho, lamadodana azakudla oyise. Njalo ngizakwenza izahlulelo phakathi kwakho, lensali yakho yonke ngizayihlakaza kuwo wonke umoya. **11** Ngakho, kuphila kwami, itsho iNkosi uJehova, isibili, ngoba ungcolisile indawo yami engcwele ngazo zonke izinengiso zakho langamanyala akho wonke, ngakho lami ngizakunciphisa, futhi ilihlo lami kaliyikuhawukela, futhi lami kangiyikuyekela. **12** Ingxenye yesithathu yakho izakufa ngomatshayabhuqe wesifo, langendlala bazaqedwa phakathi kwakho; lengxenye yesithathu izakuwa ngenkemba enhlangothini zonke zakho; lengxenye yesithathu ngizayihlakaza kuwo wonke umoya, ngihwatshe inkemba emva kwabo. **13** Ngokunjalo ukuthukuthela kwami kuzapheleliswa, ngenze ukufutheka kwami kuphumule phezu kwabo, ngiduduzeke; njalo bazakwazi ukuthi mina iNkosi ngikhulumile ekutshisekeni kwami, lapho sengiphelelise ukufutheka kwami kubo. **14** Futhi ngizakwenza ube lunxiwa ube lihlazo phakathi kwezizwe ezikuhlanqileyo, emehlweni akhe wonke owedlulayo. **15** Ngakho kuzakuba lihlazo, lenhlelisa, imfundiso, lesesabiso ezizweni ezikuhlanqileyo nxa ngisenza izahlulelo phakathi kwakho ngolaka langokufutheka

langokukhuza kokufutheka; mina Nkosi ngikhulumile. 16 Lapho ngithumela phezu kwabo imitshoko emibi yendlala, ezakuba ngeyokubhubhisa, engizayithumela ukulibhubhisa, ngizakwandisa indlala phezu kwenu, ngephule udondolo lwesinkwa kini. 17 Ngokunjalo ngizathuma phezu kwenu indlala lezilo ezimbi, ezizakwemuka abantwana; lomats Shayabhuqe wesifo legazi kudabule phakathi kwakho; ngilethe inkemba phezu kwakho. Mina Nkosi ngikhulumile.

6 Ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: 2 Ndodana yomuntu, khangelisa ubuso bakho ngasezintabeni zakolsrayeli, uprofethe umelene lazo. 3 Uthi: Lina zintaba zakolsrayeli, zwanini ilizwi leNkosi uJehova. Itsho njalo iNkosi uJehova ezintabeni, lemaqeqeni, ezifuleni, lezihotsheni: Khangelani, mina ngizakwehlisela phezu kwenu inkemba, ngichithe indawo zenu eziphakemeyo. 4 Lamalathi enu azachithwa, lamalathi enu elanga aphahlazwe, lababuleweyo benu ngibaphosele phansi phambi kwezithombe zenu. 5 Ngibeke izidumbu zabantwana bakolsrayeli phambi kwezithombe zabo, ngihlakaze amathambo enu inhlangothi zonke zamalathi enu. 6 Kuzo zonke indawo zenu zokuhlala imizi izachithwa, lendawo eziphakemeyo zibe ngamanxiwa, ukuze amalathi enu achithwe abe ngamanxiwa, lezithombe zenu ziphahlazwe ziphele, lamalathi enu elanga aqunywe, lemisebenzi yenu itshabalaliswe. 7 Lababuleweyo bazakuwa phakathi kwenu, njalo lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi. 8 Kodwa ngizatshiya insali ukuze libe labanye abazaphepha inkemba phakathi kwezizwe lapho lizahlakazekela emazweni. 9 Labaphunyukileyo benu bazangikhumbula phakathi kwezizwe lapho abathunjelwe khona; ngoba ngidabukile ngenxa yenhliziyo yabo ephingayo, esukileyo kimi, langamehlo abo

aphingayo elandela izithombe zabo. Njalo bazazenyanya ngobubi ababenzileyo kuwo wonke amanyala abo. **10** Njalo bazakwazi ukuthi ngiyiNkosi; kangikhulumanga ngeze ukuthi ngizakwenza lokho okubi kubo. **11** Itsho njalo iNkosi uJehova: Tshaya ngesandla sakho, utshaye phansi ngonyawo lwakho, uthi: Maye ngenxa yawo wonke amanyala amabi endlu yakolsrayeli! ngoba bazakuwa ngenkemba, ngendlala, langomatshayabhuqe wesifo. **12** Okhatshana uzakufa ngomatshayabhuqe wesifo, loseduze uzakuwa ngenkemba, loseleyo wavinjezelwa uzakufa yindlala. Ngokunjalo ngizaphelelisa ukufutheka kwami phezu kwabo. **13** Khona lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi, lapho ababuleweyo babo sebephakathi kwezithombe zabo behanqe amalathi abo, phezu kwalo lonke uqaqa olude, ezingqongeni zonke zezintaba, langaphansi kwaso sonke isihlahla esiluhlaza, langaphansi kwalo lonke i-okhi eliqatha, indawo ababenikela khona iphunga elimnandi kuzo zonke izithombe zabo. **14** Ngokunjalo ngizakwelulela isandla sami phezu kwabo, ngenze ilizwe libe lunxiwa, yebo, libe lunxiwa kulenkangala ngaseDibila, kuzo zonke izindawo zabo zokuhlala. Khona bezakwazi ukuthi ngiyiNkosi.

7 Ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: **2** Wena-ke, ndodana yomuntu, itsho njalo iNkosi uJehova kulo ilizwe lakolsrayeli: Isiphetho, isiphetho sesifikile phezu kwamagumbi womane elizwe. **3** Khathesi isiphetho siphezu kwakho, njalo ngizathumela ukuthukuthela kwami phakathi kwakho, ngikwahlulele njengokwezenzo zakho, ngehlixele phezu kwakho wonke amanyala akho. **4** Lelihlo lami kaliyikukuhawukela, kangiyikuyekela, kodwa ngizakwehlisela izindlela zakho phezu kwakho, lamanyala akho azakuba phakathi kwakho. Khona

lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi. 5 Itsho njalo iNkosi uJehova: Ububi, ububi obubodwa, khangela, sebufikile. 6 Isiphetho sesifikile, isiphetho sesifikile, siyakuvukela; khangela, sesifikile. 7 Ukusa sekufikile kuwe, wena mhlali welizwe; isikhathi sesifikile, usuku lwenkathazo luseduze, njalo kungeyisikho ukumemeza ngenjabulo kwezintaba. 8 Khathesi, kuseduze ukuthi ngithululele ulaka lwami phezu kwakho, ngiphelelise intukuthelo yami phakathi kwakho, ngikwahlulele njengokwezindlela zakho, ngehlisele phezu kwakho wonke amanyala akho. 9 Leliho lami kaliyikuhawukela, njalo kangiyikuyekela; ngizanika njengokwezindlela zakho phezu kwakho, lamanyala akho azakuba phakathi kwakho. Khona lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi etshayayo. 10 Khangela usuku, khangela, selufikile; ukusa sekuphumile; intonga ihlumile, ukuziqhenya kukhahlele. 11 Udlakela lusukume lwaba yintonga yobubi; kakuyikusala kubo, hatshi-ke exukwini labo, hatshi-ke okwabo, njalo kakuyikuba khona ukuqhinqa isililo phakathi kwabo. 12 Isikhathi sesifikile, usuku selusondele; umthengi kangathokozi, lomthengisi angalili, ngoba ulaka luphezu kwexuku lonke lalo. 13 Ngoba umthengisi kayikubuyela kokuthengisiweyo, lanxa impilo yabo isesephakathi kwabaphilayo; ngoba umbono mayelana lexuku lonke lalo kawuyikuphenduka; futhi kakulamuntu ongaqinisa impilo yakhe ngesiphambeko sakhe. 14 Baluvuthele uphondo ukuthi balungise konke, kodwa kakho oya empini, ngoba ulaka lwami luphezu kwexuku lalo lonke. 15 Inkemba ingaphandle, lomatshayabhuqe wesifo lendlala kungaphakathi; osegangeni uzakufa ngenkemba, losemzini indlala lomatshayabhuqe wesifo kuzamqeda. 16 Kodwa abaphunyukayo babo bazaphunyuka, babe sezintabeni njengamajuba ezihotsha, bonke belila, ngulowo

lalowo ngenxa yesiphambeko sakhe. 17 Zonke izandla zizaphela amandla, lamadolo wonke ageleze njengamanzi. 18 Njalo bazabhinca amasaka, lovalo luzabembesa, lenhloni zibe sebusweni bonke, lempabanga phezu kwamakhanda abo wonke. 19 Bazalahla isiliva sabo ezitaladeni, legolide labo libe yikungcola; isiliva sabo legolide labo kakuyikuba lakho ukubophula ngosuku lokuthukuthela kweNkosi; kabayikonelisa umphefumulo wabo, bangagcwalisi amathumbu abo; ngoba kuyisikhubekiso sesiphambeko sabo. 20 Lobuhle besiceciso sakhe wabumisa ebukhosini, kodwa benza kubo imifanekiso yokunengekayo kwabo lezinengiso zabo; ngenxa yalokho ngibumise bube yinto engcolileyo kubo. 21 Njalo ngizakunikela esandleni sabezizwe kube yimpango, lakwabakhohlakeleyo bomhlaba kube yimpango, njalo bazakungcolisa. 22 Njalo ngizaphendula ubuso bami busuke kubo, bangcolise indawo yami yensitha; ngoba abaphangi bazangena kuyo, bayingcolise. 23 Yenza iketane, ngoba ilizwe ligcwele amacala egazi, lomuzi ugcwele udlakela. 24 Ngakho ngizaletha ababi bezizwe, abazakudla ilifa lezindlu zabo; ngikwenze kuphele ukuziqhenya kwabalamandla; lendawo zabo ezingcwele zizangcoliswa. 25 Ukwethuka kuyeza; bazadinga-ke ukuthula, kodwa kakuyikuba khona. 26 Incithakalo izakuza phezu kwencithakalo, lombiko ube phezu kombiko; khona bezadinga umbono kumprofethi, kodwa umlayo uzabhubha kumpristi, leseluleko kubadala. 27 Inkosi izalila, lesiphathamandla sembathiswe incithakalo, lezandla zabantu belizwe zizathuthumela. Ngizakwenza kubo ngokwendlela yabo, ngibahlulele ngezahlulelo zabo; khona bezakwazi ukuthi ngiyiNkosi.

8 Kwasekusithi ngomnyaka wesithupha, ngenyanga yesithupha, ngolwesihlanu lwenyanga, ngihlezi endlini yami, labadala bakoJuda behlezi phambi kwami, isandla seNkosi uJehova sawa lapho phezu kwami. **2** Ngasengibona, khangela-ke, umfanekiso onjengokubonakala komlilo; kusukela ekubonakaleni kokhalo lwakhe kusiya phansi, umlilo; futhi kusukela kukhalo lwakhe kusiya phezulu kunjengokubonakala kokukhazimula, njengombala wethusi. **3** Waseselula isimo sesandla, wangithatha ngesihluthu sekhandla lami; uMoya wasengiphakamisela phakathi komhlaba lamazulu, wangiletha eJerusalema emibonweni kaNkulunkulu, esivalweni sesango elingaphakathi, elikhangele ngenyakatho, lapho okwakulesihlalo sesithombe sobukhwele esibanga ubukhwele. **4** Khangela-ke, inkazimulo kaNkulunkulu kalsrayeli yayilapho, injengokubonakala engangikubone esihotsheni. **5** Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, ake uphakamisele amehlo akho ngasendleleni yenyakatho. Ngasengiphakamisela amehlo ami ngasendleleni yenyakatho, khangela-ke, ngasenyakatho kwesango lelathi kwakulalesisithombe sobukhwele entubeni. **6** Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, uyakubona yini abakwenzayo, amanyala amakhulu ewenzayo indlu kalsrayeli lapha, ukuze ngiye khatshana lendawo yami engcwele? Kodwa phenduka futhi, uzabona amanyala amakhulu kulala. **7** Wasengisa emnyango weguma; lapho ngibona, njalo khangela, kwakulesikhala emdulini. **8** Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, ake ugebhe emdulini. Ngathi ngigebha emdulini, khangela-ke kwakulomnyango. **9** Wasesithi kimi: Ngena, ubone izinengiso ezimbi abazenzayo lapha. **10** Ngasengingena, ngabona, khangela-ke, sonke isimo sokuquzelayo lenyamazana ezinengekayo lazo zonke

izithombe zendlu yakolsrayeli, kubaziwe phezu komduli inhlangothi zonke ezizingezeleleyo. **11** Futhi kwakumi phambi kwazo amadoda angamatshumi ayisikhombisa akwabadala bendlu kalsrayeli, loJahazaniya indodana kaShafani emi phakathi kwabo; yileyo laleyo ilodengezi lwayo esandleni sayo, njalo iyezi eliqatha lempepha lenyuka. **12** Wasesithi kimi: Ukubonile yini, ndodana yomuntu, lokho abadala bendlu kalsrayeli abakwenzayo emnyameni, ngulowo emakamelweni emifanekiso yakhe? Ngoba bathi: INkosi kayisiboni; iNkosi iwutshiyile umhlaba. **13** Wasesithi kimi: Phenduka futhi, uzabona izinengiso ezinkulu kakhulu abazenzayo. **14** Wasengisa emnyango wesango lendlu yeNkosi eyayingasenyakatho; khangela-ke, kwakuhlezi abesifazana belilela uTamuzi. **15** Wasesithi kimi: Ubonile yini, ndodana yomuntu? Phenduka futhi, uzabona izinengiso ezinkulu kulalezi. **16** Wasengingenisa egumeni lendlu yeNkosi elingaphakathi; khangela-ke, emnyango wethempeli leNkosi phakathi kwekhulusi lelathi kwakulamadoda phose angaba ngamatshumi amabili lanhlanu, imihlane yawo ingasethempelini leNkosi, lobuso bawo bungasempumalanga; njalo bakhonza ilanga ngasempumalanga. **17** Wasesithi kimi: Ubonile yini, ndodana yomuntu? Kuyinto elula kundlu yakoJuda ukwenza izinengiso abazenzayo lapha yini? Ngoba bagcwalise ilizwe ngobudlwangudlwangu, baphendukele ukungithukuthelisa; khangela-ke, bafaka ugatsha empumulweni yabo. **18** Ngakho lami ngizakwenza ngentukuthelo; ilihlo lami kaliyikuhawukela, futhi kangiyikuyekela; lanxa bekhala endlebeni zami ngelizwi elikhulu, kangiyikubezwa.

9 Wasememeza ezindlebeni zami ngelizwi elikhulu esithi: Yenza ababonisi bomuzi basondele, ngitsho wonke umuntu elesikhali sakhe sokuchitha esandleni sakhe. **2** Khangela-ke,

amadoda ayisithupha eza evela ngendlela yesango eliphezulu elikhangele ngasenyakatho; njalo wonke umuntu elesikhali sakhe sokuphahlaza esandleni sakhe; njalo umuntu oyedwa phakathi kwawo wayegqoke ilembu elicolekileyo, elophondo lweyinki lombhali ngasokhalweni lwakhe; asengena, ema duze kwelathi lethusi. **3** Lenkazimulo kaNkulunkulu kalsrayeli yenyuka isuka ngaphezu kwekherubhi eyayiphezu kwalo, yaya embundwini wendlu; wasememeza umuntu owayegqoke ilembu elicolekileyo owayelophondo lweyinki lombhali okhalweni lwakhe. **4** INkosi yasisithi kuye: Dabula phakathi komuzi, phakathi kweJerusalema, ufake uphawu emabunzini abantu ababubulayo labakhalayo ngenxa yazo zonke izinengiso ezenziwa phakathi kwawo. **5** Lakwabanye yathi endlebeni yami: Dabulani phakathi komuzi emva kwakhe, litshaye, ilihlo lenu lingahawukeli, njalo lingayekeli. **6** Bulalani ngokuchitha abadala, abatsha, lezintombi, labantwana abancinyane, labesifazana; kodwa lingasondeli lakuwuphi umuntu okulophawu phezu kwakhe, liqalise endaweni yami engcwele. Basebeqalisa emadodeni amadala ayephambi kwendlu. **7** Yasisithi kubo: Ngcolisani indlu, ligcwalise amagama ngababuleweyo. Phumani. Basebephuma, babulala emzini. **8** Kwasekusithi besababulala, mina-ke ngasala, ngathi mbo ngobuso bami, ngakhala ngathi: Hawu, Nkosi Jehova! Uzachitha yini yonke insali yakolsrayeli ekuthululeni kwakho intukuthelo yakho phezu kweJerusalema? **9** Khona yathi kimi: Ububi bendlu yakolsrayeli loJuda bukhulu kakhulukazi, lelizwe ligcwele amacala egazi, lomuzi ugcwele ukuphambuka, ngoba bathi: INkosi ilidelile ilizwe, njalo iNkosi kayiboni. **10** Lami-ke ilihlo lami kaliyikuhawukela, njalo kangiyikuyekela; ngizakwehlisela indlela yabo ekhanda labo. **11** Khangela-ke, lowomuntu owayegqoke

ilembu elicolekileyo, owayelophondo lweyinki okhalweni lwakhe, wabuyisela ilizwi esithi: Ngenzile njengoba ungilayile.

10 Ngasengibona, khangela-ke, emkhathini owawungaphezu kwekhanda lamakherubhi kwakulokunjengelitshe lesafire, kunjengokubonakala komfanekiso wesihlalo sobukhosi; kwabonakala phezu kwawo. **2** Wasekhuluma emuntwini ogqoke ilembu elicolekileyo, wathi: Ngena ngaphakathi kwamavili, ngaphansi kwekherubhi, ugcalise intende zezandla zakho ngamalahle omlilo avela phakathi kwamakherubhi, uwahlakaze phezu komuzi. Wasengena phambi kwamehlo ami. **3** Njalo amakherubhi ayemi ngakwesokunene kwendlu, lapho lowomuntu engena; iyezi laseligcwalisa iguma elingaphakathi. **4** Inkazimulo yeNkosi yasiphakama isuka phezu kwekherubhi, phezu kombundu wendlu; indlu yasigcwaliswa liyezi, leguma lagcwala ukukhanya kwenkazimulo yeNkosi. **5** Lomdumo wempiko zamakherubhi wezwakala kwaze kwaba segumeni elingaphandle, njengelizwi likaNkulunkulu uSomandla nxa ekhuluma. **6** Kwasekusithi isimlayile umuntu ogqoke ilembu elicolekileyo isithi: Thatha umlilo phakathi kwamavili, phakathi kwamakherubhi; wangena, wema duze kwevili. **7** Ikherubhi laseliselulela isandla salo sisuka phakathi kwamakherubhi kuwo umlilo owawuphakathi kwamakherubhi, lawuthatha, lawubeka ezandleni zalowo owayembethe ilembu elicolekileyo; owawuthatha waphuma. **8** Kwasekubonakala kiwo amakherubhi isimo sesandla somuntu ngaphansi kwempiko zawo. **9** Ngasengibona, khangela-ke amavili amane eceleni kwamakherubhi, ivili elilodwa eceleni kwelinye ikherubhi, levili elilodwa eceleni kwelinye ikherubhi; lokubonakala kwamavili kwakunjengombala welitshe lebherule. **10** Mayelana lokubonakala kwawo, womane ayelesimo sinye, njengokungathi

livili eliphakathi kwevili. **11** Ekuhambeni kwawo, ahamba ngenhlangothi zawo zozine, awaphendukanga ekuhambeni kwawo, kodwa indawo lapho ikhanda elalikhangele khona, ayilandela, awaphendukanga ekuhambeni kwawo. **12** Lomzimba wawo wonke, lemihlane yawo, lezandla zawo, lempiko zawo, lamavili, kwakugcwele amehlo inhlangothi zonke, amavili azo zozine ezazilawo. **13** Mayelana lamavili, kwamenyezwa kiwo endlebeni zami ukuthi: Vili! **14** Njalo yilelo lalelo lalilobuso obune; ubuso bokuqala babuyibuso bekherubhi, lobuso besibili babuyibuso bomuntu, lobesithathu buyibuso besilwane, lobesine buyibuso belinqe. **15** Amakherubhi aseziphakamisa. Lesi yisidalwa esiphilayo engasibona ngasemfuleni iKebari. **16** Kwathi lapho amakherubhi ehamba, amavili ahamba eceleni kwawo; lalapho amakherubhi ephakamisa impiko zawo ukuze enyuke asuke emhlabeni, lawomavili kawaphendukanga esuka eceleni lawo futhi. **17** Lapho esima, lawo ema; lalapho ephakama, lawo aphakama; ngoba umoya wezidalwa eziphilayo wawukiwo. **18** Inkazimulo yeNkosi yasiphuma yasuka phezu kombundu wendlu, yema phezu kwamakherubhi. **19** Amakherubhi asephakamisa impiko zawo, enyuka esuka emhlabeni phambi kwamehlo ami, lapho ephuma, lamavili lawo ayemaqondana lawo; njalo yilelo lalelo lema emnyango wesango elingasempumalanga kwendlu yeNkosi; lenkazimulo kaNkulunkulu kaIsrayeli yayiphezu kwawo ngaphezulu. **20** Lesi yisidalwa esiphilayo engasibona ngaphansi kukaNkulunkulu kaIsrayeli ngasemfuleni iKebari; ngasengisazi ukuthi ngamakherubhi. **21** Yilelo lalelo lalilobuso obune, lalelo lalelo lilempiko ezine; lesimo sezandla zomuntu singaphansi kwempiko zazo. **22** Lesimo sobuso bawo sasiyibuso engabubona

ngasemfuleni iKebari, ukubonakala kwawo, lawo ngokwawo.
Ahamba, yilelo lalelo ngaphambi kobuso balo.

11 UMoya wasengiphakamisa, wangiletha esangweni lempumalanga lendlu yeNkosi, elikhangele ngempumalanga; khangela-ke, emnyango wesango kwakukhona amadoda angamatshumi amabili lanhlanu; laphakathi kwawo ngabona uJahazaniya indodana kaAzuri, loPelatiya indodana kaBhenaya, iziphathamandla zabantu. **2** Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, lawa ngamadoda acabanga inkohlakalo, aceba iseluleko esibi kulumuzi, **3** athi: Kakuseduze ukwakha izindlu; lumuzi uyimbiza, lathi siyinyama. **4** Ngakho profetha umelene lawo, profetha, ndodana yomuntu. **5** UMoya weNkosi wasewela phezu kwami, wathi kimi: Khuluma uthi: Itsho njalo iNkosi: Litshilo njalo, lina ndlu kaIsrayeli, ngoba izinto ezivela engqondweni yenu, mina ngiyazazi yileyo laleyo yazo. **6** Landisile ababuleweyo benu kulumuzi, lagcwalisa izitalada zawo ngababuleweyo. **7** Ngakho itsho njalo iNkosi uJehova: Ababuleweyo benu elibabeke phakathi kwawo, bona bayinyama, lalo umuzi uyimbiza; kodwa lina ngizalikhupha phakathi kwawo. **8** Liyesabile inkemba, njalo ngizayiletha inkemba phezu kwenu, itsho iNkosi uJehova. **9** Njalo ngizalikhupha phakathi kwawo, ngilinikele esandleni sazezizwe, ngenze izigwebo phakathi kwenu. **10** Lizakuwa ngenkemba, ngiligwebe emngceleni wakolSrayeli; njalo lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi. **11** Lo umuzi kawuyikuba yimbiza yenu, kumbe lina libe yinyama phakathi kwawo; ngizaligweba emngceleni wakolSrayeli. **12** Njalo lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi; ngoba kalihambanga ezimisweni zami, lezahlulelo zami kalizenzanga, kodwa lenze njengokwezahlulelo zezizwe ezilihanqileyo. **13** Kwasekusithi ngisaprofetha, uPelatiya indodana kaBhenaya wafa.

Ngasengisithi mbo ngobuso bami phansi, ngamemeza ngelizwi elikhulu ngathi: Hawu, Nkosi Jehova, uzaqeda ngokupheleleyo yini insali yakolsrayeli? **14** Ilizwi leNkosi lafika kimi futhi lisithi: **15** Ndodana yomuntu, abafowenu, abafowenu, abantu bezihlobo zakho, layo yonke indlu yakolsrayeli, yonke, bayilabo abahlali beJerusalema abathi kubo: Sukani khatshana leNkosi; lelilizwe linikwe thina ukuze libe yilifa. **16** Ngakho wothi: Itsho njalo iNkosi uJehova: Lanxa ngibase khatshana phakathi kwezizwe, njalo lanxa ngibahlakaze phakathi kwamazwe, kanti ngizakuba kubo yindawo engcwele encinyane emazweni abafika kiwo. **17** Ngakho wothi: Itsho njalo iNkosi uJehova: Yebo, ngizaliquqa ezizweni, ngilibuthe emazweni engilihlakazele kiwo, ngilinike ilizwe lakolsrayeli. **18** Njalo bazafika kulo, basuse kulo zonke izinto ezinengekayo zalo lawo wonke amanyala alo. **19** Njalo ngizabanika inhliziyo eyodwa, ngifake umoya omutsha phakathi kwenu, ngikhuphe inhliziyo yelitshe enyameni yabo, ngibanike inhliziyo yenyama; **20** ukuze bahambe ngezimiso zami, bagcine izahlulelo zami bazenze; njalo bazakuba ngabantu bami, lami ngibe nguNkulunkulu wabo. **21** Kodwa labo abanhliziyo yabo ihamba ngokwenhliziyo yezinto zabo ezinengekayo lamanyala abo, ngizakwehlisela indlela yabo phezu kwekhanda labo, itsho iNkosi uJehova. **22** Amakherubhi asephakamisa impiko zawo, lamavili eceleni kwawo; lenkazimulo kaNkulunkulu kalsrayeli yayiphezu kwawo ngaphezulu. **23** Lenkazimulo yeNkosi yenyuka isuka phakathi komuzi, yema phezu kwentaba engasempumalanga komuzi. **24** UMoya wasengiphakamisa, wangisa ngombono ngoMoya kaNkulunkulu eKhaladiya kubo abokuthunjwa. Ngokunjalo umbono engangiwubonile wenyuka

wasuka kimi. 25 Ngasengikhuluma kubo abokuthunjwa wonke amazwi eNkosi eyayingibonise wona.

12 Ilizwi leNkosi lafika futhi kimi lisithi: 2 Ndodana yomuntu, uhlala phakathi kwendlu evukelayo, abalamehlo okubona, kodwa bengaboni, balendlebe zokuzwa, kodwa bengezwa; ngoba bayindlu evukelayo. 3 Ngakho, wena ndodana yomuntu, zenzele impahla yokuthunjwa, usuke emini phambi kwamehlo abo, usuke endaweni yakho uye kwenye indawo phambi kwamehlo abo. Mhlawumbe bazabona lanxa beyindlu evukelayo. 4 Ubusukhupha impahla yakho emini phambi kwamehlo abo njengempahla yokuthunjwa; wena-ke uzaphuma ntambama phambi kwamehlo abo njengabaphuma besiya ekuthunjweni. 5 Uzibhobozele umduli phambi kwamehlo abo, uyikhuphe kiwo. 6 Phambi kwamehlo abo uzayithwala emahlombe, uyikhiphe emnyameni, ugubuzele ubuso bakho ukuze ungaboni umhlabathi; ngoba ngikubeke waba yisibonakaliso kuyo indlu yakolSrayeli. 7 Ngasengisenza ngokunjalo njengokulaywa kwami: Ngakhupha impahla yami emini, njengempahla yokuthunjwa; kwathi kusihlwa ngazibhobozela umduli ngesandla, ngayikhupha emnyameni ngayithwala emahlombe phambi kwamehlo abo. 8 Ekuseni ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: 9 Ndodana yomuntu, kayitshongo yini kuwe indlu kalsrayeli, indlu evukelayo, ukuthi: Wenzani? 10 Tshono kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova: Lo umthwalo umayelana lesiphathamandla eJerusalema, layo yonke indlu kalsrayeli ephakathi kwabo. 11 Wothi: Ngiyisibonakaliso senu; njengoba ngenzile, kuzakwenziwa njalo kubo, bazakuya ekuthunjweni ngokuthunjwa. 12 Njalo isiphathamandla esiphakathi kwabo sizayithwala emahlombe emnyameni, siphume; bazabhoboza umduli ukuze bakhuphe ngawo; sizagubuzela ubuso baso, ukuze

singaboni umhlabathi ngamehlo. 13 Njalo ngizakwendlala imbule lami phezu kwaso, ukuthi sibanjwe emgibeni wami; ngisilethe eBhabhiloni, ilizwe lamaKhaladiya; kanti kasiyikulibona, loba sizafela khona. 14 Labo bonke abasihanqileyo ukuba lusizo lwaso lalo lonke ibutho laso ngizabahlakazela kuwo wonke umoya; ngihwatshe inkemba emva kwabo. 15 Khona bazakwazi ukuthi ngiyiNkosi nxa ngibahlakazela ezizweni, ngibachithachithela emazweni. 16 Kodwa ngizatshiya amadoda amalutshwana kubo asuke enkembeni, endlaleni, lakumatshayabhuqe wesifo, ukuze balandise ngawo wonke amanyala abo phakathi kwezizwe abazafika kizo; njalo bazakwazi ukuthi ngiyiNkosi. 17 Ilizwi leNkosi lafika kimi futhi lisithi: 18 Ndodana yomuntu, dlana isinkwa sakho ngokuqhaq hazela, unathe amanzi akho ngokuthuthumela langokukhathazeka. 19 Ubususithi ebantwini belizwe: Itsho njalo iNkosi uJehova ngabahlali beJerusalema, ngelizwe lakolsrayeli: Bazakudla isinkwa sabo ngokukhathazeka, banathe amanzi abo ngokwesabisayo, ukuze ilizwe labo libe lunxiwa ngokugcwala kwalo ngenxa yodlakela lwabo bonke abahlala kilo. 20 Lemizi okuhlalwa kiyo izakuba ngamanxiwa, lelizwe libe yinkangala; njalo lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi. 21 Ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: 22 Ndodana yomuntu, kuyini lesisaga elilaso elizweni lakolsrayeli esithi: Insuku ziyelulwa, lawo wonke umbono uyabhubha? 23 Ngakho batshele uthi: Itsho njalo iNkosi uJehova: Ngizakwenza lesisaga siphela, njalo kabasayikusisebenzisa njengesaga kolsrayeli; kodwa tshono kubo: Kusondele izinsuku lelizwi lawo wonke umbono. 24 Ngoba kakusayikuba khona lamunye umbono oyize, lokuvumisa okubutshenzezi phakathi kwendlu yakolsrayeli. 25 Ngoba mina Nkosi ngizakhuluma; ilizwi engizalikhuluma lizakwenzeka, kalisayikuphuziswa; ngoba

ezinsukwini zenu, lina ndlu evukelayo, ngizakhuluma ilizwi, ngilenze, itsho iNkosi uJehova. 26 Lafika futhi kimi ilizwi leNkosi lisithi: 27 Ndodana yomuntu, khangela, abendlu yakolsrayeli bathi: Umbono awubonayo ungowensuku ezinengi, njalo uprofetha ngezikhathi ezikhatshana. 28 Ngakho uthi kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova: Kakusayikuphuziswa lelilodwa lamazwi ami, kodwa ilizwi engizalikhuluma lizakwenzeka, itsho iNkosi uJehova.

13 Ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: 2 Ndodana yomuntu, profetha umelene labaprofethi bakolsrayeli abaprofethayo, utsho kubo abaprofetha okwenhliziyo yabo: Zwanini ilizwi leNkosi. 3 Itsho njalo iNkosi uJehova: Maye kubaprofethi abayizithutha, abalandela umoya wabo, abangabonanga lutho! 4 Israyeli, abaprofethi bakho banjengamakhanka emanxiweni. 5 Kalenyukelanga ezikhaxeni, kumbe libiyele indlu kalsrayeli uthango ukuze ime empini ngosuku lweNkosi. 6 Babone okuyize, lokuvumisa kwamanga, abathi: INkosi ithi; kanti iNkosi ingabathumanga; bathemba ekuqiniseni kwelizwi. 7 Kalibonanga yini umbono oyize njalo likhulume ukuvumisa okungamanga yini? Kanti lithi: INkosi ithi; kodwa mina ngingakhulumanga. 8 Ngakho itsho njalo iNkosi uJehova: Ngoba likhulume okuyize, labona amanga, ngakho, khangelani, ngimelene lani, itsho iNkosi uJehova. 9 Njalo isandla sami sizakuba phezu kwabaprofethi ababona okuyize, labavumisa amanga; kabayikuba senhlanganweni yabantu bami, futhi kabayikubhalwa embhalweni wendlu yakolsrayeli, futhi kabayikungena elizweni lakolsrayeli; njalo lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi uJehova. 10 Ngoba, yebo ngoba beduhise abantu bami, besithi: Ukuthula; khona kungelakuthula; kwathi omunye wakha umduli ongaqinanga, khangela-ke, abanye

bawubhada ngodaka olungalunganga. **11** Tshono kulabo abawubhada ngekalaga ukuthi uzakuwa. Kuzakuba khona izulu elikhukulayo; lawe, matshe amakhulu esiqhotho, uzakuwa, lomoya wesiphepho uwuqhekeze. **12** Khangela-ke, nxa umduli usuwile, kakuyikutshiwo yini kini ukuthi: Lungaphi udaka elalibhade ngalo? **13** Ngakho itsho njalo iNkosi uJehova: Ngizawuqhekeza ngomoya wesiphepho ekuthukutheleni kwami, kube khona izulu elikhukulayo ngolaka lwami, lamatshe esiqhotho ngentukuthelo yami ukuwuqeda. **14** Ngokunjalo ngizadiliza umduli eliwubhade ngekalaga, ngiwuwisele emhlabathini, ukuze kwembuleke isisekelo sawo, uwe; njalo lizaqedwa phakathi kwawo; njalo lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi. **15** Ngokunjalo ngizaphelelisa ulaka lwami emdulini laphezu kwalabo abawubhade ngekalaga, besengisithi kini: Umduli kawusekho, lalabo abawubhadayo kabakho; **16** okutsho abaprofethi baIsrael abaprofetha ngeJerusalema, labayibonela umbono wokuthula, kanti kungelakuthula, itsho iNkosi uJehova. **17** Wena-ke ndodana yomuntu, misa ubuso bakho bumelene lamadodakazi abantu bakho, abaprofetha okuvela enhliziyweni yabo, uprofethe umelene labo. **18** Ubususithi: Itsho njalo iNkosi uJehova: Maye kwabesifazana abathungela izigqizo kuzo zonke izihlakala, abenza izimbombozo ezinde phezu kwekhanda labo bonke ubude, ukuze bazingele imiphefumulo! Lizazingela imiphefumulo yabantu bami yini, njalo lizazingcina imiphefumulo iphila yini? **19** Futhi lizangingcolisa yini phakathi kwabantu bami ngenxa yezandla ezigcwele ibhali, langenxa yezincezu zezinkwa, ukuthi libulale imiphefumulo ebingayikufa, lokuthi ligcine iphila imiphefumulo ebingayikuphila, ngokuqamba amanga kwenu ebantwini bami abalalela amanga?

20 Ngalokho itsho njalo iNkosi uJehova: Khangelani, ngimelene lezigqizo zenu, elizingela ngazo lapho imiphefumulo liyenza iphaphe; ngizaziqamula engalweni zenu, ngiyekele imiphefumulo ihambe, ngitsho imiphefumulo eliyizingelayo liyenza iphaphe. 21 Lezimbombozo zenu ezinde ngizazidabula, ngophule abantu bami esandleni senu, ukuthi bengasayikuba sesandleni senu ukuba yimpango; njalo lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi. 22 Ngoba lidanisile inhliziyoyolungileyo ngamanga, engingamdabukisanga mina, langoba laqinisa izandla zomubi ukuze angaphenduki endleleni yakhe embi, ukumgcina ephila. 23 Ngakho kalisayikubona okuyize njalo kaliyikuvumisa okuvunyiswayo; ngoba ngizakophula abantu bami esandleni senu; beselisazi ukuthi ngiyiNkosi.

14 Kwasekufika kimi abanye babadala baKalsrayeli, bahlala phambi kwami. 2 Ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: 3 Ndodana yomuntu, lamadoda amise izithombe zawo enhliziyweni yawo, abeka isikhubekiso sesiphambeko sawo phambi kobuso bawo: Ngingabuzwa yiwo ngeqiniso yini? 4 Ngakho khuluma lawo, uthi kuwo: Itsho njalo iNkosi uJehova: Wonke umuntu wendlu kaKalsrayeli omisa izithombe zakhe enhliziyweni yakhe, abeke isikhubekiso sesiphambeko sakhe phambi kobuso bakhe, abesesiza kumprofethi, mina iNkosi ngizamphendula njengobunengi bezithombe zakhe; 5 ukuze ngibambe indlu kaKalsrayeli ngenhliziyoyabo, ngoba bonke bazenze abemzini kimi ngezithombe zabo. 6 Ngakho tshono kuyo indlu kaKalsrayeli: Itsho njalo iNkosi uJehova: Phendukani, lifulathele izithombe zenu, lifulathelise ubuso benu kuzo zonke izinengiso zenu. 7 Ngoba ngulowo lalowo wendlu kaKalsrayeli, kumbe owezizweni ohlala kaKalsrayeli njengoweziwe ozehlukanisa ekungilandeleni, amise izithombe zakhe enhliziyweni yakhe, abeke isikhubekiso sobubi

bakhe phambi kobuso bakhe, eze kumprofethi ukubuza kuye ngami; mina Nkosi ngizamphendula ngokwami. **8** Ngizamisa ubuso bami ngimelane lalowomuntu, ngimenze abe yisibonakaliso lezaga, ngimqume asuke phakathi kwabantu bami; lizakwazi-ke ukuthi ngiyiNkosi. **9** Futhi uba umprofethi ekhohliseka, nxa ekhulume ilizwi, mina Nkosi ngimkhohlisile lowomprofethi; njalo ngizakwelulela isandla sami phezu kwakhe, ngimbhubhise asuke phakathi kwabantu bami ulsrayeli. **10** Njalo bazathwala icala labo. Njengecala lobuzayo lizakuba njalo icala lomprofethi; **11** ukuze indlu kalsrayeli ingabe isaphambuka ekungilandeleni, futhi ingabuyi izingcolise ngeziphambeko zabo zonke, kodwa ukuthi babe ngabantu bami, lami ngibe nguNkulunkulu wabo, itsho iNkosi uJehova. **12** Ilizwi leNkosi lafika kimi futhi lisithi: **13** Ndodana yomuntu, lapho ilizwe lisona kimi ngokuphambeka okukhulu, ngizakwelulela isandla sami phezu kwalo, ngephule udondolo lwesinkwa salo, ngithume indlala kulo, ngiqume kulo umuntu lenyamazana; **14** lanxa lamadoda amathathu, oNowa, uDanyeli, loJobe, ayephakathi kwalo, wona ayezakhulula umphefumulo wawo wodwa ngokulunga kwawo, itsho iNkosi uJehova. **15** Uba ngidabulisa izilo ezimbi elizweni, zenze lifelwe ngabantwana, lize libe lunxiwa, kuze kungabi khona odlulayo ngenxa yezilo, **16** loba lamadoda amathathu abephakathi kwalo, kuphila kwami, itsho iNkosi uJehova, abengayikukhulula amadodana kumbe amadodakazi; wona wodwa abezakhululwa, kodwa ilizwe libe lunxiwa. **17** Kumbe uba ngisehlisela inkemba phezu kwalelolizwe ngithi: Nkemba, dabula phakathi kwelizwe, ukuze ngiqume ngisuse kulo umuntu lenyamazana; **18** loba lamadoda amathathu abephakathi kwalo, kuphila kwami, itsho iNkosi uJehova, abengayikukhulula amadodana kumbe amadodakazi,

profetha uthi kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova: Khangelani, ngizavula amangcwaba enu, ngilikhuphule emangcwabeni enu, lina bantu bami, ngilise elizweni lakolrayeli. **13** Khona lizakwazi ukuthi ngiyiNkosi, lapho ngivula amangcwaba enu, ngilikhuphule emangcwabeni enu, lina bantu bami. **14** Besengifaka umoya wami kini, liphile, besengilibeka elizweni lenu; khona lizakwazi ukuthi mina Nkosi ngikhulumile, ngakwenza, itsho iNkosi. **15** Ilizwi leNkosi lafika kimi futhi lisithi: **16** Wena-ke ndodana yomuntu, zithathele intonga eyodwa, ubhale phezu kwayo uthi: EkaJuda, leyabantwana bakolrayeli abangane bakhe; ubusuthatha enye intonga, ubhale phezu kwayo uthi: EkaJosefa, intonga kaEfrayimi, layo yonke indlu kolrayeli abangane bakhe. **17** Ubusuzisondeza, enye kwenye kuwe, zibe yintonga eyodwa; njalo zizakuba ngeyodwa esandleni sakho. **18** Lalapho abantwana babantu bakini bekhuluma kuwe besithi: Kawuyikusitshela yini ukuthi lezi ziyini kuwe? **19** Tshono kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova: Khangela, ngizathatha intonga kaJosefa, esesandleni sikaEfrayimi, lezizwe zakolrayeli abangane bakhe, ngizibeke kuyo, kuyo intonga kaJuda, ngizenze zibe yintonga eyodwa, zibe ngeyodwa esandleni sami. **20** Njalo izintonga obhale kizo zizakuba sesandleni sakho phambi kwamehlo abo. **21** Ubususithi kubo: Itsho njalo iNkosi uJehova: Khangelani, ngizathatha abantwana bakolrayeli phakathi kwezizwe, abaye kizo, ngibabuthe inhlangothi zonke, ngibalethe elizweni labo; **22** ngibenze babe yisizwe esisodwa elizweni phezu kwezintaba zakolrayeli; njalo inkosi eyodwa izakuba yinkosi yabo bonke; njalo kabasayikuba yizizwe ezimbili, kabasayikwehlukaniswa babe yimibuso emibili futhi. **23** Kabasayikuzingcolisa ngezithombe zabo, langamanyala abo, langasiphi seziphambeko zabo; kodwa

ngizabasindisa baphume kuzo zonke indawo zabo zokuhlala, abona kizo, ngibahlambulule. Ngalokho bazakuba ngabantu bami, lami ngibe nguNkulunkulu wabo. **24** Njalo inceku yami uDavida izakuba yinkosi phezu kwabo; labo bonke bazakuba lomalusi munye; futhi bazahamba kuzahlulelo zami, bagcine izimiso zami, bazenze. **25** Bahlale elizweni engalinika inceku yami uJakobe, ababehlala kulo oyihlo, yebo, bazahlala kulo, bona, labantwana babo, labantwana babantwana babo, kuze kube phakade. Futhi uDavida inceku yami uzakuba yisiphathamandla sabo kuze kube phakade. **26** Futhi ngizakwenza isivumelwano sokuthula labo; sizakuba yisivumelwano esilaphakade labo; ngibamise, ngibandise, ngibeke indawo yami engcwele phakathi kwabo kuze kube phakade. **27** Ithabhanekela lami lalo lizakuba kubo, njalo ngizakuba nguNkulunkulu wabo, labo bazakuba ngabantu bami. **28** Lezizwe zizakwazi ukuthi mina Nkosi ngenza ulsrayeli abe engcwele, nxa indawo yami engcwele izakuba phakathi kwabo kuze kube phakade.

38 Ilizwi leNkosi laselifika kimi lisithi: **2** Ndodana yomuntu, misa ubuso bakho bumelene loGogi, ilizwe likaMagogi, isiphathamandla esiyinhloko yeMesheki leThubhali, uprofethe umelene laye, **3** uthi: Itsho njalo iNkosi uJehova: Khangela, ngimelene lawe, wena Gogi isiphathamandla esiyinhloko yeMesheki leThubhali. **4** Njalo ngizakuphendula, ngifake izingwegwe emihlathini yakho, ngikukhuphe wena lebutso lakho lonke, amabhiza labagadi bamabhiza, bonke begqoke bephelele, ixuku elikhulu elilomhawu lesihlangu, bonke bephethe izinkemba. **5** IPerisiya, iEthiophiya, lePuti ilabo; bonke belesihlangu lengowane. **6** IGomeri lamaviyo ayo wonke, indlu kaTogarima ezinhlangothini zenyakatho, lamaviyo ayo wonke; abantu

abanengi kanye lawe. **7** Lunga, uzilungisele, wena lexuku lakho lonke elibuthene kuwe, ube ngumgcini wabo. **8** Emva kwensuku ezinengi uzahanjelwa; ekucineni kweminyaka uzakuza elizweni elabuyiswa enkembeni, elabuthwa ezizweni ezinengi, ngasezintabeni zakolsrayeli, ezaziyincithakalo njalonjalo. Kodwa selikhutshwe emazweni, njalo bazahlala bevikelekile bonke. **9** Khona uzakwenyuka, uze njengesiphapho, ube njengeyezi lokusibekela umhlaba, wena, lawo wonke amaviyo akho, labantu abanengi kanye lawe. **10** Itsho njalo iNkosi uJehova: Kuzakuthi-ke ngalolosuku kuvele izinto enhliziyweni yakho, unakane icebo elibi, **11** uthi: Ngizakwenyukela elizweni lemizi engabiyelwanga; ngizakuya kwabalokuthula, abahlezi bevikelekile, bonke behlezi bengelamduli, bengelamgoqo lezivalo, **12** ukuphanga impango, lokubamba okubanjweyo; ukuphendulela isandla sakho phezu kwezindawo ezingamanxiwa esezihlalwa, laphezu kwabantu ababuthwe ezizweni, abazuze izifuyo lempahla, abahlala enkabeni yelizwe. **13** IShebha, leDedani, labathengiselani beTarshishi, lazo zonke izilwane zayo ezintsha, kuzakuthi kuwe: Ufike yini ukuzaphanga impango? Ixuku lakho ulibuthanisele ukubamba okubanjweyo yini, ukususa isiliva legolide, ukuthatha izifuyo lempahla, ukuphanga impango enkulu yini? **14** Ngakho, profetha, ndodana yomuntu, uthi kuGogi: Itsho njalo iNkosi uJehova: Ngalolosuku, mhla abantu bami ulsrayeli behlezi ngokuvikeleka, kawuyikukwazi yini? **15** Khona uzakuza uvele endaweni yakho, ezinhlangothini zenyakatho, wena, labantu abanengi kanye lawe, bonke begade amabhiza, ixuku elikhulu, lebuthe elilamandla. **16** Njalo uzakwenyuka umelane labantu bami ulsrayeli, njengeyezi elisibekela umhlaba. Kuzakwenzeka ekucineni kwezinsuku, ngikuse umelane lelizwe lami, ukuze

izizwe zingazi, lapho ngizangcweliswa kuwe, wena Gogi, phambi kwamehlo azo. **17** Itsho njalo iNkosi uJehova: Unguwe yini engakhuluma ngaye ensukwini zasendulo ngesandla sezinceku zami abaprofethi bakolsrayeli, abaprofetha ngalezonsuku okweminyaka eminengi ukuthi ngizakuletha umelane labo? **18** Kuzakuthi-ke ngalolosuku mhla uGogi ezakuza ukumelana lelizwe lakolsrayeli, itsho iNkosi uJehova, ulaka lwami luvuke ebusweni bami. **19** Ngoba ebukhweleni bami lemlilweni wolaka lwami ngathi: Isibili ngalolosuku kuzakuba khona ukuzamazama okukhulu elizweni lakolsrayeli. **20** Ukuze kuthuthumele ebukhoneni bami izinhlanzi zolwandle, lenyoni zamazulu, lenyamazana zeganga, lazo zonke izinto ezihuquzelayo, ezihuquzela emhlabathini, labo bonke abantu abasebusweni bomhlaba, lezintaba zizawiselwa phansi, lamawa azawela phansi, lawo wonke umduli uwele emhlabathini. **21** Njalo ngizabiza inkemba imelane laye kuzo zonke izintaba zami, itsho iNkosi uJehova; inkemba yalowo lalowomuntu izamelana lomfowabo. **22** Futhi ngizamehlulela ngomatshayabhuqe wesifo langegazi; nginise phezu kwakhe, laphezu kwamaxuku akhe, laphezu kwezizwe ezinengi ezilaye, izulu elikhukhulayo, lamatshe esiqhotho, umlilo, lesolufa. **23** Ngalokho ngizazikhulisa ngizingcwelise, ngaziwe phambi kwamehlo ezizwe ezinengi; khona bazakwazi ukuthi ngiyiNkosi.

39 Wena-ke ndodana yomuntu, profetha umelene loGogi, uthi: Itsho njalo iNkosi uJehova: Khangela, ngimelane lawe, wena Gogi, siphathamandla esiyinhloko seMesheki leThubhali. **2** Ngizakutshibilikisa, ngitshiye ingxenye yesithupha, ngikwenze wenyuke uvela emaceleni enyakatho, ngikulethe phezu kwezintaba zakolsrayeli. **3** Besengitshaya idandili lakho lisuke esandleni sakho sokhohlo, ngenze imitshoko yakho iwe

esandleni sakho sokunene. 4 Uzawela phezu kwezintaba zakolsrayeli, wena, lamaviyo akho wonke, labantu abalawe. Ngizakunikela enyonini ezidla inyama, enyonini zalo lonke uphiko, lakuzilo zeganga, ube yikudla. 5 Uzawela ebusweni bomhlaba, ngoba mina ngikhulumile, itsho iNkosi uJehova. 6 Njalo ngizathumela umlilo kuMagogi, laphakathi kwabahlala ngokonwaba ezihlengeni. Khona bazakwazi ukuthi ngiyiNkosi. 7 Njalo ngizakwenza ukuthi ibizo lami elingcwele laziwe phakathi kwabantu bami ulsrayeli; kangisayikungcolisa ibizo lami elingcwele; lezizwe zizakwazi ukuthi ngiyiNkosi, oyiNgcwele kolsrayeli. 8 Khangelani, sekufikile sekwenzakele, itsho iNkosi uJehova; yilo lolusuku engakhuluma ngalo. 9 Labahlali bemizi yakolsrayeli bazaphuma, batshise baphembe umlilo ngezikhali, lezihlangu ezinkulu lamahawu, ngamadandili, langemithshoko, langezinduku zesandla, langemikhonto, baphembe umlilo ngakho iminyaka eyisikhombisa; 10 ukuze bangathezi izinkuni egangeni, bangagamuli emaguswini; ngoba bazaphemba umlilo ngezikhali; baphange labo ababaphangayo, bemuke ababemukayo, itsho iNkosi uJehova. 11 Kuzakuthi-ke ngalolosuku, ngiphe uGogi lapho indawo yengcwaba kolsrayeli, isihotsha sabadluli empumalanga kolwandle, esizavimbela abadluli. Lalapho bazangcwaba uGogi lexuku lakhe lonke; basibize ngokuthi yisiHotsha sexuku likaGogi. 12 Njalo indlu yakolsrayeli izabangcwaba, ukuze bahlambulule ilizwe, okwenyanga eziyisikhombisa. 13 Yebo bonke abantu belizwe bazabangcwaba, kube libizo kubo ngosuku engizadunyiswa ngalo, itsho iNkosi uJehova. 14 Njalo bazakwehlukana amadoda ahlezi edabula phakathi kwelizwe ukuyangcwaba, labedlulayo, labo abaseleyo ebusweni belizwe, ukuze balihlambulule. Ekupheleni kwenyanga eziyisikhombisa

bazahlola. 15 Labeledlulayo bazadlula phakathi kwelizwe, lapho bebona ithambo lomuntu, uzakwakha isibonakaliso phansi kwalo, baze abangcwabi balingcwabe esihotsheni sexuku likaGogi. 16 Futhi lebizu lomuzi lizakuba yiHamona. Ngokunjalo bazahlambulula ilizwe. 17 Wena-ke, ndodana yomuntu, itsho njalo iNkosi uJehova: Tshono enyonini yalo lonke uphiko, lakuyo yonke inyamazana yeganga: Zihlanganiseni, lize, libuthane livele inhlangothi zonke kumhlatsshelo wami engiwuhlebele lina, umhlatsshelo omkhulu phezu kwezintaba zakolSrayeli, ukuze lidle inyama linathe igazi. 18 Lizakudla inyama yamaqhawe, linathe igazi leziphathamandla zomhlaba, elezingama, elamawundlu, lelezimbuzi, elamajongosi, konke kungokunonisiweyo kweBashani. 19 Njalo lizakudla amafutha lize lisuthe, linathe igazi lize lidakwe, ngomhlatsshelo wami engilihlebele wona. 20 Ngokunjalo lizasutha etafuleni lami ngamabhiza lezinqola, ngamaqhawe, langawo wonke amadoda empi, itsho iNkosi uJehova. 21 Njalo ngizamisa inkazimulo yami phakathi kwezizwe; lezizwe zonke zizabona isahlulelo sami engisenzileyo, lesandla sami engisibeke phezu kwabo. 22 Ngokunjalo abendlu kalsrayeli bazakwazi ukuthi ngiyiNkosi uNkulunkulu wabo kusukela ngalolosuku kusiya phambili. 23 Lezizwe zizakwazi ukuthi abendlu kalsrayeli bathunjwa ngenxa yobubi bayo; ngenxa yokuthi baphambuka bemelene lami ngakho ngafihla ubuso bami kubo, ngabanikela esandleni sezitha zabo; ngokunjalo bonke bawa ngenkemba. 24 Ngabaphatha njengokokungcola kwabo lanjengokweziphambeko zabo, ngafihla ubuso bami kubo. 25 Ngakho itsho njalo iNkosi uJehova: Khathesi ngizabuyisa abathunjwa bakaJakobe, ngibe lesihawu phezu kwayo yonke indlu kalsrayeli, ngibe lobukhwele ngebizo

lami elingcwele. **26** Sebethwele ihlazo labo, laso sonke isiphambeko sabo abaphambeke ngaso bemelene lami, lapho bahlala bevikelekile elizweni labo, engekho obethusayo. **27** Sengibabuyisile bevela ebantwini, ngabaqoqa bevela emazweni ezitha zabo, ngangcweliswa kubo emehlweni ezizwe ezinengi. **28** Khona bazakwazi ukuthi ngiyiNkosi uNkulunkulu wabo, engenza ukuthi bakhokhelelwe ekuthunjweni phakathi kwezizwe; kodwa ngizabaqoqela elizweni lakibo, kangisayikutshiya lamunye wabo khona. **29** Njalo kangisayikufihla ubuso bami kubo, ngoba ngithululele umoya wami phezu kwendlu kalsrayeli, itsho iNkosi uJehova.

40 Ngomnyaka wamatshumi amabili lanhlanu wokuthunjwa kwethu, ekuqaliseni komnyaka, ngolwetshumi lwenyanga, ngomnyaka wetshumi lane emva kokuthi umuzi usutshayiwe, ngalona lolosuku isandla seNkosi saba phezu kwami, wangiletha lapho. **2** Ngemibono kaNkulunkulu wangisa elizweni lakolsrayeli, wangibeka phezu kwentaba ende kakhulu; njalo eceleni kwayo kwakulokunjengesakhiwo somuzi ngaseningizimu. **3** Wasengiletha khona, khangela-ke, kwakulomuntu osimo sakhe sasinjengesimo sethusi, elentambo yefilakisi esandleni sakhe, lomhlanga wokulinganisa; wema-ke esangweni. **4** Lowomuntu wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, bona ngamehlo akho, uzwe ngendlebe zakho, ubeke inhliziyi yakho phezu kwakho konke engizakutshengisa khona; ngoba ulethwe lapha ukuze ngikutshengise khona. Landisa konke okubonayo kuyo indlu yakolsrayeli. **5** Khangela-ke, kwakulomduli ngaphandle kwendlu ozingelezeleyo inhlangothi zonke, lesandleni somuntu kwakulomhlanga wokulinganisa wezingalo eziyisithupha, ngengalo lobubanzi besandla. Waselinganisa ububanzi

besakhiwo, baba ngumhlanga owodwa, lokuphakama, kwaba ngumhlanga owodwa. 6 Wasesiza esangweni elikhangele indlela yempumalanga, wakhwela ngezinyathelo zalo, walinganisa umbundu wesango, ububanzi baba ngumhlanga owodwa, lomunye umbundu, ububanzi baba ngumhlanga owodwa. 7 Njalo yilelo lalelokamelo, ubude baba ngumhlanga owodwa, lobubanzi baba ngumhlanga owodwa; laphakathi kwamakamelo kwaba yizingalo ezinhlanu; lombundu wesango ngasekhulusini lesango ngaphakathi waba ngumhlanga owodwa. 8 Walinganisa lekhulusi lesango ngaphakathi, laba ngumhlanga owodwa. 9 Waselinganisa ikhulusi lesango, laba yizingalo eziyisificaminwembili; lemigubazi yawo, yaba zingalo ezimbili; lekhulusi lesango lalingaphakathi. 10 Lamakamelo esango ngendlela yempumalanga ayemathathu ngapha lamathathu ngapha; njalo womathathu ayelesilinganiso sinye; lemigubazi yayilesilinganiso sinye ngapha langapha. 11 Waselinganisa ububanzi bentuba yesango, baba yizingalo ezilitshumi; ubude besango, baba yizingalo ezilitshumi lantathu. 12 Lomkhawulo phambi kwamakamelo wawuyingalo eyodwa ngapha, lomkhawulo wengalo eyodwa ngapha; lekamelo laliyizingalo eziyisithupha ngapha, lezingalo eziyisithupha ngapha. 13 Waselinganisa isango kusukela ephahleni lwelinye ikamelo kusiya ephahleni lwelinye; ububanzi babuzingalo ezingamatshumi amabili lanhlano, umnyango phambi komnyango. 14 Wenza futhi imigubazi yaba zingalo ezingamatshumi ayisithupha, ngitsho kuze kube semgubazini weguma inhlangothi zonke zesango zizingezele. 15 Njalo kusukela ebusweni besango lokungena kuze kube sebusweni bekhulusi lesango elingaphakathi kwaba zingalo ezingamatshumi amahlanu. 16 Futhi kwakulamawindi avaliweyo emakamelweni, lasemigubazini yawo ngaphakathi

kwesango inhlangothi zonke azingezezeleyo; langokunjalo amakhulusi; lamawindi inhlangothi zonke azingezezeleyo ngaphakathi; laphezu kwemigubazi kwakulezihlahla zelala.

17 Wasengingenisa egumeni elingaphandle, khangela-ke, kwakulamakamelo, lendawo egandelweyo eyenzelwe iguma inhlangothi zonke ezingezezeleyo; kwakulamakamelo angamatshumi amathathu phezu kwendawo egandelweyo.

18 Lendawo egandelweyo yayingasemasangweni maqondana lobude bamasango; kwakuyindawo egandelweyo engaphansi.

19 Waselinganisa ububanzi, kusukela ngaphambi kwesango elingaphansi kusiya ngaphambi kweguma elingaphakathi ngaphandle, kwaba yizingalo ezilikhulu, ngasempumalanga langasenyakatho. 20 Lesango elikhangele indlela yenyakatho, kulo iguma elingaphandle, walinganisa ubude balo lobubanzi balo. 21 Lamakamelo alo ayemathathu ngapha, njalo emathathu ngapha; lemigubazi yalo lamakhulusi alo kwakunjengesilinganiso sesango lokuqala. Ubude balo babuzingalo ezingamatshumi amahlanu, lobubanzi buzingalo ezingamatshumi amabili lanhlanu. 22 Lamawindi alo lamakhulusi alo lezihlahla zalo zelala kwakunjengesilinganiso sesango elikhangele indlela yempumalanga. Njalo benyukela kilo ngezinyathelo eziyisikhombisa; lamakhulusi alo ayephambi kwakho. 23 Lesango leguma elingaphakathi lalimaqondana lesango elingasenyakatho langasempumalanga. Waselinganisa kusukela esangweni kusiya esangweni, kwaba zingalo ezilikhulu. 24 Emva kwalokho wangiletha ngendlela yeningizimu, khangela-ke, kwakukhona isango ngasendleleni yeningizimu; waselinganisa imigubazi yalo lamakhulusi alo njengokwalezilinganiso. 25 Kwakukhona amawindi kilo lakuwo amakhulusi alo azingezezeleyo

inhlangothi zonke, njengalawomawindi. Ubude babuzingalo ezingamatshumi amahlanu, lobubanzi buzingalo ezingamatshumi amabili lanhlanu. **26** Kwakukhona izinyathelo eziyisikhombisa zokwenyukela kilo, lamakhulusi alo ayephambi kwazo; njalo lalilezihlahla zelala, esinye ngapha, lesinye ngapha, phezu kwemigubazi yalo. **27** Kwakukhona isango egumeni elingaphakathi ngendlela yeningizimu; waselinganisa kusukela esangweni kusiya esangweni ngendlela yeningizimu, kwaba zingalo ezilikhulu. **28** Wasengiletha egumeni elingaphakathi ngesango leningizimu, walinganisa isango leningizimu njengokwezilinganiso lezi. **29** Lamakamelo alo lemigubazi yalo lamakhulusi alo kwakunjengokwezilinganiso lezi. Njalo kwakukhona amawindi kilo lakuwo amakhulusi alo inhlangothi zonke azingezeleleyo. Lobude babuyizingalo ezingamatshumi amahlanu, lobubanzi babuzingalo ezingamatshumi amabili lanhlanu. **30** Kwakulamakhulusi azingezeleleyo inhlangothi zonke; ubude babuzingalo ezingamatshumi amabili lanhlanu, lobubanzi babuzingalo ezinhlanu. **31** Lamakhulusi alo aba ngasegumeni elingaphandle, lezihlahla zelala zaziphezu kwemigubazi yalo, lokwenyukela kilo kwakulezinyathelo eziyisificaminwembili. **32** Wasengiletha egumeni elingaphakathi ngasendleleni yempumalanga; walinganisa isango njengokwezilinganiso lezi. **33** Lamakamelo alo lemigubazi yalo lamakhulusi alo kwakunjengokwezilinganiso lezi; kwakukhona amawindi kilo lakuwo amakhulusi alo inhlangothi zonke kuzingezele. Ubude babuzingalo ezingamatshumi amahlanu, lobubanzi babuzingalo ezingamatshumi amabili lanhlanu. **34** Lamakhulusi alo ayengasegumeni elingaphandle; lezihlahla zelala zazisemigubazini yalo, ngapha langapha; lokwenyukela

kilo kwakulezinyathelo eziyisificaminwembili. **35** Wasengisa esangweni elingenyakatho, walinganisa njengezilinganiso lezi.

36 Amakamelo alo, imigubazi yalo, lamakhulusi alo, lamawindi ayekulo inhlangothi zonke azingelezeleyo; ubude babuzingalo ezingamatshumi amahlanu, lobubanzi buzingalo ezingamatshumi amabili lanhlanu. **37** Lemigubazi yalo yayingasegumeni elingaphandle, lezihlahla zelala zazisemigubazini yalo, ngapha langapha; lokwenyukela kilo kwakulezinyathelo eziyisificaminwembili. **38** Njalo amakamelo leminyango yalo kwakungasemigubazini yamasango; lapho babegezisela umnikelo wokutshiswa. **39** Lekhulusini lesango kwakukhona amatafula amabili ngapha, lamatafula amabili ngapha, ukuhlabela phezu kwawo umnikelo wokutshiswa lomnikelo wesono lomnikelo wecala. **40** Laseceleni ngaphandle ekwenyukeleni kuso isivalo sesango lenyakatho kwakulamatafula amabili, laseceleni elinye elingasekhulusini lesango kwakulamatafula amabili. **41** Amatafula amane ngapha, lamatafula amane ngapha, ngaseceleni kwesango; amatafula ayisificaminwembili, ababehlabela phezu kwawo. **42** Lamatafula amane omnikelo wokutshiswa awamatshe abaziweyo; ubude babuyingalo eyodwa lengxenye, lobubanzi babuyingalo eyodwa lengxenye, lokuphakama kwakuyingalo eyodwa. Phezu kwawo babeka izikhali abahlaba ngazo umnikelo wokutshiswa lomhlatshelo.

43 Kwakulezingwegwe, eziyibubanzi besandla sinye, zimisiwe ngaphakathi inhlangothi zonke ezizingelezeleyo; laphezu kwamatafula kwakulenyama yomnikelo. **44** Langaphandle kwesango elingaphakathi kwakulamakamelo abahlabeleli egumeni elingaphakathi, elaliseceleni kwesango elisenyakatho, lokukhangela kwalo kusendleleni yeningizimu; elilodwa liseceleni

kwesango eliseningizimu, likhangele ngasendleleni yenyakatho. **45** Wasesithi kimi: Lelikamelo okukhangela kwalo kusendleleni yeningizimu, lingelabapristi, abagcina umlindo wendlu. **46** Lekamelo okukhangela kwalo kusendleleni yenyakatho lingelabapristi, abagcina umlindo welathi. La ngamadodana kaZadoki phakathi kwamadodana kaLevi, asondela eNkosini ukuyikhonza. **47** Waselinganisa iguma; ubude baba zingalo ezilikhulu, lobubanzi baba zingalo ezilikhulu, lilingene inhlangothi zozine; lelathi laliphambi kwendlu. **48** Wasengiletha ekhulusini lendlu, walinganisa umgubazi wekhulusi, izingalo ezinhlanu ngapha lezingalo ezinhlanu ngapha, lobubanzi besango, izingalo ezintathu ngapha, lezingalo ezintathu ngapha. **49** Ubude bekhulusi babuzingalo ezingamatshumi amabili, lobubanzi buzingalo ezilitshumi lanye; wasengiletha ngezinyathelo abenyukela kulo ngazo; futhi kwakulezinsika ngasemigubazini, enye ngapha, lenye ngapha.

41 Wasengingenisa ethempelini, walinganisa imigubazi, ububanzi babuyizingalo eziyisithupha ngapha, lobubanzi buyizingalo eziyisithupha langapha, ububanzi bethente. **2** Lobubanzi bomnyango babuzingalo ezilitshumi; lamacele omnyango ayezingalo ezinhlanu kulolu uhlangothi, lezingalo ezinhlanu kuloluya uhlangothi. Waselinganisa ubude balo, izingalo ezingamatshumi amane, lobubanzi, izingalo ezingamatshumi amabili. **3** Wasengena ngaphakathi, walinganisa umgubazi womnyango, ingalo ezimbili; lomnyango, ingalo eziyisithupha; lobubanzi bomnyango, ingalo eziyisikhombisa. **4** Waselinganisa ubude bayo, ingalo ezingamatshumi amabili; lobubanzi, ingalo ezingamatshumi amabili, ngaphambi kwethempeli. Wasesithi kimi: Le yingcwele yezingcwele. **5** Waselinganisa

umduli wendlu, izingalo eziyisithupha; lobubanzi bamakamelo aseceleni, izingalo ezine, inhlangothi zonke ezizingezelele indlu inhlangothi zonke. 6 Njalo amakamelo aseceleni ayemathathu, ikamelo eliseceleni phezu kwekamelo eliseceleni, aphindwa ngamatshumi amathathu; njalo angena emdulini owawungowendlu yamakamela aseceleni inhlangothi zonke ezizingezeleleyo, ukuze abe lokubambeka, kodwa angabambeki emdulini wendlu. 7 Kwaba khona ukuqhela, lokuzingezela kusenyuka lokwenyuka kusiya emakamelweni aseceleni; ngoba ukuzingezela kwendlu kwaqhubeka kusenyuka inhlangothi zonke ezizingezelele indlu; ngokunjalo-ke ububanzi bendlu baba sekwenyukeni; ngakho-ke kwenyuka kusuke kweliphansi kusiya kweliphezulu ngelingaphakathi. 8 Ngabona futhi ukuphakama kwendlu inhlangothi zonke ezizingezeleleyo; izisekelo zamakamelo aseceleni zazingumhlanga ogcweleyo; ingalo kwakuyimihlanga eyisithupha. 9 Ubuqatha bomduli, owawungowekamelo eliseceleni ngaphandle, babuzingalo ezinhlanu; njalo okuseleyo kwakuyindawo yamakamelo aseceleni ayengakuyo indlu. 10 Laphakathi kwamakamelo kwakulobubanzi bengalo ezingamatshumi amabili inhlangothi zonke zendlu, inhlangothi zonke ezizingezeleleyo. 11 Lezivalo zamakamelo aseceleni zazingakukho okuseleyo, esinye isivalo ngasendleleni yenyakatho, lesinye isivalo ngaseningizimu; lobubanzi bendawo yokuseleyo babuzingalo ezinhlanu inhlangothi zonke ezizingezeleleyo. 12 Mayelana lesakhiwo esasiphambi kwendawo eyehlukanisiweyo ehlangothini ngendlela yentshonalanga, ububanzi babuyizingalo ezingamatshumi ayisikhombisa; lomduli wesakhiwo wawuzingalo ezinhlanu ngobuqatha inhlangothi zonke ezizingezeleleyo, lobude bawo babuzingalo

ezingamatshumi ayisificamunwemunye. **13** Waselinganisa indlu, ubude babuyizingalo ezilikhulu; lendawo eyehlukanisiweyo, lesakhiwo, lemiduli yayo, ubude babuyizingalo ezilikhulu; **14** lobubanzi bobuso bendlu, lobendawo eyehlukanisiweyo ngasempumalanga, izingalo ezilikhulu. **15** Waselinganisa ubude besakhiwo maqondana lendawo eyehlukanisiweyo eyayingemva kwaso, lemikhandlo yaso ngapha langapha, izingalo ezilikhulu, lethempeli elingaphakathi, lamakhulusi eguma. **16** Imibundu, lamawindi avaliweyo, lemikhandlo inhlangothi zonke kokuthathu, maqondana lombundu, kwembeswe ngamapulanka azingelezeleyo inhlangothi zonke, kusukela emhlabathini kusiya emawindini; amawindi-ke ayesibekelwe; **17** kuze kube phezu komnyango, kuze kube sendlini engaphakathi lengaphandle, lakuwo wonke umduli inhlangothi zonke uzingelezele ngaphakathi langaphandle, ngezilinganiso. **18** Njalo kwakwenziwe ngamakherubhi lezihlahla zelala, kuze kuthi isihlahla selala sasiphakathi kwekherubhi lekherubhi; njalo yilelo lalelo ikherubhi lalilobuso obubili. **19** Kuze kuthi ubuso bomuntu babukhangelene lesihlahla selala ngapha, lobuso bebhongo lesilwane bukhangelene lesihlahla selala ngapha. Kwakwenziwe endlini yonke inhlangothi zonke ezizingelezeleyo. **20** Kusukela emhlabathini kuze kube phezu komnyango kwakwenziwe amakherubhi lezihlahla zelala, lasemdulini wethempeli. **21** Imigubazi yethempeli yayilingana inhlangothi zone; mayelana lobuso bendawo engcwele, isimo sobunye sasinjengesimo sobunye. **22** Ilati lesigodo lalizingalo ezintathu ngokuphakama, lobude balo buzingalo ezimbili, lamagumbi alo, lobude balo, lemiduli yalo, kwakungokwezigodo. Wasesithi kimi: Leli litafula eliphambi kweNkosi. **23** Kwakulezivalo ezimbili kulo ithempeli

lakuyo indawo engcwele. **24** Njalo izivalo zazilempiko ezimbili, impiko ezimbili ezitshibilikayo; ezimbili ezesivalo esinye, lempiko ezimbili ezesinye. **25** Njalo kwenziwa kuzo, kuzo izivalo zethempeli, amakherubhi lezihlahla zelala, njengokwakwenziwe emidulwini; kwakulamapulanka aqatha ebusweni bekhulusi ngaphandle. **26** Kwakukhona amawindi avaliweyo lezihlahla zelala ngapha langapha, emaceleni ekhulusi lamakamelo endlu eceleni lamapulanka aqatha.

42 Wasengikhuphela egumeni elingaphandle, ngendlela ekhangele ngasenyakatho; wangiletha ekamelweni eliqondene lendawo eyehlukeneyo, njalo eliqondene lesakhiwo ngasenyakatho. **2** Phambi kobude bezingalo ezilikhulu kwakulomnyango wenyakatho; lobubanzi babuzingalo ezingamatshumi amahlanu. **3** Maqondana lezingalo ezingamatshumi amabili ezazingezeguma langaphakathi, lamaqondana lendawo egandelweyo eyayingeyeguma elingaphandle, kwakulomkhandlo maqondana lomkhandlo, ngezitezi ezintathu. **4** Laphambi kwamakamelo kwakulendawo yokuhamba ezingalo ezilitshumi ngobubanzi ngaphakathi, indlela eyingalo eyodwa, leminyango yawo yayingasenyakatho. **5** Amakamelo angaphezulu-ke ayemafitshane; ngoba imikhandlo yayinciphisa kuwo, kulakwaphansi lakulakwaphakathi kwesakhiwo. **6** Ngoba ayelezitezi ezintathu, kodwa zazingelazinsika njengezinsika zamaguma; ngakho-ke isakhiwo sasinciphile kulakwaphansi lakulakwaphakathi kusukela emhlabathini. **7** Lomduli owawungaphandle maqondana lamakamelo, indlela yeguma elingaphandle ngaphambi kwamakamelo, ubude bawo babuzingalo ezingamatshumi amahlanu. **8** Ngoba ubude bamakamelo ayese gumeni

elingaphandle babuzingalo ezingamatshumi amahlanu; khangela-ke, ngaphambi kwethempeli kwakuzingalo ezilikhulu. **9** Langaphansi kwalamakamelo kwakulokungena ngasempumalanga, lapho umuntu engena kuwo evela egumeni elingaphandle. **10** Amakamelo ayesebubanzini bomduli weguma, indlela yempumalanga, ngaphambi kwendawo eyehlukanisiweyo, langaphambi kwesakhiwo. **11** Lendlela phambi kwawo yayinjengesimo samakamelo ayesendleleni yenyakatho, njengobude bawo, ngokunjalo njengobubanzi bawo. Lakho konke ukuphuma kwawo kwakunjengokwemikhuba yawo lanjengokweminyango yawo. **12** Lanjengokweminyango yamakamelo ayesendleleni yeningizimu kwakulomnyango esihlokweni sendlela, indlela phambi komduli oqondileyo, lapho umuntu engena indlela yempumalanga. **13** Wasesithi kimi: Amakamelo enyakatho lamakamelo eningizimu, aphambi kwendawo eyehlukanisiweyo, angamakamelo angcwele, lapho abapristi abasondela eNkosini abazakudla khona izinto ezingcwelengcwele; babeke khona izinto ezingcwelengcwele, lomnikelo wokudla, lomnikelo wesono, lomnikelo wecala, ngoba indawo ingcwele. **14** Lapho abapristi bengena, kabayikuphuma endaweni engcwele baye egumeni elingaphandle, kodwa bazabeka lapho izembatho zabo abakhonza ngazo, ngoba zingcwele; bagqoke ezinye izembatho, basondele kukho okungokwabantu. **15** Eseqedile izilinganiso zendlu engaphakathi, wangikhupha ngendlela yesango elikhangele indlela yempumalanga, wayilinganisa inhlangothi zonke ezizingezeleleyo. **16** Walinganisa uhlangothi lwempumalanga ngomhlanga wokulinganisa, imihlanga engamakhulu amahlanu, ngomhlanga wokulinganisa inhlangothi zonke. **17** Walinganisa

uhlangothi lwenyakatho, imihlanga engamakhulu amahlanu, ngomhlanga wokulinganisa inhlangothi zonke. 18 Walinganisa uhlangothi olungeningizimu, imihlanga engamakhulu amahlanu, ngomhlanga wokulinganisa. 19 Wasephendukela kuhlangothi lwentshonalanga, walinganisa imihlanga engamakhulu amahlanu ngomhlanga wokulinganisa. 20 Wayilinganisa ezinhlangothini zozine. Yayilomduli inhlangothi zonke uzingelezele, ubude bangamakhulu amahlanu, lobubanzi bungamakhulu amahlanu, ukwehlukana phakathi kokungcwele lokungancwele.

43 Wasengiyisa esangweni, isango elikhangele indlela yempumalanga. 2 Khangela-ke, inkazimulo kaNkulunkulu kalsrayeli yeza ivela ngendlela yempumalanga; lelizwi lakhe lalinjengomsindo wamanzi amanengi; lomhlaba wakhanya ngenkazimulo yakhe. 3 Futhi kwakunjengesimo sombono engangiwbone, njengombono engangiwbone lapho ngize ukuzachitha umuzi; lemibono yayinjengombono engangiwbone ngasemfuleni iKebari. Ngasengisithi mbo ngobuso bami. 4 Inkazimulo yeNkosi yasingena endlini ngendlela yesango elikhangele indlela yempumalanga. 5 UMoya wasengiphakamisa, wangingenisa egumeni elingaphakathi; khangela-ke, inkazimulo yeNkosi yagcwalisa indlu. 6 Ngasengimuzwa ekhuluma lami engasendlini; futhi umuntu wayemi eceleni kwami. 7 Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, le yindawo yesihlalo sami sobukhosi, lendawo yengaphansi yenyawo zami, lapho engizahlala khona phakathi kwabantwana baKalsrayeli kuze kube phakade; njalo indlu kalsrayeli kayisayikungcolisa ibizo lami elingcwele, bona lamakhosi abo, ngobuwule babo langezidumbu zamakhosi abo endaweni zabo eziphakemeyo, 8 ekumiseni kwabo umbundu wabo embundwini wami, lomgubazi wabo eceleni komgubazi

wami, kube ngumduli nje phakathi kwami labo, futhi bangcolise ibizo lami elingcwele ngamanyala abo abawenzileyo, ngakho ngibaqedile olakeni lwami. **9** Khathesi kabadedisele ubufebe babo lezidumbu zamakhosi abo khatshana lami; khona ngizahlala phakathi kwabo kuze kube phakade. **10** Wena, ndodana yomuntu, tshengisa indlu yakolsrayeli le indlu, ukuze babe lenhloni ngenxa yeziphambeko zabo; njalo kabalinganise isibonelo. **11** Uba-ke belenhloni ngakho konke abakwenzileyo, bazise isimo sendlu, lokukhangeleka kwayo, lezindawo zayo zokuphuma, lezindawo zayo zokungena, lazo zonke izimo zayo, lazo zonke izimiso zayo, yebo zonke izimo zayo, layo yonke imilayo yayo; ukubhale phambi kwamehlo abo, ukuze bagcine isimo sayo sonke, lezimiso zayo zonke, bazenze. **12** Lo ngumlayo wendlu: Phezu kwengqonga yentaba wonke umngcele wayo inhlangothi zonke ozingezeleleyo uzakuba yingcwelengcwele. Khangela, lo ngumlayo wendlu. **13** Futhi lezi yizilinganiso zelathi ngezingalo, ingalo iyingalo lobubanzi besandla; lenkaba ibe yingalo, lobubanzi bube yingalo, lomngcele walo emphethweni walo inhlangothi zonke ube yikwelulwa okukodwa kweminwe. Njalo le izakuba ngumhlane welathi. **14** Njalo kusukela kusisekelo emhlabathini kuze kube semngceleni ophansi kube zingalo ezimbili, lobubanzi bube yingalo eyodwa; futhi kusukela emngceleni omncane kusiya emngceleni omkhulu kube zingalo ezine, lobubanzi bube yingalo. **15** Njalo iziko lelathi libe zingalo ezine, njalo kusukela eziko lelathi kusiya phezulu kube lezimpondo ezine. **16** Njalo iziko lelathi libe yizingalo ezilitshumi lambili ngobude, ezilitshumi lambili ngobubanzi, kulingana inhlangothi zozine ezinhlangothini zalo zozine. **17** Umngcele ube yizingalo ezilitshumi lane ngobude, lezilitshumi lane ngobubanzi, ezinhlangothini zozine

zalo; lomphetho inhlangothi zonke zalo ube yingxenye yengalo, lenkaba yalo ibe yingalo inhlangothi zonke, lezinyathelo zalo zikhangele empumalanga. **18** Wasesithi kimi: Ndodana yomuntu, itsho njalo iNkosi uJehova: Lezi yizimiso zelathi, mhla bezalenza, ukuthi banikele umnikelo wokutshiswa phezu kwalo, lokuthi bafafaze igazi phezu kwalo. **19** Njalo uzanika kubapristi amaLevi abenzalo kaZadoki, abasondelayo kimi, itsho iNkosi uJehova, ukuze bangikhonze, ijongosi ithole lenkomo libe ngumnikelo wesono. **20** Uthathe okwegazi layo, ulifake ezimpondweni zozine zalo, lasemagumbini omane omngcele, laphezu komphetho ozingelezeleyo. Ngokunjalo uzalihlambulula, ulenzele inhlawulo yokuthula. **21** Futhi uzathatha ijongosi lomnikelo wesono, alitshise endaweni emisiweyo yendlu ngaphandle kwendawo engcwele. **22** Langosuku lwesibili uzasondeza izinyane lembuzi elingelasici libe ngumnikelo wesono; njalo bazahlambulula ilathi njengoba babelihlambulule ngejongosi. **23** Nxa usuqedile ukuhlambulula, uzasondeza ijongosi ithole lenkomo elingelasici, lenqama engelasici evela emhlanjini. **24** Ukusondeze phambi kweNkosi; njalo abapristi bazathela itshwayi phezu kwakho, bakunikele kube ngumnikelo wokutshiswa eNkosini. **25** Insuku eziyisikhombisa uzalungisa insuku zonke imbuzi yomnikelo wesono; futhi bazalungisa ijongosi ithole lenkomo, lenqama evela emhlanjini, kungelasici. **26** Insuku eziyisikhombisa bazakwenzela ilathi inhlawulo yokuthula, balihlambulule, balehlukanise. **27** Nxa seziphelile lezonsuku, kuzakuthi ngosuku lwesificaminwembili kusiya phambili, abapristi benze iminikelo yenu yokutshiswa phezu kwelathi, leminikelo yenu yokuthula; njalo ngizalemukela, itsho iNkosi uJehova.

44 Wasengibuyisela ngendlela yesango lendawo engcwele engaphandle, elikhangele ngasempumalanga, elalivalekile. **2** INkosi yasisithi kimi: Lelisango lizahlala livaliwe, kaliyikuvulwa, kakulamuntu ozangena ngalo; ngoba iNkosi, uNkulunkulu kalsrayeli, ingene ngalo, ngakho lizakuba livalekile. **3** Libe ngelesiphathamandla; isiphathamandla, sona sizahlala kilo, ukuthi sidle isinkwa phambi kweNkosi. Ngendlela yekhulusi lesango sizangena, langendlela yalo sizaphuma. **4** Wasengiletha ngendlela yesango lenyakatho ngaphambi kwendlu. Ngasengibona, khangela-ke, inkazimulo yeNkosi yagcwalisa indlu yeNkosi; ngasengisithi mbo ngobuso bami. **5** INkosi yasisithi kimi: Ndodana yomuntu, beka inhliziyu yakho, ubone ngamehlo akho, uzwe ngendlebe zakho, konke engizakutshela khona mayelana lezimiso zonke zendlu yeNkosi, lemilayo yayo yonke; ubeke inhliziyu yakho kuyo indawo yokungena yendlu, lazo zonke izindawo zokuphuma zendawo engcwele. **6** Njalo uzakuthi kubo abavukelayo, kiyo indlu kalsrayeli: Itsho njalo iNkosi uJehova: Sekwanele kini, ngenxa yazo zonke izinengiso zenu, lina ndlu kalsrayeli. **7** Ngoba lingenisile abezizwe, abangasokanga ngenhliziyu labangasokanga ngenyama, ukuthi babe sendaweni yami engcwele, ukuyingcolisa, ngitsho indlu yami, lapho linikela isinkwa sami, amafutha, legazi, futhi bephulile isivumelwano sami ngamanyala enu wonke. **8** Njalo kaligcinanga umlindo wezinto zami ezingcwele; kodwa lizimisele abagcini bomlindo wami endaweni yami engcwele. **9** Itsho njalo iNkosi uJehova: Kakulamuntu wezizwe, ongasokanga enhliziyweni, kumbe ongasokanga enyameni, ozangena endaweni yami engcwele, kuye wonke owezizwe ophakathi kwabantwana bakolsrayeli.

10 Kodwa amaLevi asuka aya khatshana lami, lapho ulsrayeli eduha, aduha esuka kimi elandela izithombe zawo, ngitsho azathwala isiphambeko sawo. 11 Kube kanti azakuba yizikhonzi endaweni yami engcwele, belobubonisi bamasango endlu, njalo ekhonza endlini; wona azahlaba umnikelo wokutshiswa lomhlatshelo owenzelwa abantu, wona ame phambi kwabo ukuze abakhonze. 12 Ngenxa yokuthi bebakhonze phambi kwezithombe zabo, baba yisikhubekiso sesiphambeko kuyo indlu yakolsrayeli, ngalokho ngiphakamise isandla sami ngimelene labo, itsho iNkosi uJehova, ukuthi bazathwala isiphambeko sabo. 13 Njalo kabayikusondela kimi, ukuze bangisebenzele njengabapristi, loba basondele lakuziphi izinto zami ezingcwele, endaweni eyingcwele; kodwa bazathwala ihlazo labo, lamanyala abo abawenzileyo. 14 Kodwa ngizabenza abagcini bomlindo wendlu, kuwo wonke umsebenzi wayo, lakukho konke okuzakwenziwa kiyo. 15 Kodwa abapristi abangamaLevi, amadodana kaZadoki, abagcina umlindo wendawo yami engcwele lapho abantwana bakolsrayeli beduha besuka kimi, bona bazasondela kimi ukungikhonza, beme phambi kwami ukunikela kimi amahwaha legazi, itsho iNkosi uJehova. 16 Bona bazangena endaweni yami engcwele, bona basondele etafuleni lami ukungikhonza, bagcine umlindo wami. 17 Kuzakuthi-ke lapho bengena emasangweni eguma elingaphakathi, bagqoke izembatho zelembu elicolekileyo, kodwa uboya bezimvu kabuyikuza phezu kwabo, besakhonza emasangweni eguma elingaphakathi, langaphakathi. 18 Kuzakuba lamaqhiye elembu elicolekileyo emakhanda abo, labokabhudula bangaphansi belembu elicolekileyo babe enkalweni zabo, bangabhinci ngokuginqisayo. 19 Lalapho bephumela egumeni elingaphandle,

ngitsho egumeni elingaphandle besiya ebantwini, bazakhulula izembatho zabo abakhonza ngazo, bazibeke emakamelweni angcwele, bagqoke ezinye izigqoko, njalo kabayikungcwelisa abantu ngezembatho zabo. 20 Futhi kabayikuphuca amakhanda abo, kabayikuvumela izihluthu zenwele zikhule zibe zinde; bazagela lokugela amakhanda abo. 21 Futhi kabayikunatha iwayini, ngulowo lalowompristi, ekungeneni kwabo egumeni elingaphakathi. 22 Njalo kabayikuzithathela umfelokazi kumbe olahliweyo babe ngabafazi, kodwa bazathatha izintombi ezimsulwa zenzalo yendlu yakolsrayeli, loba umfelokazi ongumfelokazi wompristi. 23 Njalo bazafundisa abantu bami umehluko phakathi kokungcwele lokungangcwele, babazise umehluko phakathi kokungcolileyo lokuhlambulukileyo. 24 Lekuphikisaneni bona bazakuma ekwahluleleni, bahlulele ngokwezahlulelo zami. Bagcine imilayo yami lezimiso zami kiyo yonke imikhosi yami emisiweyo, bangcwelise amasabatha ami. 25 Njalo kabayikuza emuntwini ofileyo ukuzingcolisa; kodwa ngoyise, kumbe ngonina, kumbe ngendodana, kumbe ngendodakazi, ngomfowabo, kumbe ngodadewabo ongeyisuye wendoda, bangazingcolisa. 26 Langemva kokuhlanjululwa kwakhe bazambalela insuku eziyisikhombisa. 27 Langosuku azangena ngalo endaweni engcwele, egumeni elingaphakathi, ukuyakhonza endaweni engcwele, uzanikela umnikelo wakhe wesono, itsho iNkosi uJehova. 28 Lokhu kuzakuba yilifa kubo; ngiyilifa labo; njalo kaliyikubanika imfuyo kolsrayeli; mina ngiyinzuzo yabo. 29 Bona bazakudla umnikelo wokudla, lomnikelo wesono, lomnikelo wecala, lakho konke okwehlukanisweyo kolsrayeli kuzakuba ngokwabo. 30 Lokuqala kwazo zonke izithelo zokuqala zakho konke, lawo wonke umnikelo wakho konke,

kuyo yonke iminikelo yenu, kuzakuba ngokwabapristi; lokuqala kwendlama yenu likunike umpristi, ukuhlalisa isibusiso phezu kwendlu yakho. **31** Abapristi kabayikudla loba kuyini okuzifeleyo, loba okudatshuliweyo, okwenyoni kumbe okwenyamazana.

45 Kuzakuthi-ke lapho lisaba ilizwe ngenkatho ukuthi libe yilifa, lizanikela umnikelo eNkosini, indawo engcwele yelizwe; ubude buzakuba yibude bezinkulungwane ezingamatshumi amabili lanhlanu, lobubanzi buzakuba zinkulungwane ezilitshumi. Leyo izakuba ngcwele kuyo yonke imingcele yayo inhlangothi zonke. **2** Kuleyo kuzakuba lokwendawo engcwele engamakhulu amahlanu, lamakhulu amahlanu, ilingana inhlangothi zone ezizingezeleleyo; ibe legceke ngengalo ezingamatshumi amahlanu inhlangothi zonke. **3** Langalesisilinganiso lizalinganisa; ubude bube zingalo ezizinkulungwane ezingamatshumi amabili lanhlanu, lobubanzi bube zinkulungwane ezilitshumi, laphakathi kwayo kuzakuba khona indawo engcwele, lengcwele yezingcwele. **4** Kuzakuba yindawo engcwele yelizwe; izakuba ngeyabapristi, abakhonzi bendawo engcwele, abasondela ukuze bakhonze iNkosi; njalo izakuba kubo yindawo yezindlu, lendawo engcwele yendlu engcwele. **5** Lobude bezinkulungwane ezingamatshumi amabili lanhlanu, lobubanzi bezinkulungwane ezilitshumi, amaLevi, abakhonzi bendlu, azakuba labo, bube yimfuyo, amakamelo angamatshumi amabili. **6** Njalo lizanika imfuyo yomuza, ububanzi bezinkulungwane ezinhlanu, lobude bamatshumi amabili lanhlanu, maqondana lomnikelo ongcwele; izakuba ngeyendlu yonke kalsrayeli. **7** Njalo isiphathamandla sizakuba lesabelo ngapha langapha komnikelo wesabelo esingcwele lakwemfuyo yomuza, phambi komnikelo wesabelo ongcwele, laphambi kwemfuyo yomuza, kusukela ngentshonalanga

kuqonda entshonalanga, lakusukela ngempumalanga kuqonda empumalanga. Lobude buzaqondana lesinye sezabelo, kusukela emngceleni wentshonalanga kuze kube semngceleni wempumalanga. 8 Mayelana lelizwe, uzakuba lalo libe yimfuyo kolsrayeli. Njalo iziphathamandla zami kazisayikubacindezela abantu bami, kodwa zizanika ilizwe kuyo indlu kalsrayeli njengokwezizwe zabo. 9 Itsho njalo iNkosi uJehova: Sekwanele kini, lina ziphathamandla zakolsrayeli! Susani udlakela lokuchitha, lenze isahlulelo lokulunga, lisuse ukuxotsha kwenu kubo abantu bami, itsho iNkosi uJehova. 10 Lizakuba lesikali esilungileyo, le-efa elilungileyo, lebhathi elilungileyo. 11 I-efa lebhathi kuzakuba yisilinganiso sinye, ukuthi ibhathi limumethe ingxenye eyodwa etshumini yehomeri, le-efa ingxenye eyodwa etshumini yehomeri; isilinganiso sakho sizakuba ngokwehomeri. 12 Leshekeli lizakuba ngamagera angamatshumi amabili; amashekeli angamatshumi amabili, amashekeli angamatshumi amabili lanhlanu, lamashekeli alitshumi lanhlanu, azakuba yimane kini. 13 Lokhu kungumnikelo elizawunikela: Ingxenye eyodwa kweziyisithupha ye-efa yehomeri yengqoloyi, futhi lizakupha ingxenye eyodwa kweziyisithupha ye-efa yehomeri yebhali. 14 Mayelana lesimiso samafutha, ibhathi lamafutha, lizanikela ingxenye eyodwa etshumini yebhathi kulo ikhori, eliyihomeri yamabhathi alitshumi; ngoba amabhathi alitshumi alihomeri. 15 Lewundlu elilodwa emhlanjini, kuwo amakhulu amabili, endaweni elamanzi kalsrayeli, libe ngumnikelo wokudla, libe ngumnikelo wokutshiswa, libe yiminikelo yokuthula, yokubenzela ukubuyisana, itsho iNkosi uJehova. 16 Bonke abantu belizwe bazakuba kulowomnikelo kusenzelwa isiphathamandla kolsrayeli. 17 Kuzakuba phezu kwesiphathamandla ukunikela iminikelo

yokutshisa, lomnikelo wempuphu, lomnikelo wokunathwayo, emikhosini, lekuthwaseni kwezinyanga, lemasabatheni, kuyo yonke imikhosi emisiweyo yendlu yakolsrayeli. Sona sizalungisa umnikelo wesono, lomnikelo wempuphu, lomnikelo wokutshiswa, leminikelo yokuthula, ukwenzela indlu yakolsrayeli ukubuyisana.

18 Itsho njalo iNkosi uJehova: Ngenyanga yokuqala, ngolokuqala lwenyanga, uzathatha ijongosi elilithole lenkomo elingelasici, uhlambulule indawo engcwele. **19** Njalo umpristi uzathatha okwegazi lomnikelo wesono, alifake emigubazini yendlu, lezingonsini ezine zomngcele welathi, lemigubazini yesango leguma langaphakathi. **20** Futhi uzakwenza njalo ngolwesikhombisa lwenyanga ngenxa yomuntu oduhayo, langenxa yongelalwazi; ngokunjalo uzakwenzela indlu inhlawulo yokuthula. **21** Ngenyanga yokuqala, ngosuku lwetshumi lane lwenyanga, lizakuba lephasika, umkhosi wensuku eziyisikhombisa; isinkwa esingelamvubelo sizadliwa. **22** Langalolosuku isiphathamandla sizazilungisela sona kanye labo bonke abantu belizwe ijongosi lomnikelo wesono. **23** Ngensuku eziyisikhombisa zomkhosi uzalungisa umnikelo wokutshiswa eNkosini, amajongosi ayisikhombisa lenqama eziyisikhombisa ezingelasici ngosuku, okwensuku eziyisikhombisa, lomnikelo wesono wezinyane lezimbuzi ngosuku. **24** Uzalungisa-ke umnikelo wokudla, i-efa ngejongosi, le-efa ngenqama, lehini yamafutha nge-efa. **25** Ngenyanga yesikhombisa, ngosuku lwetshumi lanhlanu lwenyanga, uzakwenza njengalokhu emkhosini, insuku eziyisikhombisa, njengomnikelo wesono, njengomnikelo wokutshiswa, lanjengomnikelo wokudla, lanjengamafutha.

46 Itsho njalo iNkosi uJehova: Isango leguma elingaphakathi elikhangele ngasempumalanga lizavaleka insuku eziyisithupha zokusebenza. Kodwa ngosuku lwesabatha lizavulwa, langosuku lokuthwasa kwenyanga lizavulwa. **2** Njalo isiphathamandla sizangena ngendlela yekhulusi lalelosango sivela phandle, sime emgubazini wesango. Abapristi balungise umnikelo waso wokutshiswa leminikelo yaso yokuthula, sona sizakhonza sisembundwini wesango, siphume; kodwa isango kaliyikuvalwa kuze kube kusihlwa. **3** Ngokunjalo abantu belizwe bazakhonza emnyango walelisango ngamasabatha langokuthwasa kwezinyanga phambi kweNkosi. **4** Lomnikelo wokutshiswa isiphathamandla esizawunikela eNkosini ngosuku lwesabatha uzakuba ngamawundlu ayisithupha angelasici, lenqama engelasici. **5** Lomnikelo wokudla uzakuba yi-efa ngenqama, lomnikelo wokudla ngamawundlu uzakuba yisipho sesandla saso, kanye lehini yamafutha nge-efa. **6** Langosuku lokuthwasa kwenyanga kuzakuba lijongosi ithole lenkomo elingelasici, lamawundlu ayisithupha, lenqama; kungabi lasici. **7** Njalo sizalungisa umnikelo wokudla, i-efa ngejongosi, le-efa ngenqama, langamawundlu njengalokho isandla saso singafinyelela kukho, lehini lamafutha nge-efa. **8** Lalapho isiphathamandla singena, sizangena ngendlela yekhulusi lalelosango, siphume ngendlela yalo. **9** Kodwa lapho abantu belizwe besiza phambi kweNkosi emikhosini emisiweyo, lowo ongena ngendlela yesango elingenyakatho ukuzakhonza uzaphuma ngendlela yesango elingeningizimu, longena ngendlela yesango elingeningizimu uzaphuma ngendlela yesango elingenyakatho. Kayikubuyela ngendlela yesango angene ngalo, kodwa uzaphuma maqondana lalo. **10**

Lesiphathamandla sizangena siphakathi kwabo lapho bengena; lalapho bephuma sizaphuma. **11** Lemadilini lemikhosini emisiweyo umnikelo wokudla uzakuba li-efa ngejongosi, le-efa ngenqama, lesipho sesandla sakhe ngamawundlu, lehini lamafutha nge-efa. **12** Lalapho isiphathamandla silungisa umnikelo wesihle, umnikelo wokutshiswa, loba iminikelo yokuthula, umnikelo wesihle eNkosini, omunye uzasivulela isango elikhangele ngasempumalanga, silungise umnikelo waso wokutshiswa, leminikelo yaso yokuthula, njengokwenza kwaso ngosuku lwesabatha; siphume, njalo omunye uzavala isango emva kokuphuma kwaso. **13** Njalo uzalungisa iwundlu elilomnyaka munye elingelasici libe ngumnikelo wokutshiswa eNkosini insuku zonke. Uzalilungisa ngaleyo laleyo ikuseni. **14** Futhi uzalilungisela umnikelo wokudla ngaleyo laleyo ikuseni, ingxenye yesithupha ye-efa, lengxenye yesithathu yehini yamafutha, ukuthambisa impuphu ecolekileyo, kube ngumnikelo wokudla eNkosini, ngezimiso eziphakade njalonjalo. **15** Ngokunjalo bazalungisa iwundlu lomnikelo wokudla lamafutha ngaleyo laleyo ikuseni kube ngumnikelo wokutshiswa njalonjalo. **16** Itsho njalo iNkosi uJehova: Uba isiphathamandla sinika isipho kuloba yiyiphi yamadodana aso, ilifa laso, amadodana aso azakuba lalo, lizakuba yimpahla yawo ngokwelifa. **17** Kodwa uba sinika isipho selifa laso kwenye yezinceku zaso, sizakuba ngesayo kuze kube ngumnyaka wenkululeko; khona sizabuyela kusiphathamandla; kodwa siyilifa laso, amadodana aso azakuba laso. **18** Futhi isiphathamandla kasiyikuthatha ulutho elifeni labantu ukubacindezela basuke emfuyweni yabo; sizanika ilifa emadodaneni aso emfuyweni yaso; ukuze abantu bami bangahlakazwa ngulowo asuke emfuyweni yakhe. **19** Wasengingenisa ekungeneni, okwakuseceleni

kwesango, kusiya emakamelweni angcwele abapristi, akhangele ngasenyakatho; khangela-ke kwakulendawo kunhlangothi zombili ngasentshonalanga. **20** Wasesithi kimi: Yiyo le indawo lapho abapristi abazaphekela khona umnikelo wecala lomnikelo wesono, lapho abazabhakela khona umnikelo wokudla, ukuze bangakukhupheli egumeni elingaphandle, ukungcwelisa abantu. **21** Wasengikhuphela egumeni elingaphandle, wangidlulisa engonsini zozine zeguma; khangela-ke, kuleyo laleyongonsi yeguma kwakulelinye iguma. **22** Ezingonsini zozine zeguma kwakulamaguma ahlanganisiweyo; ubude babuzingalo ezingamatshumi amane, lobubanzi babuzingalo ezingamatshumi amathathu; lezizingonsi zozine zazilesilinganiso sinye. **23** Njalo kwakulomzila wesakhiwo inhlangothi zonke kuzo, inhlangothi zonke zozine, njalo kwenziwe amaziko okubilisa ngaphansi kwemizila yesakhiwo inhlangothi zonke. **24** Wasesithi kimi: Lezi yizindlu zokuphekela, lapho abakhonzi bendlu abazaphekela khona umhlatshele wabantu.

47 Emva kwalokho wangibuyisela emnyango wendlu, khangela-ke, amanzi aphuma ngaphansi kombundu wendlu ngasempumalanga; ngoba ingaphambili yendlu yayingasempumalanga; lamanzi ehla esuka ngaphansi esuka ehlangothini lokunene lwendlu, ngaseningizimu kwelathi. **2** Wasengikhupha ngendlela yesango ngasenyakatho, wangibhodisa ngendlela engaphandle wangisa esangweni elingaphandle, ngendlela ekhangele ngasempumalanga. Khangela-ke, kwageleza amanzi avela ehlangothini lwesokunene. **3** Ekuphumeni kwendoda ngasempumalanga, elentambo esandleni sayo, yalinganisa izingalo eziyinkulungwane, yangidabulisa phakathi kwamanzi; amanzi

afika enqagaleni. 4 Walinganisa futhi inkulungwane, wangidabulisa emanzini; amanzi afika emadolweni. Walinganisa futhi inkulungwane, wangidabulisa; amanzi afika ekhalweni. 5 Walinganisa futhi inkulungwane; kwaba ngumfula engingeke ngiwuchaphe, ngoba amanzi ayesehlakeme, amanzi ongantsheza kuwo, umfula owawungeke wachatshwa. 6 Wasesithi kimi: Ubonile yini, ndodana yomuntu? Wasengihambisa, wangenza ngabuyela ekhunjini lomfula. 7 Ekubuyeleni kwami, khangela-ke, ekhunjini lomfula kwakulezihlahla ezinengi kakhulu ngapha langapha. 8 Wasesithi kimi: La amanzi aphumela ngaselizweni lempumalanga, ehlele enkangala, abesesiya elwandle; athi esekhutshelwe olwandle, amanzi azakwelatshwa. 9 Kuzakuthi-ke, sonke isidalwa esiphilayo, esinyakazelayo, loba ngaphi lapho imifula efika khona, sizaphila. Futhi kuzakuba khona inhlanzi ezinengi kakhulu, ngoba amanzi la azafika lapho; ngoba zizakwelatshwa; ngoba kuzaphila konke lapho umfula ofika khona. 10 Kuzakuthi-ke, abagoli benhlanzi beme ngakuwo kusukela e-Engedi kuze kube se-Enegilayimi; kuzakuba lendawo yokuchaya amambule. Inhlanzi zabo zizakuba ngenhlobo zazo, njengenhlanzi zolwandle olukhulu, ezinengi kakhulu. 11 Kodwa izindawo zawo ezilodaka lamaxhaphozi awo kakuyikwelatshwa; kuzanikelwa ekubeni litshwayi. 12 Futhi ngasemfuleni ekhunjini lwawo, ngapha langapha, kuzakhula sonke isihlahla sokudla, ohlamvu laso kaliyikubuna, lesithelo saso kasiyikuphela. Sizathela isithelo saso esitsha njengokwenyanga zaso, ngoba amanzi aso aphuma endaweni engcwele. Isithelo saso sizakuba yikudla, lehlamvu laso libe ngelokwelapha. 13 Itsho njalo iNkosi uJehova: Lo uzakuba ngumngcele, elizakudla ilifa lelizwe ngawo

sekuhlanjululwa indawo engcwele. **15** Kwasekusithi mina Daniyeli sengiwubonile umbono ngadinga ukuqedisisa, khangela-ke, kwema phambi kwami okunjengesimo somuntu. **16** Ngasengisizwa ilizwi lomuntu phakathi kwezinkumbizeUlayi, elamemeza lathi: Gabriyeli, yenza lo aqedisise umbono. **17** Wasesiza eceleni kwalapho engangimi khona. Esefikile, ngethuka, ngathi mbo ngobuso bami. Kodwa wathi kimi: Qedisisa, ndodana yomuntu, ngoba umbono ungowesikhathi sokucina. **18** Kwathi esakhuluma lami, ngangilele ubuthongo obukhulu ngobuso bami emhlabathini; kodwa wangithinta, wangimisa endaweni yami yokuma. **19** Wasesithi: Khangela, ngizakwenza wazi okuzakuba sekupheleni kwentukuthelo, ngoba ukucina kuzakuba ngesikhathi esimisiweyo. **20** Inqama oyibonileyo elempondo ezimbili ngamakhosi eMede lePerisiya. **21** Njalo impongo eyisiyephu iyinkosi yeGirisi, lophondo olukhulu oluphakathi laphakathi kwamehlo ayo luyinkosi yokuqala. **22** Ngolwephukayo, njengoba kwema ezine endaweni yalo, kuzakuma imibuso emine kuso isizwe, kodwa hatshi ngamandla alo. **23** Njalo ekucineni kwemibuso yazo, lapho abaphambeki sebephelele, izakuma inkosi elukhuni ngobuso, eqedisisa imizekeliso. **24** Lamandla ayo azaqina, kodwa hatshi ngamandla ayo. Njalo izachitha ngokumangalisayo, iphumelele, yenze, ichithe abalamandla lesizwe sabangcwele. **25** Langobuqili bayo izaphumelelisa inkohliso esandleni sayo, izikhulise enhliziyweni yayo, ichithe abanengi ngokuthula, futhi izamelana leNkosana yamakhosana, kodwa izakwepulwa kungelasandla. **26** Njalo umbono wantambama lowekuseni olandisiweyo uliqiniso; wena-ke valela umbono, ngoba ungowensuku ezinengi. **27** Mina-ke Daniyeli, ngaphela amandla ngagula okwensuku ezithile; emva

kwalokho ngasukuma, ngenza umsebenzi wenkosi; njalo ngamangala kakhulu ngombono, kodwa kakho owaqedisisayo.

9 Ngomnyaka wokuqala kaDariyusi indodana kaAhasuwerusi, owenzalo yamaMede, owenziwa waba yinkosi phezu kombuso wamaKhaladiya, **2** ngomnyaka wokuqala wokubusa kwakhe, mina Daniyeli nqaqedisisa ngezincwadi inani leminyaka, ilizwi leNkosi eleza ngayo kuJeremiya umprofethi, ukugcwalisa iminyaka engamatshumi ayisikhombisa encithakalweni zeJerusalema. **3** Ngasengikhangelisa ubuso bami kuyo iNkosi uNkulunkulu, ukudinga ngomkhuleko, lokuncenga, ngokuzila ukudla, lesaka, lomlotha. **4** Ngasengikhuleka eNkosini uNkulunkulu wami, ngenza uvumo, ngathi: Hawu Nkosi, uNkulunkulu omkhulu lowesabekayo, ogcina isivumelwano lomusa kwabamthandayo lakulabo abagcina imilayo yakhe. **5** Sonile, senza okubi, senza ngenkohlakalo, senza umvukela, ngokuphambuka emilayweni yakho lezahlulelweni zakho. **6** Futhi kasilalelanga izinceku zakho abaprofethi, ezikhulume ebizweni lakho emakhosini ethu, iziphathamandla zethu, labobaba, lakibo bonke abantu belizwe. **7** Nkosi, kukhona ukulunga kuwe, kodwa kithi ukusanganiseka kobuso, njengalolusuku; ebantwini bakoJuda, lakubahlali beJerusalema, lakulsrayeli wonke, abaseduze labakhathshana, kuwo wonke amazwe lapho obaxotshela khona, ngenxa yesiphambeko abaphambeka ngaso bemelene lawe. **8** Nkosi, kukhona kithi ukusanganiseka kobuso, emakhosini ethu, eziphathamandleni zethu, lakubobaba, ngoba sonile simelene lawe. **9** ENkosini uNkulunkulu wethu kukhona izisa lezintethelelo; lanxa siyivukele. **10** Futhi kasilalelanga ilizwi leNkosi uNkulunkulu wethu, ukuthi sihambe emilayweni yakhe, ayibeka phambi kwethu ngesandla sezinceku zakhe abaprofethi.

11 Yebo, ulsrayeli wonke weqile umlayo wakho, ngokuphambuka, ukuze bangalaleli ilizwi lakho; ngakho isiqalekiso sithululelwe phezu kwethu, lesifungo esibhalwe emlayweni kaMozisi inceku kaNkulunkulu, ngoba sonile kuye. 12 Futhi uwaqinisile amazwi akhe, awakhuluma emelene lathi, njalo emelene labehluleli bethu abasehlulelayo, ngokusehlisela ububi obukhulu, ngoba ngaphansi kwamazulu wonke kakuzanga kwenziwe okunjengokwenziwe eJerusalema. 13 Njengoba kubhaliwe emlayweni kaMozisi, bonke lobububi busehlele. Kanti kasincenganga ubuso beNkosi uNkulunkulu wethu, ukuze siphenduke eziphambekweni zethu, siqedisise iqiniso lakho. 14 Ngakho iNkosi yalinda phezu kobubi, yabehlisela phezu kwethu; ngoba iNkosi uNkulunkulu wethu ilungile emisebenzini yayo yonke eyenzayo, ngoba singalalelanga ilizwi layo. 15 Khathesi-ke, Nkosi Nkulunkulu wethu, owakhupha abantu bakho elizweni leGibhithe ngesandla esilamandla, wazenzela ibizo, njengalamuhla; sonile, senze okubi. 16 Nkosi, njengakho konke ukulunga kwakho, ngiyakuncenga, kakuthi ulaka lwakho lentukuthelo yakho kuphendulwe emzini wakho iJerusalema, intaba yakho engcwele. Ngoba ngenxa yezono zethu, langeziphambeko zabobaba, iJerusalema labantu bakho sebelihlazo kubo bonke abasihanqileyo. 17 Khathesi-ke, Nkulunkulu wethu, zwana umkhuleko wenceku yakho, lokuncenga kwayo, wenze ubuso bakho bukhanye endaweni yakho engcwele esilunxiwa, ngenxa yeNkosi. 18 Nkulunkulu wami, beka indlebe yakho, uzwe; vula amehlo akho, ubone ukuchitheka kwethu, lomuzi obizwa ngebizo lakho; ngoba kasiwisi ukuncenga kwethu phambi kwakho ngenxa yokulunga kwethu, kodwa ngenxa yezihawu zakho ezinkulu. 19 Nkosi, zwana! Nkosi, thethelela! Nkosi, lalela

wenze, ungalibali; ngenxa yakho, Nkulunkulu wami; ngoba umuzi wakho labantu bakho kubizwa ngebizo lakho. **20** Kwathi ngisakhuluma, ngikhuleka, ngivuma isono sami lesono sabantu bakithi ulsrayeli, ngiwisa ukuncenga kwami phambi kweNkosi uNkulunkulu wami ngenxa yentaba engcwele kaNkulunkulu wami; **21** yebo, ngisakhuluma ngomkhuleko, ngitsho lowomuntu uGabriyeli, engangimbone embonweni ekuqaleni, esenziwe waphapha masinyane, wangithinta ngesikhathi somnikelo wakusihlwa. **22** Wangazisa, wakhuluma lami, wathi: Daniyeli, khathesi ngiphumele ukuzakupha inhlakanipho lokuqedisisa. **23** Ekuqaliseni kokuncenga kwakho ilizwi laphuma, mina-ke ngize ukukutshela lona; ngoba uthandiwe kakhulu. Ngakho qedisisa loludaba, unakane ngalumbono. **24** Amaviki angamatshumi ayisikhombisa amiswe phezu kwabantu bakho laphezu komuzi wakho ongcwele, ukuqeda isiphambeko, lokuphelelisa izono, lokwenzela isiphambeko inhlawulo yokuthula, lokungenisa ukulunga okulaphakade, lokuphawula umbono lesiprofetho, lokugcoba ingcwele yezingcwele. **25** Yazi-ke uqedisise: Kusukela ekuphumeni kwelizwi lokubuyisela lokwakha iJerusalema kuze kube kuMesiya iNkosana, kungamaviki ayisikhombisa, lamaviki angamatshumi ayisithupha lambili. Kuzabuya kwakhiwe izitalada lemifolo, kodwa ngokuhlupheka kwezikhathi. **26** Langemva kwamaviki angamatshumi ayisithupha lambili uMesiya uzaqunywa, kodwa kungenzelwa yena; lesizwe sesiphathamandla esizakuza sizachitha umuzi lendawo engcwele; lokuphela kwawo kuzakuba ngozamcolo; njalo kuze kube sekupheleni kuzakuba khona impi, kumiswe izincithakalo. **27** Njalo uzaqinisa isivumelwano labanengi okweviki eyodwa; laphakathi kweviki uzakwenza kukhawule umhlatshele lomnikelo;

laphezu kophiko lwezinengiso kuzakuba lomchithi, ngitsho kuze kube sekupheleni, lokumisiweyo kuzathululelwa phezu konxiwa.

10 Ngomnyaka wesithathu kaKoresi inkosi yePerisiya ulutho lwembulelwa uDanyeli, obizo lakhe labizwa ngokuthi nguBeliteshazari. Njalo lolulutho lwaluliqiniso mayelana lokulwisana okukhulu. Njalo waluqedisisa lolulutho, waba lokuqedisisa ngombono. **2** Ngalezonsuku, mina Danyeli ngangilila okwamaviki amathathu agcweleyo. **3** Kangidlanga sinkwa esiloyisekayo, njalo kakuzanga nyama kumbe iwayini emlonyeni wami, futhi kangizigcobanga ngitsho, kwaze kwagcwaliseka amaviki amathathu ezinsuku. **4** Kwathi ngosuku lwamatshumi amabili lane lwenyanga yokuqala, mina ngisecezeni komfula omkhulu, oyiHidekeli; **5** ngasengiphakamisa amehlo ami, ngabona, khangela-ke umuntu othile egqoke ilembu elicolekileyo, okhalo lwakhe lwalubhincwe ngegolide elicwengekileyo leUfazi. **6** Lomzimba wakhe wawunjengebherule, lobuso bakhe babunjengesimo sombane, lamehlo akhe njengezibane zomlilo, lengalo zakhe lenyawo zakhe njengombala wethusi elikhazimulayo, lelizwi lamazwi akhe njengomsindo wexuku. **7** Yimi ngedwa uDanyeli engabona lowombono, ngoba abantu ababelami kabawubonanga umbono. Kodwa ukuququqa okukhulu kwabehlela, baze babaleka ukuze bacatshe. **8** Ngakho mina ngasala ngedwa, ngabona lumbono omkhulu, futhi kakusalanga mandla kimi, lobuhle bami baguquka kimi baba yikonakala, kangisalelwanga ngamandla. **9** Ngasengisizwa ilizwi lamazwi akhe; njalo lapho ngisizwa ilizwi lamazwi akhe, mina ngehlelwa yibuthongo obukhulu ebusweni bami, lobuso bami bungasemhlabathini. **10** Khangela-ke, isandla sangithinta, sangimisa ngithuthumela ngamadolo ami lempama zezandla

zami. **11** Wasesithi kimi: Daniyeli, umuntu othandwe kakhulu, zwisisa amazwi engiwakhuluma kuwe, ume ngokuma kwakho, ngoba khathesi ngithunywe kuwe. Esekhulume lelilizwi kimi, ngema ngithuthumela. **12** Wasesithi kimi: Ungesabi, Daniyeli, ngoba kusukela osukwini lokuqala owabeka ngalo inhliziyi yakho ukuqedisisa lokuzithoba phambi kukaNkulunkulu wakho, amazwi akho ezwakala, ngizile-ke mina ngenxa yamazwi akho. **13** Kodwa isiphathamandla sombuso wamaPerisiya samelana lami okwensuku ezingamatshumi amabili lanye; kodwa khangela, uMikayeli omunye weziphathamandla zakuqala weza ukuzangisiza; mina ngasengisala khona ngasemakhosini ePerisiya. **14** Khathesi ngizile ukuthi ngikwenze uqedisise okuzakwehlela abantu bakho ekucineni kwezinsuku, ngoba umbono usengowezinsuku ezinengi. **15** Esekhulumile amazwi anje kimi, ngakhangelisa ubuso bami emhlabathini, ngaba yisimungulu. **16** Khangela-ke, omunye ofanana lomfanekiso wamadodana abantu wathinta indebe zami; ngasengivula umlomo wami, ngakhuluma, ngathi kulowo owayemi phambi kwami: Nkosi yami, ngenxa yombono izinsizi zami seziphendukele phezu kwami, kangaba lamandla. **17** Ngoba inceku yale inkosi yami ingaba lakho ukukhuluma njani lale inkosi yami? Mayelana lami, kusukela ngalesosikhathi kakusalanga mandla kimi, lokuphefumula kwakungasekho kimi. **18** Wasebuya wangithinta onjengomfanekiso womuntu, wangiqaqinisa. **19** Wasesithi: Ungesabi, muntu othandiweyo kakhulu; ukuthula kakube kuwe, qina, yebo, qina. Kwathi esekhulume lami, ngaqiniswa, ngathi: Kayikhulume inkosi yami, ngoba ungiqinisisile. **20** Wasesithi: Uyazi yini ukuthi ngizeleni kuwe? Khathesi-ke ngizabuyela ukuzakulwa lesiphathamandla sePerisiya; lalapho

sengiphumile, khangela-ke, isiphathamandla seGirisi sizafika. **21** Kodwa ngizakutshela lokho okubhaliweyo embhalweni weqiniso; njalo kakho loyedwa obambisana lami kulezizinto, ngaphandle kukaMikayeli isiphathamandla senu.

11 Lami-ke, ngomnyaka wokuqala kaDaryusi umMede, ngema ukumqinisa lokumvikela. **2** Khathesi sengizakutshela iqiniso. Khangela, kusezakuma amakhosi amathathu ePerisiya; njalo eyesine izanotha ngenotho enkulu okwedlula wonke. Kuthi isiqinile ngenotho yayo ibavuse bonke bamelane lombuso weGirisi. **3** Kuzasukuma-ke inkosi elamandla, ezabusa ngokubusa okukhulu, yenze ngokwentando yayo. **4** Lalapho isukuma, umbuso wayo uzaqanyulwa, wehlukaniswe ngasemimoyeni emine yamazulu; kodwa ungabi ngowenzalo yayo, ungabi njengombuso ebiwubusa; ngoba umbuso wayo uzasitshunwa, ube ngowabanye ngaphandle kwalaba. **5** Lenkosi yeningizimu izakuba lamandla, lomunye weziphathamandla zayo; yena-ke uzakuba lamandla kulayo, abuse; umbuso wakhe uzakuba ngumbuso omkhulu. **6** Lekupheleni kweminyaka bazahlangana, ngoba indodakazi yombusi weningizimu izakuza kumbusi wenyakatho ukuzakwenza isivumelwano esilinganayo, kodwa kayiyikugcina amandla engalo; futhi kayiyikuma, layo ingalo yakhe; kodwa izanikelwa, labayilethileyo, loyizeleyo, loyiqinisileyo ngalezizikhathi. **7** Kodwa kuzasukuma ogatsheni lwempande zayo esikhundleni sakhe, ozabuya lebuthe, angene enqabeni yenkosi yenyakatho, enze emelene labo, ehlule. **8** Labonkulunkulu babo kanye leziphathamandla zabo kanye lezitsha zabo eziloyisekayo ezesiliva legolide uzakuletha eGibhithe ekuthunjweni; yena-ke uzakuma okweminyaka kulenkosi yenyakatho. **9** Ngokunjalo inkosi yeningizimu

izangena embusweni, ibuyele elizweni layo. **10** Kodwa amadodana ayo azadungeka, ahlanganise ixuku lamabutho amakhulu; ngeqiniso kufike omunye, agabhe, adabule; abuyele, adungeke, kuze kube senqabeni yakhe. **11** Lenkosi yeningizimu izathukuthela kakhulu, iphume ilwe layo, lenkosi yenyakatho; yona izavusa ixuku elikhulu, kodwa lelixuku lizanikelwa esandleni sayo. **12** Selisusiwe lelixuku, inhliziyi yayo izaziphakamisa, iwisele phansi izinkulungwane ezingamatshumi amanengi, kodwa kayiyikuba lamandla. **13** Ngoba inkosi yenyakatho izaphenduka, ivuse ixuku elikhulu kulelokuqala; njalo ekupheleni kwezikhathi zeminyaka izafika isibili ilebutho elikhulu lempahla ezinengi. **14** Langalezozikhathi abanengi bazasukuma bemelane lenkosi yeningizimu. Labalesihluku babantu bakho bazaziphakamisa ukuze bawuqinise umbono, kodwa bazakhubeka. **15** Ngakho inkosi yenyakatho izafika, ibuthelele idundulu, ithumbe imizi ebiyelweyo. Futhi izingalo zeningizimu kaziyikuma, kanye labakhethiweyo bakhe, futhi kakuyikuba lamandla okuma. **16** Kodwa eza ukuzamelana layo izakwenza ngokwentando yayo, engekho ongema phambi kwayo. Izakuma lelizweni elihle, lokutshabalaliswa kuzakuba sesandleni sayo. **17** Njalo izamisa ubuso bayo ukungena ngamandla ombuso wayo wonke, labaqotho belayo, ngokunjalo izakwenza; futhi izayinika indodakazi yabafazi, ukuwuchitha; kodwa kayiyikuma, kayiyikuba ngeyayo. **18** Emva kwalokho izaphendulela ubuso bayo ezihlengeneni, ithumbe ezinengi; kodwa isiphathamandla sizakwenza ihlazo layo limphelele; ngaphandle kokuthi izabuyisela ihlazo layo kuyo. **19** Ibisiphendulela ubuso bayo ngasezinqabeni zelizwe lakibo, kodwa izakhubeka iwe, njalo ingatholwa. **20** Lapho kuzasukuma

esikhundleni sayo odlulisa umthelisi kudumo lombuso; kodwa phakathi kwezinsuku ezinlutshwana uzabhujiiswa, kungabi ngezintukuthelo, kungabi ngezimpi. **21** Lapho kuzasukuma esikhundleni sakhe odelelekileyo, abangayikumnika udumo lombuso, kodwa ezangena ngokuthula, awubambe umbuso ngamazwi abutshelezi. **22** Lezingalo zikazamcolo zizakhukhulwa phambi kobuso bakhe, zifohlozwe; yebo, laso isiphathamandla sesivumelwano. **23** Langemva kokuhlangana laye uzasebenza ngenkohliso; ngoba ezakwenyuka, abe lamandla elesizwe esincane. **24** Uzangena ngokuthula laphezu kwezindawo ezivunde kakhulu zesabelo; enze lokho oyise loba oyise baboyise abangakwenzanga; uzahlakaza phakathi kwabo impango lokuthunjiweyo lempahla; acebe amacebo akhe emelene lezingaba, kodwa kuze kube yisikhathi. **25** Futhi uzavusa amandla akhe lenhliziyo yakhe emelene lenkosi yeningizimu elebutho elikhulu; njalo inkosi yeningizimu izadungeka ilebutho elikhulu elilamandla amakhulu; kodwa kayiyikuma, ngoba bazaceba amacebo bemelene layo. **26** Yebo, labo abadla isabelo sokudla sayo bazayibhubhisa, lebutho layo lizakhukhula, labanengi bazakuwa bebulewe. **27** Njalo inhliziyo zalamakhosi amabili zikukho okubi, njalo azakhuluma amanga etafuleni elilodwa; kodwa kakuyikuphumelela, ngoba isiphetho sisezakuba khona ngesikhathi esimisiweyo. **28** Lapho ezabuyela elizweni lakhe elemphahla ezinengi; kodwa inhliziyo yakhe izamelana lesivumelwano esingcwele; njalo uzakwenza, abesebuyela elizweni lakhe. **29** Ngesikhathi esimisiweyo uzaphenduka, eze ngaseningizimu; kodwa kakuyikuba njengokwakuqala loba njengokokucina. **30** Ngoba imikhumbi yeKitimi izakuza imelane laye; ngakho uzadabuka, abuyele emuva, athukuthelele

isivumelwano esingcwele; njalo uzakwenza, abesebuyela, anakane labo abadele isivumelwano esingcwele. **31** Lezingalo zizakuma zivela kuye, zingcolise indawo engcwele eyinqaba, asuse umnikelo oqhubekayo, amise isinengiso esichithayo. **32** Lalabo abenza inkohlakalo bemelene lesivumelwano uzabangcolisa ngamazwi abutshelazi; kodwa abantu abamaziyo uNkulunkulu wabo bazaqina, benze. **33** Njalo abaqedisayo babantu bazafundisa abanengi; kanti bazakuwa ngenkemba, langelangabi, ngokuthunjwa, langokuphangwa, izinsuku ezinengi. **34** Kuzakuthi lapho besiwa, basizwe ngosizo oluncinyane, kodwa abanengi bazazihlanganisa labo ngamazwi abutshelazi. **35** Kodwa abanye kwabaqedisayo bazakuwa, ukubalinga, lokubahlambulula, lokubenza babe mhlophe, kuze kube yisikhathi sokuphela; ngoba kusezakuba ngokwesikhathi esimisiweyo. **36** Njalo inkosi izakwenza njengokwentando yayo, iziphakamise, izikhulise ngaphezu kwabo bonke onkulunkulu, ikhulume izinto ezimangalisayo imelene loNkulunkulu wabonkulunkulu, iphumelele kuze kuphelele intukuthelo; ngoba lokho okumisiweyo kuzakwenziwa. **37** Futhi kayiyikunaka onkulunkulu baboyise, lesiloyiso sabesifazana, njalo kayiyikunaka loba nguwuphi unkulunkulu; ngoba izazikhulisa phezu kwabo bonke. **38** Kodwa esikhundleni sakhe uzadumisa unkulunkulu wezingaba, ngitsho unkulunkulu oyise ababengamazi amdumise ngegolide langesiliva langamatshe aligugu langezinto eziloyisekayo. **39** Njalo izakwenza ezingabeni ezilamandla ikanye lonkulunkulu wezizweni; amnanzelelayo amandisele udumo. Izabenza babuse phezu kwabanengi, yehlukanise ilizwe ngentengo. **40** Langesikhathi sokuphela inkosi yeningizimu izamsunduzane; kodwa inkosi yenyakatho izamelana layo njengesivunguzane,

ilezingqola, labagadi bamabhiza, lemikhumbi eminengi; ingene emazweni, ikhukhule, idlule. **41** Njalo izangena elizweni elihle, njalo amazwe amanengi azakuwa; kodwa la azaphunyuka esandleni sakhe, iEdoma loMowabi lekhethelo labantwana bakoAmoni. **42** Njalo izakwelulela isandla sayo emazweni, lelizwe leGibhithe kaliyikuphepha. **43** Kodwa izabusa phezu kwamagugu afihliweyo egolide lawesiliva, laphezu kwazo zonke izinto eziligugu zeGibhithe. Njalo amaLibiya lamaEthiophiya azakuba sezinyathelweni zakhe. **44** Kodwa imibiko evela empumalanga levela enyakatho izamethusa, ngakho uzaphuma ngokuthukuthela okukhulu ukuyachitha lokutshabalalisa abanengi. **45** Njalo uzagxumeka amathente esigodlo sakhe phakathi laphakathi kwezintwandle entabeni enhle engcwele; kanti uzafika ekupheleni kwakhe, angabi lomsizi.

12 Langalesosikhathi uMikayeli uzasukuma, isiphathamandla esikhulu esimela abantwana babantu bakini. Njalo kuzakuba khona isikhathi sokuhlupheka, esingazanga sibe khona lokhe kwaba lesizwe kuze kube yilesosikhathi. Kodwa ngalesosikhathi abantu bakini bazakhululwa, wonke otholwa ebhaliwe ogwalweni. **2** Labanengi babo abalele othulini lomhlaba bazavuka, abanye besiya empilweni elaphakade, labanye besiya kumahlazo ekunengweni okulaphakade. **3** Njalo abahlakaniphileyo bazakhanya njengokukhazimula kwesibhakabhaka, lalabo abaphendulela abanengi ekulungeni, njengezinkanyezi kuze kube nini lanini. **4** Kodwa wena, Daniyeli, vala lamazwi, unameke ugwalo, kuze kube sesikhathini sokuphela. Abanengi bazagijima baye le lale, lolwazi luzakwandiswa. **5** Mina, Daniyeli, ngasengibona, khangela-ke, abanye ababili bemi,

omunye enganeno kokhumbi lomfula lomunye engaphetsheya kokhumbi lomfula. 6 Kwasekuthiwa kulowomuntu ogqoke ilembu elicolekileyo, owayengaphezu kwamanzi omfula: Koze kube nini ukuze kuphele lezizimangaliso? 7 Ngasengisizwa lowomuntu ogqoke ilembu elicolekileyo, owayengaphezu kwamanzi omfula, lapho ephakamisela isandla sakhe sokunene lesandla sakhe sokhohlo emazulwini, efunga ngalowo ophila phakade, ukuthi kuzakuba ngokwesikhathi esimisiweyo, izikhathi ezimisiweyo, lengxenywe; lalapho esephelelise ukuhlakaza amandla abantu abangcwele, zonke lezizinto zizaphela. 8 Mina ngasengisizwa, kodwa kangiqedisisanga. Ngasengisithi: Nkosi yami, kuzakuba yini ukuphela kwalezizinto? 9 Wasesithi: Hamba, Daniyeli, ngoba amazwi avalelwe ananyekwa kuze kube yisikhathi sokuphela. 10 Abanengi bazahlanjululwa, benziwe mhlophe, bahlolwe; kodwa ababi bazakwenza okubi; njalo kakho loyedwa wababi ozaqedisisa; kodwa abahlakaniphileyo bazaqedisisa. 11 Njalo kusukela esikhathini sokususwa komnikelo oqhubekayo, lokumiswa kwesinengiso esichithayo, kuzakuba lezinsuku eziyinkulungwane lamakhulu amabili lamatshumi ayisificamunwemunye. 12 Ubusisiwe olindayo aze afinyelele ezinsukwini eziyinkulungwane lamakhulu amathathu lamatshumi amathathu lanhlanu. 13 Kodwa wena, hamba kuze kube sekupheleni; ngoba uzaphumula, ume esabelweni sakho ekupheleni kwezinsuku.

UHoseya

1 Ilizwi leNkosi elafika kuHoseya indodana kaBeyeri ensukwini zaboUziya, uJothamu, uAhazi, uHezekhiya, amakhosi akoJuda, lensukwini zikaJerobhowamu indodana kaJowasi inkosi yakolsrayeli. **2** Ukuqala kwelizwi leNkosi ngoHoseya. INkosi yasisithi kuHoseya: Hamba uzithathele umfazi wobuwule, labantwana bobuwule; ngoba ilizwe liyawula kakhulu ngokungayilandeli iNkosi. **3** Wasehamba wathatha uGomeri indodakazi kaDibilayimi; wasekhulelwa, wamzalela indodana. **4** INkosi yasisithi kuye: Biza ibizo layo uthi nguJizereyeli, ngoba kuseseyisikhatshana ngizaphindisela icala legazi leJizereyeli phezu kwendlu kaJehu, ngiwuqede umbuso wendlu kalsrayeli. **5** Kuzakuthi ngalolosuku ngephule idandili likalsrayeli esigodini seJizereyeli. **6** Wasebuya ekhulelwa, wazala indodakazi. UNkulunkulu wasesithi kuye: Biza ibizo layo uthi nguLo-Ruhama, ngoba kangisayikubuya ngihawukele indlu kalsrayeli, kodwa ngizabasusa lokubasusa. **7** Kodwa ngizayihawukela indlu yakoJuda, ngibasindise ngeNkosi uNkulunkulu wabo; njalo kangiyikubasindisa ngedandili, loba ngenkemba, loba ngempi, ngamabhiza, kumbe ngabagadi bamabhiza. **8** Esemulumulile uLo-Ruhama, wakhulelwa, wazala indodana. **9** UNkulunkulu wasesithi: Biza ibizo layo uthi nguLo-Ami; ngoba kalisibo abantu bami, ngakho mina kangisuye owenu. **10** Kube kanti inani labantwana bakolsrayeli lizakuba ngangetshebetshebe lolwandle elingeke lilinganiswe elingeke libalwe. Njalo kuzakuthi, endaweni yokuthi kuthiwe kubo: Kalisibo abantu bami; kuzakuthiwa kubo: Lingabantwana bakaNkulunkulu ophilayo. **11** Ngakho abantwana bakoJuda labantwana bakolsrayeli bazabuthaniswa ndawonye,

bazimisele inhloko eyodwa, benyuke baphume elizweni. Ngoba luzakuba lukhulu usuku lweJizereyeli.

2 Khulumani kubafowenu lithi: Ami; lakubodadewenu lithi: Ruhama. **2** Phikisanani lonyoko, liphikise, ngoba kasuye umkami, lami kangisiyo indoda yakhe, ukuthi asuse ukuwula kwakhe phambi kwami, lokufeba kwakhe ngaphakathi kwamabele akhe, **3** hlezi ngimhlubule abe nqunu, ngimbeke abe njengosukwini lokuzalwa kwakhe, ngimenze afanane lenkangala, ngimbeke njengelizwe elomileyo, ngimbulale ngokoma. **4** Labantwana bakhe kangiyikubahawukela, ngoba bangabantwana bobufebe. **5** Ngoba unina uwulile, owabazalayo wenzile ihlazo; ngoba wathi: Ngizazilandela izithandwa zami, ezingipha ukudla kwami, lamanzi ami, uboya bezimvu bami, lefilakisi yami, amafutha ami, lokunathwayo kwami. **6** Ngakho, khangela, ngizabiya indlela yakho ngameva, ngimakhele umduli ukuze angatholi imikhondo yakhe. **7** Alandele izithandwa zakhe, kodwa angazifici; uzazidinga, kodwa angazitholi. Abesesithi: Ngizahamba ngibuyele endodeni yami yokuqala, ngoba kwakungcono kimi ngalesosikhathi kulakhathe. **8** Ngoba wayengazi ukuthi mina ngamnika amabele, lewayini elitsha, lamafutha, ngamandisela isiliva legolide, abalisebenzisela uBhali. **9** Ngakho ngizabuyela, ngithathe amabele ami ngesikhathi sawo, lewayini lami elitsha ngesikhathi salo esimisiweyo, ngihluthune uboya bezimvu bami lefilakisi yami okwembesa ubunqunu bakhe. **10** Khathesi sengizakwambula ihlazo lakhe emehlweni ezithandwa zakhe, njalo kungabi khona omophulayo esandleni sami. **11** Sengizaqeda intokozo yakhe yonke, amadili akhe, ukuthwasa kwenyanga zakhe, lamasabatha akhe, lemikhosi yakhe yonke emiswiweyo. **12** Sengizachitha ivini lakhe lomkhiwa

wakhe, atsho ngakho ukuthi: Lokhu kungumvuzo wobuwule bami izithandwa zami ezinginike khona; kodwa ngizakwenza kube ligusu, ukuze inyamazana zeganga zikudle. **13** Njalo ngizaphindisela phezu kwakhe insuku zaboBhali, ayebatshisela ngazo impepha, ezicecisa ngamasongo akhe langamangqongqo akhe, walandela izithandwa zakhe, kodwa wangikhohlwa, itsho iNkosi. **14** Ngakho, khangela, ngizamhuga, ngimuse enkangala, ngikhulume enhliziyweni yakhe. **15** Ngibe sengimnika izivini zakhe kusukela lapho, lesihotsha seAkori, sibe ngumnyango wethemba. Njalo uzahlabela lapho njengensukwini zobutsha bakhe, lanjengosuku lokwenyuka kwakhe elizweni leGibhithe. **16** Kuzakuthi ngalolosuku, itsho iNkosi, ungibize uthi: Ndoda yami; ungabe usangibiza ngokuthi: Bhali wami. **17** Ngoba ngizasusa amabizo aboBhali emlonyeni wakhe, bangabe besakhunjulwa futhi ngebizo labo. **18** Langalolosuku ngizabenzela isivumelwano lenyamazana zeganga lenyoni zamazulu lezinto ezihuquzelayo zomhlaba; ngephule idandili, lenkemba, lempi kusuke emhlabeni, ngibalalise phansi bevikelekile. **19** Njalo ngizakugana ube ngowami kuze kube phakade, yebo, ngikugane ube ngowami ngokulunga langesahlulelo langothandolomusa langezihawu. **20** Yebo, ngizakugana ube ngowami ngothembeko; njalo uzayazi iNkosi. **21** Kuzakuthi ngalolosuku, ngizaphendula, itsho iNkosi, ngizaphendula amazulu, wona aphenndule umhlaba, **22** lomhlaba uphendule amabele lewayini elitsha lamafutha, khona kuphendule uJizereyeli. **23** Besengizihlanyelela yena emhlabeni, ngibe lomusa phezu kongazuzanga umusa, ngithi kwababengasibantu bami: Lina lingabantu bami; bona bathi: Nkulunkulu wami.

3 INkosi yasisithi kimi: Hamba futhi, uthande owesifazana, othandwe ngumngane wakhe kanti uyafeba, njengeNkosi

ithanda abantwana bakolsrayeli, kodwa bakhangela kwabanye onkulunkulu, bethanda izinkwa zezithelo zevini ezonyisiweyo. 2 Ngasengizithengela yena ngezinhlamvu zesiliva ezilitshumi lanhlanu, lehomeri yebhali lengxenye yehomeri yebhali. 3 Ngasengisithi kuye: Uzahlala ungowami insuku ezinengi; ungawuli, ungabi ngowenye indoda, ngokunjalo lami ngizakuba ngowakho. 4 Ngoba abantwana bakolsrayeli bazahlala insuku ezinengi bengelankosi, bengelasiphathamandla, bengelamhlatshelo, bengelansika eyisithombe, bengela-efodi lamatherafi. 5 Emva kwalokho abantwana bakolsrayeli bazaphenduka, badinge iNkosi uNkulunkulu wabo, loDavida inkosi yabo; bayesabe iNkosi lokulunga kwayo ekucineni kwezinsuku.

4 Zwanini ilizwi leNkosi, bantwana bakolsrayeli, ngoba iNkosi ilempikisano labahlali belizwe; ngoba kakulaqiniso, njalo kakulamusa, njalo kakulalwazi lukaNkulunkulu elizweni. 2 Kulokufunga, lokuqamba amanga, lokubulala, lokweba, lokufeba; bayafohla, lamacala egazi athinta amacala egazi. 3 Ngenxa yalokho ilizwe lizalila, laye wonke ohlala kilo udangele, kanye lenyamazana zeganga, njalo kanye lenyoni zamazulu; yebo lenhlanzi zolwandle zizasuswa. 4 Kodwa kakungabi khona umuntu ophikisayo, kangasoli omunye; ngoba abantu bakho banjengabaphikisana lompristi. 5 Ngakho uzakhubeka emini, yebo, lomprofethi uzakhubeka kanye lawe ebusuku; njalo ngizamchiitha unyoko. 6 Abantu bami babhujisiwe ngokuswela ulwazi; ngoba wena ulwalile ulwazi, lami ngizakwala, ukuze ungangisebenzeli njengompristi. Lokhu usuwukhohliwe umlayo kaNkulunkulu wakho, lami ngizakhohlwa abantwana bakho. 7 Njengokwanda kwabo ngokunjalo bonile kimi. Udumo lwabo

ngizaluphendula lube lihlazo. **8** Badla isono sabantu bami, baphakamisela umphefumulo wabo esiphambekweni sabo. **9** Kuzakuthi-ke njengabantu abe njalo umpristi; ngizajezisa izindlela zabo phezu kwabo, ngiphindisele izenzo zabo kubo. **10** Ngoba bazakudla, kodwa bangasuthi; bawule, kodwa bangandi; ngoba bayekele ukuqaphela iNkosi. **11** Ubuwule lewayini lewayini elitsha kususa inhliziyi. **12** Abantu bami babuza esigodweni sabo, lentonga yabo izabatshele. Ngoba umoya wokuwula ubaduhisile, ukuze bawule besuka phansi kukaNkulunkulu wabo. **13** Benza imihlatshelo engqongeni zezintaba, batshisa impepha phezu kwamaqaqa, ngaphansi kwesihlahla se-okhi, lephophula, lesihlahla esikhulu, ngoba umthunzi waso muhle. Ngenxa yalokho amadodakazi enu azawula, labomakoti benu bazafeba. **14** Kangiyikuwajezisa amadodakazi enu lapho ewula, labomakoti benu lapho befeba; ngoba bona ngokwabo bazehlukanisa lamawule, basebesenza imihlatshelo kanye lezifebe zethempeli; ngakho abantu abangelakuqedisisa bazawiselwa phansi. **15** Loba wena Israyeli uwula, uJuda kangabi lacala. Lingangeni-ke eGiligali, lingenyukeli eBeti-Aveni, lingafungilithi: Kuphila kukaJehova. **16** Ngoba ulsrayeli ujila njengejongosi eliyisiqholo; khathesi iNkosi izabelusa njengewundlu endaweni ebanzi. **17** UEfrayimi uhlangene lezithombe; myekele. **18** Okunathwayo kwabo okulamandla kusukile, bazinikela ekuwuleni, ababavikelayo bathanda ngokuthanda ihlazo. **19** Umoya ubabophele empikweni zawo, njalo bazakuba lenhloni ngenxa yemihlatshelo yabo.

5 Zwanini lokhu, bapristi, lilalele, ndlu kalsrayeli, libeke indlebe, lani ndlu yenkosi. Ngoba isahlulelo singakini, ngoba selibe ngumjibila eMizipa, lembule elendlalwe phezu kweThabho. **2**

Labahlamuki batshonisa ukuhlaba, kodwa ngizakuba ngumlayi wabo bonke. 3 Mina ngiyamazi uEfrayimi, loIsrayeli kafihlakalanga kimi; ngoba khathesi ufebile, wena Efrayimi, ulsrayeli uzingcolisile. 4 Kabaqondisi izenzo zabo ukuze baphendukele kuNkulunkulu wabo, ngoba umoya wokuwula uphakathi kwabo, leNkosi kabayazi. 5 Lokuzigqaja kukalsrayeli kuyafakaza ebusweni bakhe; ngakho ulsrayeli loEfrayimi bazakhubeka esiphambekweni sabo, loJuda uzakhubeka kanye labo. 6 Bazahamba lezimvu zabo lenkomo zabo ukuyadinga iNkosi, kodwa kabayikuyithola; imonyukile kubo. 7 Benze ngenkohliso ngakuyo iNkosi, ngoba bazele abantwana bezizweni. Khathesi inyanga ethwasayo izabaqeda lezabelo zabo. 8 Vuthelani uphondo lwenqama eGibeya, uphondo eRama, lihlabe umkhosi eBeti-Aveni lithi: Emva kwakho, wena Bhenjamini. 9 UEfrayimi uzakuba yincithakalo ngosuku lokujeziswa; phakathi kwezizwe zakolsrayeli ngikwazisile okuliqiniso. 10 Iziphathamandla zakoJuda sezinjengalabo abatshedisa umngcele; ngizathululela phezu kwabo ulaka lwami njengamanzi. 11 UEfrayimi ucindezelwe wachotshozwa ngesahlulelo, ngoba wavuma ukuhamba elandela umlayo. 12 Ngakho ngizakuba njengenundu koEfrayimi, lanjengokubola endlini yakoJuda. 13 Kwathi uEfrayimi ebona umkhuhlane wakhe, loJuda isilonda sakhe, uEfrayimi waya eAsiriya, wathumela ilizwi enkosini yeJarebhi; kodwa yona kayiyikuba lakho ukulelapha, kayiyikupholisa isilonda senu. 14 Ngoba ngizakuba njengesilwane koEfrayimi, lanjengebhongo lesilwane endlini yakoJuda. Mina, uqobo lwami, ngizadabudabula, besengihamba, ngisuse, kungabi lomophuli. 15 Ngizahamba ngibuyele endaweni yami, baze bavume icala labo, badinge ubuso bami; ekucindezelweni kwabo bazangidinga ngovivi.

6 Wozani sibuyele eNkosini, ngoba yona idwengulile, njalo izaselapha; itshayile, njalo izasibopha. **2** Izasivuselela emva kwensuku ezimbili, ngosuku lwesithathu isivuse, njalo siphile phambi kwayo. **3** Khona sizakwazi, silandele ukuyazi iNkosi; ukuphuma kwayo kulungiswe njengokusa; njalo izafika kithi njengezulu, njengezulu lemuva lelokuqala emhlabeni. **4** Ngizakwenzani kuwe, Efrayimi? Ngizakwenzani kuwe, Juda? Ngoba umusa wenu unjengeyezi lekuseni, lanjengamazolo ovivi athintithekayo. **5** Ngenxa yalokhu ngibagamule ngabaprofethi, ngababulala ngamazwi omlomo wami; lezahlulelo zakho zinjengokukhanya okuphumayo. **6** Ngoba ngaloyisa umusa, hatshi-ke umhlatshele, lolwazi lukaNkulunkulu kuleminikelo yokutshiswa. **7** Kodwa bona njengoluntu baseqile isivumelwano; lapho benza ngenkohliso kimi. **8** IGileyadi ingumuzi wabenzi bokubi, ilemikhondo yegazi. **9** Njengamaviyo abaphangi acathamele umuntu, linjalo ixuku labapristi; bayabulala endleleni yeShekema; ngoba benza inkohlakalo. **10** Endlini yakoIsrayeli ngibone into eyesabekayo; lapho kulobuwule bukaEfrayimi, ulsrayeli ungcolisiwe. **11** Lawe Juda, ukumisele isivuno, lapho ngibuyise ukuthunjwa kwabantu bami.

7 Lapho bengingelapha ulsrayeli, khona isiphambeko sikaEfrayimi sembulwa, lobubi beSamariya; ngoba benza amanga, lesela liyanga, leviyo labaphangi liyaphanga ngaphandle. **2** Njalo kabangatsho enhliziyweni yabo ukuthi ngiyabukhumbula bonke ububi babo. Khathesi izenzo zabo zibahanqile, ziphambi kobuso bami. **3** Bayayithokozisa inkosi ngobubi babo, leziphathamandla ngamanga abo. **4** Bonke bayafeba; banjengeziko elibaselwa ngumphekizinkwa, oyekela ukukhwezela umlilo kusukela ekuxoveni inhlama kuze kube

sekubileni kwayo. **5** Kulusuku lwenkosi yethu; iziphathamandla ziyigulise ngokutshisa kwewayini; yelulela isandla sayo kanye labaklolodayo. **6** Ngoba zalungisa inhliziyi yazo njengeziko ngokucathamela kwazo; umphekizinkwa wazo ulala ubusuku bonke; ekuseni libhebhe njengomlilo olelangabi. **7** Zonke ziyatshisa njengeziko; zidle abehluleli bazo; amakhosi azo wonke awile; kakulamuntu phakathi kwazo ongibizayo. **8** UEfrayimi yena uzihlanganise lezizwe; uEfrayimi uliqebelengwana elingaphendulwanga. **9** Abezizwe badla amandla akhe, kodwa yena kazi. Yebo, inwele ezimpunga zihlakazekile phezu kwakhe, kodwa yena kazi. **10** Lokuzigqaja kukalsrayeli kuyafakaza ebusweni bakhe, kodwa kababuyeli eNkosini uNkulunkulu wabo, kabayidingi ngakho konke lokhu. **11** Njalo uEfrayimi unjengejuba eliyisiphukuphuku elingelangqondo; bakhalela iGibhithe, baye eAsiriya. **12** Lapho behamba ngizakwendlala imbule lami phezu kwabo, ngibehlise njengenyoni zamazulu, ngibajezise njengokwezwakala ebandleni labo. **13** Maye kubo, ngoba babalekile kimi! Incithakalo kubo, ngoba baphambukile bemelene lami. Lanxa mina bengingabahlenga, kube kanti bona baqamba amanga bemelene lami. **14** Kabakhaleli-ke kimi ngenhliziyo yabo, lapho beqhinqa isililo emibhedeni yabo; babuthana ngenxa yamabele lewayini elitsha, bayaphambuka bemelene lami. **15** Lanxa mina ngibalaya ngiqinisa izingalo zabo, kanti baceba okubi bemelene lami. **16** Bayaphenduka kodwa kunge koPhezukonke; banjengedandili elikhohlisayo; iziphathamandla zabo ziwa ngenkamba ngenxa yentukuthelo yolimi lwabo. Lokhu kuzakuba yinhlekisa yabo elizweni leGibhithe.

8 Uphondo emlonyeni wakho. Uzakuza njengokhozi lumelene lendlu yeNkosi; ngoba sebeqe isivumelwano sami, baphambuke

bemelene lomlayo wami. **2** Bazamemeza kimi: Nkulunkulu wami, thina, ulsrayeli, siyakwazi. **3** Ulsrayeli walile okuhle; isitha sizaxotshana laye. **4** Bona babeke amakhosi, kodwa kungengami; bamisa iziphathamandla, kodwa ngangingakwazi; ngesiliva sabo legolide labo bazenzela izithombe, ukuze baqunywe. **5** Ithole lakho, Samariya, likwalile; intukuthelo yami iyavutha imelene labo; koze kube nini ukuthi banganelisi ukuba msulwa? **6** Ngoba laleli livela kolsrayeli; umbazi walenza, njalo kalisuye Nkulunkulu; kodwa ithole leSamariya lizakuba yizihlephu. **7** Ngoba behlanye umoya, bazavuna isivunguzane; kakuyikuba lamabele emiyo; ihlumela kaliyikwenza impuphu; uba mhlawumbe lingayiveza, abezizwe bazayiginya. **8** Ulsrayeli useginyiwe; khathesi baphakathi kwezizwe, njengesitsha okungelantokozo kiso. **9** Ngoba bona benyukele eAsiriya, ubabhemi weganga oyedwa ngokwakhe. UEfrayimi uqhatshe izithandwa. **10** Yebo, lanxa beqhatsha phakathi kwezizwe, sengizabaqoqa; yebo, bazaqala ukuba balutshwana ngenxa yomthwalo wenkosi yeziphathamandla. **11** Ngoba uEfrayimi wandise amalathi ngawokona, amalathi azakuba ngawokona kuye. **12** Ngimbhalele izinto ezinkulu zomlayo wami kodwa zabalwa njengento yemzini. **13** Mayelana lemihlatshelo yeminikelo yami, bahlaba inyama, bayidle, kodwa iNkosi kayithokozi ngabo. Khathesi izakhumbula ububi babo, iphindisele izono zabo; bona bazabuyela eGibhithe. **14** Ngoba ulsrayeli umkhohliwe uMenzi wakhe, wakha amathempeli; njalo uJuda wandisile imizi ebiyelweyo; kodwa ngizathumela umlilo emizini yakhe, ozaqothula izigodlo zakhe.

9 Ungajabuli, wena Israyeli, kube yinjabulo, njengezizwe, ngoba uwulile usuka kuNkulunkulu wakho; uthanda umvuzo wobuwule emabaleni wonke okubhulela amabele. **2** Ibala

lokubhulela lesikhamelo sewayini kakuyikubondla, lewayini elitsha izabakhohlisa. 3 Kabayikuhlala elizweni leNkosi, kodwa uEfrayimi uzabuyela eGibhithe, badle okungcolileyo eAsiriya. 4 Kabayikuthululela iwayini eNkosini, kabayikuyithokozisa; imihlatshelo yabo izakuba njengesinkwa sokulila kubo; bonke abasidlayo bazangcola; ngoba isinkwa sabo ngesomphefumulo wabo, kasiyikufika endlini yeNkosi. 5 Lizakwenzani ngosuku lomkhosi omisiweyo, langosuku lwedili leNkosi? 6 Ngoba khangela, bahambile ngenxa yokuchitheka, iGibhithe izababutha, iMofi ibangcwabe, izindawo zabo eziloyisekayo zesiliva, ukhula oluhlabayo luzakudla ilifa lazo, ameva abe semathenteni abo. 7 Insuku zokuhanjelwa sezifikile, insuku zempindiselo sezifikile; ulsrayeli uzakwazi; umprofethi uyisithutha, umuntu womoya uyahlanya, ngenxa yobunengi bobubi benu, lenzondo enkulu. 8 Umlindi wakoEfrayimi uloNkulunkulu wami, kodwa umprofethi uyisifu somthiyi wenyoni endleleni zakhe zonke, inzondo endlini kaNkulunkulu wakhe. 9 Bazonakalisile ngokujulileyo njengensukwini zeGibeya. Uzakhumbula ububi babo, ajezise izono zabo. 10 Ngamthola ulsrayeli njengezithelo zevini enkangala, ngababona oyihlo njengezithelo zokuqala emkhiweni ekuqaleni kwazo. Kodwa bona baya eBhali-Peyori, bazehlukanisela lelohlazo, baba ngokunengekayo njengokuthanda kwabo. 11 NgoEfrayimi, udumo lwabo luzaphapha luhambe njengenyoni, kusukela ekuzalweni, njalo kusukela esiswini, njalo kusukela ekumithweni. 12 Loba bekhulisa abantwana babo, kube kanti ngizabenza bafelwe, kungasali muntu. Yebo-ke, maye kubo ekusukeni kwami kubo! 13 UEfrayimi, njengokubona kwami iTire, uhlanyelwe endaweni yokuhlala; kodwa uEfrayimi uzakhuphela abantwana bakhe kumbulali.

14 Banike, Nkosi! Uzanikani? Banike isizalo esiphunzayo, lamabele omileyo. 15 Bonke ububi babo buseGiligali, ngoba ngabazonda khona, ngenxa yobubi bezenzo zabo, ngizabaxotsha endlini yami, kangisayikubathanda; zonke iziphathamandla zabo zingabahlamuki. 16 UEfrayimi utshayiwe; impande yabo yomile, kabayikuthela isithelo; yebo loba bezala, ngizabulala izithelo zesizalo sabo ezithandekayo. 17 UNkulunkulu wami uzabala, ngoba kabamlaleli; bazakuba ngabazulayo phakathi kwezizwe.

10 USrayeli ulivini elithululwayo, lizenzela izithelo; njengobunengi bezithelo zakhe wandisa amalathi akhe; ngobuhle belizwe lakhe wenza insika zakhe eziyizithombe zibe zinhle. 2 Iyehlukanisile inhliziyoyabo; khathesi bazakuba lecala; yona izabhidliza amalathi abo, ichithe insika zabo eziyizithombe. 3 Ngoba khathesi bazakuthi: Kasilankosi; ngoba kasimesabanga uJehova; pho, inkosi izakwenzani kithi? 4 Bakhulume amazwi, befunga amanga besenza isivumelwano; ngakho isahlulelo sizahluma njengokhula oluyitshefu emifolweni yensimu. 5 Abahlali beSamariya bazakwesaba ngenxa yethole leBeti-Aveni; ngoba abantu bayo bazalililela, labapristi balo ababethokoza ngalo, ngodumo lwalo, ngoba lusukile kulo. 6 Yebo, lizathwalelwa eAsiriya, libe yisipho enkosini uJarebhi. UEfrayimi uzakuba lenhloni, loIsrayeli ayangeke ngenxa yeseluleko sakhe. 7 ISamariya iqunyiwe, lenkosi yayo injengebazelo ebusweni bamanzi. 8 Lendawo eziphakemeyo zeAveni, isono sikaisrayeli, kuzachithwa; ameva lokhula oluhlabayo kuzamila phezu kwamalathi abo. Njalo bazakuthi ezintabeni: Sisibekeleni; lemaqageni: Welani phezu kwethu. 9 Kusukela ensukwini zeGibeya wonile, Israyeli; lapho bema; impi eGibeya emelene labantwana bobubi kayibaficanga. 10 Kusesiloyisweni sami

ukubajezisa; izizwe zizabuthana zimelene labo, lapho ngizababopha ngenxa yeziphambeko zabo ezimbili. **11** Njalo uEfrayimi ulithokazi elifundisiweyo, elithanda ukubhula, kodwa mina ngedlule phezu kwentamo yakhe yobuhle; ngigadise uEfrayimi, uJuda uzalima, uJakobe uzaziharela. **12** Zihlanyeleleni ekulungeni, livune emuseni; qhathani ingqatho yenu; ngoba sekuyisikhathi sokuyidinga iNkosi, ize ifike, inise ukulunga phezu kwenu. **13** Lilime inkohlakalo, lavuna isiphambeko, lidle izithelo zamanga; ngoba lithembele endleleni yenu, ebunengini bamaqhawe enu. **14** Ngalokho kuzakuba khona ukuxokozela phakathi kwabantu bakho, lenqaba zakho zonke zizachithwa, njengalokhu uShalimani wachitha iBeti-Aribeli ngosuku lwempi; unina wachotshozwa phezu kwabantwana. **15** Izakwenza njalo iBhetheli kini, ngenxa yobubi bobubi bakho; emadabukakusa inkosi yakolsrayeli izaqunywa lokuqunywa.

11 Ulsrayeli esengumntwana ngamthanda, ngayibiza indodana yami ukuthi iphume eGibhithe. **2** Kwathi bebabiza, ngokunjalo basuka phambi kwabo; bahlabela oBhali, batshisela izithombe ezibaziweyo impepha. **3** Mina-ke ngacathulisa uEfrayimi; ngababamba ngezingalo zabo; kodwa kabazanga ukuthi ngibelaphile. **4** Ngabadonsa ngamagoda omuntu, ngentambo zothando, ngaba kibo njengalabo abasusa ijogwe ezihlathini zabo, ngakhothama kubo, ngabanika ukudla. **5** Kayikubuyela elizweni leGibhithe, kodwa umAsiriya yena uzakuba yinkosi yakhe, ngoba balile ukuphenduka. **6** Inkemba izatheleka emizini yakhe, iqede imigoqo yakhe, ibadle, ngenxa yamacebo abo. **7** Njalo abantu bami banamathela ekuhleloleni muva kimi; lanxa bebabizela koPhezukonke, kakho ngitsho

owayengamphakamisa. **8** Ngizakunikela njani, Efrayimi? Ngikudele njani, Israyeli? Ngizakwenza njani ube njengeAdima? Ngikubeke njani njengeZeboyimi? Inhliziyo yami isiphendukile phakathi kwami, izihawu zami ziyakhudumala kanyekanye. **9** Kangiyikwenza ukuvutha kolaka lwami; kangiyikubuyela ngichithe uEfrayimi; ngoba nginguNkulunkulu, kangisuye umuntu, oNgcwele phakathi kwakho; kangiyikungena emzini. **10** Bazayilandela iNkosi; izabhonga njengesilwane; lapho yona isibhonga, khona abantwana bazavela entshonalanga beqhaq hazela. **11** Bazaqhaq hazela njengenyoni evela eGibhithe, lanjengejuba elivela elizweni leAsiriya; njalo ngizabenza bahlale ezindlini zabo, itsho iNkosi. **12** UEfrayimi ungizingelezele ngamanga, lendlu kalsrayeli ngenkohliso; kodwa uJuda usabusa loNkulunkulu, uthembekile kanye labangcwele.

12 UEfrayimi udla umoya, axotshane lomoya wempumalanga; usuku lonke wandisa amanga lencithakalo; benza isivumelwano leAsiriya, lamafutha athwalelwa eGibhithe. **2** INkosi layo ilengxabano loJuda, izahambela uJakobe ngokwendlela zakhe, imphindisele ngokwezenzo zakhe. **3** Esiswini wabamba umfowabo ngesithende, langamandla akhe wabindana loNkulunkulu. **4** Yebo, waba lamandla phezu kwengilosu, wanqoba, wakhala inyembezi wayincenga; eBhetheli wamthola, lalapho wakhuluma lathi. **5** Ngitsho iNkosi, uNkulunkulu wamabandla, iNkosi iyisikhumbuzo sayo. **6** Ngakho wena, phendukela kuNkulunkulu wakho, gcina umusa lokulunga, ulindele uNkulunkulu wakho njalonjalo. **7** Ungumthengisi, izilinganiso ezikhohlisayo zisesandleni sakhe, uthanda ukucindezela. **8** LoEfrayimi uthi: Kanti nginothile, sengizitholele inotho; kuyo yonke imitshikatshika yami kabayikuthola ububi

kimi, obuyisono. **9** Kodwa ngiyiNkosi, uNkulunkulu wakho, kusukela elizweni leGibhithe; ngisezakuhlalisa emathenteni njengensukwini zomkhosi omisiweyo. **10** Ngizakhuluma futhi labaprofethi, mina ngandise umbono, ngisebenzise imifanekiso ngesandla sabaprofethi. **11** Bukhona yini ububi eGileyadi? Isibili bayize, bahlababazizinkunzi eGiligali; yebo, amalathi abo anjengenqumbi emiseleni yamasimu. **12** Kanti uJakobe wabalekela elizweni leSiriya, Iolstrayeli wasebenzela umfazi, welusa izimvu ngenxa yomfazi. **13** Langomprofethi iNkosi yamenyusa ulstrayeli eGibhithe, langomprofethi walondolozwa. **14** UEfrayimi uyicunule ngobuhlungu obukhulu; ngakho izayekela igazi lakhe phezu kwakhe, leNkosi yakhe ilibuyisele kuye ihlazo lakhe.

13 Lapho uEfrayimi ekhuluma kwakulokuqhuqha, waziphakamisa kolstrayeli; kodwa waba lecala ngoBhali, wafa. **2** Khathezi-ke baqhubeka besona, bazenzela izithombe ezibunjwe ngokuncibilikisa zesiliva sabo, izithombe njengokuqedisisa kwabo, zonke zingumsebenzi wezingcitshi; abathi ngazo: Abantu abanikela imihlatshelo bazakwanga amathole. **3** Ngakho bazakuba njengeyezi lekuseni, lanjengamazolo ovivi ahambayo; njengomule ophetshulwa yisivunguzane ebaleni lokubhulela, njengentuthu ephuma etshiminini. **4** Kube kanti mina ngiyiNkosi, uNkulunkulu wakho, kusukela elizweni leGibhithe; ngakho kawuyikwazi unkulunkulu ngaphandle kwami, ngoba kakho umsindisi ngaphandle kwami. **5** Mina ngakwazi enkangala, elizweni elomileyo kakhulu. **6** Njengokwedlelo labo, ngokunjalo basutha; basutha, lenhliziyo yabo yaphakama; ngenxa yalokho bangikhohlwa. **7** Ngakho ngizakuba kubo njengesilwane, njengengwe endleleni ngizabacathamela. **8** Ngizabahlangabeza

njengebhere elithathelwe imidlwane, ngidabule isisibekelo senhliziyo yabo, ngibadlele lapho njengesilwane; isilo seganga sizabadabudabula. **9** Kukuchithile, Israyeli, kodwa kimi kulosizo lwakho. **10** Pho, ingaphi inkosi yakho, ukuthi ikusindise emizini yakho yonke? Labehluleli bakho owathi ngabo: Nginike inkosi leziphathamandla? **11** Ngakunika inkosi ekuthukutheleni kwami, ngayisusa ngolaka lwami. **12** Ububi bukaEfrayimi bubotshiwe, isono sakhe sibekiwe. **13** Insizi zowesifazana ohelelwayo zizamfikela; uyindodana engahlakaniphanga, ngoba ingehlale isikhathi emlonyeni wesizalo sabantwana. **14** Ngizabenzela inhlawulo yokuthula emandleni engcwaba, ngibahlenge ekufeni. Kufa, bangaphi omatshayabhuqe bezifo zakho? Ngcwaba, ingaphi incithakalo yakho? Uphenduko luzasitheliswa emehlweni ami. (Sheol h7585) **15** Loba yena engaveza izithelo phakathi kwabafowabo, kuzafika umoya wempumalanga, umoya weNkosi, usenyuka enkangala, lomthombo wakhe uzakutsha, kome lesiphethu sakhe; wona uzaphanga okuligugu kwazo zonke izitsha eziloyisekayo. **16** ISamariya izakuba lunxiwa, ngoba ihlamukele uNkulunkulu wayo; bazakuwa ngenkemba, labantwana babo bachotshozwe, labesifazana babo abakhulelweyo baqhaqhwe.

14 Buyela, Israyeli, eNkosini, uNkulunkulu wakho; ngoba ukhubekile ngesiphambeko sakho. **2** Thathani amazwi lani, libuyele eNkosini, lithi kiyo: Susa bonke ububi, usemukele ngomusa; ngakho sizabhadala amajongosi endebe zethu. **3** IAsiriya kayiyikuisindisa, kasiyikugada amabhiza; kasisayikutsho kuyo imisebenzi yezandla zethu ukuthi: Lingonkulunkulu bethu; ngoba kuwe intandane izatshengiswa umusa. **4** Ngizakwelapha ukuhlelela muva kwabo, ngizabathanda

ngesihle, ngoba intukuthelo yami iphanjulwe kuye. **5** Ngizakuba njengamazolo kulSrayeli; uzakhahlela njengomduze, agxilise impande zakhe njengeLebhanoni. **6** Amahlumela akhe azanaba, lenkazimulo yakhe ibe njengesihlahla somhlwathi, abe lephunga njengeLebhanoni. **7** Bazabuyela abahlala emthunzini wakhe, bavuseleleke njengamabele, bakhahlele njengevini, isikhumbuzo sakhe sibe njengewayini leLebhanoni. **8** Efrayimi, ngiseselani lezithombe? Mina ngimphendule, ngimnanzelele; ngibe njengefiri eliluhlaza; isithelo sakho sifunyanwa kimi. **9** Ngubani ohlakaniphileyo aqedisise lezizinto? Ngubani okhaliphileyo azazi? Ngoba indlela zeNkosi ziqondile, labalungileyo bazahamba ngazo, kodwa abaphambuki bazakhubeka kuzo.

UJoweli

1 Ilizwi leNkosi elafika kuJoweli indodana kaPethuweli. **2** Zwanini lokhu, badala, libeke indlebe, lonke bahlali belizwe. Kwake kwenzeka lokhu yini ensukwini zenu, kumbe lensukwini zaboyihlo? **3** Landiselani abantwana benu ngakho, labantwana benu abantwana babo, labantwana babo esinye isizukulwana. **4** Okutshiywe zintothoviyane isikhonyane sikudlile; lokutshiywe yisikhonyane iqhwagi likudlile; lokutshiywe liqhwagi inswabanda ikudlile. **5** Phaphamani, zidakwa, likhale inyembezi, liqhinqe isililo, lonke banathi beyayini, ngenxa yewayini elitsha, ngoba liqunyiwe lasuka emlonyeni wenu. **6** Ngoba isizwe senyukele elizweni lami, esilamandla, esingelanani; amazinyo aso angamazinyo esilwane, silamazinyo emihlathi esilwane esisikazi. **7** Senze ivini lami laba yincithakalo, lesihlahla sami somkhiwa saba zimvava; sakwebula lokukwebula, sakuphosela phansi, ingatsha zakho zaba mhlophe. **8** Qhinqani isililo njengentombi emsulwa ebhinciswe isaka ngenxa yomyeni wobutsha bayo. **9** Umnikelo wokudla lomnikelo wokunathwayo uqunyiwe wasuka endlini yeNkosi. Abapristi, izikhonzi zeNkosi, bayalila. **10** Insimu ichithiwe, umhlabathi uyalila; ngoba amabele achithiwe, iwayini elitsha lomile, amafutha aphela amandla. **11** Banini lenhloni, balimi, qhinqani isililo, baphathizivini, ngenxa yengqoloyi langenxa yebhali; ngoba isivuno sensimu sichithekile. **12** Ivini libunile, lomkhiwa uphele amandla; ipomegranati, lesihlahla selala, lesihlahla se-aphula, zonke izihlahla zeganga zomile, ngoba intokozo ibunile yasuka ebantwaneni babantu. **13** Bhincani, lilile, bapristi, qhinqani isililo, zikhonzi zelathi. Wozani, lilale ebusuku emasakeni, zikhonzi zikaNkulunkulu wami; ngoba umnikelo wokudla lomnikelo wokunathwayo kugodliwe endlini

kaNkulunkulu wenu. **14** Yehlukanisani ukuzila ukudla, libize umhlangano onzulu, libuthanise abadala, labo bonke abahlali belizwe, endlini yeNkosi uNkulunkulu wenu, likhale eNkosini. **15** Maye ngalolosuku! Ngoba usuku lweNkosi luseduze, luzafika njengencithakalo evela kuSomandla. **16** Ukudla kakuqunywanga yini phambi kwamehlo ethu, ukuthaba lentokozo kusuka endlini kaNkulunkulu wethu? **17** Inhlanyelo iyabola ngaphansi kwamagade ayo; izibuya zingamanxiwa, iziphala zidilizelwe phansi, ngoba amabele abunile. **18** Yeka ukububula kwezifuyo! Imihlambi yenkomo ididekile, ngoba kayilalo idlelo; lemihlambi yezimvu iyahlupheka. **19** Ngiyakhala kuwe, Nkosi, ngoba umlilo uqedile amadlelo enkangala, lelangabi lilumathise zonke izihlahla zeganga. **20** Lenyamazana zeganga ziyakhala kuwe, ngoba izifudlana zamanzi zitshile, lomlilo uqede amadlelo enkangala.

2 Vuthelani uphondo eZiyoni, lihlabe umkhosi entabeni yami engcwele; kabathuthumele bonke abahlali belizwe, ngoba usuku lweNkosi luyeza, ngoba luseduze. **2** Usuku lomnyama lobumnyama, usuku lwamayezi lomnyama onzima, njengemadabukakusa lembese phezu kwezintaba; isizwe esikhulu lesilamandla, kakuzanga kube khona esinjengaso kusukela endulo, futhi kakusayikuba khona emva kwaso kuze kube yiminyaka yezizukulwana lezizukulwana. **3** Umlilo uyaqeda phambi kwaso, langemva kwaso kuvutha ilangabi. Phambi kwaso ilizwe lifanana lesivande seEdeni, kodwa ngemva kwaso liyinkangala yencithakalo; yebo kakulakuphunyuka kuso. **4** Isimo saso sinjengesimo samabhiza, lanjengabagadi bamabhiza ngokunjalo bazagijima. **5** Bazakweqa njengomsindo wezingqola ezingqongeni zezintaba, njengomsindo welangabi lomlilo oqeda izidindi, njengabantu abalamandla abahlelelwe

imilayo yakhe; 3 ngoba lolu luthando lukaNkulunkulu, ukuthi sigcine imilayo yakhe; lemilayo yakhe kayinzima. 4 Ngoba konke okuzelwe nguNkulunkulu kuyawunqoba umhlaba; lalokho yikunqoba okunqoba umhlaba, ukholo lwethu. 5 Ngubani onqoba umhlaba, ngaphandle kokholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu? 6 Lo nguye oweza ngamanzi legazi, uJesu Kristu; kungeyisikho ngamanzi kuphela, kodwa ngamanzi legazi. LoMoya nguye ofakazayo, ngoba uMoya uliqiniso. 7 Ngoba bathathu abafakazayo ezulwini, uYise, uLizwi, loMoya oNgcwele; laba abathathu banye. 8 Njalo bathathu abafakazayo emhlabeni, uMoya, lamanzi, legazi; laba abathathu bahlanganyela intonye. 9 Uba sisemukela ubufakazi babantu, ubufakazi bukaNkulunkulu bukhulu; ngoba lobu yibufakazi bukaNkulunkulu, abufakazileyo ngeNdodana yakhe. 10 Okholwa eNdodaneni kaNkulunkulu ulobufakazi phakathi kwakhe ngokwakhe; ongakhohwa uNkulunkulu, umenze abe ngumqambimanga, ngoba engakhohwanga ubufakazi uNkulunkulu abufakazileyo ngeNdodana yakhe. 11 Yilobu-ke ubufakazi, ukuthi uNkulunkulu usinikile impilo elaphakade, lale impilo iseNdodaneni yakhe. (aiōnios g166) 12 Olayo iNdodana ulempilo; ongelayo iNdodana kaNkulunkulu kalampilo. 13 Lezizinto ngizibhalela lina elikhohwa ebizweni leNdodana kaNkulunkulu, ukuze lazi ukuthi lilempilo elaphakade, lokuze likholwe ebizweni leNdodana kaNkulunkulu. (aiōnios g166) 14 Njalo yilesi isibindi esilaso kuye, ukuthi uba sicela ulutho ngokwentando yakhe, uyasizwa; 15 uba-ke sisazi ukuthi uyasizwa, loba yini esiyicelayo, siyazi ukuthi sesilezicelo esizicela kuye. 16 Uba umuntu ebona umzalwane wakhe esona isono esingasi ekufeni, uzacela, njalo uzamnika impilo labo abangonelanga ekufeni.

Sikhona isono esisa ekufeni; kangitsho ukuthi ancenge ngaleso;
17 konke ukungalungi kuyisono; njalo kukhona isono esingasi
ekufeni. 18 Siyazi ukuthi wonke ozelwe nguNkulunkulu koni;
kodwa ozelwe nguNkulunkulu uyazigcina, lomubi kamthinti.
19 Siyazi ukuthi singabakaNkulunkulu, lokuthi umhlaba wonke
ulele ebubini. 20 Njalo siyazi ukuthi iNdodana kaNkulunkulu
isifikile, yasinika ukuqedisisa ukuze simazi oweqiniso; njalo
sikuye oweqiniso, eNdodaneni yakhe uJesu Kristu. Yena
unguNkulunkulu weqiniso, lempilo elaphakade. (aiōnios g166) 21
Bantwanyana, zilondolozeni ezithombeni. Amen.

2 UJohane

1 Umdala kunkosikazi ekhethiweyo lakubantwana bayo, mina engibathanda ngeqiniso, njalo kungeyisimi ngedwa kodwa labo bonke asebelazi iqiniso, **2** ngenxa yeqiniso elihlala kithi, lelizakuba lathi kuze kube nininini: **(aiōn g165)** **3** Kakube lani umusa, isihawu, ukuthula okuvela kuNkulunkulu uYise, leNkosini uJesu Kristu iNdodana kaBaba, eqinisweni lethandweni. **4** Ngathokoza kakhulukazi ukuthi ngithole ebantwaneni bakho abahamba eqinisweni, njengoba semukela umlayo kuYise. **5** Khathezi-ke ngiyakuncenga, nkosikazi, kungenjengokuthi ngikubhalela umlayo omutsha, kodwa lowo esasilawo kusukela ekuqaleni, ukuze sithandane. **6** Njalo yilolu uthando, ukuthi sihambe ngokwemilayo yakhe. Yilo umlayo, njengoba lezwa kusukela ekuqaleni, ukuthi lihambe kiwo. **7** Ngoba abakhohlisi abanengi sebengene emhlabeni abangavumiyo ukuthi uJesu Kristu weza enyameni. Lo ngumkhohlisi lomphikuKristu. **8** Ziqapheleni ukuze singalahlekelwa yizinto esesizisebenzile, kodwa semukele umvuzo ophelileyo. **9** Wonke oweqayo njalo ongahlali emfundisweni kaKristu, kalaNkulunkulu; ohlala emfundisweni kaKristu, lowo ulabo bobabili uYise leNdodana. **10** Uba kufika umuntu kini, njalo engalethi le imfundiso, lingamemukeli endlini, futhi lingambingeleli; **11** ngoba lowo ombingelelayo, uhlanganyela lemisebenzi yakhe emibi. **12** Ngilezinto ezinengi zokulibhalela, kangithandanga ukubhala ngephepha leyinki; kodwa ngithemba ukuza kini, ngikhulume lani umlomo ngomlomo, ukuze intokozo yethu igcwale. **13** Abantwana bakadadewenu okhethiweyo bayakubingelela. Ameni.

3 UJohane

1 Umdala, kuye uGayusi othandekayo, mina engimthanda ngeqiniso. **2** Sithandwa, kuzo zonke izinto ngifisa ukuthi uphumelele njalo uphile, njengalokhu umphefumulo wakho uphumelela. **3** Ngoba ngathokoza kakhulukazi, lapho kufika abazalwane, befakazela iqiniso lakho, njengoba wena uhamba eqinisweni. **4** Kangilantokozo enkulu edlula lezizinto, ukuthi ngizwe ukuthi abantwana bami bahamba eqinisweni. **5** Sithandwa, wenza ngokuthembeka loba yikuphi okwenza kubazalwane lakwabemzini, **6** abafakazele uthando lwakho phambi kwebandla; uzakwenza kuhle uba ubaphelekezela ngokufanele uNkulunkulu. **7** Ngoba ngenxa yebizo lakhe baphumile bengemukeli lutho kwabezizwe. **8** Ngakho thina sifanele ukubemukela abanjalo, ukuze sibe yizisebenzi kanye leqiniso. **9** Ngabhalela ibandla; kodwa uDiyotrefe othanda ukuba ngowokuqala kubo kasemukeli. **10** Ngakho, uba ngifika, ngizakhumbuza imisebenzi yakhe ayenzayo, uyasihleba ngamazwi amabi; futhi kakholiswa yilezizinto, yena uqobo kemukeli abazalwane, uyabalela lalabo abathanda ukukwenza, njalo uyabaxotsha ebandleni. **11** Sithandwa, ungakulingiseli okubi, kodwa okuhle. Owenza okuhle ungokaNkulunkulu; kodwa owenza okubi kambonanga uNkulunkulu. **12** NgoDemetriyu kufakazwe yibo bonke, langeqiniso uqobo; lathi futhi siyafakaza, lani liyazi ukuthi ubufakazi bethu buqinisile. **13** Bengilezinto ezinengi zokubhala, kodwa kangithandi ukukubhalela ngeyinki losiba; **14** kodwa ngithemba ukukubona masinyane, sibe sesikhuluma umlomo ngomlomo. Ukuthula kakube kuwe. Abangane bayakubingelela. Bingelela abangane ngamabizo.

UJuda

1 UJuda inceku kaJesu Kristu, lomfowabo kaJakobe, kwabangcwelise nguNkulunkulu uBaba, labagcinwe nguJesu Kristu, ababiziweyo: **2** Kakwandise kini isihawu lokuthula lothando. **3** Bathandekayo, lapho ngisenza yonke inkuthalo yokulibhalela ngosindiso oluhlanganyelwayo, ngaswela ukulibhalela ngilikhuthaze ukuthi lilwele ngoqotho ukholo olwanikwa kanye abangcwele. **4** Ngoba sekungenile ngokunyanya abantu abathile, ababhalelwa ngaphambili lokhukulahlwa kudala, abeyisa uNkulunkulu, abaphendula umusa kaNkulunkulu wethu ube ngamanyala, njalo bephika uMbusi oyedwa uNkulunkulu, leNkosi yethu uJesu Kristu. **5** Kodwa ngithanda ukulikhumbuza, loba belikwazi lokhu kanye, ukuthi iNkosi, isisindise isizwe elizweni iGibhithe, yabuye yababhubhisa labo abangakhohlwanga. **6** Lengilosi ezingagcinanga ubukhosi bazo bakuqala, kodwa zatshiya eyazo indawo yokuhlala, uzigcinele isigwebo sosuku olukhulu, ngezibopho ezaphakade ngaphansi kobumnyama. (aidios g126) **7** NjengeSodoma leGomora lemizi eyizingelezeleyo, ezinikele ekuphingeni ngendlela efanana lalezo, isilandele enye inyama, yenziwa isibonelo obala, yahlupheka isijeziso somlilo ophakade. (aiōnios g166) **8** Ngokunjalo lalaba bephupha bayona inyama, njalo badelela ukubusa, bahlambaze ubukhosi. **9** Kanti uMikayeli ingilosi eyinduna, lapho ebanga lodiya bhola ephikisa ngesidumbu sikaMozisi, kabanga lesibindi sokumlethela isigwebo senhlamba, kodwa wathi: INkosi kayikukhalimele. **10** Kodwa laba bathuka konke abangakwaziyo; lakho konke abakwaziyo ngemvelo njengezinyamazana ezingelangqondo, bazonakalisa kulezizinto. **11** Maye kubo! Ngoba bahambe

ngendlela kaKhayini, futhi baziwisele ekuduheni kukaBalami ngenxa yenzuzo, lenkanini kaKora babhubhile. **12** Laba bayizici emadilini enu othando, nxa beledili lani, ngokungesabi bayazondla; amayezi angelamanzi, bephetshulwa yimimoya; izihlahla zamaphethelo ekwindla, ezingelazithelo, ezife kabili, sezisitshulwe; **13** amagagasi olwandle aphosekayo, abhubhudla awazo amahlazo; inkanyezi eziduhayo, okugcinelwe bona ubumnyama bomnyama kuze kube phakade. (aiōn g165) **14** Njalo uEnoki laye owesikhombisa kusukela kuAdamu waprofetha ngabo esithi: Khangela, iNkosi yafika labangcwele bayo abayizigidi, **15** ukwenza isigwebo esimelana labo bonke, lokubalahla bonke abeyisa uNkulunkulu phakathi kwabo ngenxa yezenzo zabo zonke zokungesabi uNkulunkulu abazenzayo beseyisa uNkulunkulu, langawo wonke amazwi anzima izoni ezeyisa uNkulunkulu eziwakhulume emelene laye. **16** Laba ngabangungunayo, abasolayo, behamba ngokwenkanuko zabo, lomlomo wabo ukhuluma izinto zokuzikhukhumeza, bebuka abantu ngenxa yenzuzo. **17** Kodwa lina bathandekayo, khumbulani amazwi akhulunywa ngaphambili ngabaphostoli beNkosi yethu uJesu Kristu; **18** ukuthi bathi kini, kuzakuba khona abahleka usulu ngesikhathi sokucina, behamba ngokwenkanuko zabo zokweyisa uNkulunkulu. **19** Yibo laba abenza izehlukaniso, bangabemvelo, kabalaMoya. **20** Kodwa lina, bathandekayo, lizakhe ekholweni lwenu olungcwele kakhulu, likhuleke likuMoya oNgcwele, **21** zigcineni ethandweni lukaNkulunkulu, lilindele isihawu seNkosi yethu uJesu Kristu kuze kube sempilweni elaphakade. (aiōnios g166) **22** Beselibahawukela abanye lehlukanise; **23** kodwa lisindise abanye ngokwesaba libahluthuna emlilweni, lizonda lesembatho esoniwe ngokuvela enyameni. **24** Kuye-ke olamandla

okulilinda ekukhubekeni, lokulimisa phambi kwenkazimulo yakhe
lingelasici entokozweni enkulu, 25 kuye uNkulunkulu yedwa
ohlakaniphileyo uMsindisi wethu, kakube inkazimulo lobukhulu,
ubukhosi lamandla, lakhathesi lakulo lonke iphakade. Ameni.
(aiōn g165)

leFiladelfiya, leLawodikeya. **12** Ngasengitshibilika ukuze ngibone ilizwi elikhuluma lami. Sengitshibilikile ngabona iziqobane zezibane zegolide eziyisikhombisa, **13** laphakathi kweziqobane zezibane eziyisikhombisa onjengeNdodana yomuntu, embethe isembatho esifika ezinyaweni futhi ezibophe ezithandele ngeqhele legolide emabeleni; **14** njalo ikhanda lakhe lenwele zakhe kwakumhlophe njengoboya bezimvu, njengeliqhwa elikhithikileyo; lamehlo akhe enjengelangabi lomlilo, **15** lenyawo zakhe zazinjengethushi elikhazimulayo, njengelivutha esithandweni; lelizwi lakhe lalinjengenhlokomo yamanzi amanengi; **16** futhi elenkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, lemlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali inhlangothi zombili; lobuso bakhe bunjengelanga elikhanya emandleni alo. **17** Njalo ngathi ngimbona, ngawela ngasezinyaweni zakhe njengofileyo; wasebeka isandla sakhe sokunene phezu kwami esithi kimi: Ungesabi; mina ngingowokuqala lowokucina, **18** lophilayo; njalo ngangifile futhi khangela, ngiyaphila kuze kube nini lanini. Amen. Njalo ngilezihluthulelo zesihogo lezokufa. (αἰὼν ἁἰῶν **g165, Hadēs g86**) **19** Bhala izinto ozibonileyo, lezinto ezikhona, lezinto ezizakuba khona emva kwalezi: **20** Imfihlo yenkanyezi eziyisikhombisa ozibonileyo esandleni sami sokunene, leziqobane zezibane zegolide eziyisikhombisa. Inkanyezi eziyisikhombisa ziyizithunyuwa zamabandla ayisikhombisa; leziqobane zezibane eziyisikhombisa ozibonileyo zingamabandla ayisikhombisa.

2 Kuso isithunyuwa sebandla leEfesu bhala uthi: Lezizinto uyazitsho lowo ophethe inkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, ohamba phakathi kweziqobane zezibane zegolide eziyisikhombisa, **2** uthi: Ngiyayazi imisebenzi yakho, lomsebenzi wakho onzima, lokubekezela kwakho, lokuthi

ungebamele ababi, lokuthi ubahlolile labo abazithi bangabaphostoli kodwa bengeyisibo, wasubathola bengabaqambimanga, 3 wasuthwala, ulokubekezela, wakhuthala ngenxa yebizo lami, kawudinwanga. 4 Kodwa ngilokumelene lawe ukuthi udelile uthando lwakho lwakuqala. 5 Ngakho khumbula lapho owe khona, ubusuphenduka wenze imisebenzi yakuqala; uba kungenjalo, ngizakuza kuwe ngokuphangisa, ngizasusa isiqobane sesibane sakho endaweni yaso, uba ungaphenduki; 6 kanti ulalokhu ukuthi uyayizonda imisebenzi yamaNikolayitha, engiyizondayo lami. 7 Lowo olendlebe kezwe lokho akutshoyo uMoya emabandleni. Onqobayo ngizamnika ukuthi adle okwesihlahla sempilo esiphakathi kweParadise likaNkulunkulu. 8 Lakuso isithunywa sebandla leSemerna bhala uthi: Lezizinto utsho owokuqala lowokucina, owayefile njalo uyaphila: 9 Ngiyayazi imisebenzi lokuhlupheka lobuyanga bakho (kanti unothile) lenhlamba yalabo abathi bangamaJuda, kanti bengeyisiwo, kodwa belisinagoge likaSathane. 10 Ungesabi lutho lwalezozinto ozahlupheka ngazo; khangela udiyabhola uzaphosela abanye kini entolongweni, ukuze lilingwe; futhi lizakuba lenhlupheko insuku ezilitshumi. Bana ngothembekileyo kuze kube sekufeni, njalo ngizakunika umqhele wempilo. 11 Olendlebe kezwe lokho akutshoyo uMoya emabandleni. Onqobayo kasoze alinyazwa yikufa kwesibili. 12 Lakuso isithunywa sebandla elisePergamo bhala uthi: Lezizinto utsho lowo olenkamba ebukhali inhlangothi zombili: 13 Ngiyayazi imisebenzi yakho, lalapho ohlala khona, lapho okukhona isihlalo sobukhosi sikaSathane; njalo ugcinile ibizo lami, kawuphikanga ukholo lwami, ngitsho ensukwini zikaAntipasi, umfakazi wami othembekileyo, owabulawelwa

phakathi kwenu, lapho uSathane ahlala khona; **14** kodwa ngilezinto ezinlutshwana ezimelene lawe, ukuthi ulabo lapho ababambelela emfundisweni kaBalami, owafundisa uBalaki ukuphosa isikhubekiso phambi kwabantwana bakolsrayeli, sokuthi badle okuhlatshelewe izithombe lokuthi baphinge. **15** Ngokunjalo lawe ulabo ababambelela emfundisweni yamaNikolayitha, into engiyizondayo. **16** Phenduka; uba kungenjalo, ngizakuza kuwe ngokuphangisa, ngizakulwa ngimelene labo ngenkemba yomlomo wami. **17** Olendlebe kezwe lokho akutshoyo uMoya emabandleni. Onqobayo ngizamnika ukuthi adle okwemana efihliweyo, njalo ngizamnika ilitshe elimhlophe, laphezu kwelitshe ibizo elitsha elilotshiweyo, okungelamuntu olaziyo ngaphandle kolemukelayo. **18** Lakuso isithunywa sebandla eliseTiyathira bhala uthi: Lezizinto itsho iNdodana kaNkulunkulu, elamehlo ayo anjengelangabi lomlilo, lenyawo zayo zifanana lethusi elikhazimulayo: **19** Ngiyayazi imisebenzi yakho, lothando, lokukhonza, lokholo, lokubekezela kwakho, lemisebenzi yakho, ukuthi eyokucina minengi kuleyokuqala. **20** Kodwa ngilezinto ezinlutshwana ezimelene lawe, ukuthi uvumele owesifazana uJezebeli, ozibiza ngokuthi ungumprofethikazi, ukufundisa aduhise inceku zami, ukuthi ziphinge lokuthi zidle okuhlatshelewe izithombe. **21** Futhi ngamnika ithuba lokuthi aphenduke ekufebeni kwakhe, njalo kaphendukanga. **22** Khangela mina ngizamphosela embhedeni, labaphingayo laye ekuhluphekeni okukhulu, uba bengaphenduki emisebenzini yabo. **23** Njalo ngizabulala abantwana bakhe ngokufa; lamabandla wonke azakwazi ukuthi nginguye ohlola izinso lezinhliziyo; futhi ngizalinika, ngulowo lalowo, ngokwemisebenzi yenu. **24** Kodwa ngikhuluma lani labanye

abaseTiyathira, bonke abangelayo le imfundiso, labangakwaziyo okujulileyo kukaSathane, njengokutsho kwabo: Kangiyikulethesa omunye umthwalo. **25** Kodwa lokho elilakho kubambisiseni, ngize ngifike. **26** Lonqobayo logcina imisebenzi yami kuze kube sekupheleni, ngizamnika amandla phezu kwezizwe; **27** njalo uzazibusa ngentonga yensimbi; zizaphahlazwa njengezimbiza zebumba; njengalokhu lami ngikwemukele kuBaba. **28** Futhi ngizamnika indonsakusa. **29** Olendlebe kezwe lokho akutshoyo uMoya emabandleni.

3 Lakuso isithunywa sebandla eliseSardisi bhala uthi: Lezizinto utsho lowo olabomoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu, lenkanyezi eziyisikhombisa: Ngiyayazi imisebenzi yakho, ukuthi ulebizo lokuthi uyaphila, kanti ufile. **2** Woba ulindile, uqinise izinto eziseleyo esezizakufa; ngoba kangitholanga imisebenzi yakho iphelelisiwe phambi kukaNkulunkulu. **3** Khumbula-ke ukuthi ukwemukele wakuzwa njani, ubusukugcina, uphenduke. Uba-ke ungalindi, ngizakuza phezu kwakho njengesela, njalo kawusoze walazi ihola engizakuza ngalo phezu kwakho. **4** Ulamabizo amalutshwana ngitsho eSardisi, angangcolisanga izembatho zawo; njalo bazahamba lami bekwezimhlophe, ngoba bafanele. **5** Onqobayo, lowo uzagqokiswa izembatho ezimhlophe; futhi kangisoze ngilesule ibizo lakhe egwalweni lwempilo, njalo ngizalivuma ibizo lakhe phambi kukaBaba, laphambi kwengilosi zakhe. **6** Olendlebe kezwe lokho uMoya akutshoyo emabandleni. **7** Lakuso isithunywa sebandla eliseFiladelfiya bhala uthi: Lezizinto utsho oNgcwele, oQotho, olesihluthulelo sikaDavida, ovula njalo kungavali muntu, avale futhi kungavuli muntu: **8** Ngiyayazi imisebenzi yakho; khangela, ngimise phambi kwakho umnyango ovuliweyo, njalo kakulamuntu ongawuvala,

ngoba ulamandla amancinyane, njalo uligcinile ilizwi lami, futhi kawuliphikanga ibizo lami. 9 Khangela ngizakunika abavela esinagogeni likaSathane, abathi bangamaJuda, bengeyisiwo, kodwa beqamba amanga; khangela ngizabenza ukuthi beze baguqe phambi kwenyawo zakho, njalo bazi ukuthi mina ngikuthandile. 10 Ngoba ugcinile ilizwi lokubekezela kwami, lami ngizakulondoloza kuhola lokulingwa okuzafika emhlabeni wonke, ukulinga abakhileyo phezu komhlabathi. 11 Khangela, ngiyeza ngokuphangisa; bambisisa olakho, ukuze kungabi khona okwemuka umqhele wakho. 12 Onqobayo, ngizamenza insika ethempelini likaNkulunkulu wami; njalo kasoze aphinde aphume phandle, futhi ngizabhala ibizo likaNkulunkulu wami phezu kwakhe, lebizu lomuzi kaNkulunkulu wami, iJerusalema entsha, eyehla ivela ezulwini kuNkulunkulu wami, lebizu lami elitsha. 13 Olendlebe kezwe lokho uMoya akutshoyo emabandleni. 14 Lakuso isithunywa sebandla lamaLawodikeya bhala uthi: Lezizinto utsho uAmeni, umfakazi othembekileyo loqotho, owokuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu: 15 Ngiyayazi imisebenzi yakho, ukuthi njalo kawuqandi futhi kawutshisi. Kungathi ngabe uyaqanda kumbe utshise! 16 Ngokunjalo, ngoba ubuthukuthuku, njalo ungaqandi futhi ungatshisi, ngizakukhafula emlonyeni wami. 17 Ngoba uthi: Nginothile, senginothile njalo kangisweli lutho, kanti kawazi ukuthi wena ungohluphekayo lohawulayo longumyanga loyisiphofu lonqunu; 18 ngiyakweluleka ukuthi uthenge kimi igolide elicengwe ngomlilo, ukuze unothe; lezembatho ezimhlophe, ukuze wembathe, lehlazo lobuze bakho lingembulwa; njalo ugcobe amehlo akho ngamagcobo amehlo, ukuze ubone. 19 Mina bonke engibathandayo, ngiyabasola ngibatshaye. Ngakho tshiseka uphenduke. 20 Khangela, ngimi

emnyango ngiqoqoda; uba umuntu esizwa ilizwi lami, abesevula umnyango, ngizangena kuye, ngidle laye, laye lami. **21** Onqobayo, ngizamnika ukuthi ahlale lami esihlalweni sami sobukhosi, njengalokhu lami nganqoba, ngasengihlala loBaba esihlalweni sakhe sobukhosi. **22** Olendlebe kezwe lokho uMoya akutshoyo emabandleni.

4 Emva kwalezizinto ngabona, futhi khangela, umnyango uvulekile ezulwini, lelizwi lokuqala engalizwayo linjengelophondo likhuluma lami, lisithi: Yenyukela lapha, njalo ngizakutshengisa izinto ezimele zenzeke emva kwalezizinto. **2** Njalo ngahle ngaba kuMoya; khangela-ke, isihlalo sobukhosi samiswa ezulwini, laphezu kwesihlalo sobukhosi ohleziyo; **3** njalo ohleziyo wayebonakala efanana lelitshe ijaspi lesardiyusi, lomchilowamakhosikazi wawuzingelezele isihlalo sobukhosi ubonakala njenge-emeraldi. **4** Lezihlalo zobukhosi ezingamatshumi amabili lane zazihanqe isihlalo sobukhosi; laphezu kwezihlalo zobukhosi ngabona abadala abangamatshumi amabili lane behlezi, bembethe izembatho ezimhlophe, njalo belemiqhele yegolide emakhanda abo. **5** Lesihlalweni sobukhosi kwaphuma imibane lemidumo lamazwi; lezibane zomlilo eziyisikhombisa zazibhebha phambi kwesihlalo sobukhosi, ezingomoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu; **6** laphambi kwesihlalo sobukhosi kwakukhona ulwandle lwengilazi, lufanana lekristali. Laphakathi kwesihlalo sobukhosi lekuzingelezeleni kwesihlalo sobukhosi kwakukhona izidalwa ezine eziphilayo zigcwele amehlo ngemuva laphambili. **7** Lesidalwa esiphilayo sokuqala sasifanana lesilwane, lesidalwa esiphilayo sesibili sasifanana lethole, lesidalwa esiphilayo sesithathu sasilobuso njengomuntu, lesidalwa esiphilayo sesine sasifanana lokhozi

oluphaphayo; **8** lezidalwa ezine eziphilayo zilempiko eziyisithupha ileso laleso ngokukhethekileyo emaceleni wonke, langaphakathi zigcwele amehlo, njalo kazilakuphumula emini lebusuku, zisithi: Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla, owayekhona lokhona lozakuza. **9** Kuthi lapho izidalwa eziphilayo zimnika ubukhosi lodumo lokubongwa lowo ohlezi esihlalweni sobukhosi, ophilayo kuze kube nini lanini, (aiōn g165) **10** abadala abangamatshumi amabili lane baziwisa phansi phambi kohlezi esihlalweni sobukhosi, basebemkhonza ophilayo kuze kube nini lanini, bephosela imiqhele yabo phambi kwesihlalo sobukhosi, besithi: (aiōn g165) **11** Ufanele, Nkosi, ukwemukela ubukhosi, lodumo lamandla; ngoba wena wadala izinto zonke, langentando yakho zikhona, zadalwa.

5 Ngasengibona esandleni sokunene sodayehlezi esihlalweni sobukhosi ugwalo olubhalwe ngaphakathi langemuva, lunanyekiwe ngempawu eziyisikhombisa. **2** Ngasengibona ingilosi elamandla imemeza ngelizwi elikhulu isithi: Ngubani ofanele ukuvula ugwalo, lokuqhaqha impawu zalo? **3** Njalo kwakungelamuntu ezulwini, kumbe emhlabeni, kumbe ngaphansi komhlaba, owayelamandla okuvula ugwalo, kumbe ukulukhangela. **4** Mina ngasengikhala kakhulu, ngoba kungatholwanga loyedwa ofanele ukuluvula lokulufunda ugwalo, kumbe ukulukhangela. **5** Omunye wabadala wasesithi kimi: Ungakhali; khangela, inqobile iNgonyama evela esizweni sakoJuda, iMpande kaDavida, ukuthi ivule ugwalo lokuthi iqhaqhe impawu zalo eziyisikhombisa. **6** Ngasengibona, futhi khangela phakathi kwesihlalo sobukhosi, lezidalwa ezine eziphilayo, langaphakathi kwabadala, iWundlu limi kungathi lihlatshiwe, lilempondo eziyisikhombisa lamehlo ayisikhombisa, okungomoya

abayisikhombisa bakaNkulunkulu abathunyelwe emhlabeni wonke. **7** Laselisiza, laluthatha ugwalo esandleni sokunene sohlezi esihlalweni sobukhosi. **8** Kuthe seliluthethe ugwalo, izidalwa ezine eziphilayo labadala abangamatshumi amabili lane bawela phansi phambi kweWundlu, ngulowo lalowo elamachacho lemiganu yegolide igcwele impepha eyimikhuleko yabangcwele. **9** Basebehlabela ingoma entsha, besithi: Ukufanele ukuluthatha ugwalo, lokuvula impawu zalo, ngoba wahlatshwa, wasusihlengela uNkulunkulu ngegazi lakho sivela kuyo yonke imihlobo lezinlimi labantu lezizwe, **10** wasusenza saba ngamakhosi labapristi kuNkulunkulu wethu; njalo sizabusa emhlabeni. **11** Ngasengibona, ngezwa ilizwi lengilosi ezinengi zihanqe isihlalo sobukhosi lezidalwa eziphilayo labadala; lenani lazo laliyizigidi zezigidi, lenkulungwane zezinkulungwane, **12** zisithi ngelizwi elikhulu: Lifanele iWundlu elahlatshwayo ukwemukela amandla lenotho lenhlakanipho lengalo lodumo lobukhosi lokudunyiswa. **13** Laso sonke isidalwa esisezulwini, lemhlabeni, langaphansi komhlaba, lezinto eziselwandle, lakho konke okukikho, ngakuzwa kusithi: Kuye ohlezi esihlalweni sobukhosi lakulo iWundlu kakube ukudunyiswa lodumo lobukhosi lamandla kuze kube nini lanini. (aiōn g165) **14** Lezidalwa ezine eziphilayo zathi: Ameni. Labadala abangamatshumi amabili lane baziwisela phansi, basebekhonza ophilayo kuze kube phakade laphakade.

6 Ngasengibona lapho iWundlu selivule olunye lwezimpawu, ngezwa esinye sezidalwa ezine eziphilayo sisithi, njengelizwi lomdumo: Woza ubone! **2** Ngasengibona, khangela-ke, ibhiza elimhlophe, loligadileyo eledandili; kwasekunikelwa kuye umqhele, wasephuma enqoba, lokuze anqobe. **3** Lalapho

selivule uphawu lwesibili, ngezwa isidalwa esiphilayo sesibili
sisithi: Woza ubone! **4** Kwasekuphuma elinye ibhiza elibomvu;
loligadileyo kwanikwa kuye ukususa ukuthula emhlabeni,
lokuthi babulalane; kwasekunikelwa kuye inkemba enkulu. **5**
Lalapho selivule uphawu lwesithathu, ngezwa isidalwa esiphilayo
sesithathu sisithi: Woza ubone! Ngasengibona, khangela-ke,
ibhiza elimnyama, loligadileyo elesikali esandleni sakhe. **6**
Ngasengisizwa ilizwi phakathi kwezidalwa ezine eziphilayo
lisithi: Ingcebethu yamabele ngodenariyo, lengcebethu ezintathu
zebhali ngodenariyo; lamafutha lewayini ungakoni. **7** Lalapho
selivule uphawu lwesine, ngezwa ilizwi lesidalwa sesine lisithi:
Woza ubone! **8** Ngasengibona, khangela-ke, ibhiza eliliganu,
loligadileyo, ibizo lakhe linguKufa, lesihogo salandelana laye.
Kwasekunikelwa kukho amandla okubulala kuze kube yingxenye
yesine yomhlaba, ngenkemba langendlala langokufa, langezilo
zomhlaba. (Hadēs g86) **9** Lalapho selivule uphawu lwesihlanu,
ngabona ngaphansi kwelathi imiphefumulo yalabo ababebulewe
ngenxa yelizwi likaNkulunkulu, langenxa yobufakazi ababelabo.
10 Basebememeza ngelizwi elikhulu besithi: Koze kube nini,
Nkosi, engcwele leqotho, ungagwebi uphindisele igazi lethu
kulabo abakhileyo emhlabeni? **11** Kwasekunikwa kulowo
lalowo izembatho ezimhlophe, kwasekuthiwa kubo, bake
baphumule okwesikhatshana, baze bapheleliswe abayizinceku
kanye labo labazalwane babo ababezabulawa lanjengabo. **12**
Ngasengibona lapho selivule uphawu lwesithupha, khangela-
ke, kwaba khona ukuzamazama okukhulu komhlaba, lelanga
laba mnyama njengesaka eliloboya, lenyanga yaba njengegazi,
13 lenkanyezi zezulu zawohlokelo emhlabeni, njengesihlahla
somkhiwa siwohloza izithelo zaso eziluhlaza, sinyikinywa

ngumoya omkhulu. **14** Lezulu lamuka njengogwalo olugoqwayo, layo yonke intaba lesihlenge kwasuswa endaweni zakho, **15** lamakhosi omhlaba, lezikhulu, labanothileyo, lenduna ezinkulu, labalamandla, laso sonke isigqili, laye wonke okhululekileyo, bacatsha ezimbalwini lemadwaleni ezintaba, **16** besithi ezintabeni lemadwaleni: Welani phezu kwethu, lisifihle ebusweni bakhe ohlezi esihlalweni sobukhosi, lelakeni lweWundlu; **17** ngoba usuku olukhulu lolaka lwakhe selufikile; njalo ngubani olamandla okuma?

7 Emva kwalezizinto-ke ngabona ingilosi ezine zimi emagumbini womane omhlaba zibambe imimoya emine yomhlaba, ukuze kungavunguzi moya emhlabeni, kumbe olwandle, loba kwesisodwa isihlahla. **2** Ngasengibona enye ingilosi isenyuka isuka lapho eliphuma khona ilanga, ilophawu lukaNkulunkulu ophilayo; yasimemeza ngelizwi elikhulu kungilosi ezine, okwakunikwe kuzo ukona umhlaba lolwandle, **3** isithi: Lingoni umhlaba, kumbe ulwandle, kumbe izihlahla, size siphawule izinceku zikaNkulunkulu wethu emabunzini azo. **4** Ngasengisizwa inani elababephawulwa: Zinkulungwane ezilikhulu lamatshumi amane lane abaphawulwayo ezizweni zonke zabantwana bakolSrayeli; **5** esizweni sakoJuda kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; esizweni sakoRubeni kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; esizweni sakoGadi kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; **6** esizweni sakoAsheri kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; esizweni sakoNafithali kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; esizweni sakoManase kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; **7** esizweni sakoSimeyoni kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi

lambili; esizweni sakoLevi kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; esizweni sakolsakari kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; 8 esizweni sakoZebuloni kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; esizweni sakoJosefa kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili; esizweni sakoBhenjamini kwaphawulwa abazinkulungwane ezilitshumi lambili. 9 Emva kwalezizinto ngabona, khangela-ke, ixuku elikhulu, okungelamuntu ongalibala, elivela kuzo zonke izizwe lemihlobo labantu lezindimi, limi phambi kwesihlalo sobukhosi laphambi kweWundlu, lembethe izembatho ezimhlophe, lengatsha zezihlahla zamalala ezandleni zabo; 10 njalo limemeza ngelizwi elikhulu, lisithi: Usindiso kuNkulunkulu wethu ohlezi esihlalweni sobukhosi, lakulo iWundlu. 11 Lengilosi zonke zazimi zihanqe isihlalo sobukhosi labadala lezidalwa ezine eziphilayo, zasezisiwa ngobuso bazo phambi kwesihlalo sobukhosi, zasezikhonza uNkulunkulu, 12 zisithi: Amen. Ukudunyiswa lobukhosi lenhlanipho lokubonga lodumo lamandla lengalo kakube kuNkulunkulu wethu kuze kube nini lanini. Amen. (aiōn g165) 13 Omunye wabadala wasephendula, esithi kimi: Laba abembethe izembatho ezimhlophe, ngobani, futhi bavela ngaphi? 14 Ngasengisithi kuye: Nkosi, nguwe owaziyo. Wasesithi kimi: Laba yibo abaphuma ekuhluphekeni okukhulu, basebehlamba izembatho zabo benza izembatho zabo zaba mhlophe egazini leWundlu. 15 Ngakho baphambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, bamkhonza emini lebusuku ethempelini lakhe; lohleziyo esihlalweni sobukhosi uzabasibekela. 16 Kabasayikulamba, njalo kabasayikoma, lelanga kaliyikuwela phezu kwabo, kumbe lokutshisa; 17 ngoba iWundlu elingaphakathi kwesihlalo sobukhosi lizabondla, libakhokhelele emithonjeni

ephilayo yamanzi; loNkulunkulu uzakwesula zonke inyembezi emehlweni abo.

8 Lapho selivule uphawu lwesikhombisa, kwaba khona ukuthula ezulwini okungaba yingxenye yehola. **2** Ngasengibona ingilosi eziyisikhombisa ezazimi phambi kukaNkulunkulu, njalo kwanikelwa kizo impondo eziyisikhombisa. **3** Kwasekufika enye ingilosi, yasisima elathini, ilomganu wegolide wokutshisela impepha, yasiphiwa impepha enengi, ukuze iyinikele lemikhuleko yabo bonke abangcwele phezu kwelathi legolide eliphambi kwesihlalo sobukhosi. **4** Lentuthu yempepha yenyuka lemikhuleko yabangcwele esandleni sengilosi phambi kukaNkulunkulu. **5** Ingilosi yasithatha umganu wokutshisela impepha, yasiwugcwalisa ngomlilo welathi, yasiwuphosela emhlabeni; kwasekusiba khona amazwi lemidumo lemibane lokuzamazama komhlaba. **6** Kwathi ingilosi eziyisikhombisa ezazilempondo eziyisikhombisa zazilungiselela ukuze zizikhalise. **7** Ingilosi yokuqala yasilukhalisa uphondo, kwasekusiba khona isiqhotho lomlilo kuhlenganiswe legazi, kwasekuphoselwa emhlabeni; lengxenye yesithathu yezihlahla yatshiswa, labo bonke utshani obuluhlaza batshiswa. **8** Ingilosi yesibili yasilukhalisa uphondo; kwasekuphoselwa olwandle okunjengentaba enkulu evutha umlilo. Lengxenye yesithathu yolwandle yaba ligazi; **9** kwasekusifa ingxenye yesithathu yezidalwa eziselwandle ezilempilo, lengxenye yesithathu yemikhumbi yachithwa. **10** Ingilosi yesithathu yasilukhalisa uphondo, kwasekusiwa ezulwini inkanyezi enkulu ibhebha njengesibane, yasiwela phezu kwengxenye yesithathu yemifula, laphezu kwemithombo yamanzi. **11** Lebizo lenkanyezi lalithiwa nguMhlonyane; lengxenye yesithathu yamanzi yaba ngumhlonyane, labantu abanengi

bafa ngamanzi, ngoba ayenziwe ababa. **12** Ingilosi yesine yasilukhalisa uphondo, kwasekutshaywa ingxenye yesithathu yelanga lengxenye yesithathu yenyanga lengxenye yesithathu yezinkanyezi, ukuze kufiphazwe ingxenye yesithathu yazo, lengxenye yesithathu yemini ingakhanyi, lobusuku ngokunjalo. **13** Ngasengibona, ngasengisizwa ingilosi eyodwa iphapha phakathi laphakathi kwezulu, isithi ngelizwi elikhulu: Maye, maye, maye kulabo abakhileyo emhlabeni, kumazwi aseleyo empondo zengilosi ezintathu esezizakhala!

9 Ingilosi yesihlanu yasilukhalisa uphondo, ngasengibona inkanyezi ivela ezulwini isiwela emhlabeni, kwasekunikelwa kuyo isihluthulelo segodi lomgodi ongelamkhawulo. **(Abyssos g12) 2** Yasivula igodi lomgodi ongelamkhawulo, kwasekusenyuka intuthu emgodini njengentuthu yesithando esikhulu, kwasekufiphazwa ilanga lomoya ngentuthu yomgodi. **(Abyssos g12) 3** Kwasekuphuma isikhonyane entuthwini seza emhlabeni, kwasekunikwa kuso amandla, njengabofezela bomhlaba belamandla. **4** Kwasekuthiwa kuso singoni utshani bomhlaba, loba yini eluhlaza, loba yisiphi isihlahla, ngaphandle kwabantu kuphela abangelaphawu lukaNkulunkulu emabunzini abo. **5** Kwasekunikwa kuso ukuthi singababulali, kodwa bahlutshwe inyanga ezinhlanu; lobuhlungu baso babunjengobuhlungu bukafezela, lapho eluma umuntu. **6** Langalezonsuku abantu bazadinga ukufa, kodwa bangakutholi; bazafisa ukufa, kodwa ukufa kuzababalekela. **7** Lezimo zesikhonyane zazinjengamabhiza alungiselwe impi, lemakhanda aso kwakukhona okunjengemiqhele enjengegolide, lobuso baso babunjengobuso babantu. **8** Njalo sasilenwele ezinjengenwele zebesifazana, lamazinyo aso ayenjengawezilwane. **9** Futhi sasilezivikelo zesifuba ezinjengezivikelo zesifuba zensimbi,

lomdumo wempiko zaso wawunjengomdumo wezinqola zamabhiza amanengi egijimela empini. 10 Njalo sasilemisila efanana leyabofezela, njalo kwakulendonsi emisileni yaso; lamandla aso ayengawokona abantu inyanga ezinhlanu; 11 futhi sasilenkosi phezu kwaso, ingilosi yomgodi ongelamkhawulo; ibizo layo ngesiHebheru linguAbadoni, langesiGriki ilebizo elithiwa nguApoliyoni. (Abyssos g12) 12 Umaye oyedwa usedlulile; khangela kuseza omaye ababili emva kwalezizinto. 13 Ingilosi yesithupha yasilukhalisa uphondo; ngasengisizwa ilizwi livela empondweni ezine zelathi legolide eliphambi kukaNkulunkulu, 14 lisithi kungilosi yesithupha eyayilophondo: Khulula ingilosi ezine ezibotshweyo emfuleni omkhulu iYufathi. 15 Zasezikhululwa ingilosi ezine ezazilungiselwe ihola losuku lenyanga lomnyaka, ukuze zibulale ingxenye yesithathu yabantu. 16 Lenani lamabutho agade amabhiza laliyizigidi ezimbili zezigidi; ngasengisizwa inani lawo. 17 Ngasengiwabona ngokunje amabhiza embonweni, labagadi bawo, belezivikelo zesifuba zomlilo lezehiyakinte lezesibabule; lamakhanda amabhiza ayenjengamakhanda ezilwane, lemilonyeni yawo kwaphuma umlilo lentuthu lesibabule. 18 Ngalezi ezintathu kwabulawa ingxenye yesithathu yabantu, ngomlilo langentuthu langesibabule okwaphuma emilonyeni yawo. 19 Ngoba amandla awo asemlonyeni wawo, lemisileni yawo; ngoba imisila yawo injengezinyoka ilamakhanda, langawo ayalimaza. 20 Labaseleyo babantu, abangabulawanga kulezinhlopheko, kabaphendukanga emisebenzini yezandla zabo, ukuthi bangakhonzi amadimoni, lezithombe zegolide lezesiliva lezethusi lezelitshe lezesihlahla, njalo ezingaboniyo, lezingezwayo, lezingahambiyo; 21 futhi

kabaphendukanga ekubulaleni kwabo, kumbe ekuthakatheni kwabo, loba ekuphingeni kwabo, kumbe ekwebeni kwabo.

10 Ngasengibona enye ingilosi elamandla isehla ivela ezulwini; yembethe iyezi, lomchilowamakhosikazi usekhanda layo, lobuso bayo babunjengelanga, lenyawo zayo zinjengensika zomlilo; 2 njalo yayilogwalo oluncinyane oluvulekileyo esandleni sayo; yasimisa unyawo lwayo lokunene phezu kolwandle, lolwekhohlo phezu komhlabathi, 3 yamemeza ngelizwi elikhulu njengesilwane sibhonga; kwathi isimemezile, imidumo eyisikhombisa yakhuluma amazwi ayo, 4 kwathi imidumo eyisikhombisa isikhulume amazwi ayo, ngasengizabhala; ngasengisizwa ilizwi livela ezulwini, lisithi kimi: Namathisela ngophawu izinto imidumo eyisikhombisa ezikhulumileyo, ungazibhali lezizinto. 5 Lengilosi engayibona imi phezu kolwandle laphezu komhlabathi yaphakamisela isandla sayo ezulwini, 6 yafunga ngaye ophilayo kuze kube nini lanini, owadala izulu lezinto ezikulo, lomhlaba lezinto ezikuwo, lolwandle lezinto ezikulo, ukuthi kakusayikuba lesikhathi; (aiōn g165) 7 kodwa ensukwini zelizwi lengilosi yesikhombisa, isizakhalisa uphondo, kuzabe sekuphelelisiwe imfihlo kaNkulunkulu, njengoba watshumayela kwezakhe inceku abaprofethi. 8 Lelizwi engalizwa livela ezulwini, lakhuluma lami futhi, lathi: Hamba uyethatha ugwalo oluncinyane oluvulekileyo olusesandleni sengilosi emi phezu kolwandle laphezu komhlabathi. 9 Ngasengisiya engilosini, ngisithi kuyo: Nginika ugwalo oluncinyane. Yasisithi kimi: Luthathe uludle uluqede; futhi luzababisa isisu sakho, kodwa emlonyeni wakho luzaba mnandi njengoluju. 10 Ngasengiluthatha ugwalo oluncinyane esandleni sengilosi, ngaludla ngaluqeda, lwaselusiba emlonyeni wami njengoluju, ubunandi; kwathi sengiludlile, isisu

sami sababa. **11** Yasisithi kimi: Kumele ukuthi uphinde uprofethe ebantwini lezizweni lezindimini lemakhosini amanengi.

11 Kwasekunikelwa kimi umhlanga ofanana lodondolo, njalo ingilosu yema isithi: Sukuma, ulinganise ithempeli likaNkulunkulu, lelathi, labakhonzayo kulo. **2** Kodwa iguma elingaphandle kwethempeli ulitshiye ngaphandle, futhi ungalilinganisi; ngoba linikelwe ezizweni; njalo zizanyathelela phansi umuzi ongcwele inyanga ezingamatshumi amane lambili. **3** Njalo ngizanika amandla kubafakazi bami ababili, njalo bazaprofetha insuku eziyinkulungwane lamakhulu amabili lamatshumi ayisithupha, begqoke amasaka. **4** Laba bayizihlahla ezimbili zemihlwathi, leziqobane zezibane ezimbili ezimi phambi kukaNkulunkulu womhlaba. **5** Uba kukhona othanda ukubalimaza, umlilo uphuma emlonyeni wabo, uqothule izitha zabo; njalo uba umuntu efisa ukubalimaza, ngokunjalo kumele abulawe. **6** Laba balamandla okuvala izulu, ukuze izulu lingani ngensuku zokuprofetha kwabo, futhi balamandla phezu kwamanzi, okuthi bawaphendule abe ligazi, lokutshaya umhlaba ngayo yonke inhlupeko, ngaso sonke isikhathi abathanda ngaso. **7** Kuzakuthi sebebuqedile ubufakazi babo, isilo esiphuma emgodini ongelamkhawulo sizakulwa impi labo, besesibanqoba, sibabulale. **(Abyssos g12)** **8** Lezidumbu zabo zizakuba semgwaqweni womuzi omkhulu, othiwa ngokomoya iSodoma leGibhithe, lapho leNkosi yethu eyabethelelwa khona. **9** Labavela ebantwini lemihlotsheni lendimini lezizweni bazakhangela izidumbu zabo okwensuku ezintathu lengxenye yosuku, bengavumeli ukuthi izidumbu zabo zibekwe emangcwabeni. **10** Labakhileyo emhlabeni bazathokoza ngabo bathabe, bathumezelane izipho, ngoba labaprofethi ababili babahlupha

abakhileyo emhlabeni. **11** Kwathi emva kwalezonsuku ezintathu lengxenywe yosuku, uMoya wempilo wavela kuNkulunkulu wangena kubo, basebesima ngenyawo zabo, lokwesaba okukhulu kwehlela kwabababonayo. **12** Basebesizwa ilizwi elikhulu livela ezulwini, lisithi kubo: Yenyukelani lapha. Basebesenyukela ezulwini beseyezini. Lezitha zabo zibabona. **13** Langalelohola kwaba khona ukuzamazama okukhulu komhlaba, lokwetshumi komuzi kwawa, kwasekusifa amabizo abantu abayizinkulungwane eziyisikhombisa ekuzamazameni komhlaba; labaseleyo batshaywa luvalo, banika udumo kuNkulunkulu wezulu. **14** Umaye wesibili usedlule; khangelake, umaye wesithathu uyeza ngokuphangisa. **15** Ingilosiyesikhombisa yasilukhalisa uphondo, kwasekusiba lamazwi amakhulu ezulwini, esithi: Imibuso yomhlaba isingeyeNkosi yethu, lekaKristu wayo, njalo izabusa kuze kube nini lanini. (aiōn g165) **16** Labadala abangamatshumi amabili lane, abahlezi ezihlalweni zabo zobukhosi phambi kukaNkulunkulu, bathi mbo ngobuso babo phansi, basebekhonza uNkulunkulu, **17** besithi: Siyakubonga, Nkosi Nkulunkulu Somandla, okhona lowayekhona lozakuza, ngoba uthethe amandla akho amakhulu, ubusile. **18** Lezizwe sezithukuthele, lolaka lwakho selufikile, lesikhathi sabafuleyo ukuthi bahlulelwe, lesokunika umvuzo ezincekwini zakho abaprofethi labangcwele labesaba ibizo lakho, abancinyane labakhulu, lesokubhubhisa ababhubhisa umhlaba. **19** Kwasekuvulwa ithempeli likaNkulunkulu ezulwini, kwasekubonakala umtshokotsho wesivumelwano sakhe ethempelini lakhe; kwasekusiba lemibane lamazwi lemidumo lokuzamazama komhlaba lesiqhotho esikhulu.

12 Kwasekubonakala isibonakaliso esikhulu ezulwini, owesifazana embethe ilanga, lenyanga ingaphansi kwenyawo zakhe, njalo kukhona ekhanda lakhe umqhele wenkanyezi ezilitshumi lambili; **2** njalo ekhulelwe, wakhala ngobuhlungu bomhelo, futhi wayesebuhlungwini bokubeletha. **3** Kwasekubonakala esinye isibonakaliso ezulwini, khangelake umgobho omkhulu obomvu, olamakhanda ayisikhombisa lempondo ezilitshumi, lemiqhele eyisikhombisa emakhanda awo. **4** Lomsila wawo wadonsa ingxenye yesithathu yenkanyezi zezulu, waziphosela emhlabeni; njalo umgobho wema phambi kowesifazana obesezabeletha, ukuze kuthi, esebelethile, umimilize umntwana wakhe. **5** Wasebeletha indodana, isilisa, ezabusa izizwe zonke ngentonga yensimbi; lomntanakhe wahluthulelwa kuNkulunkulu lesihlalweni sakhe sobukhosi. **6** Lowesifazana wabalekela enkangala, lapho ayelendawo eyayilungiswe nguNkulunkulu, ukuze bamondle khona insuku eziyinkulungwane lamakhulu amabili lamatshumi ayisithupha. **7** Kwasekusiba lempi ezulwini; uMikayeli lengilosi zakhe balwa bemelene lomgobho; lomgobho walwa ulengilosi zawo, **8** njalo babengelakunqoba, lendawo yawo kayabe isatholakala ezulwini. **9** Umgobho omkhulu wasuphoswa, inyoka endala, ebizwa ngokuthi nguDiyabhola njalo uSathane, okhohlisa umhlaba wonke; waphoselwa emhlabeni, lengilosi zakhe zaphoswa kanye laye. **10** Ngasengisizwa ilizwi elikhulu ezulwini, lisithi: Khathesi sekufike usindiso lamandla lombuso kaNkulunkulu wethu, lamandla kaKristu wakhe; ngoba uphoselwe phansi ummangaleli wabazalwane bethu, obamangalelayo emini lebusuku phambi kukaNkulunkulu. **11** Njalo bona bamnqobile ngegazi leWundlu langelizwi lobufakazi babo, njalo kabathandanga impilo yabo

kwaze kwaba sekufeni. **12** Ngalokho thokozani, mazulu lani elihlala kuwo. Maye kulabo abakhileyo emhlabeni lolwandle, ngoba udiyabhola wehlele kini elolaka olukhulu, esazi ukuthi ulesikhathi esifitshane. **13** Kwathi umgobho usubonile ukuthi uphoselwe emhlabeni, wazingela owesifazana owayezele umntwana wesilisa. **14** Kwasekunikwa owesifazana impiko ezimbili zokhozi olukhulu, ukuze aphaphele enkangala endaweni yakhe, lapho ondliwa khona okwesikhathi, lezikhathi lengxenye yesikhathi, asuke ebusweni benyoka. **15** Lenyoka yakhafula amanzi emlonyeni wayo ngemva kowesifazana kungathi ngumfula, ukuze immukise ngalumfula. **16** Lomhlaba wamsiza owesifazana, umhlaba wasukhamisa umlomo wawo, waginya umfula umgobho owawuwukhafule emlonyeni wawo. **17** Umgobho wasumthukuthelela owesifazana, wasusuka wayakulwa impi labaseleyo benzalo yakhe, labo abagcina imilayo kaNkulunkulu abalobufakazi bukaJesu Kristu.

13 Ngasengisima etshebetshebeni lolwandle; ngasengibona isilo sikhuphuka olwandle, silamakhanda ayisikhombisa lempondo ezilitshumi, laphezu kwempondo zaso imiqhele elitshumi, laphezu kwamakhanda aso kulebizo lenhlamba. **2** Lesilo engasibonayo sasinjengengwe, lenyawo zaso zazinjengezebhere, lomlomo waso unjengomlomo wesilwane. Njalo umgobho wasinika amandla awo, lesihlalo sawo sobukhosi, legunya elikhulu. **3** Ngasengibona elinye lamakhanda aso kungathi lilimele okokufa; lenxeba laso lokufa selapholiswa; umhlaba wonke wasumangala ngemva kwesilo; **4** basebewukhonza umgobho owasinika isilo amandla, basebesikhonza isilo, besithi: Ngubani ofanana lesilo? Ngubani ongalwa laso? **5** Kwasekunikelwa kuso umlomo wokukhuluma izinto ezinkulu lezinhlamba, kwasekunikelwa

kuso amandla okusebenza inyanga ezingamatshumi amane lambili. 6 Sasesivula umlomo waso ukuhlambaza okumelane loNkulunkulu, lokuhlambaza ibizo lakhe, lethabhanekela lakhe, lalabo abahlezi ezulwini. 7 Kwasekunikelwa kuso ukuthi silawule impi labangcwele, lokubanqoba; kwasekunikelwa kuso amandla phezu kwawo wonke umhlobo lolimi lesizwe. 8 Labo bonke abakhileyo emhlabeni bazasikhonza, labo amabizo abo angabhalwanga egwalweni lwempilo lweWundlu elahlatshtwayo selokhu kwasekelwa umhlaba. 9 Uba umuntu elendlebe, kezwe. 10 Uba umuntu ethumba, uya ekuthunjweni; uba umuntu ebulala ngenkamba, yena kumele abulawe ngenkamba. Lapha kulokubekezela lokholo lwabangcwele. 11 Ngasengibona esinye isilo sisenyuka emhlabeni, sasilempondo ezimbili njengewundlu, sasesikhuluma njengomgobho. 12 Njalo sasebenzisa wonke amandla esilo sokuqala phambi kwaso, futhi senza ukuthi umhlaba labakhileyo kuwo bakhonze isilo sokuqala, esinxeba laso lokufa lapholiswa. 13 Sasesisenza izibonakaliso ezinkulu, saze senza ukuthi lomlilo wehle uvela ezulwini uze emhlabeni, phambi kwabantu. 14 Sasesiduhisa abakhileyo emhlabeni ngalezozibonakaliso ezanikelwa kuso ukuzenza phambi kwesilo, sisithi kwabakhileyo emhlabeni, kabasenzele umfanekiso isilo ebesilenxeba lenkamba, sasesiphila. 15 Sanikwa futhi ukupha umfanekiso wesilo umoya, ukuze umfanekiso wesilo lawo ukhulume, besesisenza ukuthi bonke abangakhonziyo umfanekiso wesilo babulawe. 16 Sasesisenza bonke, abancinyane labakhulu, labanothileyo labayanga, labakhululekileyo lezigqili, ukuthi baphiwe uphawu esandleni sabo sokunene, loba emabunzini abo, 17 ukuze kungabi khona olakho ukuthenga loba ukuthengisa, ngaphandle kwalowo

olophawu, loba ibizo lesilo loba inombolo yebizo laso. **18** Nansi inhlakanipho. Olokuqedisisa kabale inombolo yesilo; ngoba iyinombolo yomuntu, lenombolo yaso ingamakhulu ayisithupha lamatshumi ayisithupha lesithupha.

14 Ngasengibona, khangela-ke, iWundlu limi entabeni iSiyoni, njalo lilezinkulungwane ezilikhulu lamatshumi amane lane, belebizo likaYise libhalwe emabunzini abo. **2** Ngasengisizwa ilizwi livela ezulwini, njengelizwi lamanzi amanengi, lanjengelizwi lomdumo omkhulu; ngasengisizwa ilizwi labatshaya amachacho betshaya amachacho abo, **3** basebehlabela kungathi yingoma entsha phambi kwesihlalo sobukhosi, laphambi kwezidalwa ezine eziphilayo labadala; njalo kakho owayengayifunda ingoma, ngaphandle kwabayizinkulungwane ezilikhulu lamatshumi amane lane, abahlengiweyo emhlabeni. **4** Labo yibo abangangcoliswanga ngabesifazana; ngoba bazintombi. Yibo abalandela iWundlu loba lisiya ngaphi; laba bathengwa ebantwini, izithelo zokuqala kuNkulunkulu leWundlwini. **5** Lemlonyeni wabo kakuficwanga nkohliso; ngoba bengelasici phambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. **6** Ngasengibona enye ingilosi iphapha phakathi laphakathi kwezulu, ilevangeli laphakade, ukulitshumayela kwabakhileyo emhlabeni, lakuso sonke isizwe, lomhlobo, lolimi labantu, **(aiōnios g166)** **7** isithi ngelizwi elikhulu: Mesabeni uNkulunkulu, beselimupha udumo, ngoba isikhathi sesigwebo sakhe sesifikile, njalo limkhonze owenza izulu lomhlaba lolwandle lemithombo yamanzi. **8** Yasilandela enye ingilosi isithi: Iwile, iwile iBhabhiloni, umuzi omkhulu, ngoba unathise izizwe zonke okwewayini lolaka lokufeba kwawo. **9** Lengilosi yesithathu yazilandela, isithi ngelizwi elikhulu: Uba kukhona okhonza isilo lomfanekiso waso, njalo wemukela

uphawu ebunzini lakhe, kumbe esandleni sakhe, **10** laye uzanatha okwewayini lolaka lukaNkulunkulu, elithululelwe enkezweni yolaka lwakhe, lingaxutshaniswanga, njalo uzahlutshwa kakhulu ngomlilo langesibabule phambi kwengilosi ezingcwele, laphambi kweWundlu; **11** lentuthu yokuhlutshwa kwabo ithunqa kuze kube nini lanini; njalo kabalakuphumula emini lebusuku laba abakhonza isilo lomfanekiso waso, njalo uba ekhona owemukela uphawu lwebizo laso. (aiōn g165) **12** Nanku ukubekezela kwabangcwele; nampa abagcina imilayo kaNkulunkulu lokholo lukaJesu. **13** Ngasengisizwa ilizwi elivela ezulwini lisithi kimi: Bhalal uthi: Babusisiwe abafileyo befela eNkosini kusukela khathezi. Yebo, kutsho uMoya, ukuze baphumule ekutshikatshikeni kwabo; lemisebenzi yabo ilandela kanye labo. **14** Ngasengibona, khangela-ke, iyezi elimhlophe, laphezu kweyezi kuhlezi onjengeNdodana yomuntu, elomqhele wegolide ekhanda lakhe, njalo elesikela ebukhali esandleni sakhe. **15** Lenye ingilosi yaphuma ethempelini, imemeza ngelizwi elikhulu kuye ohlezi eyezini isithi: Ngenisa isikela yakho uvune, ngoba sekufikile kuwe isikhathi sokuvuna, ngoba sesivuthiwe isivuno somhlaba. **16** Ohlezi phezu kweyezi waseyiphosa isikela yakhe emhlabeni, wasuvunwa umhlaba. **17** Enye ingilosi yasiphuma ethempelini elisezulwini, layo ilesikela ebukhali. **18** Lenye ingilosi yaphuma elathini, ilamandla phezu komlilo, yasimemeza ngesimemezo esikhulu kuyo elesikela ebukhali, isithi: Ngenisa isikela yakho ebukhali, ubusubuthelela iziswenya zevini lomhlaba, ngoba izithelo zalo sezivuthiwe. **19** Ingilosi yasiphosa isikela yayo emhlabeni, yasivuna ivini lomhlaba, yasiphosela esikhamelweni sewayini esikhulu solaka lukaNkulunkulu. **20** Lesikhamelo sewayini sanyathelwa ngaphandle komuzi, kwasekuphuma igazi

esikhamelweni sewayini laze lafika ematomini amabhiza, laba ngamastadiyu azinkulungwane lamakhulu ayisithupha.

